

**Kuhula noma Yifa - uhlu lwezingcoxo zabalandeli ngo 2009.**

**Ngu Larry Chkoreff.**

ISOB - Uhlu lwezinhlelo - khula noma yifa.  
Uhlelo 8.1 May 2009.

Uhlelo Olukhona 5.6 August, 1999 English.

Ezihumushiwe

Swahili

French

Spanish

Chinese

Russian

Arabic

Isizulu

Khula noma Yifa ilotshwe yenzelwa abafundi bohlelo  
kwi International School of The Bible  
Marietta, GA USA

Email address [growordie@isob-bible.org](mailto:growordie@isob-bible.org) - [www.isob-bible.org](http://www.isob-bible.org)

ISBN # 0-9676731-3-5

978-0-9676731-3-4

Copyright © 1999 ngu Larry Chkoreff

Ishicilelwe I International School of The Bible,  
Marietta, Georgia, U.S.A.

Yahumushwa ngesiZulu ngu Jeffrey Sibhimbi Nkuna

We-Ohrigstad Farm Ministries- e Ohrigstad. Lydenburg RSA. Ngonyaka ka-2013.

[jeffrynkuna@gmail.com](mailto:jeffrynkuna@gmail.com) Cell: 076 853 8913

Lencwadi iyimpahla yomlobi. ingachasiswa mahhala, futhi inikezwe ngaphandle kwentengo. Kungatshintshwa lutho ngaphandle kwemvume yomlobi. Ingaguqulwa neze noma ngayiphi indlela. Lencwadi ingasentshensiswa ngaphandle kwemvume yomlobi, ngokuthengiswa noma ngenye indlela yokwenza inzuzo.

Ngaphandle kwalapho kuphawuliwe, Umbhalo uthethwekuNKJV yeBhayibheli. Copyright 1979, 1980, 1982 yiThomas Nelson publishers. Isentshensiswa ngemvume.

## Okuqukethwe

<b>ISANDULELO</b>	<b>8</b>
<b>UHLELO 1</b>	<b>14</b>
<b>ISAPHLUKO 1 - ISITHELO</b>	<b>15</b>
<b>ISAPHLUKO 2 - UMFULA OGOBHOZAYO</b>	<b>27</b>
<b>ISAPHLUKO 3 - IZIGQILA EZWENI LESITHEMBISO</b>	<b>60</b>
<b>ISAPHLUKO 4 - UNGUBANI UNKULUNKULU</b>	<b>70</b>
<b>ISAPHLUKO 5 - HLALA</b>	<b>80</b>
<b>ISAPHLUKO 6 - HAMBAB</b>	<b>90</b>
<b>ISAPHLUKO 7 – IMA</b>	<b>96</b>
<b>UHLELO 2</b>	<b>106</b>
<b>ISAPHLUKO 8 - GIJIMA UMJAHO</b>	<b>109</b>
<b>ISAPHLUKO 9 - ESIPHAMBANWENI</b>	<b>119</b>
<b>ISAPHLUKO 10 - UKUSINDISWA</b>	<b>140</b>
<b>ISAPHLUKO 11 - UKUBHAPHATHISWA NGOMOYA OYINGCWELE</b>	<b>151</b>
<b>ISENGEZO A - UHLU LWEZIFUNDO NGE ISOB</b>	<b>167</b>
<b>OKOKUGCINA</b>	<b>170</b>

## **Mfundi Othandekayo:**

Emva kokumlandela uJesu kusukela ngo 1979, ungithume ukuba ngibhale ngakho konke angihambise kuko izikhathi ngezikhathi. lapho kungekho enye elula indlela yokuthela iSithelo, noma eyokukhulisa ubundlelwano bami no Jesu, futhi kunezinto eziningi okufanele uzifunde wena mathupha nje. Kunemigomo engayifunda engasusa leyominyaka yobuhlungu nokuphelelwa ngamandla empilweni yakho.

Lencwadi inezifundo eziyishumi nye zikaKhula noma Yifa. Kunezinye ezingeziwe ezinqaphezu kwaso ongazithola ku website yethu.

Abanye sebazihlanganise nesikole sobufundisi iISOB, kube nabanye abasebenzisa lezizinsiza lapho behlangene befunda. Noyedwa uyakhona ukuzifundela, abanye bebone sekutshaleka amabandla kaKrestu ngenxa yabaholi abaveza izithelo ngenxa yaloluhlelo.

Inkosi isambulele ngokwanda kwabafundi. Amahubo 68:11 athi, “iNkosi yasho ngezwi: zanda izixuku ezishumayeza izwi.” Amose 9:13 uthi “Bhekani izinsuku ziyeza, isho inkosi, lapho olimayo ayakufica ovunayo, nonyathela izithelo zomvini ohlwanyela imbewu. Izintaba ziyakuconsa iwayini, amagquma onke ancibilike ngayo.”

Sibone inani elikhulayo labafundi ngalencwadi nezinye izincwadi zethu ezinikezwa mahhala. Ngaphandle kokuba size kubo ukuzobafundisa, lencwadi izokufundisa ikuvivinye ukuze nawe ufundise abanye abaningi. Nabo labo bayohamba bafundise abanye. Ulwazi lwethu lwakhe amabandla ngabaholi abavivinya bafundise abanye abaholi, umoya oyingcwele uvuse abaholi ezimpilo zabo zakhwe yilencwadi nezinye. Ngokuvutha kwabo, kwafinyelelwa ezizweni nasemabandleni, nokukhula kwaqhubeka njalo-njalo. Zibheke ngentshisekelo enkulu kulokhu iNkosi ikwenzayo neqhubeka ukukwenza.

### **YINI UMAHLUKO NGALENCWADI?**

Incwadi uKhula noma Yifa ingcotshelwe ukufundisa noma yiliphi ikholwa ukuhlobana noNkulunkulu ngobumathupha ngqo. Lobuhlobo bese benza izwi lika Nkulunkulu litshaleke njengembewu enhlizweni yekholwa (NgokukaMarku isahluko 4). Bese lembewu iyakhula. Uma lowomhlaba unakekelwa, bese kulandela isithelo. Sadalelwa ukuzala izithelo. Uma uqhubeka nokufunda uyobona ukuthi lezizithelo zisinika konke esikufunayo empilweni nakuNkulunkulu (2 NgokukaPetru 1:3). Loku akusinje engikufunde ezwini lika Nkulunkulu, kepha ngengikufunde kuye lapho sengiphelelwe yilo lonke ithemba, lokhu kwangenza ngathela izithelo ngaphila nalempilo uJesu asethembisa yona. UJesu uyakhazimuliswa uma sithela izithelo (NgokukaJohane 15:8).

Lesibalo esichazwayo kuyinto eyayilungiselelwe nguNkulunkulu. Sifisha isikhathi. Vutha!

**Siyakubusisa ohambeni lwakho noJesu,**

**NguLarry Chkoreff**

**UMongameli**

**International School of The Bible – 1999 - updated 2009**

Lencwadi iyisibusiso kubangane bami bempela ababili, uJesu nonkosikazi wami omuhle kuNkulunkulu, uCarol, yena ongikhuthaze iminyaka ngeminyaka ukuba ngibhale lezi zifundo, ezigcine zahlangana zenza lencwadi. Ngiyababonga nabangane beISOB mhlabawonke laba, ukusuka ngo 1998, abafundisa ngalezizifundo bangikhuthaza ngalomsebenzi wesithelo.

## PHAMBILI, NGU DAVE MORE

“Ungajahi, uNkulunkulu uzokuhambela ngaphambili, uNkulunkulu ka Israeli uzokulinda nangasemva.” - Isaya 52:12

Kucaca kancono kunakucala, ukuthi uNkulunkulu usibizele ukuba sakhe abafundi.

Umbuzo ocacile yilo, lapho sisindisiwe sanikezwa ivangeli kufanele senzeni? Silandele isibonelo uJesu asishiyele sona, sakhe abafundi, sizinikele kubo!

Sibathathe kusukela ekuphendukeni kwabo sibasize babe yisibonelo sikaKrestu, bazinikele, bazimisele, ngamandla nokuthela izithelo. Lababafundi bazokhona ukwenza okufanayo nakwabanye. Lenqubo ibaletha empilweni egcwalisiwe yokusindiswa namandla okuvuswa kuka Jesu Krestu ngumoya oyingcwele. Uma siqhubekela phambili sibafundise ukuveza onke amagumbi ezimpilo zabo phambi kuka Nkulunkulu, bazinikele bazidele Kuye. Yilobu “Buhlobo obufunekayo.” Bese sibasiza bangene ohlotsheni lwempilo yemihlangemihla kaNkulunkulu. Uhlobo lwempilo olufuna ubukhona bukaNkulunkulu mihlayonke. Emva kokufundisa ngo “Khula noma Yifa” kubafundisi nabagcotshwa eAfrika yonkana. Ngazi ukuthi lesisifundo sigcotshelwe ukufundisa iqiniso ngezwi leNkosi. Asikhulumeli izwi leNkosi. Singabaholi ezwini eliholela ekubeni ngu “Makhi Bafundi”. Silandela umyalo nesibonelo uJesu asishiyela sona. “Hambani nakhe abafundi kuzo zonke izizwe”(NgokukaMathewu 28:19), ngakho silungisa umakoti uKrestu eseza! Nake nakubonaphi umkhwenyana elungisa umakoti? Umakoti kufanele azilungise yena. Bangingi abafundisi abangibuza bathi “yini okwedlula ukuletha umuntu kuKrestu?” Ngiphendule ngokuthi “ukunaka ukuthi lowomuntu uyakhula abe ngumfundi oqotho oholela omunye ku Krestu....njalo....njalo...njalo!” Ukuze umzimba kaKrestu uphelele” (KwabaseEfesu 4:12).

Dave More, Umongameli-Umqambi

InJesus Global Missions

[www.inJesusGlobalMissions.org](http://www.inJesusGlobalMissions.org)

InJesus Global Missions

### **Lomthandazo uphezu kwabo bonke abafunda lencwadi.**

Isiphambano. Siyabonga, Nkosi Jesu Krestu, ukunqoba kwakho esiphambanweni. Ngiyabonga ngoba nathi sabethelwa kanye nawe.

Isihogo. Siyabonga, Nkosi Jesu Krestu, ukungena kwakho esihogweni uhluphekela thina.

Ukuvuka. Siyabonga, Nkosi Jesu Krestu, ukuthi wavuswa kwabafuleyo, nathi savuswa kanye nawe sesihlezi endaweni yezulu ngoKrestu.

Ukugcwaliswa. Siyabonga, Nkosi Jesu Krestu, ukusigcwalisa kwakho ngomoya wakho oyingcwele.

Ukuhlupheka. Siyabonga, Nkosi Jesu Krestu, ukusibona kwakho sifanele ukuhlanganyela kanye nawe ekuhluphekeni. Siyabonga Ukuthi ngamandla akho okuvuka ekufeni inhlupheko iba impumelelo.

Ukunqoba. Siyabonga, Nkosi Jesu Krestu, lokukunqoba osithembisa khona empilweni namhla naphakade.

## *Isingeniso*

### **Uke wazithola ungenanhloso futhi ungenathemba?**

Uke wazimangala kwangathi uyinyoni noma (igundane) elibanjiwe esithiyweni noma kunoxhaka, lapho kungekho ongakwenza? Uke wazibuza ukuthi ngabe uNkulunkulu ufunani kuwe noma ufuna wenze njani kulempilo? Uke ucabange ukuthi ngelinye ilanga uzokufa uye ezulwini, kepha ufikelwe ukucabanga ukuthi ngabe uNkulunkulu ukuyekile ukuba uzenzele indlela wena manje lapha kulempilo. Uma kunjalo nakhu okukufanele. Ngisho nabakholwa kuJesu bayake bazizwe njalo esikhathini esiningi.

Kwesinye isikhathi ukuzama ukuzenzela impilo ibe kahle kuba inhloso yethu. Komama kusho ukukhulisa abantwana ngendlela kaNkulunkulu, ukubondla nokubanakekela. Kunkosikazi kusho ukukholisana nomyeni wakhe nokuhlangabezana nezidingo zomyeni okuletha isiciniseko empilweni, nobuhlobo beqiniso emshadweni. Endodeni okujwayelekile ukuthi izame ukunelisa umndeni wayo futhi ibaluleke empilweni; ifuna ukunconywa. Kumunt'omusha wukufuna indawo yakhe empilweni, emsebenzini nasemshadweni. Imvama kuba yinhloso yokuba sikhone ukunqoba izinkinga empilweni zethu. Noma kanjani, umasiphumelela asipheleli lapho, kepha uma sihluleka sizizwa sidumele futhi siphelwe nayithemba.

### **Yini impendulo? Vuma uJesu ngokuphelele!**

Uma sinjengakwabase Galathiya 2:20 othi, sabethelwa noKrestu, uKrestu uphila impilo yakhe kithi, ngakho ngeke sazizwa sikahle ngaphandle kokuthi inhloso kaNkulunkulu kube yinhloso yethu.

Ukumvuma ngokuphelele, nokumcela ukuba enze inhloso Yakhe kubeyinhloso yakho, yikho kuphela okuletha ukuthula empilweni yakho. Ibhayibheli lithi inhloso Yakhe kuwe iphelelisiwe, yapheliswa yabekwa ngaphambi kwesiqalo somhlaba. Kunenhloso elungiselelwe impilo yakho. Ukufuna uphelele uthole okudingayo, empilweni, emizweni nasemoyeni.

### **Thola isifundo esisebenzini sika Abrahama.**

*Zonke izidingo zalesisebenzi zafezwa nguBaba ngoba isisebenzi sasimlalela futhi sivumelana naye.*

Bheka uGenesis 24. UAbrahama (umele uBaba) uthumela isisebenzi (simele umoya oyingcwele - ohlala kuwe nakimi) ukuyofuna umakoti wendodana ulsaka (umele uJesu).

UGenesis 24:4-9 uthi, “kepha uzokuya ezweni lakithi nasezihlotsheni zami, utholele indodana yami ulsaka umfazi.”

### *Isingeniso*

Ufanele ufunde wonke lomlando kuGenesis 24. Isisebenzi sathola uRebeka, yena owaphuzisa amakamela aso amanzi abese esipha naso lapho sifika kuye. Lokhu kwenzeka “ngaphambi kokuba siqedele ukukhuluma” (24:15). Enika uNkulunkulu “ucu,” ngaphambi kokuba isisebenzi sisho ngezwi, uRebeka uyavela umukela isisebenzi uthatha ucu.

Fanele sazi ukuthi ngesinjani lesisebenzi uBaba asithuma ukuyofuna umakoti.

“Wathi enduneni enkulu kuzisebenzi zomuzi wakhe, kuleyo ebheke konke anakho, ‘faka isandla sakho phansi kwamathanga ami’ ” (Genesis 24:2).

Qhaphela, uBaba akathumanga noma wubani ezisebenzini, uthumele lesi sisebenzi esibheke konke anakho.

NgokukaMathewu 24 lapho kusitshela ngesinye isisebenzi esasibekwe ukubheka konke anakho. Ake sibone ukuthi yini esizoyifunda ngaso. NgokukaMathewu 24:42-51 yisibonelo.

Okokuqala, lesisebenzi sasilungele ukuhlangana neNkosi yaso. Loku akusho ukuthi sifanele ukuhlala sizilungiselele ukubuya kuka Jesu emhlabeni ngelinye ilanga, kodwa, kepha ukuthi “abuye” manje, kulempilo, ukuze abone ukuthi sithembeke kangakanani kulokhu esinako manje.

Lesisebenzi sasithembekile. Ukuthembeka kuNkulunkulu ezintweni ezincane kubalulekile kulempilo. uNkulunkulu ufuna ukubona ukuthi siyiphila kanjani impilo mihla yonke. uNkulunkulu angeke asinika okukhulu engakaboni ukuthi siphatha njani loko okuncane esinako. Sifanele ukuthembeka kwesikwenzayo nesikuphilayo ngokomoya.

Lesisebenzi sasingumuphi wempela. Sasibheke nezinye izisebenzi. NgokukaMathewu 24:46 uthi, “kuyokuba kahle esisebenzini esitholakala senza kahle lapho umniniso ebuya”.

Lesisebenzi sasingahluphi ezinye izisebenzi.

Lesisebenzi sasingaphili njengabangakholwa.

Lesisebenzi sasihlakaniphile. Ngokujwayelekile, loku akusho ukuhlakanipha kwasemhlabeni, kodwa okukaNkulunkulu. 1-KwabaseKorinte 2:6-8 uthi “sibikezela ngombiko wokuhlakanipha kwabavuthiweyo, kepha kungesiko ukuhlakanipha kwalesisikhathi noma kwababusi bamanje, abayophelela ezeni.



### *Isingeniso*

Qha, sikhuluma ngemfihlo kaNkulunkulu, ukuhlakanipha okwafihlwa, uNkulunkulu akulungiselele umusa kithi ngaphambi kokuqala kwesikhathi. Akekho kubabusi bamanje okukholwayo, ngokuba ngabe bakholwa, ngabe abayibethelanga iNkosi yomusa”.

*Ukuhlakanipha, njengoba kuchazwa kuZaga, ngo Jesu ekhuluma umbiko wakhe kuwe.*

Izaga 4:5-9 zithi, “Hlakanipha! Yiba nolwazi! Ungakhohlwa, noma uqhezuke emazwini omlomo wami. Ungawalahli, azokonga; Wathande, azokonga, Ukuhlakanipha kuyinhloko; Ngako-ke hlakanipha. Kuko konke ongakuthola, thola ukuhlakanipha. Kudumise, futhi kuzophakamisa; Kuzokulethela udumo, uma unakho. Kuzokuthwesa ekhanda lakho umhlobiso womusa, Kuyokunika umqhele wenkazimulo”.

Uma usukholwa ngeqiniso ukuthi “uhlelo lomhlaba” nokwenza kwakho akukuniki themba, ngakho ungofanelwe wukuhlakanipha. Uma uwela kulesisigaba, phakamisa ikhanda lakho ngethemba, ngoba ungofanelwe ukungenelelwa ngamandla amakhulu omusa kaNkulunkulu.

Ingaba nzima impilo, kepha ingaphilwa ngokunqoba uma sibheka kuJesu mihla yonke.

Abantu, ongqongqoshe, abangane, ngisho nezinkonzo zingasiphoxa, kepha uJesu angeke. KubaHeberu 2:8b-9 uthi sibona zonke izinto zingaphelele manje, kepha sibona uJesu owasinambithela ukufa. Uma siqala ukubona ukuthi uJesu wasenzelani nokuthi ungubani, siqala ukumthanda.

Uma siqala ukumthanda, siqala ukwaneliswa nokwazi ukuthi lokhu esikuphilayo kuyinhloso Yakhe, futhi lokho kuyamjabulisa.

Okuhle wukuthi lapho sisahamba kulesosigaba, sibheke njalo kuJesu mihlayonke, konke esikwenzayo sikwenzela Yena, singena ezilingweni ngoJesu, sisebenzela uJesu. Lapho amehlo ethu eKuye, Ungumklomelo wethu. Akufanelanga silwe ukutshintsha impilo zethu, noma ukwanelisa izidingo zethu, noma ngokusebenzela iNkosi. Kufanele sibheke Yena sibe munye Naye sihlanganyele Naye. Sibona “umusa omangalisayo” weNkosi usihambela ngaphambili. Ngikutshela ngengikwaziyo, loku kwenza ngisho izikhathi ezinzima zibemnandi.

### *Isingeniso*

Manje sifanele sifunde ukuthi uBaba wayesiphatha kanjani isisebenzi, nokuthi yini esingakulinda kuNkulunkulu.

Ngibona uBaba avumela isisebenzi ukuveza izithelo ngendlela ezintathu:

*1. Isithelo sika moya.* Lesisebenzi sakhula esimeni sobuNkulunkulu.

*2. Isithelo sokwaneliswa kuzidingo zaso.* Bheka ku Genesise 24:10 ukuthi uBaba unika isisebenzi konke esikudinga kulelo hambo, hhayi kuphela amakamela ayishumi, kepha zonke izidingo zohambo.

*3. Isithelo sobuphathi.* Lesisebenzi sakhona ukunelisa uBaba neNdodana ngokuletha umakoti ekhaya.

Yilena ndlela uNkulunkulu angcweliswa ngayo kuphinde kube yilesi sikhathi izidingo zethu zaneliswa. "Ngalokho uBaba uyangcweliswa, ukuthi nithela izithelo; kanjalo niyakuba ngabafundi bami" (NgokukaJohane 15:8). UNkulunkulu uyangcweliswa uma nithela izithelo ngoba kungamandla Akhe nezwi Lakhe okwenza nithele izithelo. Izithelo yiyona ndlela yoqobo uNkulunkulu ayicabanga yokondla abantwana bakhe. Izithelo empilweni yethu ziletha lokho uNkulunkulu angakwenza, hhayi lokhu esingakwenza ngosizo Lwakhe.

Uma ngokuphelele sizinikela kuJesu, Yena uletha izimpilo zethu eMbusweni kaNkulunkulu.

*NgokukaMathewu 16:-17 kusitshela ngokuthi singaphila kanjani eMbusweni kaNkulunkulu.*

Ku 16:21 uJesu utshela abafundi bakhe ngokufa nokuvuka kwakhe. Loku kuyisiphambano Sakhe. Sizobheka kakhulu esiphambanweni sakhe nasegazini lesivumelwano ukuthi loku kumele ini.

Bese kuthi ku 16:24-26 uJesu uthi kufanele sithwale isiphambano sethu. Leso yisiphambano sethu, Sizobheka kakhulu ekuthwaleni esethu isiphambano ngoba kudinga abantu ababili ekwahluleleni ngegazi ukuze kuqinise isivumelwano.

Bese kuthi ku 16:28 uJesu utshela abafundi bakhe ukuthi abanye bazowubona lombuso khona manje besengakangeni ekufeni.

Ku-NgokukaMathewu 17 uJesu wakhazimuliswa wabonakala esenkazimulweni yengomuso kubafundi bakhe. Emva kwengxogxo ngo Eliya noMose nokwakha umuzi khona lapho ukuze bahlale bangcwele, uNkulunkulu wakhuluma esezulwini wathi, "Lona uyindodana Yami, engithokozayo Ngayo."

*Umasibona isiphambano sakhe, besesithatha isiphambano sethu, sizombona uJesu sizwe nezwi lakhe, elizohlanyeleka enhliziyweni zethu namandla nembewu ephilayo eyoveza izulu emhlabeni.*

**Usuphelelwe ngamandla ngokwenele?**

Kungani abaningi benze ubuKrestu bube nzima? Kungani babebancane abahamba lendlela yoMbuso bese bababangingi abaduka bengaboni lesimanga sombuso? Kungani kubenzima kwesinye isikhathi ukubonisa amaKrestu noma yini abangayenza ukuze baqondane noJesu, ukuthi bathathe isiphambano sabo, ukuthi bezwe izwi, nokuthi balithembe ukuthi lizokwenza umsebenzi kaNkulunkulu empilweni zabo nasembusweni?

uJesu usinika impendulo elula. Ngibone abantu emhlabeni qishe wonke abamukela lokhu ngibone nabantu abadukile bangamukeli. Ngithandaza ukuthi wonke ozo funda lokhu abambe.

KuNgokukaMathewu 19 lesicebi sombusi esisesesisha sixoxisana noJesu. uJesu uvele emazi ukuthi unezinto eziningi athembele kuzo; umcebo, udumo, isikhundla, inkolo, njalonjalo. uJesu umxhwayisa ngokuthi aphambane nakho konke anakho uma efuna ukuphila. Uyazi kwenzekani; wala, noJesu wezwa ubuhlungu ngoba emthanda.

Ngakho abafundi bakhe bathinteka ngalokho ukuthi ngubani ongangena embusweni. uJesu wabatshela ngomfanekiso ukuphendula inkinga yabo. NgokukaMathewu isahluko 20 uphethe umfanekiso wendoda enensimu eyaya endaweni yokuthengisa ukuyofuna izisebenzi zokuvuna ensimini.

Waqhasha indoda yokuqala ngo-denariyu ngosuku, eyiqhashela umsebenzi wosuku. Ngiyakholwa ukuthi uqhashe indoda enamandla futhi ekhuthele kakhulu kulamadoda ayisihlanu awaqasha, lena yindoda nombolo #5. Ngehora lesithathu wabuyela ukuyoqhasha enye, nayo wayithembisa iholo elihle kulesigamu sosuku, yindoda #4.

**Ngehora lesithupha wabuyela waqhasha enye. Indoda #3.**

**Ngehora lesishiyagalolunye wenza okufanayo. Indoda #2.**

**Ngehora leshumi nanye wabuyela. Indoda # 1.**

**Uma ethola lena yokugcina #1 wayibuza ihlaleleni. Lendoa yaphendula, "Ngoba akekho ongiqhashayo." Wayithatha lendoda yayo sebenza ihora elelodwa.**

Okokuqala, lamadoda ayengavilaphi, yingakho ahamba efuna umsebenzi ahlale usuku lonke elindile. Nembala kubonakala ukuthi lona wokugcina wayengakhoni kahle, hleze ubeyisishosha noma isilima. Ngikholwa ukuthi ubenganamandla njengabanye. Khumbula,

### *Isingeniso*

lomfanekiso ngowo Mbuso kaNkulunkulu ukuthi siwuthola kanjani noma nini.

Uma isikhathi sokuholela sifika, umqhashi wabiza lona osebenze ihora elilodwa kuqala, wamholela imali yosuku, Indoda #1, nalona osebenze usuku lonke, naye wathola imali yosuku, indoda #5. Ekugcineni uJesu wathi, "Owokugcina uzoba ngowokuqala. Ngoba baningi ababiziwe kodwa bancane abakhethiwe".

Lendoda yehora elilodwa ithole uMbuso kaNkulunkulu khona manje isaphila emhlabeni, njenga kumthandazo weNkosi. Mhlawumbe lendoda #5 yafa yaya ezulwini mhla ifa yathola uMbuso khona manjalo. Kepha nalona ongenathemba ongenzanga lutho olutheni uwuthola khona manje.

Kubonakalisa ukuthini ukuthi uwumukeliswa khona manje? Uma uyilendoda yehora, uzokholelwa ekuzweni lzwi leNkosi lapho uhlanganyela noJesu nokwaneliswa zonke izidingo zakho zempilo nasekukholweni - bheka 2 NgokukaPetru1:2-11. Sake sashumayela lokhu ezweni labakhuluma iSipanishi, isixuku sabaholi sakuzwa kahle. Baqamba isihloko baphakamisa izimpawu ezilotshwe ukuthi, "EL Hombre una sola hora." Indoda yehora! Singabantu behora," bememeza. Usuphelelwe yithemba ngokwanele ukuba ungazibiza "ngendoda yehora" bese umemeza uHaleluya?

Abantu abaningi baphelelwe yithemba kulomhlaba, kepha akusho ukuthi bonke abaphelelwe sebelahliwe.

Ngiyavuma ukuthi lendoda yehora yayisiphelelwe yithemba futhi isilahliwe. Ukulahlwa kusho lapho indoda noma umfazi esefike ezingeni lokugqina lapho esekholwa ukuthi akukho muntu noma inhlangotho engamsiza, ngisho nangamandla akhe. Khumbula ukuthi lendoda yehora ihlezi yalinda lapho kuqhashwa khona usuku lonke. Yayingahambi icela, noma ikhalela abantu ukuthi bayisize. Sebenzisa lokhu endleleni yakho yokukholwa, akusho ukuthi uma uNkulunkulu engenzi lutho empilweni yakho, awukho wena, ulahliwe!

Ekupheleni kwaso sonke isahluko kulencwadi, zinikeze lelihlaya:

Yini isimanga sa loMbuso?

Wubani owuthola kuqala loMbuso?

Yilokhu lencwadi nezifundiso zayo ingakho, ukuveza izithelo ezimpilweni zethu eMbusweni kaNkulunkulu kuzo zontathu lezizigaba. iNkosi ikubusise!

## **Isifundo 1**

**Izahluko kusuka ku 1-7 ziqondane ne:**

- 1. Isithelo**
- 2. Umfula ogobhozayo**
- 3. Izigqila ezweni lesithembiso**
- 4. Ungubani uNkulunkulu**
- 5. Hlala**
- 6. Hamba**
- 7. Ima**

# Isahluko 1

## Isithelo

### **Uke wayibuza lemibuzo?**

Yini uNkulunkulu ayilindele kimi emhlabeni ngisaphila? Kufanele ngiphile njani? Kungani ngingaphumeleli? Uma uNkulunkulu enami, kubangelwa yini kungabonakali? Ngiyake ngizwe ngamandla kaNkulunkulu, kodwa kungenzeka ungikhohliwe uma ehamba enikezela ngeziphosho zamandla. Jakobe 2:5 uthi, "Lalelani bafowethu abazithobayo: Akakwenzanga uNkulunkulu ukukhetha abampofu ebusweni bomhlaba ukuba bacebe ngenkolo nokuba yizindlalifa embusweni awuthembisa labo abamthandayo?" (Isichasiso sobumpofu: ukungabi namcebo, nasithunzi, nasikhundla, ukungahlonipheki, ukungabinasizo, ukungabinamandla okuphelelisa izinto, okukwenza ugcine uyisiceli, ucela, ucela ngisho nokulahlwe).

*Sonke sinezidingo zoqobo.* Ezinkulu ezintathu yilezi, uthando, ukuvikeleka nokubonwa. Phakathi kwalezi, sinezidingo "zemizwa". Abanye badinga ukudla nezimpahla, abanye badinga ukuthi abantwana babo bamazi uNkulunkulu, abanye badinga ukuphiliswa emizimbeni yabo, uhlu luya njalo njalo.

### **Konke okwethu kusebukhoneni Bakhe.**

KwabaseFilipi 4:19 uthi, "kepha uNkulunkulu wami uzokwanelisa zonke izidingo zakho ngomcebo wakhe nenkazimulo ngo Jesu Krestu." Uma uNkulunkulu ezokwanelisa zonke izidingo zakho nge "nkazimulo," ngakho sekufanele ukuba wazi ukuthi ikuphi lenkazimulo, ubese uya khona; ngoba hleze uzoba ulinde endaweni okungeyona uNkulunkulu ahamba kuyo. Uma ngime esiteshini sesitimela ngilinde ibhasi, Ngeke ngiyithole ibhasi. Kufanele ngithole ukuthi siphilise sebhasi! Kuhle, kufanele ngithole ukuthi ikuphi lenkazimulo. Leligama "inkazimulo", uma silisho kuNkulunkulu, kalula lisho ubukhona Bakhe.

Sifanele singene ebukhoneni Bakhe simuzwe ekhuluma Izwi Lakhe kithi. Izwi Lakhe liba yisithembiso nembewu ehlanyekeka njalo enhliziyweni yethu ithele izithelo uma siphatha kahle imbewu.

### **Ukuthela izithelo ngokumqoka kuNkulunkulu.**

**"Loku ngokwenkazimulo kaBaba, ukuthi nithele izithelo eziningi, nibonakalise ukuthi ningabafundi Bami" (NgokukaJohane 15:8).**

***Sifanele siqondise kabusha imizamo yethu siyisuse kunoma ngabe yini esasiyenza sizimisele ngokuthela izithelo.***

***uAdamu wadalelwa ukuthela izithelo, manje thina-ke?***


### Isahluko 1-Isithelo

“uNkulunkulu wababusa wathi kubo,’ Zalanani nande, nigcwalise umhlaba niwubuse. Nibuse izinhlanzi zolwandle nezinyoni ezindiza emoyeni nako konke okuphilayo okuhamba emhlabeni.” Wase uthi uNkulunkulu,’Ngikunika zonke izitshalo ezithela imbewu emhlabeni wonke nazo zonke izihlahla ezithela izithelo ezinembewu. Ziyoba ngezakho njengokudla” (UGenesise 1:28-29).

UJesu ubesitshela ukuba sishintshe, siphenduke ekuzameni ngenhlupheko ukufeza izidingo zethu, sibe ngabathela izithelo. ”Kusukela ngaleso sikhathi uJesu washumayela, ’Phenduka, ngokuba uMbuso wezulu ususondele” (NgokukaMathewu 4:17). Ukuphenduka kusho ukujika utshintshe indlela. Uma ungenza njalo, uzothola uMbuso kaNkulunkulu uduzane nawe ukuze ukhona ukuwuthinta.

Ngokumangala ungabuza, uthini Yena, Ngishintshe kuphi? Uyini wona uMbuso kaNkulunkulu? Ngiyathemba ukuthi sifanele sishintshe lendlela yempilo yasemhlabeni siye endleleni yoMbuso kaNkulunkulu yokuphila. Ngiyakholwa ukuthi loku kudingekile empilweni yethu yonke. Ngikholwe futhi ukuthi uJesu wayengasho nje , “Yekani ukona niphenduke kulamasiko enu.” Qha, uJesu wayesinika indlela yokuphila.

Abantu basebenzisa zonk’izindlela zohlelo lomhlaba ngisho namandla abo ukuze banelise izidingo zabo. Esikudinga nje kwampela wuthando, ukuvikeleka, nokubonwa (ukubaluleka).



**Akakubhalanga yini uPetru ukuthi izithembiso zika Nkulunkulu zisinika konke esikufunayo empilweni nase kukholweni na? Funda ku 2KaPetru 1:3-4.**

Uma izidingo zabo zingeneli, abantu abafuni ukuvuma ukuthi umhlaba ungeke wabanelisa izidingo zabo. Bazama ukuzenelisa ngokuzitshintsha noma bazenze kancono, bacabanga ukuthi bazophumelela. Bacabanga ukuthi kukhona okungalingile ngabo. Bazizwa benecala, babona uNkulunkulu kabi, Usathane uyawakhulisa amanga, bawathande lawo manga, Bangabaze izwi leqiniso likaNkulunkulu.

### **Manje yini impendulo?**

Siwuthola kanjani uMbuso kaNkulunkulu ngokuphenduka? UJesu wathi kungokukaMarku 4:11 , uMbuso kaNkulunkulu ubonakaliswa kumfanekiso wokuhlanyela nokuvuna. Ukuhlanyela nokuvuna ini? Ukuhlanyela nokuvuna iZwi leNkosi!

*Isiphetho somphumela womhlanyelii yisithelo.*

UJesu uthi kuNgokukaMarku 4 wonke uMbuso kaNkulunkulu usebenza ngalendlela. Uthi lokhu kuyisimanga soMbuso. Yini isimanga? Leyompilo itholakala ngeZwi leNkosi elihlanyeleka enhliziyweni yomuntu. Lohlelo lokukhula lwenzeka njalo kanye-kanye nokukhula ebuhlungwini. Lobuhlungu obuvela lapho usathane ezama ukutshintsha iZwi lapho usalindele “ukubuya kweNkosi” nesithelo. uJesu uthi kufanele sibe ngabantu abancike Ezwini kakhulu kunokuba sibe ngabancike kithi, noma ohlelweni lomhlaba. Indlela yokuthembela kuNkulunkulu yindlela yokuthembela emandleni amakhulu Ezwi Lakhe!

Akunasidingo sokuba sibe nolwazi olukhulu lochwepheshe ukuze siphile, njengoba sifanele ukuba nolwazi lokusebenzisa iZwi likaNkulunkulu. Enye indlela yokusho loku yile; phenduka (suka kuloku obeke ithemba lakho kuko ngalesidingo sakho esikhulu, suka kulokuthembela kuwe nohlelo lomhlaba) ngokuba uMbuso kaNkulunkulu (isibonelo., indlela kaNkulunkulu ichazwa kuMarku 4 njengokuhlanyela imbewu Yezwi likaNkulunkulu enhliziyweni yakho, uyivumele ikhule ize iveze konke okufunayo empilweni yakho nokukaNkulunkulu, ukuzalela ubungcwele bukaNkulunkulu izithelo)ususondele.

*Vumela umusa kaNkulunkulu ungenelele empilweni yakho.*



## ***Isahluko 1-Isithelo***

Funa kuqala iqiniso noMbuso kaNkulunkulu, kuze zonke izinto ozifunayo unikezwe zona, zizokufikela njengegatscha lomvini lifikelwa yisithelo (NgokukaMathewu 6:33).

Izenzo 26:18 zithi uma siguquka, noma siphenduka siyazikhipha emandleni kasathane bese singena emandleni kaNkulunkulu.

Kunezinhlobo ezintathu zezithelo, esako konke esikudingayo nesako konke uNkulunkulu akudingayo kuwe.

**1. *Isithelo sikamoya.*** Esangaphakathi. Lesi wumumo kaNkulunkulu. Lesi yisithelo esikwenza ufane noJesu. Funda kwabaseGalathiya 5:22-23. "kepha isithelo sikamoya wuthando, injabulo, ukuthula, ubumnene, ukulunga, ubukahle, ukuthembeka, ukubekezela, nokuzibamba. lokhu kuyawunqoba umthetho."

**2. *Isithelo empilweni yethu.*** Lokhu kuhlanguka konke, umndeni, impilo nomzimba, nezimali, njalo njalo. Loku kuyahambisana no 3Johane 1:2 othi "Bathandekayo, nginifisela ngaphezu kwako konke ukuthi nicebe niphileke, nicebe ngisho nasemoyeni."Ngibone okuningi kwami kulunga lapho impilo yami ishintsha. Funda 1KwabaseKorinte 9:7, Ngubani oyisotsha elizina kekelayo? Wubani ohlanyela isivini angadli isithelo, olusa imfuyo angaphuzi ubisi lwayo? NgokukaJohane 4:36,"Namanje umlimi uyahola, bheka manje uvuna isithelo saphakade,ukuze umhlanyeli nomvuni kujabule kanye-kanye".

*Ubufakazi bami.*

Kwabakhona isikhathi emva ngo 1983 lapho singanamali kahle yokufeza izidingo zethu. Ngaphuma ngabangedwa noNkulunkulu epaki lesigodi, ngihamba nje ngikhahla-khahlela amatshe, ngimtshela ngezinkinga zami.

Wakhuluma sobala wathi, "Larry, uma uzokholelwa ku 2BaKorinte 9:8, umbeke emlonyeni wakho, umfake enhliziyweni yakho, uma ungaphinda-phinda umkhulume ngosuku kaningi njengendlela ongakhona ngayo, Ngizokunelisa izidingo zakho. Ngamanye amazwi, ngitshele inani lezinto ozifunayo."Ngakho ngamtshela uNkulunkulu ukuthi okungenani mangikhone ukondla umndeni wami. Kungakapheli izinyanga ezinhlanu imali yethu yakhula yafika kuloku ngitshele iNkosi kona! Nanoma, okubonakala empilweni yami manje nginako, angivume ukuthi kube yiminyaka kuze kufike manje, nganginika ngokomnikelo, ngisho noma imali engakanani kulokhu enginakho.

## *Isahluko 1-Isithelo*

**3.Isithelo sokuhamba amazwe ufundisa.** [missionary] Izithelo zokunye noma ubufundisi. "Ngalokhu uBaba uyakhazimuliswa, ukuthi nithela izithelo eziningi; ngakho niyakuba ngabafundi bami" (NgokukaJohane15:8). Imisebenzi yethu kuNkulunkulu ayibalwa kangaka, ngaphandle kokuba kube yizithelo kungabi yimisebenzi yenyama.

**Sonke isithelo sinehlanyelo ngaphakathi kwaso ukuze sizale.** Genesise 1:11 uthi, "UNkulunkulu wathi, 'Umhlaba mawuveze imifino: izihlahla ezinehlanyelo nezinezithelo ezinembewu kuzo, ngokuhlukana kwenhlobo zazo, 'futhi kwabanjalo" Uma lenxenywe yangaphakathi yesithelo ikhula ngaphakathi kwethu, isakaza imbewu eveza izithelo zangaphandle, noma intshumayelo kwabanye.

### **Ubufakazi bami.**

Angikaze ngicabange ukwenza ibandla ISOB. Bengithanda kakhulu ukumsebenzela uNkulunkulu, nanoma. Ngo 1995 uNkulunkulu wakhuluma nami ngendlela ezimbili. Ukhulume Amahubo 68:11, athi, "INKosi yasho ngezwi; zaba ziningi izixuku ezakufakaza loko" (Amahubo 68:11). Wathi kimi uma ungabhala ushicilele izwi, uzokwenza Yena ukuthi izixuku zabantu ziyokushumayela, noma zibhale futhi. Wabuye wakhuluma kimi ngoMarku isahluko 14 lapho akhuluma ngomfazi owaphula imbiza yakhe yamafutha ukuthela amafutha adulayo kuJesu. uNkulunkulu wakhuluma kimi wathi, "Larry, Uzothatha amakha akho uwathele emzimbeni wami, njengoba akahle kimi?"

Lawamazwi (rhema) avela kuNkulunkulu abayimbewu enhliziyweni yami, futhi manje aseveza izithelo! Into ejabulisayo ukuthi, lenhlanyelo ikhula njalo iya phambili nayo yonke inxenywe yesithelo, loko kwenza isithelo sikhule sande! Sasinjalo namanje sinjalo, futhi into emnandi wukuthi angimsebenzeli kanzima. Eqinisweni ngisebenzile kanzima, kepha kuphela kuloku engangizwa uNkulunkulu ekusho enhliziyweni yami. Ngaqala ukuyeka amasu ami."

### **Isebenza kanjani lembewu, noma leliZwi?**

KuMarku isahluko 4:1-21 kusitshela ngomfanekiso womhlanyeli. Wonke loMbuso usebenza ngalesisimanga. "Washo kubo, 'Imfihlo yoMbuso kaNkulunkulu inikwe nina. Kepha kubo bonke abangaphandle konke kukhulunywa ngemifanekiso. Ngaphandle kwalomfanekiso awukho omunye eningawuzwa'"(NgokukaMarku 4:11).

Ngalomfanekiso uJesu usinike indlela elula yokuyisebenzisa ukuze sihambe eMbusweni sinezithelo ukuze sibe sijabulisa Kuye.

*Isahluko 1-Isithelo*

**Akubandlululwana emncintiswaneni, emfundweni, ekukhuleni, kubulili, ekuhlakanipheni, kusimo semvelo nokuthi ngabe uvela kuwuphi umndeni. Qha!**

***Funda ku NgokukaMarku 4:1-21. NgokukaMarku 4:11 uthi, "Washo kubo, 'Imfihlo yoMbuso kaNkulunkulu inikwe nina.'" Marku 4:14 uthi, "Umlimi uhlanyela Izwi".***

***Awusebenzi kuphela njengehlanyelo, kodwa njengembewu yesinaphi.***

Marku 4:30-32 Uphinde wathi, "sizothi ufana nani uMbuso kaNkulunkulu na, noma sisebenzise muphi umfanekiso ukuwuchaza? Ufana nembewu yesinaphi okuyiyona mbewu encane oyifaka emhlabathini. Yebo, lapho isihlanyelwe, ikhula ibe yisihlahla esikhulu kunazonke izitshalo esivandeni. Isihlahla esinamagatsha amakhulu lawo izinyoni zezulu zikhona ukuhlala (ukwakha izidleke) emthunzini waso."

***Inhlanyelo yesinaphi yiyona encane kakhulu eyaziwayo.***Yonke inhlanyelo yemifino ikhula ibe yizitshalo, kepha inhlanyelo yesinaphi ikhula ibe yisihlahla! Akujwayelekile ukubona into encane kangaka enganakeki iveza into enkulu kangaka! Akujwayeleki naloku ukuthi isithombo siphenduke isihlahla. Kunjalo-ke ngembewu yeZwi likaNkulunkulu noMbuso Wakhe. Alibonakali lingakanani iZwi, kodwa lizokunelisa zonke izidingo zakho nabo bonke abaseduze nawe nabo bonke abamethembayo, njengoba isihlahla sesinaphi senza ezinyonini. Funda ku NgokukaLuka 17:5 ngokholo lwembewu yesinaphi.

## Isahluko 1-Isithelo

**Wonke umuntu ufanele akhethe enye yalezizindlela ukuba aphile impilo yakhe.**

Umbuso wase mhlabeni	Umbuso kaNkulunkulu
Usathane uyinkosi	UJesu uyiNkosi
Uba yisigqila sakhe	Uba yisigqila sakhe
Usebenzisa amandla akho ukuzinelisa	Usebenzisa Izwi lakhe ukuzinelisa
Uphila impilo yakho ngeze elikuyisa ekubhubheni	Uphila impilo yakho ngezinto ezikunikeza ikusasa laphakade

Kepha qaphela! USathane namademoni akhe bazimisele ukutshontsha imbewu kuwe. Angeke bakuyeke nje bavumele imbewu yakho ikhule ngaphandle kokukuhlasela!

Kukhona indlela yokuthi imbewu ikhule, uma lendlela ingalandelwa, isithelo siyafa. Sinezindlela ezimbili kuphela, Khula noma Yifa!

Nasi isihloko sika “Khula noma Yifa”. Yindlela kaNkulunkulu yokuthela izithelo.

**1) Masibuyele ezwini uma sifuna ISITHELO.**

**2) Sifanele sazi ukuthi singahlangana njani noNkulunkulu, lokhu kutholakala esahlukweni -UMFULA OGOBHOZAYO.**

**3) Sifanele sazi ukuthi singaphuma njani futhi sihlale njani singezona iziboshwa EZWENI LESITHEMBISO.**

**4) Sifanele sazi kancono ukuthi uNkulunkulu unjani nokuthi- UNGUBANI UNKULUNKULU.**

**5) Kufanele sizazi ngeqiniso ukuthi singobani kuJesu - UKUHLALA.'**

**6) Kufanele sithwale isiphambano sethu sihambe ngokuthembeka Ezwini - HAMBANA.**

**7) Kufanele sazi ngosathane nokuthi uza kanjani ukuzotshontsha Izwi; nokuthi SINGAMA kanjani siqobe size sibe nezithelo.**

---

<sup>1</sup> Isihloko, Hlala, Hamba, Yima zicaphunwe kumibhalo ka Watchman Nee.

## *Isahluko 1-Isithelo*

Lezi kuyokuba izihloko ohlwini lwezifundo kuKhula noma Yifa. Zisembhalweni, ziyasebenza, ziyilokhu Izwi lifundisa kona, futhi ngiyakufakaza ukuthi uNkulunkulu akakaze ahluleke ukusebenzisa landlela empilweni yami.

KuNgokukaJohane 15:18-27 uJesu usixwayisa ngokuthi inxenye yendlela yokuthela izithelo ukuzingelwa nokuhlupheka, kodwa nokuthi Umoya oyingcwele uyobakhona njengomduduzi.

“Khumbulani lamazwi engiwasho kini: ‘Akukho sisebenzi esingaphezu komcashu waso.’ Uma bangizingela kimi, nani bayokunizingela njalo. Uma balalela izifundiso zami, bayokuzilalela nezenu” (Johane 15:20). Baningi abantu izidingo zabo zingagcwaliseki ngoba usathane nezinceku zakhe beza batshontshe Izwi kubo ngaphambi kokuba lizale isithelo. Kufanele sazi ukuthi ukuzingelwa, ukulingwa, nezinhlupheko esihlangana nazo akusho ukuthi isithelo asikhuli; Ngeny’indlela loko kuyizimpawu zokuthi isithelo siyakhula. Kufanele sihlakaniphe!

Imbewu idinga ukunakekelwa.

Idinga uhlobo lwamanzi nezithako. Kufanele singeze kulembewu ehlanyelwe. Kunenqubo ngaphakathi kwekholwa elikholwa uJesu Krestu uma likhula. Ukuzwisisa leyonqubo nendlela, nokubambisana noNkulunkulu kulendlela, kuzoqinisekisa ukuthi lelikholwa liyaKhula. Sinethemba lokuthi landlela ka-Khula noma Yifa inamanzi, namavithamini nezithako ezidingekayo ekukhuleni.

Ukugxeka noma ukwala ukubambisana noNkulunkulu, eqinisweni eliphelele kuyobeka ikholwa ekubeni “yiSigqila ezweni Lesithembiso.” Amalrayeli afinyelela ezweni lesithembiso. Encwadini yaBahluleli, abantu baNkulunkulu, nanoma babenesivumelwano noNkulunkulu, baba yizigqila zezitha zabo. uGidiyoni nabantu bakhe bayisibonelo sezigqila eziya enkululekweni.

Ngendlela efanayo, ngisho nanamuhla, abantu bakaNkulunkulu bangaba yizigqila zokwesaba, bezizwe benecala, beluthekile, bephikwa, bebhekelwa phansi, benokuziqhenya nokunye okuyizitha zikamoya.

Indlela yokuxwaya ukuhlala uyisigqila wukukhula! Isiphetho sendlela yokukhula yisithelo. Isithelo wumphumela wokuhlala emvinini okuyokhulisa “ubuholi” kulelo nalelo kholwa. Bheka encwadini yeSambulo. Isiphetho somphumela emva kwazo zonke lezozimpi yisithelo, njengoba kuchazwa kuSambulo isahluko 20-22.

## *Isahluko 1-Isithelo*

### **Kunezinhlobo eziwu 7 ezinkulu ehlelweni lukaKhula noma Yifa zokukhula:**

Thela isithelo	(Inhloso yokuthela isithelo)
Umfula ogobhozayo	(Ubuhlobo noNkulunkulu)
Izigqila ezweni lesithembiso	(Izinga lokukhona)
Ungubani uNkulunkulu	(Isimo sikaNkulunkulu)
Hlala	(Umumo wethu kuJesu)
Hamba	(Igunya lethu)
Yima	(Ukunqoba ekuhlaseleni)

Lezi “yizifundo eziyisikhombisa eziholayo” ezenza Isigaba 1 Uhlelo 1.

Isigaba 2 Uhlelo 2 siqukethe ezingeziwe izifundo ezibalulekile, uGijima umJaho, Isiphambano, Amadimoni neNsindiso nokuBhabhathiswa eMoyeni Ongcwele. Esinye nesinye salezigaba ezingaphezulu sineziqo ezimbalwa zezifundo ezingafundwa ngumfundi ukuze aqedelele lesifundo esingeziwe. Ngalesifundo esingeziwe, ungakhetha ukuma uma usufunde wazwisisa lezifundo eziwu 11 kulencwadi, noma ungaqhubeka ukuqeda lesisifundo, esiphethe izifundo ezidlula ku 100.

Kubalulekile kithi ukuba sazi ukuthi sifunda kanjani nokuthi sihamba kanjani emoyeni.

Asifundi izinto zikamoya uma sifunda izinto zasemhlabeni, ngalolwazi esilufaka ezingqondweni zethu. Kuyiqiniso, ingqondo zethu ziyinxenye yokwenza loku. Kepha, kuNkulunkulu sithola isambulo, isambulo sezinto ezambulwa esezavalwa kithi. Usathane uvala amehlo ethu omoya ukuba singaboni (2baKorinte 4:4) okubalulekile nokufanele sikwazi, kepha, ngukuthi uma sithola lesisambulo, sisithola njengembewu, kungakabi yisithelo. Ngako konke okuncane uNkulunkulu asambulela khona, sikuthathe ngendlela yokuthi ungubani uNkulunkulu, Hlala, Hamba noYima. uNkulunkulu usikhombisa okuthile Ngaye, bese ukufaka empilweni yethu (Hlala), ngako kufanele simlalele sikuHambe loko. Kuyiqiniso, usathane uza ukuzotshontsha iZwi, ngako kufanele Sime. Uma sidlula kuko konke loku siyothela izithelo. Bheka kuMarku isahluko 4 ukuthola isiqiniseko sezwi.

## *Isahluko 1-Isithelo*

Ngako, lendlela yobufundi akusona isigameko sodwa empilweni yethu. Qha, yindlela eqhubekayo okufanele sihambe kuyo njalo-njalo, futhi ngaso sonke isikhathi empilweni zethu. Akupheli. Singathi simele umphumela owodwa kepha inhlalo yethu iveze okunye empilweni yethu.

Ukulandela kuwumdwebo wesifundo sohlelo luka Khula noma Yifa.

*Isithelo* (lesisifundo). Ukuthemba uMbuso kaNkulunkulu; neZwi likaNkulunkulu.

*Umfula ogobhozayo*. Ukugcina igatsha nomvini kuhlange ngokuhlanganyela noJesu. Sidinga ubukhona bukaNkulunkulu mihla yonke empilweni zethu. Loku kusembhalweni, futhi kuyindlela elula nje yokwenza lapho uthandaza ngasese. Hezekeli 47 usitshela ngomfula ogobhoza kusuka ethempelini likaNkulunkulu ugobhozela olwandle lokuduka kwabantu. Siyithempeli likaNkulunkulu. Ubuhlobo buholela enkonzweni yeqiniso!

*Izigqila ezweni lesithembiso*. Masikhululeke ukuze singabi yilamagatsha aphonswa emlilweni wokungatheli sithelo. uGidiyoni uyisibonelo kithi njengom-Israyeli owayenesivumelwano noNkulunkulu ezweni lesithembiso uNkulunkulu amthembisa lona, kepha wayeyisiboshwa ezitheni zakhe. Yizitha ezinjani ezisigcina siboshiwe? Sikhululeka kanjani?

*Ungubani uNkulunkulu*. Sidinga ukukhunjuzwa masisha ukuthi uNgubani, nokuthi ngaphandle Kwakhe akukho esingakwenza. Siyothola umfanekiso ngokushesha wokuthi uNkulunkulu unjani. Siyothinta okubonakalisa ubuthathu Bakhe, uBaba, iNdonana, noMoya ongcwele. Siyothinta Izwi likaNkulunkulu, nokuzala kwentombazana emsulwa nokuthi uNkulunkulu ungubani manje.

*Hlala, Hamba, Yima*. Njengomfundi kaJesu Krestu kubalulekile ukwazi nokuqonda ukuthi ufundani nokuthi kanjani. Zingaba ziningi izinto ezahlukahlukene oyofisa kwangathi ungazifunda. Ngokujwayelekile imibhalo nemithetho iyobonakala iphikisana ilwa yodwa.

Ngeny'indlela, kufanele siphokophelele ukuphila impilo engcwele. Kwesinye isikhathi, kunomusa njalo ekuhlulekeni kwethu. Ngako senza njani? Siyaziphatha sibuye siphile kahle, noma siphila lempilo endala yokona silindele umusa kaNkulunkulu?

Lombono wokuHlala, Hamba, Yima uyoqeda lempikiswano ekhona. Encwadini yabaseEfesu, yonke lemibono emithathu iyakhulunywa. Ukholo olukhulu lubekwa kuWatchman Nee nencwadi yakhe, Hlala, Hamba, noYima.(1)

### *Isahluko 1-Isithelo*

**HLALA:** KwabaseEfesu 2:6 ithi, "Futhi uNkulunkulu wasivusa kanye no Krestu wasihlalisa kanye Naye ekuphakameni kwezulu ngoJesu Krestu." uNkulunkulu ufuna sazi ukuthi uJesu usuwenze wonke lomsebenzi obalulekile wokusisindisa ngesiphambano. Umsebenzi ophelele wesiphambano nokuvuswa kuJesu kwasenza saba yizidalwa ezintsha. Isidalwa esidala safa, sasesizalwa kabusha. Kufanele sazi ukuthi nguNkulunkulu owenze lomsebenzi, asenzanga lutho kepha samukeliswa loko okuphelelisiwe. Nanoma ngabe sona kangakanani, intenthelelo ikhona, asisekho ngaphansi komthetho.

**Hamba:** KwabaseEfesu 4:1 uthi, "Njengesiboshwa seNkosi, manje, ngiyaninxusa ukuba niphile lempilo efanele logcobo enamukeliswa lona". Manje ngoba usuyazi ukuthi ungubani kuJesu, uyanxuswa ukuba ube ngumfundi kaJesu Krestu, kungabi wumthetho, kepha umuntu ophila esimeni sikamoya ongcwele. Ubizelwe ukuhamba uphile ubungcwele neqiniso. Loku akusho ukuthola ukusindiswa nokuthandwa, kepha ukutshintsha impilo yakho ebonakalayo kube yimpilo kaNkulunkulu ekhona ngaphakathi kwakho. Lokhu, uyazikhethela. Inyoni mayiphile njengeniyoni, akukho jika, kepha umzalwane angakhetha ukuphila njengesoni. Loku kuyingozi, ngoba uma isono singahlala isikhathi eside singavezwa futhi singayekwa, kubakhona ukuhlubuka. Asilethi olunye uhlobo lohlelo lwemisebenzi yomthetho. Asikugcine engqondweni ngaso sonke isikhathi ukuthi umusa kaNkulunkulu yiwona osiyisa ekunqobeni.

Sisesivumelwaneni segazi noNkulunkulu manje, isivumelwano segazi sidinga ukufa kwabantu ababili. uJesu usuyenzile inxenye yakhe, manje sesifanele ukwenza inxenye yethu.

uLuka 9:23-24 uthi, "Wase uthi kubo bonke; 'uma ekhona ofuna ukungilandela, akazidele athathe isiphambano sakhe mihla yonke angilandele. Ngoba wonke ofuna ukulonda impilo yakhe ulahlekelwa yiyo, kepha lowo olahlekelwa impilo yakhe ngenxa yami uyayizuza.'"

**Yima:** Ukuziphatha kwethu ekusithekeni kunamandla ngaphezu kwesitha uma leziziphambano ezimbili zihlangana. KwabaseEfesu 6:10 usitshela ukuthi simelane namasu kasathane lapho uNkulunkulu esiholela endaweni yakhe. Kuyokuba nokulwa nezinkinga, kepha umoya ongcwele uyokusiduduza njalo. KwabaseEfesu 6:11 uthi, "Hlomani zonke izikhali zikamoya ukuze nikhone ukumelana namaqhinga kasathane." Sifanele sazi ukuthi kuno sathane ohlakaniphile futhi ophilayo, udeveli, ofisa ukubulala, ukutshontsha nokona wena nomndenani wakho. Ukhona ngempela! Uzokuyenga akukhohlise akwenze ukholwe ukuthi awulutho kuNkulunkulu.



### *Isahluko 1-Isithelo*

Uzokulinga afune uphile lempilo yohlelo lwasemhlabeni neyenyama. Usathane wahlulwa nguJesu, nanoma, evunyelwe ukusikhohlisa nokusilinga. Kukhona ukunqoba esingakusebenzisa. Lempilo yokunqoba yomKrestu ayilula, imizwa yethu nezimo kusiholela ekukhohlisekeni ngokuHlala, Hamba nokuMa. Kepha uma simelana nodeveli, emva kokuba sizazi ukuthi singobani kuJesu, futhi nalapho sesihamba emoyeni nangokuphenduka, njalo singaMa size sinqobe.

Kuphela lapho sesisezulwini, kodwa manje siyokuba silwa impi nombuso kasathane. Ukunqoba kuyokubakhona ngaso sonke isikhathi lapho siHlala, siHamba, siMa ngendlela yakhona.

“Abantu mabakubonge Nkulunkulu; Mabakubonge abantu bonke, lapho umhlaba uyothela isivuno sawo, Nkulunkulu, Nkulunkulu wethu, uyasibusisa” (Amahubo 67:5-6).

## ISAHLUKO 2

### Umfula ogobhozayo

Kuthathwe ku Watchman Nee encwadini yakhe ethi A table in the wilderness, June 20

(6)

***“Lapho ngizohlangana Nawe, ngixoxisane Nawe ngaphezu kwesihlalo somusa, emkhathini wamakherubi amabili aphezu komphongolo Wobufakazi (U-Eksodusi 25:22)***

***Siyini isisusa sengxoxo yethu noNkulunkulu?***

***Wumusa Wakhe. Esihlalweni sobubele nethunzi laso lamakherubi sixoxisana noNkulunkulu, angama “kherubi enkazimulo”. Kuyindawo lapho inkazimulo kaNkulunkulu ibonakaliswa khona, nokwehliswa kwesigwebo somuntu, ukuthi sithola intethalelo lapho, kuyilapho kuphela. Angeke Unkulunkulu, enguNkulunkulu, abonise umusa lapho efuna?***

***Qha, angabonisa kuphela umusa lapho isimilo Sakhe senkazimulo sikhona. Akahlukanisi isihlalo somusa kumakherubi.***

***Yilegazi elacitheka elenza kube nokuxoxisana okuphumelelayo kumuntu wesono. Ngenxa Yalo uNkulunkulu angabonisa umusa ngaphandle kokona inkazimulo Yakhe; angaxoxisana nomuntu ngaphandle kokuzilahla. Ngakho igazi likaKrestu lifanele ukusihlanganisa, lifanele ngempela.***

***Kodwa akusiso isisusa sokuxoxisana. Uma sixoxisana ngegazi esihlalweni Sakhe somusa, akubi yigazi engibheka kulo, kepha inkazimulo. Indwangu isisusiwe, ngisho ngobuso obuvuliwe sonke sibona inkazimulo kaNkulunkulu”.***

Njengomntwana kaNkulunkulu kuyilungelo lakho ukungena ebuhlobeni obujulile neNkosi yakho. Loku kufaka ukuhlanganyela Naye ebukhoneni Bakhe, kepha kuningi kakhulu. NgokukaMathewu isahluko 6 ugqizelela umklomelo emthandazweni njengophikisa umthandazo ophendulwayo. Umklomelo nguNkulunkulu Yena uqobo. Eminye imiphumela yomthandazo ngokufana nesithelo. Uma ufisa ukujulisa ubuhlobo bakho noJesu, kuphela kunenkokhelo ofanele uyikhokhele. uNkulunkulu uyazibonakalisa kulabo abazisondeza Kuye nabamlalelayo (Johane 14:21).

## *Isahluko 2-Umfula ogongathola lokubhozayo*

uNkulunkulu futhi uyazibonakalisa kulabo abamfuna ngokweqiniso nangezinhliziyo ezihlanzekileyo. Ngokuvamile fanele sizisuse ezintweni ezijwayelekile, sithole isikhathi esikhethekile Naye. uNkulunkulu ubukeka ebahlonipha labo abalambele Yena, labo abomele iqiniso nobungcwele. 'Uma ungakulambeli lokhu, okungenani cela uNkulunkulu akunike leyo ndlala.

Siyazi ukuthi ubukhona buka Nkulunkulu bungeke basishiya, kepha ngikhuluma ngento ehluke kakhulu. ngikhuluma ngokungena enkazimulweni Yakhe, ubumangaliso Bakhe nenkazimulo ekhethekileyo. Loku kuhlukile kunokudumisa kwebandla. Loku ngokwakho noNkulunkulu ebungcwele-ngcweleni Bakhe! Lolu hlobo lokuhlangana aluhlanganisi ukubonakala enyameni ephilayo. Noma kungakufaka loko, kuyokuba kalula, wukuhlangana okujulile ngaphakathi okunokuthula. Ubona inkazimulo Yakhe ngezanga eliphezulu ngangokuthi impilo yakho itshintsha kusuka ngaphakathi. Ngikhuluma ngombhaphathizo ojulile kamoya oyingcwele, ngaphezu kwezipho. Ngikhuluma ngobungcwele Bakhe obukungena ngaphakathi bushise lemvelo ka Adamu ekuwe. Um' uqhubeka ufunda, kwazi kuthi uma ngisebenzisa leligama "ubukhona" ngikhuluma ngobukhosi Bakhe obungeziwe.

Uma ikholwa lazi ngeqiniso ukuthi uJesu ufuna ukuhlanganyela nalo, lingayibona leyo nhlanganyelo kuphela uma liwamukela amazinga kaNkulunkulu. Amazinga kaNkulunkulu alula, wukumvuma uJesu njengeNkosi, nokushesha uzwe Izwi Lakhe. "ngoba zonke lezizinto yisandla Sami esazenza, nako konke okukhona, Esho uNkulunkulu. Kepha kuloku ngiyabheka (ngiyanaka): Kulowo oswelayo (olusizi, ozithobayo, odingayo nongenamandla) nophuke umoya, noqhaqhazelayo ngezwi Lami" (U-Isaya 66:2). Okukodwa kwemvelo kumuntu afanele ukukwenza ukuvuma ukuphenduka asuke kulezindlela ezindala, ezingahambisani nesimo sikaNkulunkulu.

Lawo mazinga angabhekeka "njengento yakudala" kumaKrestu amaningi, kepha kunakuningi kuloku kunesikubonayo. Ngako amaKrestu amaningi "asemajele." Kaningi lesisitha ejele laso sisebenzisa amaqhinga agcwele ukukholwa.

Banengi abangafuni ukubhekana nobuhlungu, abavumeli noma yikuphi okungahambisani nabo. Ngako bayahlehla ekutholeni okuhle kukaNkulunkulu. Abanye baphila ngomthetho, ngemvume, noma ngokwenza imisebenzi yokuzenzisa kwangathi bangcwele. Bazizwa beqondene noNkulunkulu onolaka.

## ***Isahluko 2-Umfula ogongathola lokubhozayo***

Kube nabanye abaphila e"museni okungewona"bazibone ukuthi uNkulunkulu uyabazwisisa ukuthi abalunganga, ngakho kungani bazame ukuphila ngokukholwa. Bathandaza uma basebunzimeni, kepha akekho kulaba bantu ojabula ebukhoneni bukaKrestu, ngisho ukuhlangana ebukhoneni boMdali! Bangangena Mbusweni kaNkulunkulu uma befa, kepha baphila esihogweni lapho basesemhlabeni.

Umfula ogobhozayo uzokwakha ukukholwa kwakho, futhi uzonxusa uNkulunkulu ukuzogcwalisa inhloso Yakhe nokuzibonakalisa Yena kuwe. Uzobuya akunike izinto ozidingayo ukukwenza uze uzwe ubizo Lwakho. Emva kokuba ngazi uNkulunkulu isikhathi esingangenyanga ngaya emhlanganweni wamanxusa, umvangeli wakhuluma kanje,"Inkosi ingumngane wami omkhulu, isondelene nami ukudlula inkosikazi yami". Uma ngizwa loko nami ngalambela okufanayo, ngafunana nakho kusukela lapho.

Izifundo zebhayibheli, izintshumayelo, izincwadi, nezifundo zobufundi nakho konke kulungile, kepha uma unganglangani nobukhona beNkosi ulahlekelwa ubuhle bempilo yokukholwa. Uma ungakholwa ukuthi uJesu ukhona lapha endlini nawe, zonke izinto ziyatshintsha. Injabulo yakho ibakhona, usizi luyasuka, ukukholwa kwakho kuyakhuphuka, nomusa Wakhe ubamkhulu kunako konke oke wahlangana nakho.

Mhla ngithola lendlela Yezwi yokungena ebukhoneni Bakhe ebizwa, Umfula ogobhozayo, ubuhlobo bami nokusondelana noJesu kwakhula kakhulu. Ngahlangana nalokhu ngesikhathi lapho ngisengakakhoni ukuzwa ubukhona Bakhe, kuyilapho izinto empilweni zazingahambi kahle kimi. Ngazithola ngikhona ukuhamba imizuzu engu-30 engqondweni yami phakathi koMfula ogobhozayo, lapho ngizithola nginokuthula futhi ngihlangene neNkosi. Inhloso ukuba vele ngihlale kulendawo kube yimpilo yemihla. Loku futhi kuyi "indlela ongayenza" ukubambisana noNkulunkulu ukuze izidingo zakho zempilo zigcwaliseke.

### **Abantu bayalimala uqobo**

Abanye abakhoni ukukhokhela izikweletu zabo, abanye bathole imibiko emibi evela kodokotela, abanye banabantwana abangakhuzeki, ke-mhlawumbe abanye imindeni yabo ihlukana ngaphakathi. Kufanele sikhone ukwazi ukuthi singabambisana njani noNkulunkulu kulempilo yesivumelwano segazi ukuze siyiphile manje, kulesisikhathi kuze kufike isikhathi lapho sishiya lomzimba siya ezulwini.

## *Isahluko 2-Umfula ogongathola lokubhozayo*

Ngaphandle kokujabula ebukhoneni Bakhe, kukhona “esingakwenza” endleleni yoMfula ogobhozayo.

### ***Siyafuna ukulandela indlela?***

Lomqondo wokulandela indlela ukungena ebukhoneni bukaNkulunkulu akuyonanto yokwehlisa ubudlelwano bakho noNkulunkulu bube yigwebu nje, noma indlela okhethelwa yimi ukuthi uzwe ubukhona Bakhe ngalendlela engizochaza ngayo. Kodwa ngiyakholwa nakanjani ukuthi Umfula ogobhozayo unalobo buciko bolwazi ebuhlotsheni obungaphakamisa ubuhlobo bakho noJesu noma indlela yokuxhumana Naye okokuqala empilweni yakho.

Ngaleso sikhathi abantwana bami basebancane kwakufanele ngaso sonke isikhathi kube yimi engibeka izikhathi zokuhlanganyela. Kwathi lapho bekhula bebadala baqala ukuba nokuningi abangakukhetha, kwathi nobuhlobo nokuhlanganyela esasingakujabulela kwancika kakhulu ekutheni bahlobane kangakanani nami. Labantwana ababeza kimi ngobungane, ngomyalo, ngokukhuthazwa nokubongwa babanobuhlobo obujulile nami kunalesikhathi lapho beza kimi ukuzophiwa noma ukuzocela imali yokukhokhela isikweleti. Ngibe nomusa njalo, noma beziphathe kanjani akukaze kwatshintsha uthando lwami kubo, kodwa uma bekhululekile ebuhlobeni nasekuhlanganyeleni ngokwabo ngangibanokujula nabo. Nanoma kwezinye izikhathi, uthando lwami olungaguquki lubonakale lapho (ezikhathini eziningi). Umusa wami nokulunga yikhona okwakubadonsela kimi, kepha bafanele bakhombise futhi bazikhethela.

***Entshumayelweni eyashumayelwa eSoutheastern University, uDr. Mark Rutland wanginceda ukuba ngize ngibone lokhu kahle. Washo loku okulandelayo:***

***“Asizami ukusondeza amandla amakhulu, kepha amandla amakhulu, uNkulunkulu ophilayo, uJesu Yena, uzama ukusondeza thina. Ubuthakathi, ubulumbi, nababoni kuzama ukuxhumana namandla amakhulu.”***

**Ukuthembeka nokuphendula ekumemezeni kukaNkulunkulu yikona okusinika ukuxhumana Naye emandleni Akhe amakhulu. Futhi, kuyimvume kaNkulunkulu lena esinika ukulangazelela ukumuzwa nokuba sifise ukusondela ebukhoneni Bakhe obuphilayo. uNkulunkulu ungqongqoza emnyango wakho uthi, “Ngiyakunxusa ngilalele”. Ukuxhumana Naye esikhathini esiningi kusekuthembekeni kwakho.**

**Ukuthembeka kuyimpilo akusona isehlakalo. Sikhona isikhwelo senthuthuko yokuthembeka. Njalo uma ukhula amandla okuthembeka-**

**ayakhula akhe amanye phezu kwamanye. Umklomelo uyakhula njalo. Sibizelwe ukuthwala esethu isiphambano, uma sikwenza loko. Nakanjani esikhathini esilandelayo isiphambano sibanentengo engaphezulu. Akubuyelwa emuva futhi, lesi esisha sidinga umnikelo nokuthembeka ngoba umklomelo uya ngokukhula njalo.**

***Zilungiselele!* Ngibone abantu abaningi bahlangana noJesu emva kokungena kanye Emfuleni ogobhozayo. Zijwayeze lokhu! impilo yakho izotshintsha unomphela.**

**Inhloso kaNkulunkulu ukuza emhlabeni ofayo kanye nokusibusisa. Kanjani?**

**Sibusisekile ukuze sibe yisibusiso emhlabeni olahlekile nofayo. uNkulunkulu watshela ukhokho wethu uAbrahama, "Ngiyakubabusi abakubusisayo, Ngimqalekise okuqalekisayo; futhi ngawe zonke izizwe ziyakubusiswa" (Ugenesise 12:3).**

Ngeyodwa kuphela indlela yokuba sikhone ukubusisisa abanye, ukuba sivumele uJesu angene kithi ukuze akwenze ngathi. Kuphela indlela angayenza ngathi ukuthi isimilo sakhe singene kithi sibe ngaphezu kwalesi semvelo ka-Adamu. Lendlela engiyoyichaza yenz' ithuba lokuvumela uNkulunkulu asebenze ubungcwele Bakhe neqiniso Lakhe kuwe. Njengoba uqala ukuthatha isiphambano sakho uvumela uNkulunkulu wothando ukuba akuhambise ngesineke, uzoya ufane noJesu kancane kancane, ngokuhlanganyela esimweni Sakhe. Uzokukhulula kulamajele akho angaphakathi, Uzokusondeza ekuphendukeni kuzinto ezazikulimaza, futhi impilo yakho ngeke iphinde ifane. Nanoma, lendlela ayikho ngaphandle kobuhlungu. Uma uvilapha, uma ungeke uzibuze wena ngabanye abayingozi kuwe, ungeke ungene kulempilo yokuhlanganyela neNkosi. Uma siloku sihlanjululwa siya ukufana noJesu, sizizwisa kakhulu ngobukhona Bakhe, nempilo yethu iba yisubusiso kwabanye.

**Ngaphandle kokungcweliswa akekho oyombona uNkulunkulu!**

Ngimbonge uNkulunkulu ngoba ubungcwele neqiniso sanikwa kona ngokomthetho njengesipho. Kepha uma ujula ebudlelwaneni uqala ukubona iqiniso nokuguqulwa koqobo kwesimilo okuya ekuthembekeni nasebungcweleni. Lolohlobo lokukholwa lokuzenzisa lwakha abantu abasebuhlungwini nasekuthukutheleni, kanti - lapho ubungcwele bangoqobo bakha injabulo, uthando, nazozonke izithelo zikamoya. "Nokuthi usufaka umuntu omusha odalwe ngendlela kaNkulunkulu,

**Ngeqiniso nangobungcwele”(KwabaseEfesu 4:24).**

***Indlela yobungcwele(highway). Lendlela yobungcwele ku-Isaya 35.***


“Indlela engaphezulu iyokuba khona, nomgwaqo, Loko kuyobizwa ngokuthi indlela engaphezulu yobungcwele. Abangcolile ngeke badlule kuleyondlela, kepha iyokuba ngeyabanye. Noma ngubani oyohamba lendlela, noma eyisiwula, soze alahleka” (ulsaya 35:8). Ulsaya isahluko 33 ukhuluma ngamaIsrayeli ahlanguka nokwahlulelwa ngenxa yempilo yesono ababeyiphila. Isaya 34 ukhuluma ngoNkulunkulu abahambisa endleleni yokunqoba nolsaya isahluko 35 ukhombisa umphumela, ongubungcwele. Inzuzo ibalwa ku sahluko 35. Ifaka phakathi injabulo, ukuhlabelela, ihlane nomhlaba owonakele uba yimithombo yamanzi, ihlane liqhuma ngezimbali, ukujabula okukhulu, ukubonakala kwenkazimulo yeNkosi. Kuchaza izimpumputhe zibona, izishosha zilulama, ukwesaba kuphenduka ukukholwa, abomile baphiwa amanzi omthombo, lapho uphila ngaphezu kwezitha zakho. Kuzokwenza kahle ukufunda lesisahluko ukulengcondo.

**uHezekeli 47:1-12 ubonisa isithombe somfula ogobhozayo.**

Lesithombe uNkulunkulu abonisa uHezekeli sasingeseThempeli likaNkulunkulu, imithetho yalo nemihlobiso yalo, nomfula ugobhoza uphuma kulo. uNkulunkulu ukhuluma noHezekeli umbonisa ukuthi loku yilomfula wempilo osuka kuNkulunkulu uya phansi olwandle olufile nakula manzi angcolile ezweni. Lomfula uzolapha lamanzi uwenze aphile. Umbhalo kusahluko 47 sikaHezekeli uthi lomfula uqale ungumfudlana lapho uphuma phansi kweThempeli, kepha ngokuqhubeka uya ukhula uqhubeka uze uyongena uthululeke Olwandle Olufile. Njengoba wenza, lolwandle lwaphila futhi laba nempilo. Lolwandle ebhayibhelini lusho ulwandle labantu abalahlekile. uNkulunkulu wayebonisa uHezekeli ukuthi yinye kuphela indlela ngabantu abafile ukuthi baphile futhi,okuyokuba ngukuthintwa nguNkulunkulu ngento ebizwa ngomfula ogobhoza ukusuka ebukhoneni Bakhe. NgokukaJohane 7:38 uthi, “Lowo othembela kimi, njengoba usho umbhalo,’esiswini sakhe kuyokugobhoza umfula wamanzi aphilayo”.

Lomfula ugobhozela ukugeza wena - Lomfula ugobhozela ukusindisa izwe elifile.

## Lomfula ugelezela ukuhlanza thina



Lomfula ugelezela  
ukuzosindisa izwe  
elifile

*“Kulobe phansi Hezekeli.”*

uNkulunkulu watshela uHezekeli kusahluko 43:10 – 11 ukuthi adwebe lesisithombe seThempeli nemithetho yalo ukuze abantu basibone yingako bazophenduka babe yisibusiso kwabanye. Yiloku lesisifundo somfula ogobhozayo siyikho.

Liphi iThempeli namuhla? 1BaKorinte 6:19-20 uthi, “kepha anazi yini ukuthi umzimba wenu uyThempeli likaMoya ongcwele okini, enimamukele kuNkulunkulu, nokuthi anisibo abenu na? Ngokuba nathengwa ngenani elikhulu. Ngakho-ke mbongeni uNkulunkulu ngemizimba yenu”.

**Singeke sabusiseka noma saba yisibusiso ngaphandle kobukhona bukaNkulunkulu uqobo.**

Sidinga ubukhona bukaNkulunkulu buzosikhulula futhi busihlanze ukuze sikhone ukwenza noma luphi uhlobo lobuholi, ngisho nomthandazo ozwakalayo. Nali uhlelo lokuhlangana nokugcwala kweNkosi empilweni yakho nebandla lakho kanye nomhlaba wonke. Sidinga ubukhona bukaNkulunkulu ukuzosikhulula busihlanze ukuze senze noma yimuphi umsebenzi, ngisho nomthandazo ophendulwayo.



## ***Isahluko 2-Umfula ogobhozayo***

Nali uhlelo lokuhlangana nokugcwala kweNkosi empilweni yakho. "Besaqhubeka bebambebele emfundisweni yabapostoli nokuhlangana nokuhlephula isinkwa, nokuthandaza. Ukwesaba kweza kuwo wonke umphefumulo. Nezimanga eziningi nemihlolo yenzeka kubapostoli." (Izenzo 2:42-43).

***Qaphela lezinto ezintathu abapostoli ababezenza mihlayonke ezaphumelelisa imihlola nezimanga:***

***1.Imfundiso zabapostoli. Loku kuwukufunda Izwi leNkosi mihla yonke.***

***2.Imithandazo. Uhlobo olwalujwayelekile ukufakwa kumithandazo yebandla lokuqala wukufakaza ukuthi, ungubani kuKrestu, bese kufakazwa ngeZwi.***

***3.Ukuhlangana nokuhlephula isinkwa. Loku kwakuyingxoxo yemihla, noma ukuthatha inkomishi nesinkwa ngenkumbulo yesivumelwano segazi.***

Ibandla lokuqala lalidla isidlo seNkosi cishe wonke amasonto, uma bekungasi mihla yonke. Bekuyindlela yabo yokungena ebukhoneni bukaNkulunkulu babe nokumazi Yena mathupha. Bekungesona isenzo sokukholwa, bekuyisikhathi sokujabula Naye ngendlela yoqobo.

Inhloso yesidlo seNkosi ukubuyisa amalunga ebukhoneni bukaNkulunkulu. Funda ku-NgokukaLuka 24:30-31 njengesibonelo. Lapho babethola ukuphiliswa nezidingo zabo zigcwaliswa. Ubukhona bukaNkulunkulu, ngenyama Yakhe nesivumelwano segazi, zonke izidingo zakho ziyagcwaliseka.(Kuthathwe kuzinhlelo zevideo ka Dick Reuben,"A Pattern for Revival Fire : Covenant Meal - The Lord s Table).

Umfula ogobhozayo yisenzo samihla yonke esenza okufanayo (kungasi wukususa isidlo seNkosi, kepha isengezo kuso). Umfula ogobhozayo uyokukuhambisa esivumelwaneni segazi ukuyise ngale kwesimbozo, esiyinyama Yakhe, ukungenise ebungcwele-ngcweleni kuze kube phakathi kobukhona Bakhe! Sidinga ubukhona bakhe mihlayonke, kungabi kanye nje ngesikhathi!

KuNgokukaJohane 6:51 uJesu uthi uyilesinkwa esiphilayo eseza sehla ezulwini. KumaHeberu 10:19 - 20 kusitshela ngendlela entsha nephilayo yokungena ebungcwele - ngcweleni ngalesimbozo esiyinyama kaJesu.

Konke lokhu kusitshela ngayo indlela eya ebukhoneni bukaNkulunkulu lapho wazi uhlonipha isivumelwano segazi; Igazi Lakhe nenyama.

## ***Isahluko 2-Umfula ogobhozayo***

Uzokubona ukuthi ukuhamba ngomfula ogobhozayo kuhlonipha isivumelwano segazi ngendlela efanayo nesidlo seNkosi.

Kufanele sazi ukuthi kunezitha ezifuna ukumisa uNkulunkulu ekubeni nguNkulunkulu ophilayo nowoqobo kithi.

***Izitha zethu ziza ngalezizindlela ezintathu:***

***Ngentando yethu -***

***Ngengqondo yethu -***

***Ngemizwa yethu -***

**Konke loku kuhlaselwa yinyama yethu, umhlaba, nosathane.**

**Umbuzo:**

*Sizinqoba kanjani lezizitha ukuze singene ebukhoneni bukaNkulunkulu sihlanganyele Naye?*

**Impendulo:**

UNkulunkulu wasinikeza sonke ukunqoba kuzo zonke izitha! Indlela yokungena ebukhoneni Bakhe yanikezwa esiphambanweni lapho kudabuka isihenqo sethempeli ukusuka phezulu kuye phansi ku-NgokukaMarku 15:38. Manje kukithi ukuthi siyabambisana. Sifanele sithwale siphambano sethu - loko kuyokusinika ukunqoba!

NgokukaLuka 9:23-25 uthi, "Wase uthi kubo bonke, 'Uma ekhona ofuna ukungilandela, makaziphike, athathe isiphambano sakhe mihla yonke, abese engilandela, Ngokuba wonke oyofuna ukuhlenga impilo yakhe uyokulahlekelwa yiyo; kepha wonke oyolahlekelwa yimpilo yakhe ngenxa Yami uyakuyizuzisa. Ngokuba, kusiza ngani, uma umuntu azuza umhlaba wonke, abese ulahlekelwa wuye, noma alahlwe?'"

Leligama *impilo* ku-NgokukaLuka 9 lichaza "umoya" noma intando, ingqondo noma imizwa. Leligama *phika*, lisho ukuthi qha.

Isihluthulelo sempilo enothileyo nokuthola konke uJesu asiphathele kona, kuhlangene nobukhona Bakhe, ukuqedelela lesivumelwano segazi wukuthwala isiphambano sakho.

Abaningi bethu bayabazi ubucwazicwazi, okuhlanganisiwe konke, amandla amakhulu kunawo wonke asebenzwa ngu Jesu esiphambanweni eKhalivare; Ukuthi walichitha kanjani igazi Lakhe ngezono zethu, wavuka kwabafuleyo ukuzonika thina impilo. Soze sangeza kulokho. Nanoma, ukuze simukele usizo ngaloko, kufanele nathi sife. Masithathe isiphambano sethu, siziphike silandele Yena. Silahlekelwe impilo yethu.

## Isahluko 2-Umfula ogobhozayo

Ubuhlobo bethu nokuhlanganyela noNkulunkulu kuphezu kwesivumelwano segazi. Engqondweni yomuntu wasetshonalanga loku kuba yindida, akwaziwa. Isilinganiso esinaso duzane wukugana (wumshado), ke-abantu abaningi banawo umqomdo wokuzwisisa lobubuhlobo, abuphambene naseBhayibhelini. Zibuze lokhu; Ungabonisana nozoba wunkosikazi wakho ukuthi uvunyelwe ukuya nabangaki ocansini emva komshado wenu?


**Ukufa kwababili, uJesu'nawe, kunyakazisa isivumelwano segazi!**

**Yini okubaluleke kangaka ngesivumelwano segazi?**

1-NgokukaPetru 1:18-19 uthi, "Ngoba niyazi ukuthi akusiyizinto eziphelayo njengegolide nesiliva enanikwa lona kulohlobo lwempilo engelutho enanikezwa ngokhokho benu, kodwa kungegazi elicwebileyo likaKrestu, iwundlu elingenasici noma ukonakala". uLevitikusi 17:11 uthi, "Ngoba impilo yesilwane isegazini, ngininikeza yona ukuba ibe yinhlawulo yenu ku-altare; yigazi eliyoba inhlawulo empilweni yomuntu".

Impilo kamoya ingatshintshwa wumthetho wokumelana. Isivumelwano segazi sitshintsha ubundlalifa emndenini.


### Impilo endala



### Impilo entsha



iimvelo yakho endala  
ingatshintshwa  
nge  
sivumelwano segazi



## **Isahluko 2-Umfula ogobhozayo**

*Ubundlalifa emndenini.* Loku kalula, kusho ukuthi abantu abazalwa emndenini othile, futhi ngokulandelana kwabo bayokwamukeliswa izibusiso neziqalekiso ezithile njengefa labo. Nanoma izibusiso neziqalekiso kungatshintshwa. Izizwe eAfrika, emasikweni amaNdiya eAmerika nakwezinye izizwe zase Asia, baloku bafuna indlela yokutshintshana noma yokuthengiselana ngeziqalekiso nezibusiso nabanye abantu.

Kusukela ngezikhathi zakudala, abantu babephuza igazi elalinikelwa konkulunkulu babo, ukuze bafane nalabo boNkulunkulu.

Kusukela ekuqaleni komhlaba, uNkulunkulu wakulungiselela ukubethelwa kuJesu ngendlela yokuba noMoya waphakade, loko okusho ukuthi umthetho wobummeli ube khona kungakadalwa muntu (Isambulo 13:8).

Ukuze isivumelwano segazi sisebenze ngokoqobo, kufanele kube khona igazi elicithekayo enhlangothini ezimbili, noma kufanele kube khona ukufa kwabantu ababili noma iziphambano ezimbili. Kufanele kufe othina bese sizinikela nako konke esinako nesiyiko kuJesu. Into enhle wukuthi noJesu naye uzinikela ngako konke anako nangako konke ayiko kithi!

Uma sihlanganisa isiphambano sikaJesu nesethu siyanamathela kuNkulunkulu, namandla ayenzeka! Kuneziphambano ezimbili njalo ezifanele zihlangane ukuze zenze isivumelwano segazi.

*Ithebenakheli liyisibonelo esinamandla seziphambano ezimbili ongalisebenzisa ukwenza nokuhola umthandazo.*

Kuzosinceda ukuthwala isiphambano sethu, yikona okuzosiyisa ebukhweni bukaNkulunkulu ukuyoHLANGANYELA naYE!

### **Isicaphuno ku God's Plan and the Overcomers (6) - Watchman Nee.**


***iTestamente elidala lisitshela ngokuthi abantu bakaNkulunkulu abakhethiwe baphila Kanjani emhlabeni. Ekuqaleni iThebenakheli laliwumkhathi kulezizwe eziwu 12; emva Kwesikhathi kwaba yiThempeli umkhathi. Umkhathi weThempeli kuwuMphongolo. iThebenakheli, iThempeli noMphongolo konke kuyizinhlobo zikaKrestu. Njalo nje uma abantwana bakwa Israeli bahambisa kahle ubuhlono babo ne Thebenakheli noma ne Thempeli babenqoba, kungabikho sizwe esingabhekana nabo. Noma izitha zabo zikufundele ukulwa bona bengakajwayele ukulwa, abantwana bakwa Israeli babenqoba zonke izitha zabo Kulokho. Kepha lapho babanenkinga neThebenakheli noma neThempeli, babethunjwa babe Yizigqila.***

**Isahluko 2-Umfula ogobhozayo**

*Akukho okunye, noma babanenkosi enamandla noma ehlakani phe kakhulu akukaze kwasiza lokho; okwakufanele, okukhona, ukuthi bunjani ubudlelwano babo neThempeli Noma neThebenakheli. Uma uNkulunkulu ekhona ngobukhulu, konke kwabo wubunqobi. Kunjalo nakithi nanamuhla. Uma sikwazi ukunqoba kuka Krestu, nathi sizonqoba njalo.*

**Uma uhamba ngokuhlanganyela noNkulunkulu, yiba nesithombe [engqondweni] lapho uhamba eThebenakhelini njengokwenza kompristi kuTestamente Elidala.**

**iThebenakheli**



Isahluko 2-Umfula ogobhozayo

**Kungani iThebenakheli libe wuphawu olumqoka ekulungiseni ukuhlangana noNkulunkulu?**

Qhaphela, ku-siboniso 1, uAdamu no Nkulunkulu babubuhle ubudlelwano babo ngaphambi Kokungena kwesono.

Qhaphela, ku siboniso 2, ukuthi emva kokungena kwesono, inkazimulo yokuhlanganyela ya Phuka. "Ngokuba bonke bonile, basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu".(Kwabase-Roma 3:23)

Kwadinga igazi ukuhlanganisa lobubuhlobo obuphukile, ukuxolelwa kwezono zethu. Yilena ntengo yentethelelo.

Lamagceke amabili, igceke langaphandle nendawo engcwele kumele isiphambano Sakhe nesethu, Igazi laleziziqu ezimbili.

*"Kuyilapho ngiyohlangana nawe, ngizoxoxisana nawe phezu kwesihlalo somusa,lapho Phakathi kwamaKherubi aphezu komphongolo wobufakazi" .(uEksodusi 25:22)*

**uNKULUNKULU**

inkazimulo

uAdamu

Indlela yenkazimulo emva kwesono. Basilelwe inkazi mulo kaNkulunkulu.

**uNKULUNKULU**

inkazimulo ephukile

uAdamu

Isiboniso1

Isiboniso2

iThebenakheli langezwa ngamagumbi amabili ukulungisa inkazimulo ngegazi.

Igceke langaphandle Igazi nesiphambano sikaJesu

Indawo engcwele Isiphambano sethu

Indlela okuyiyona yenkazimulo ilungisiwe emva kwesiphambano. Ngcwele-ngwele

**uNKULUNKULU**

*Igazi likaJesu  
+ isiphambano sami  
singilungisela indlela  
Yasenkazimulweni*

Wena

Isiboniso 3

**Isizathu sikaNkulunkulu ngeThebenakheli kwakuwukufaka igazi ukuze kulungiswe inkazimulo nobuhlobo bokuhlanganyela.**

## *Isahluko 2-Umfula ogobhozayo*

### **Okokuqala : Isiphambano Sakhe.**

Ngaphansi kwesivumelwano esidala, ulsrayeli wayenosuku lokubuyisana onyakeni, olubizwa ngokuthi Yom Kipur. Kwakusentshezwa ngezono zama Israyeli kulolusuku onyakeni ngoba kuwusuku lapho uMpristi Omkhulu elungiselela ukuyongena eThebenakhelini ukuyomela amalsrayeli ngezono zabo.

KuAltare yethusi, egcekeni langaphandle, kwakuba nezimbuzi ezincane ezimbili, ezibizwa ngamathole. Eyodwa yayibekwa indwangu ebomvu entanyeni ekhombisa ukuthi izohlatshelwa igazi. Lena enye iboshwe ngaphandle kwesango ekhombisa ukuthi ngeyokusulela. Eyokuqala iyabulawa eAltare, uMpristi uthatha igazi layo uya endaweni eNgcwele-ngcwele, lapho anikela ngalo namakha, kulamakha aseThempelini (indawo yendumiso). Lapho asha lamakha, agcwalisa indawo eNgcwele-Ngcwele ngentuthu, emele (futhi ikhulula) ubukhona bukaNkulunkulu. Umpristi uyofafaza ngegazi phezu kwesihlalo somusa kanye futhi ngaphambi kwaso kasikhombisa. Ngaphandle, onke umuntu enkanjini uba elele phansi ngalesisikhathi. Akukho ofanele ukubona uma kwenzeka loku, eqinisweni kusho ukuthi izono zalowo mfazi noma indoda ziyoba zixolelwe unyaka wonke.


Okulandelayo, lapho uMpristi esebuyile esetshintshe nezimpahla zakhe, ubeka izandla zakhe ekhanda lalembuzi enye, lembuzi yokusulela, loku kukhombisa ukudlulisela izono zonke ekhanda lalesilwane. Kwakufuneka kukhethwe umuntu omanikiniki ukuthatha lembuzi yokusulela ayise ehlathini eliyihlane ayiyise endaweni lapho ingenakubuyela emuva. Uyoyingenisa lapho ingasoze iphume. Ngako-bazoya eweni elizungezwe izihlahla namawa bese yehliselwa khona phansi kuze ingaphindi iphume. (uLevithikusi 16:21-22).

Manje uma uMpristi esebekile izandla kulembuzi yokusulela, eseqala inxenye yesibili kulenkonzono, ufakaza ngezono zonke zika Israyeli. Uzokuthi, "Nkosi, beka izono zami nezabantu ekhanda lalembuzi. Manje hamba, suka." Uma behola lembuzi ngaphandle kwekamu, bonke abantu beme bejabule. Bonke bayabona futhi bayazwisisa, ngisho nabantwana. Lembuzi yokusulela ifaniswa noJesu eyimbuzi yokusulela kwethu, owehliselwa esihogweni nezono zethu ekhanda Lakhe. Wathatha izono sethu wasisusa kwaphakade, asisaphindi futhi sibuye noma sitholakale kithi. Amahubo 103:12 athi, *"Njengokuhlukana kwempumalanga nentshonalanga, wazisusa kanjalo izono zethu kithi"*. uMika 7:19 uthi, *"Uyakuphonsa zonke izono zabo ekujuleni kolwandle."*

**Isahluko 2-Umfula ogobhozayo**

KubaHeberu 9:12-14 uthi, "wangenakanye kuphela endaweni engcwele, kungengegazi lezimbuzi nelamathole kepha ngegazi Lakhe ezuzile ukukhululwa okuphakade. Ngokuba uma igazi lezimbuzi nelezinkunzi nomlotha wesithole kufafazwa abangcolileyo, kuhlambulule kube ngukuhlanzeka kwenyama. Kakhulu kangakanani igazi likaKrestu owazinikela kuNkulunkulu ngoMoya ophakade engenacala lizakuhlaza unembeza wethu emisebenzini efileyo, ukuze sikhonze uNkulunkulu ophilayo."

**Okwesibili: isiphambano sethu**



iThebenakheli

<b>Igceke langaphandle</b>	<b>Indawo engcwele</b>	<b>Indawo engcwele-ngcwele</b>
<i>Sicala lapha ngesiphambano Sakhe</i>	<i>Singena lapha sithathe isiphambano sethu</i>	<i>Siphelela lapha ebukhoneni Bakhe</i>

	<b>Insika yesibani</b>	<b>Umphongolo</b>
	<i>Ingqondo</i>	<b>Ialtare lamakha</b>
	<i>Imizwa</i>	<i>Isihlalo somusa</i>
		<i>Igazi</i>
<b>Ialtare lethusi Isiphambano</b>	<b>Itafula Isinkwa sombukiso</b>	<i>Imana</i>
<b>Sikajesu</b>	<i>Intando</i>	<i>Induku ka-Aroni</i>
<b>Ialtare lensimbi</b>		<i>Umthetho</i>
<b>Izwi</b>		



## ***Isahluko 2-Umfula ogobhozayo***

Uma uJesu athi siziphike, silahlekelwe impilo yethu ngenxa Yakhe, etc., Ubesebenzisa igama elisho impilo. Manje kufanele siphike, noma sithi Qha, emicabangweni yethu.

Umphefumulo wethu uhlukaniswe kathathu: intando, Ingqondo (ukuhlakanipha) nemizwa.

Lendawo Engcwele imele lenxenye yobuthina, impilo. Indawo Engcwele inenxenye ezintathu zefanisha ezimele Intando, Ingqondo neMizwa (bheka isithombe esingaphezulu). Ukuthi qha kulezo zinto uthi Yebo kuloku uNkulunkulu akumisa, wukuthwala isiphambano sakho.

***Intando yethu -***

***Ingqondo yethu -***

***Imizwa yethu -***

**Loku kuhlaselwa yinyama yethu, Yizwe noSathane.**

### **Kuyini ukuthwala isiphambano sakho?**

Sifundisa lapha kulesahluko soMfula ogobhozayo ukuthi sifanele “sithwale isiphambano sethu” ukuze sikhulule iNkazimulo kaNkulunkulu, Ubukhona Bakhe ezimpilweni zethu zemihla.

Ensimini yaseEdeni uEva wacabanga ukuthi angaba nakho kokubili, iNkazimulo kaNkulunkulu kanye nokuzimela, Akakukholwanga ukuthi ukuthatha indlela eya ekukhululekeni, Lesihlahla sokwazi okubi nokuhle kuyokumholela endleleni ephelela ebubini. Ngokwenza njalo akalahlakelwanga kuphela yiNkazimulo kaNkulunkulu empilweni yakhe, kepha wangena kumkhathi owayengeke avume ukungena kuwo. Lowo mkhathi yilona iBhayibheli liwubiza ngokuthi uhlelo lomhlaba, Isifebe iBhabhiloni, umfazi okhohlakele. Njengoba kuchazwa ku Izaga 7.

uNkulunkulu wamtshela ukuthi uma edla ngentando yakhe uyokufa, noma kalula, uyohlukana noNkulunkulu. uEva akakuzwisisanga lokho ukuthi kusho ukuthini.

Akakaze asazi lesosinyathelo sendlela yomhlaba nokufa. Wacabanga ukuthi uNkulunkulu uyancokola, naloko kwamnika ukungazithembi.

“Kepha nginovalo lokuthi njengalokho inyoka yamkhohlisa u-Eva ngobuqili bayo, kanjalo izingqondo zenu mhlawumbe zingadukiswa, ziyeke ubuqotho nobumhlophe bukaKrestu (2 BaKorinte 11:3).

## *Isahluko 2-Umfula ogobhozayo*

u-Eva ubeneNkazimulo kaNkulunkulu ephelele kepha wadukiswa. Loko kusho ukuthi izilingo, amanga, kunamandla kimi nawe. Kaningi kusilahlela ekuhlulekeni ngendlela yomhlaba ukuze sibone ukubaluleka kukaJesu nokuthi Ungubani Yena, bese senza konke okusemandleni ethu ukulungiselela iNkazimulo empilweni zethu.

Kufanele sazi ukuthi ukukhululeka kwethu ngephutha kusiletha kusifebe, kuhlelo lomhlaba. Akukho enye indlela kepha ngekaNkulunkulu kuphela. Siyakhohliseka ngobasingazi ukuthi ukukhululeka kwethu kusiletha ezandleni zesitha, isifebe.

Lesisifebe okukhulunywa ngaso ku Izaga 7. Sibonakalisa amandla omhlaba nezifebe okukhohlisa abantu ngawo. Bese ulinganisa lokhu naku Izaga 8, lapho kukhulunywa ngokuhlakanipha, okunguJesu, Yena uqobo, nokuthi ubabiza kanjani abantu. Lapho ngibona uJesu ngo1979 ngavele ngazi ukuthi akukho kwalomhlaba okubalulekile. Ngabona ukuthi konke kohlelo lomhlaba akusebenzi. Ngangiboshiwe kukho ngiholwa yikho.

Ukuthatha kwethu esethu isiphambano kusho khona ukuvumelana nendlela kaNkulunkulu, ikakhulukazi uma kubuhlungu futhi kungemnandi, kepha sibe sazi ukuthi kusiholela ekuzuzeni, nempilo enothileyo nenhloso yempilo yaphakade eMbusweni kaNkulunkulu.

*Ngeke sathwala isiphambano singasizwa?* Singathwala kuphela isiphambano indawana, angeke sikhone yonke indlela. Asinazo izandla ezanele zokuzibethela thina wonke; Isipikili sokugcina fanele sifakwe wumhlaba. Kufanele sidlule ebuhlungwini nasekuphukeni ukuze lomsebenzi wenzeke. Unkulunkulu akakwenzi loku, umhlaba uyakwenza. Singanikela kuNkulunkulu lezo zinto esizikhonayo, lezo zinto esizibonayo. Nanoma, uNkulunkulu ubona lapho singaboni khona. Wazi lezo zinto empilweni yakho ezikubamba ungapheleli ekuphileni nasekuhlanganeni Naye. Lapho ufa njalo, yilapho aphila njalo kuwe. Inhloso Yakhe asiwukuhlobisa impilo yakho endala, kepha ukuthi wazi ukubethelwa Naye.

Manje sizohamba ngakunye ngakunye esikhathini somthandazo wethu sihambe sidlule ezitheni zethu size sifike ebukhoneni bukaNkulunkulu!

**“Umfula ogobhozayo”  
(Umthandazo wansukuzonke)**

**Ukungena Ebukhoneni bukaNkulunkulu**

**Iziluleko:**

- 1. Funda lamakhasi angu 7 kuqala, noma kanye ngenyanga.  
Bese uqala kulelikhasi mihla-ngemihla, uthathe okungenani imizuzu ewu20 uhlangana noNkulunkulu.**
- 2. Uma uqala eThebenakhelini ufulathele umhlaba ubuso bakho bubheke kuJesu. Loku kumqoka, ngoba Umoya ongcwele ungeke wakunika Ubukhona Bakhe uma ubheke iqala okungelona (Isiluleko sikaMoya, Izenzo 26:18).**
- 3. Qhubeka uye kuyo yonke into “ume”kuleyonto ngomthandazo neNkosi. Funa izwi embhalweni. Qhaphela ezintweni ezidinga ukuphenduka, ngokuba loku kungokunye esikunikeza ngesikhathi sokuhlanganyela noNkulunkulu.**
- 4. Kukhethekile ukuthi ukwenze konke lokukuma ngesikhathi esisodwa. Ungakwenza ngemizuzu engu 20. Nanoma, uma ungenaso isikhathi ngokuhlala okukodwa ukuthi wenze lonke loluhlelo, ungayeki. Kanjalo, qala loluhlelo ekuseni, wenze isinyathelo sokuqala. Bese,wenze lesi esinye emini. Uma ufuna, qhubeka wenze nangakusasa. Ngokwenzeka, phila impilo yaloluhlelo futhi lizojwayeleka uhlale usebukhoneni Bakhe.**

**Igceke langaphandle**

**Qala ukuma: iAltare lethusi - Isiphambano sikaJesu.**

*-Altare lethusi -*

**Ukuxolelana.**

Isivumelwano segazi sithatha konke okubi esikwenzile sisinike konke okuhle uNkulunkulu anakho. Nanoma, singeke saxolelwa ezonweni ngaphandle kokwenza uJesu abe yiNkosi yethu (BaRoma 10:9-10) .

## ***Isahluko 2-Umfula ogobhozayo***

Qala namuhla ngokuthembeka kuJesu. 1KaJohane 1:9 uthi, “Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi kwethu.”

Inxenye enkulu ekuthwaleni isiphambano sakho ukuTHEMBEKA NGOKUPHELELE kuNkulunkulu. Ufanele ubonakale, umtshela konke. Zinike isikhathi ukumtshela konke njengoba wenza kumngane wakho omethembayo! 1KaJohane 1-7 uthi, “Kepha uma sihamba ekukhanyeni, njengaloku Yena uqobo esekukhanyeni, khona sinenhlanganyelo omunye nomunye, negazi likaJesu indodana Yakhe liyasihlambulula ezonweni zonke.” uJesu wathi kukaJohane 3:19 ukuthi isono asinamandla uma abantu beza ekukhanyeni ngeqiniso, futhi bangazami ukucasha emnyameni. uJesu akafelanga amaphutha wethu; Ufele isono sethu!

### **Ubuhlobo ukuzibamba nolwazi.**

Naku ukuzibamba ebuhlotsheni esizwa kuyikona okubalulekile uma ufuna ubuhlobo obuhle neNkosi uJesu.

uNkulunkulu ukumema ukuba uziphathe empilweni yakho ukuze uhlobane Naye umazi. Yiyona ndlela lesivumelwano segazi sezibusiso sigelezela empilweni yakho.

**1. Yenza isiqiniseko esiphelele ukufuna lobu buhlobo. Zinikele ngokuphelele kuNkulunkulu (BaRoma 12:1-2). Lesi yisivumelwano sethu segazi esiza ngaso kusivumelwano segazi esikhulu esisunikwa nguNkulunkulu.**

**2. Thatha isikhathi ulalele. Limukele izwi Lakhe. Amazwi athwele isivumelwano segazi. Ngaso sonke isikhathi kufanele ufunde ibhayibheli ngokuziphatha. Cela Umoya Ongcwele ukuhole.**

**3. Thatha isikhathi ukukhuluma. Yisho amazwi akho. Kunabantu ababhala phansi abakucabangayo nemizwa yabo, okungaba ngokubaluleke kakhulu. Uma ungakaze waba nesikhathi ngokuthembeka kuNkulunkulu, kufanele ubhale phansi konke okucabangayo, ubhale phansi ngemizwa yakho nokwenzayo mihlayonke. Uzokumbona uNkulunkulu akhuluma nawe! Yiba neqiniso ngokulinganayo. Ukuthembeka kulomlingani wakho wesivumelwano segazi uJesu kuzokwenza isono sakho siye Kuye. Futhi angeke wanqoba isono ngaphandle kokuthembeka Kuye.**

**4. Thatha isikhathi ukukhuluma. Khuluma amazwi Akhe. Funda Amahubo neZaga emini. Okunye okungakusizawukufunda uzwakalise Amahubo ayisihlanu ngosuku njalo ekuseni. Sebenzisa indlela yekhalenda. Njengesibonelo, ngezi 24<sup>th</sup> enyangueni funda Amahubo 24, 54, 84, 114, no 144. Ufunde futhi Izaga 24. Ngalandlela umfundi uyofunda onke Amahubo ne**

Izaga zonk' izinyanga. Ukusebenzisa loluhlelo kubuyisa ingqondo, kukhuluma Izwi kusathane, kuvumela inhlupheko yekholwa ukufanisa imizwa yakhe neyomhubi. Ungazenzela amalungiselelo enyanga ngamalanga angu 31, nangAmahubo 119. uNkulunkulu angakuholela kweminye imibhalo ukuthi uyifunde nayo uzwakalise uma uqhubeka, kodwa loku ukuqala okuhle, ungaqhubeka ngako njengesibusiso sempilo yakho yonke.

5. Mlalele uNkulunkulu. Cela ukuba uNkulunkulu akunikeze into elula, okuncane mihlayonke ukuba ukulalele. Kungaba ukukhuthaza omunye. Kungaba ukungahambi ngaleyandlela ekuyisa ekulingweni njalo, noma kungaba ukutshela uNkulunkulu njalo ngezono zakho.

Lena yinto enkulu!

KaJohane 14:21-23 uthi uma silalela Izwi Lakhe uzosambulela okuningi nokuningi Ngaye. Uma uke “wambona” uJesu, ubuhlobo bakhe nawe bungeke busaba wukuzibamba kuphela, kepha kuyokuba ukuhlanganyela okumnandi. uMpostoli Pawuli ube nabo lobu bumnandi lapho asho ku KwabaseFilipi 3:10, (Isizathu sami engisifisayo yilesi) Ukuze ngimazi Yena (ukuthi ngithuthukele ekujuleni kokumazi ngifane Naye, ngibambe, ngizwisise, ngibone lesimanga sobuYena mathupha kancono nangamandla, ukuthi futhi ngalesosikhathi ngazi lamandla aphuma ekuvukeni Kwakhe (lawo aphezu kwamakholwa) ukuthi nami ngihlanganyele ekuhluphekeni Kwakhe kuze ngiqhubeke njalo ngikhule (emoyeni ngize ngifane Naye ngisho) nasekufeni (ethembeni).”

6. Isidlo seNkosi (ukuxoxisana). Yidla isidlo seNkosi ngezikhathi ezifanele. Abaningi bakwenza mihlayonke.

7. Hlala uhlanganyela. Kubalulekile ukuhlanganyela nabantu abakholela kakhulu ebhayibhelini, begcwele Umoya, nivuselelane ngokunikana amandla.

Kufanele uhambe othandweni, uma uhluleka, balekela kuNkulunkulu ayokuhlambulula.

“Umthetho woMoya wokuPhila kuKrestu uJesu usikhululile emthethweni wesono nokufa” (BaRoma 8:2). Uma sihlala sibheke kuNkulunkulu sihlale sithembekile Kuye, uzosibonelela noma siwa noma sinamaphutha.

Bheka kusengezo Umfula ogobhozayo uzinike isilinganiso seqiniso.

## ***Isahluko 2-Umfula ogobhozayo***

Uma ungenazo izono ezaziwayo fakaza ngoKwabaseGalathiya 2:20 na KwabaseKorinte 5:21.

### **Isengezo F**

#### **Uhlobo – lukaMoya.**

- Uthando - uphethe abanye ngalothando lukaNkulunkulu olungenambandela?
- Ubugovu - Ufuna okwakho kunakwabanye.
- Ukutshontsha - Uyakhumbula lapho uthatha imali engakakuqondi?
- Ukukhohlisa - Kukhona okuthole komunye umuntu ngokungemthetho?
- Amanga - Enye indlela yokukhohlisa amanga.
- Ukuhleba - Ukukhuluma kabi ngabanye. Akufanele ube namanga. Uke wakhuluma ngabanye ngaphandle kothando?
- Ukungabi nasimilo - uyazisola ngokuvusa izinkanuko owungeke uzifeze ngeqiniso? uyajola, ungcilile, ngisho noma ukungcola emzimbeni wakho.
- Ukudakwa - ubudakwa buwubuthakathi, uphuza kakhulu emaphathini.
- Inhlamba- noma ukhuluma izinto ezimbi, amagama angalungile, ukhuluma izinto ezingaphelele noma ezingena ngqondo, ungcilile, uyisiphukuphuku, uyaganga, unenkulumo ekhohlakekele.
- Umhawu - ukhuluma kabi ngokuhluleka kwabanye kukhombise umona.
- Ukungabongi - kukangaki abantu bakwenzela izinto ungabongi?
- Intukuthelo - Uke ungakhoni ukuzibamba?
- Ukuqalekisa - Uke ukhulume kabi?
- Inkulomo engadingeki yobuthutha - ukukhuluma njengesithutha, ukuncokola namahlala aphilayo aqondiswe ekwehliseni okuhloniphekayo empilweni. Ukuhlelekisa ngesizwe esithile noma izwe elithile, ngombuso noma isigodi ezweni lakini, noma ngomunye wawosopolitiki? Amahlala ngezinhlanga noma ngezindawo akunandawo ebungcweleni.
- Ulunya - Uyaphindisela, ukukhonona noma ukuphindisela okubi ngokubi?
- Injwayelo - Uke ube nenkanuko enkulu ekudleni ngokuphindaphinda, udla kanjani?

## *Isahluko 2-Umfula ogobhozayo*

Isidenga - Uyakhumbula uma udonsela emuva lapho kufanele uphendule?

- Ukuvimbela - Uke waphula ithemba kumuntu okuthembile ngokumbambezela? Uke wakhaphela okuthembileyo?
- Ukuzenzisa - Lempilo oyiphila phambi kwabanye abantu ingabe yenza lokhu okukhuluma ngo Krestu nevangeli amanga na?
- Izifungo eziphukile - Kukhona isifungo owasifunga kuNkulunkulu ongasigcinanga?
- Ukungaxoleli – Kukhona omthukuthelele, umngane noma isitha?
- Ukwahlukana - Ubuqembu, umoya wobuqembu ngokuba seqenjini.
- Inkanuko- uyidlabha elinothile... uthenga ngokwedlulele, awufuni ukwedlulwa yizinto, umosha isikhathi.
- Ukungabi nasineke- awuphathi kahle umfazi wakho, Indoda yakho, abantwana, noma abazali bakho, ngothando nenhlonipho.
- Ukungeneli, Unomona ngaloku abanye banako wena ungenako.
- Uthando lwemali - Nomuntu ongenayo imali angaba nesono sokuthanda imali.
- Izithixo - Noma ngabe yini oyifisa/oyithanda ukwedlula ukuthanda uNkulunkulu.
- Inkani - Uke wasusa ingxabano ngenxa yamagama angadingekile enkulumeni?
- Ubuthakathi - Ukusebenzisa abanye ukuze wena unele/uphumelele.
- Ukuvukela umthetho – Uyabambisana nomcashu wakho, uthisha, umzali, Isisebenzi senkolo ngisho nohulumende wendawo yangakini.
- Ukuthanda umhlaba - kufaka: Izono zamehlo - Ufundani noma ubukelani? Inkanuko yenyama -Ukhanuka ini? Ukuziqhenya empilweni - Yikuphi empilweni yakho obona uKuthi ungakwenza ngaphandle koncedo lukaNkulunkulu? Ukuzenzisa engqondweni noma empilweni ukuba uzenze kwangathi ukahle noma ungasikahle kuloku UYIKHO.
- Ukuziqhenya kuyisono esikhulu kunazozonke. Bheka kulezizinto:
  - Ubheke kakhulu ukuhluleka kwabanye noma ubhekene nokwenza kwakho wedwa ekukholweni?
  - Ungumzencisi noma osolayo njalo, noma ulungile uyaxolela, ulindele okuhle ngisho kwabanye?
  - Ubhekela abanye abantu phansi, noma uyabaphakamisa abanye kunawe?
  - Uzimele geqe futhi unako konke noma ume ngabanye, ulindela ukuthola kwabanye?

## ***Isahluko 2-Umfula ogobhozayo***

- Ufuna ukubusa noma ufuna ukubuswa?
- Ufuna ukukhombisa ukuba kahle noma uyavumelana nokukahle?
- Unomoya ofuna ukwamukela noma ukupha?
- Ufisa ukusebenzelwa noma ukusebenzela abanye.
- Ufuna ukuphakanyiswa noma uyajabula uma abanye baphakanyiswa?
- Ufuna ukunconywa noma uyajabula uma abanye benconywa?
- Usuqinisekile ngaloku okwaziyo noma uthobekile ngaloku osafanele ukwazi?
- Uyazicabangela noma awuzicabangeli kwasanhlobo?
- Awubafuni abantu eduze kwakho noma uyazama ukuzisondeza kubo. Uzimisele ukungena othandweni olujulile?
- Uyashesha ukusola abanye noma uyavuma uma wonile?
- Awufinyeleleki noma uncengeka kalula?
- Uyalwa uma uphikiswa noma uyavuma ukuphikiswa ngokuzithoba nenhliziyo enhle?
- Uzimisele ukuhlonipheka noma ukuba yiloku oyiko?
- Uyanaka ngaloku abantu bakucabangayo noma ngaloku uNkulunkulu akucabangayo
- Usebenzela ukwakha isithunzi sakho noma ulwela ukubamkhulu?
- Ukuthola kunzima ukuxoxa ngezidingo zakho zikamoya nabanye noma ukhululekile awunamahloni?
- Uyazama ukufihla isono sakho noma uyavuma ukubonakala uma wonile?
- Ukuthola kunzima ukuthi, "Ngonile,ngicela ungixolele".
- Uma uvuma isono, uvuma lesi esijwayelekile noma esithile?
- Uyazisola ngesono sakho uma utholakekele, noma uyadabuka bese ushesha ukuphenduka?



## ***Isahluko 2-Umfula ogobhozayo***

- Uma kunokuxabana noma ukungazwisisani kahle, umela abanye ukuzoxolisa kuwe noma nawe uyaziletha ngaphambili?
- Uyake uzilinganise nabanye uzibone ufanelwe ukuhlonishwa noma uzilinganisa emuseni kaNkulunkulu uzithole unganamandla ufanelwe wububele Bakhe.
- Ucabanga ukuthi kukhona noma akukho okuncane ofanele ukuphenduka kuko noma uphila impilo yokuphenduka mihla yonke.
- Ucabanga ukuthi bonke abantu badinga imvuselelo noma uzwa kunesidingo sokugcwaliswa njalo ngoMoya Ongcwele namandla.
- Uyajabula lapho unekholwa elise lisha noma ujabulela ukuzimisela kwakhe?uyavuma ukufunda kuye?
- Awujabuli lapho unekholwa elinolwazi kakhulu,noma uzwa ulangazelela ukufunda kulo?

### **Sikhona isidingo sokuhlinzwa?**

Uma uMoya Ongcwele usikhombisa isono, kufanele sibuyele lapho Inkosi yahlangana nathi khona, Kusesiphambanweni futhi. Siyayibona Inkosi uJesu ibethelelwa lesa sono, ithwala icala lethu.

Umugqa wegazi uyehla kusuka lapho isiphambano sihlukana khona. Leso sehlakalo sifanele ukusithusa sisizwise ubuhlungu ngoba sibona lapho uNkulunkulu ehlisa isijeziso, Kufanele sizwisise sazi ukuthi lonke ulaka nesigwebo sikaNkulunkulu kwehliselwa kuJesu esiphambanweni.

uJesu usilinde khona lapho, akasilindanga ukuzosijezisa, kepha ujabulele ukuba nathi esiphambanweni ukuze simnike izono zethu. Ngakho amakhohla amaningi abalekela uNkulunkulu ngamahloni nokuzizwa benecala uma bezithola besesonweni. Izono zakudala,amaphutha nezinqumo ezimbi, uma uthi ukuyekile ungakubhekisisanga kahle, kuyovala Ubukhona bukaNkulunkulu kuwe.

uNkulunkulu ufuna ukhule, ufunde ungaphinda-phindi amaphutha futhi, nanoma akuletha eBukhloneni Bakhe ungabi namahloni nacala, lokho kubalulekile Kuye. Yiyona ndlela ungamngcwelisa ngayo, ukukhululeka kubo bonke ububoshwa. KwabaseRoma 8:1-2 uthi kukhona umthetho wesono nowokufa. Loku okuhlanyelayo yilokhu okuvunayo. Lomthetho wokuhlanyela nowokuvuna uhambisana nembewu enhle, nanoma kulembewu embi kunekhambi. Lelo khambi Wumthetho kaMoya weMpilo, eliwushabalalisayo umthetho wesono nokufa.

“Akukho kulahlwa kulabo abakuKrestu uJesu, abangahambi ngenyama, kepha abahamba ngokukaMoya.

## *Isahluko 2-Umfula ogobhozayo*

Ngokuba umthetho kaMoya weMpilo kuKristu uJesu ungenze ngakhululeka kumthetho wesono nowokufa. Ngokuba lokho, umthetho ungeke wakwenza kungabi namandla enyameni, kepha uNkulunkulu wakwenza ngokuthumela Indodana Yakhe ngesimo senyama esesonweni, ngenxa yesono: Wasilahla isono enyameni, ukuthi ukugcwaliseka kwesidingo somthetho kugcwaliswe kithi esingasahambi ngokwenyama kepha ngokukaMoya” (KwabaseRoma 8:1-4).

Ikhambi likaNkulunkulu lesono wukuya Esiphambanweni, woza ebungcwele-ngcweleni eBukhloneni Bakhe uvume isimo Sakhe simboze esakho. Ubungcwele Bakhe buyoshabalalisa isono. Yilona kanye ikhambi. Singeke sazenzela thina. Yilena ndlela yokuvala. Asisikhipi kithi isono, uNkulunkulu umboza isono sethu ngobuNgcwele nothando ngako isono siyaphuma. Ungaphelelwa ngamandla uma uyofanela ukuphinda phinda loku. uNkulunkulu akusiyena olahlayo, ngusathane olahlayo. uNkulunkulu uyokumukela noma uza kangaki. Uma ungasezi yilapho ezwa ubuhlungu.

*Phuma uze ekukhanyeni koqobo.* Lahla ukuzikhohlisa ubhekane nesono njengoba sinjalo. Hlehla kuso, ngenhliziyo yakho. Yima noNkulunkulu umelane nesono. Hlosa enhliziyweni yakho UKUNGABUYELI esonweni.

Ukuvuma:

“Uma sivuma izono zethu, Uthembekile futhi ulungile ukusixolela izono zethu, asihlanze kuko konke ukungalungi” (1 NgokukaJohane 1:9).

“Inkosi inobubele futhi ilungile, ayisheshi ukuthukuthela, inothando oluningi. Akahlali ngokuthwesa icala, akabeki magqubu njalo; akasiphathi njengoba kufanele ngezono zethu noma ngokungalungi kwethu. Njengokuphakama kwamazulu phezu komhlaba, lukhulu kanjalo uthando lwakhe kulabo abamesabayo; njengoba impumalanga ikude kunentshonalanga, ususe kanjalo iziphambeko zethu kithi” (Amahubo 103:8-12).

*Ukuxolelwa akufani nokuyekelwa.* Ukuxolela yigama elinamandla elisho ukususa njengalapho udokotela asika isimila. Ukuxolelwa kwesono kusho ukuthi lesono sisusiwe kuwe safakwa kuJesu owasithwala esiphambanweni. Akuyekwa lobubi obenzwa, kodwa buyasuswa. Angeke kwaba kahle. Nanoma uxolelwa, siyasuswa kulomuntu sifakwe kuJesu.

Ukuvuma ukuhambisana noNkulunkulu ngendlela abona ngayo into bese uyisho ngomlomo wakho. Ukuvuma akusinje ukukhuluma ngento,

## *Isahluko 2-Umfula ogobhozayo*

ukuvuma kusho ukuvumelana neZwi. Ukuzithoba ukuvuma ukuthi uphosisile.

Ungakwenza lokhu manje? Uzoya kuBaba wakho onomusa nobubele njengengane encane uzithobe ucele intethelelo uvume izono zakho?

“Oh! Nkulunkulu, Uyabazi ubuwula bami, nesono sami asicashanga Kuwe.... ngenxa yegama Lakho, sula ukungalungi kwami, ngokuba kukhulu.... uma Wena, Nkosi, uyukuloba ukungalungi kwami, wubani oyokuma? Kodwa kunentethelelo Kuwe, ukuze usatshwe.

Oh! Nkulunkulu, Baba wami, ngiza Kuwe ukuzovuma isono/izono zami zonke: (loba uhlu uzivume.)

Izwi Lakho lithi loku kwenza/noma lesisimo siyisono, nami ngivumelana neZwi Lakho. Ngibiza lesisono njengesono. Angisibalekeli. Angisafuni ukubamba lesisono emoyeni wami, empilweni nasemzimbeni. Ngifuna siphume ngiyasixosha. Singihlukanisa Nawe. Siyangilimaza. Ngifuna ukwelashwa, emoyeni, empilweni nasemzimbeni, futhi ngifuna ukubaseduze Nawe. Ngiyakwamukela ukuxolelwa kwami. Ngiyabonga ngokuletha lesisono kuJesu, ngiyabonga futhi ukuthi Usithethe kimi wasibeka esiphambanweni Sakhe. Ngiyazi ukuthi ngangingafanele lokhu, Kepha ngibonga kakhulu ukukhululeka”.

Imbuyiselo ukuthembisa ukukhokhela noma ukulungisa lapho wone khona. Uma usuxolelwe manje phambi kukaNkulunkulu, uzimisele ukumcela Yena ukuba akunike amandla okuvuma nokulungisa nakwabanye oke wabaphosisela na? Unembeza wakho fanele abe msulwa phambi kukaNkulunkulu nakumuntu, uma ufuna ukwazi inkululeko yoqobo. Ungeke wamela uNkulunkulu neyizolo elingcolile emehlweni abantu.

Lapho ukhumbula ukuhluleka kwakho emehlweni abo kuyokwenza ungene kakhulu ebugqilini ngaso sonke isikhathi lapho usakhumbula. Uma ungakaceli ukuxolelwa yibo, ukungakhululeki kwakho kuyobulala kukuthathele nendlela nenhloso. Angeke, ngokweqiniso, uvume zonke izono kubo bonke abantu; kuphela lezono ozenze kulabo osabakhumbula ukuthi wabaphosisela.

Umthetho: Umzungelezo wokuvuma kufanele ufinyelele kulomzungelezo walapho wone khona. Lezo zono kuphela ozenze kuNkulunkulu, uzishiya othandweni Lwakhe olukhohlwayo (Amahubo 103:8-13; u-Isaya 43:25; uJeremiya 31:34). Lezo ezenzwe kumuntu nakuNkulunkulu fanele zilungiswe NDAWOZOMBILI kuNkulunkulu nakulomuntu noma abantu obaphosisele.

## *Isahluko 2-Umfula ogobhozayo*

Izinxenye zesengezo F zithethwe emibhalweni kaWinkie Pratney eyashicilelwa ku World Wide Web, yasentshenziswa ngemvume.

Okwesibili: Isitsha sokugezela: Izwi likaNkulunkulu.

### *- Isitsha Sokugezela Sethusi -*

Manje ngoba onembeza bethu bahlobile singaxhumana noNkulunkulu, asingene Ezwini.

Izwi lithi umpristi uzokufa uma ezama ukungena eNdaweni Engcwele angakemi esitsheni sokugezela. Singeke saqhubekela ebukhoneni bukaNkulunkulu singakahlanzwa Yizwi leNkosi (KwabaseEfesu 5:26-27).

Esitsheni sokugezela sohlanjululwa kuko konke ukungqola kwasemhlabeni. Siyokuba yisibuko sokusahlulela; kuzobuya konke engqondweni loko okufanele sikulungise noNkulunkulu. Izwi liyovuselela ingqondo zethu ukuze sicabange ngokoMoya simelane namazwi amadimoni akhuluma ezingqondweni zethu.

Izwi lisitshela futhi ukuthi usathane wahlulelwa (NgokukaJohane 16:11). Yiba neqiniso lokusho lokhu ngamandla "Sathane utholakele uyisahluleki!"

#### **Yiba nesikhathi useZwini!**

- a. **Sebenzisa incwadi yakho yomthandazo.**
- b. **Sebenzisa iSOB yakho noma enye incwadi yokufunda ibhayibheli.**
- c. **Funda izaga kwanamuhla.**
- d. **Funda elilodwa noma amaningi Amahubo.**
- e. **Funda ezinye izincwadi eziphathelene neBhayibheli, noma funda nje iBhayibheli bese ucela Umoya Ongcwele akuchasisele. Funda iBhayibheli esikhathini sonyaka wonke.**
- f. **Lalela izifundo noma umculo oneZwi.**

**Okwesithathu: Isimbozo sokuqala:**

### *Isimbozo sokuqala: Ukubonga*

Woza emasangweni Akhe ngokubonga, phakathi kwamagceke ngendumiso. Manje ngoba ususeZwini, usuyazi ukuthi ulungile kuNkulunkulu, usathane wehlulelwe. Kuningi ofanele ubonge kukho!

## *Isahluko 2-Umfula ogobhozayo*

Nanoma kungekho lutho duzane nawe ongalubonga, zama ukukuthola. Mbonge ukuthi usindisiwe uya ezulwini.

Mbonge ngaloku Izwi likushoyo. Mbonge ukuthi Izwi lithi nokuthi uyazi ukuthi ungumnqobi uma uhlala Ezwini. Mbonge ngalezithembiso azithembisa kuwe ezisengakafiki empilweni yakho. Mbonge ngoba uyazi ukuthi ufuna ukuthatha konke ongakuthandi empilweni yakho akuphendule izinto ezinhle. Ukumbonga kuwulwazi olukhulu ebuhlotsheni. Abantwana bahlala bejabule nabazali babo lapho behlala ngokubonga kunokuhlala bekhononda, becela, bephikisa.

Esesine: Intando yakho.

### *Itafusa lesinkwa sokubukisa*

Isimo esilandelayo siphakathi kweNdawo Engcwele. Lana kulapho unika uJesu intando yakho kube yintando Yakhe, ingqondo yakho kube yingqondo Yakhe, imizwa yakho kube yimizwa Yakhe. Loku wukuthwala esakho isiphambano, wukuziphika ulandel' uJesu (NgokukaLuka 9:23). Kuphela ungamtshela uNkulunkulu ukuba athathe yonke inhliziyo yakho, angeke alwe nentando yakho. Udinga ukuzwa wena umtshela ngezinto zentando yakho ozinikela kuye.

Nika uNkulunkulu izifiso zenhliziyo yakho (nanoma zizinhle) ukuze Yena azifake enhlosweni Yakhe ngempilo yakho. Beka phansi okufunayo, izifiso namasu ucele awakaNkulunkulu.

uNkulunkulu ulindele intando yethu; yiloku isinkwa sokubukwa siyikho. Isinkwa ufulawa ogayiwe, wahlanganiswa namafutha okwaphekwa emlilweni. Intando yethu nezifiso zethu kufanele njalo-njalo kunikelwe e-altare ukuze kushiswe kugayeke. Loko kuwumnikelo okhethekile kuNkulunkulu, ngokuba kuyintando yethu, angeke asiqindezele, asikhuze. Nikela umzimba wakho njengomnikelo ophilayo, ukuze sibone lentando Yakhe ephelele (KwabaseRoma 12:1-2).

Tshintsha ingqondo yakho uxolele nanoma uzwa ungafuni.

Leli yithuba lokuphenduka, ukuphenduka ezindleleni nasezintweni zomhlaba uye endleleni kaNkulunkulu. Uma sijika, sithola amandla kaNkulunkulu (Izenzo 26:18 no 11KwabaseKorinte 3:16).

## *Isahluko 2-Umfula ogobhozayo*

*Tshintsha lenkanuko yenyama ibe yinkanuko yesithelo sikamoya. Isithelo sikamoya: uthando, injabulo, ukuthula, ukubekezela, ukulunga, ubukahle, ukuthembeka, ubumnene nokuzibamba (KwabaseGalathiya 5:19-23).*

Esesihlanu: Ukucabanga kwakho.

### *InsiKa yesibani yegofide*

Tshintshisa imicabango yakho emidala ngekaKrestu. 2KwabaseKorinte 10:4-6 usitshela ngokuthi izikhali zisezingqondweni zethu. Usitshela ngokuthi okusibambezelayo yizizathu zethu ezigqilaza imicabango yethu, lemicabango isivimbela ekumazini uNkulunkulu. Kuningi esingakusho lapha ngoba lemicabango yiyona mbewu yobuthina.

Asikhulule imicabango yethu! Kanjani? Lapho siseyiziboshwa esonweni, sasebenzisa leSihlahla sokubi nokuhle, lokho kuyizizathu zethu. Manje masisebenzise leSihlahla seMpilo, esiyiZwi likaNkulunkulu. Angisacabangi ngikhethe, kodwa sengisebenzisa ingqondo yami ngenhloso kaNkulunkulu, loko kuwukuzwa nokulalela! Loku kuphela kungadiliza lezibambezelo emicabangweni yethu. Uma siyibona inkazimulo kaNkulunkulu ngokweqiniso njengoba uPawulu wayibona endleleni eya eDamaseku, asisabi nezizathu, sithi kalula, "Nkosi yini ofuna ngikwenze". Bopha lemicabango yakho ephambene ngokuyiletha ngokweqiniso esiphambanweni; yinikeze uJesu njengento ongayifuni. Kunamandla lokhu!

Ngaso sonke isikhathi amadimoni asithwesa amacala agcwalise ingqondo zethu ngamaqiniso angaphelele. 1Korint 11 usitshela iqiniso ngokuthi uNkulunkulu uyasusa lokuhlakanipha kwethu kwemvelo afake loku okukaMoya Ongcwele: i.e. Umoya weNkosi, ulwazi, isiluleko, ukuhlakanipha, ukulalela, ubukhulu nokwesaba kweNkosi.

Sidinga ukuvuselelwa wuMoya Ongcwele neZwi likaNkulunkulu emicabangweni yethu (KwabaseRoma 12:2). Hleze ukuhlakanipha kwethu akukwazi ukuthandaza. KwabaseRoma 8:26 uthi kufanele sisebenzise ulwimi lomthandazo kuze sithandaze intando kaNkulunkulu ephelele. Ngaso sonke isikhathi uma usebenzisa ulwimi lwakho lokuthandaza, uthandaza uphimisele Izwi likaNkulunkulu neNtando kaNkulunkulu. Inkulumo yakho iba phakathi igcwalise bonke ubuchopho bakho, kanjalo ukucabanga kwakho kuyavuseleleka kube bushelelezi kutshele inyama ukuba ivumele Intando kaNkulunkulu

## *Isahluko 2-Umfula ogobhozayo*

**Isigcoko sensindiso.** Ubuchopho bethu budinga ukusindiswa ekuhlakanipheni, ekuvumeleni imicabango nokuhlakanipha kwethu kuthathe indawo kaNkulunkulu empilweni zethu. Ngaphandle kwaloku, singeke sahamba entandweni ephelele kaNkulunkulu empilweni zethu (KwabaseRoma 12:1-2). Kujwayelekile noma kungenzeki, loku akuyona into esingayikhona noma esingazenzela nje. Esikhathini esiningi “kuyaphukwa”, kunezimo ezedlula loku esingakucabanga noma esingakulungisa/noma ukukuxazulula. Kuyilapho-ke sikhona ukulinda sithule ukuze uNkulunkulu Yena akhulume sithulile lapho esebenza empilweni zethu. Insika yesibani ngokwemvelo imele ubufakazi. Kumele sisebenzise amandla okuhlakanipha kwethu ukukhuluma Izwi likaNkulunkulu njengobufakazi esitheni.

**Okwesithupha: Imizwa yakho.**

### *Altare Lempempho*

Tshintshisa imizwa yakho emidala ehlulwa yinyama yakho nomhlaba, ngezithelo zikaNkulunkulu zokuthula, injabulo, uthando, ithemba, etc. Lena yindawo yomnikelo wendumiso. Funda Amahubo 145-150 uphimisele kakhulu uma ungayizwa lendumiso ngaphakathi enhlizweni yakho. Unkulunkulu ufuna labo abamdumisa ngoMoya nangeQiniso (NgokukaJohane 4:24). Kusuka kulelizinga lokudumisa, uNkulunkulu uzokufuna alangazelele ukuba nawe!

Nika uNkulunkulu leyo mizwa owawuyigodlile; hleze izinyembezi, mhlawumbe ukuphakamisa izandla, noma mhlawumbe nje wukwambula Kuye imizwa yakho yoqobo. Qhubeka, akukho obonayo ngaphandle Kwakhe!

Ngaphambi kwale altare kunalengubo ebanzi efihla Ubungcwele-ngcwele noBukhona bukaNkulunkulu. uNkulunkulu ufuna uze udlule kulendwangu ngendlela edlula ukufisa kwakho. Uzokudonsela ngaphakathi. Akukho umuntu wemvelo ongadlula lapha ngaphandle kokufa(ukuzinikela). Lendwangu yadabuka kusuka phezulu kuyephansi mhla uJesu efa esiphambanweni, loko kusinikeza ukungena ebukhoneni bukaNkulunkulu ngegazi Lakhe, kusho futhi ukuthi ukufa Kwakhe kususelesivimbo esadalwa yisono ukuze singangeni ebukhoneni bukaNkulunkulu. Mdumise uJesu ngalelophuzu.

Ebungcwele-ngcweleni yindawo lapho kungekho sibani kepha kunoNkulunkulu. uMpristi omkhulu angaya lapho kanye ngonyaka kuphela, futhi kuphela ezikhathini ezithile. Lempepho engumboni-sici kule altare ingena noMpristi kanye ngonyaka eBungcwele-ngcweleni. Loku kubonisa ukuthi ukudumisa nokukhonza kwakho akumi lapha kodwa kungena ebukhoneni Bakhe, futhi kuhamba nathi.

**Umoya wakho-ubukhona bukaNkulunkulu.**

### *Umphongolo wesivumelwano*

Lapho uya khona. Manje uNkulunkulu ukudonsela ngale kwalesimbozo uba ngaphakathi Ebungcwele-ngcweleni - Ebukhoneni qobo bukaNkulunkulu.

Nangu Umphongolo Wesivumelwano. Umbozwe yiSihlalo Somusa okufafazwa kuso igazi. Sidinge umusa e-altare yethusi, esiphambanweni, nasekuqaleni. Nanoma, manje ebukhoneni Bakhe kungenye indlela yokubona umusa Wakhe negazi likaJesu ngendlela kuphela ongaboniswa wuMoya Ongcwele. Umusa Wakhe uya njalo naphakade. Akukhonakali ukubhala ngawo, kufanele ukwazi. Loku kungesikhathi lapho imbewu Yezwi ihlanyeleka enhlizweni yakho. Lapho Izwi likaNkulunkulu ligcotshwe wubukhona bukaMoya ongcwele, linamandla!

Nxazonke kunezingelosi ezinkulu ezivikele konke. Akunasibani lapha kwasanhlobo kuphela kunokukhanya kukaNkulunkulu.

Khumbula, Umphongolo Wesivumelwano usenzizweni yethu manje! Akuseyona into yangaphandle. SiyiThempeli likaNkulunkulu. Cabanga ngaloko. "Anazi ukuthi nina kwanina niyiThempeli nokuthi Umoya kaNkulunkulu uhlala kini?" (1KwabaseKorinte 3:16).

Okuqukethwe Wumphongolo kubonakalisa izinto ezintathu:

*Imana, noma Izwi likaNkulunkulu:* Uma usebukhoneni bukaNkulunkulu, Izwi elambulwa likaNkulunkulu lithola ukuphila! Ibhayibheli liphenduka imibhalo Engcwele, lemibhalo Engcwele iphenduka Izwi, naleLizwi liphenduka inyama. Lelizwi likuwe manje! Uma unesikhathi, lesi yisikhathi esihle sokuvula iBhayibheli uvumele iNkosi ikhulume nawe. Imana ichaza ukuzilungiselela kwethu. Onke amalungiselelo ethu, uthando, ukuvikeleka nokubaluleka kuvele sekungaphakathi kithi. Loku kufaka konke esikudingayo empilweni nasebukhulunkulwini. Isithelo samalungiselelo lapha emhlabeni sisinikwa nguNkulunkulu ngeZwi (2NgokukaPetru 2:1-11).

Izibhebhe zomthetho: Lesi yisikhumbuzo esihle sokuthi umthetho kaNkulunkulu ulotshwe ezihlizweni zethu. Akuselona uhlu lokuthi-ungenzi loku/yenza loku.

Induku kaAroni: Loku kubalulekisa ugobo lwethu ekuholeni ukuba yizisebenzi namasotsha omthandazo kaNkulunkulu. Kunezinduku eziwu12 ze-almond ezabekwa eThempelini ngesinqumo sikaNkulunkulu. Leyo eyokhula phakathi nobusuku,



## *Isahluko 2-Umfula ogobhozayo*

Iyokuba nqeyaloyo mnikazi ozakukhethwa abengumholi ogcotshiwe kaNkulunkulu. NguNkulunkulu kuphela onobuholi bethu, lokho sikubona kuphela lapho sisebukhoni Bakhe (Unumeri 17:8).

Naku lapha siyothola ngokoqobo izithembiso zikaNkulunkulu Ezwini Lakhe. Uma sizithola lapha, siyakwazi ukuthi sizobanazo! KwabaseFilipi 4:19 uthi, "uNkulunkulu wami uzokunelisa zonke izidingo zakho ngendlela yomcebo Wakhe enkazimulweni kaKrestu uJesu". Lapha usenkazimulweni! Nawu onke umcebo wasezulwini ulinde wena.

Qala ukumbonga uNkulunkulu ukuthi lezinto ezintathu azimanga nje ngaphambi kwakho, kodwa zikuwe. Akuzona zodwa, kepha negazi nesihlalo somusa nezingelosi zikuvikele kanye nakho konke okwakho. Amahubo 91 athi izingelosi zikuvikele endleleni yakho yokusebenza nokuthembeka.

Manje usuhlomele ukuba umlamuleli wempela. Uhlanganyela emsebenzini woMpristi omkhulu uJesu, uthandazela abanye kuzwakale. uJesu uthi ku-NgokukaJohane 15:7, "Uma uhlala Kimi, namazwi Ami ahlala kuwe, uzocela ozokufuna, futhi uzokwenzelwa kona".

Ukuthwala isiphambano sakho kuveza imbewu.

Ukuba khona kukaNkulunkulu ekuhlanganyeleni akusona sizathu kuphela sokuthwala isiphambano lapho uya Ebungcwele-ngcwele, kepha kuqedelela enye into enamandla amakhulu.

Kunyakazisa imbewu kaNkulunkulu ephakathi kuwe ngemisebenzi yamandla empilweni yakho nasemfundisweni koqondene nabo. Qhaphela, phakathi koMphongolo, kuna loku okuthathu okubalulekile kwesithelo: Isithelo sesimilo, isithelo sokulungiselelwa, isithelo semfundiso lapho kukhona uMbuso kaNkulunkulu, nobuholi. Uma ulahla lo-wena omdala, unqabe lezindlela ezakhethwa wuAdamu noEva ezabaholela ohlelweni lomhlaba, uzothola ukuthi zonke lezizinhlobo zezithelo ezintathu ziyobonakala empilweni yakho.

Kuyokuba isikhathi esimnandi sokuhlala uthamele ebukhoni bukaNkulunkulu. Uma usungenile eThebenakhelini njengoba sicazile, yiba nesikhathi lapha sokuthula uzizwise ngokubaNaye. Akudingekile nokuthi ukhulume. uNkulunkulu uyakuthanda loku, nawe uzokuthanda. Yiloku singako lesisifundo sonke, ukungena ebukhoni bukaNkulunkulu! Yima uzizwise ngoNkulunkulu.

Zinqumele ukuthi uzokuzivivinya ngobukhona bukaNkulunkulu ngendlela yemihla nemihla yonke. Kungumqobelo omkhulu ekwahluleni kulempilo nakwezayo.

## Isahluko 3

### Iziboshwa Ezweni Lesithembiso

Ithestamente elidala linikwe njengohlobo nesixwayiso kithi ukuze sifunde khona.

1 KwabaseKorinte 10:11 uthi, "Lezizinto zenzeka kubo njengesibonelo zabhalwa phansi njengezixwayiso kithi, thina labo ukugcwaliseka kwesikhathi kufikela kithi". Izwe Lesithembiso kuThestamente Elidala kwakuyizwe laseKanana. Kwakungeyona indawo ekahle, kepha indawo lapho kuhlala izitha zamalsrayeli; indawo yempi nomshikashika. Izwe lethu Lesithembiso akulona izulu, yiko khona lapha, manje, ukuzuza izithembiso zika Nkulunkulu empilweni yethu njengamakholwa. Izitha zethu zikhona lapha zingasasigqilaza namanje, noma kuseZweni lethu Lesithembiso! Akuthi njengoba singamakholwa sesingaphandle kwamajele kasathane.

KuThestamente Elidala amalsrayeli abe yiziboshwa Ezweni labo Lesithembiso. Namakholwa angaba, kunjalo, abayiziboshwa zikasathane futhi angazi. Singaba nezivimbo ezisivimba ekugcwaliseni lenhloso yempilo esinikwe wuNkulunkulu. Isivimbo wumcabango ovuma okukhona noma okungaguquki, loku okuphambene nentando ebonakalisiwe kaNkulunkulu.<sup>2</sup>

Usathane angeke asakhona ukubamba abantu bakaNkulunkulu ngendlala, ngako wazama ukubabamba ngobugqila baseGibhithe. Wazama futhi, ukubabulala ehlane endleleni yabo yokuya Ezweni Lesithembiso, kepha wahluleka ukubamisa emfuleni iJoridane, naseJerikho. Kodwa uma bangena Ezweni Lesithembiso, wabathola kwelinye lamadolajane elalibizwa ngokuthi i-Ayi. Kungani? Kungenxa yesono sabo. Kwakuyisitha esingaphakathi, kungasiwo amandla empi abonakalayo (uJoshuwa 7).

Amalsrayeli ayese yiziboshwa nanoma esengenile Ezweni Lesithembiso!

"Base abantwana bakwa Israyeli benza okubi emehlweni Enkosi. Ngako Inkosi yabanikela esandleni samaMidiyane iminyaka eyisikhombisa, nesandla samaMidiyane sabanamandla kumalsrayeli. Ngenxa yama

.....  
<sup>2</sup> "Ngoba izikhali zethu zempi akuzona ezenyama kodwa ngezamandla kaNkulunkulu ukuwisa izivimbo, ilahle izingxabano nako konke ukuzikhukhumeza nokuzidumisa okungahambisani nolwazi lukaNkulunkulu, zibopha yonke imicabango yobugqila ithobele uKrestu" (2KwabaseKorinte10:4).

### *Isahluko 3 - Iziboshwa Ezweni Lesithembiso*

Midiyane, abantwana bakwalsrayeli bazenzela imihume, nemigede, nezivimbo 3, esezintabeni. Kwaba njalo, sonke isikhathi lapho ulsrayeli elimile, amaMidiyane aze; namaAmaleki nezizwe zasempumalanga zibahlasele. Babesehlala ngenkani bone sonke isivuno somhlaba wamalsrayeli kuze kube seGaza, bangabashiyeli ngisho namsekelo, bangashiyimvu, nambongolo, nankomo. Ngoba babeza nemfuyo yabo namatende, baze ngobuningi njengezintethe; bona namakamela abo babengabaleki; ke-bazongena ezweni balone. Ngako ulsrayeli wayeseswela ngenxa yamaMidiyane, base abantwana bakaNkulunkulu bakhala Enkosini” (Abahluleli 6:1-6).

Iminyaka engamakhulu, amalsrayeli akhala kuNkulunkulu noNkulunkulu wabakhipha kulobubuhlungu. Basebaqala ukukhonza izithixo futhi bangena ebuboshweni bokunye. Kungani?

“Ngasho kini ngathi, Mina ngiyiNkosi uNkulunkulu wenu. Ningabesabi onkulunkulu bamaAmorite enihlala ezweni labo. *Kepha anililalelanga Izwi Lami (Izwi)”* (Abahluleli 6:10).

*KuBahluleli 6 uNkulunkulu uza kuGidiyoni kulesisimo esibuhlungu.* AmaHeberu asezwani lawo Lesithembiso, kodwa ngaso sonke isikhathi lapho behlanyela imbewu, abakwaMidiyane namaAmalekite bazohlasele lapho banyathele babulale izitshalo. Bazotshontsha lembewu njengoba usathane atshontsha Izwi likaNkulunkulu. Kanjalo lababantwana bakaNkulunkulu babeyiziboshwa ezitheni zabo, nanoma baseZweni Lesithembiso.

iTestamente elidala lisikhombisa abantwana baNkulunkulu baphila njengeziboshwa ezweni lesithembiso.

*Sisebenza kanje isitha ukubamba wena.*

Sibheka lezo zindawo enyameni yakho (kumvelo yakho endala) ongeke wakhona ukuzithiba. Sikutshela ukuthi akudingekile ukuthi uphile ngeZwi likaNkulunkulu, kodwa ukuthi nawe ungaziphilela. Sikubonise ukuthi akufanele usebenzise UMbuso kaNkulunkulu nalendlela yawo yokuthela izithelo. Ukungaxoleli yisona simemo esikhulu usathane asebenza ngaso empilweni yakho.

.....

### ***Isahluko 3 - Iziboshwa Ezweni Lesithembiso***

Emva kwesikhashana ukhulula leyomisebenzi nawe usuyakhohliseka yile dimoni. Akusiwukuthi sewunedimoni, kodwa usukhohliswe yidimoni. Lokhu kuphenduka isivimbo futhi nawe usuzithola usunganathemba. Uyikholwa Ezweni Lesithembiso sikaNkulunkulu, kodwa uyisiboshwa njengalababantu kuTestamente Elidala. Awusalungelwe ukugobhozisa amanzi okusiza abanye. Usathane umise lomfula, kodwa wuwe omnike lemvume.

Ayini lamajele usathane angasivalela kuwo?

“uJesu wabaphendula wathi, ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, Noma ngabe wubani owenza isono uyisigqila sesono” (NgokukaJohane 8:34).

*Ukugula, isifo.*

*Ukuqhubeka ngokuswela izimali.*

*Ukungathandwa, uma singakazange sathola uthando olufanele kubazali bethu, sisejele.*

*Isikhwele, noma ukuzithanda wena kuphambene nothando loqobo. Loku ukuzibona umqoka emhlabeni ukuthi zonke izinto kufanele zenzekele wena.*

*Ukuzinqena, ukuzizwa ungelutho uhluliwe. Akufanele simukele ukuzizwa ukuthi singobani noma siyini kunoma ngabe wubani umuntu ngaphandle kukaNkulunkulu. Imvelo yobuntu nomhlaba kuyazama ukusibheca ngamanga wokuthi singobani. Noma sizizwa sibakhulu noma sigcwele ukuziqhenya, noma sizizwe singelutho sinamahloni sibancane. Indlela enhle yokulwa loku ukwazi ukuthi uNkulunkulu uhlala phakathi kwakho, nokuthi konke lapho uhamba khona kubusisekile ngoba wena uthwele uNkulunkulu. Ubusisa wonke ohlangana naye ngoba wena uyimbiza yebumba egcwaliswe ngenkazimulo kaNkulunkulu. Lokhu abantu bacabanga ukuthi uyikho akukwenzi ube yikho. Lomsebenzi owenzayo noma lendawo ohlala kuyo akukuchazi ukuthi wena ungubani. Uma uya emsebenzini wakho, uwunika isithunzi. Uma uJesu egeza izinyawo zabafundi Bakhe, bekufana nokugeza izindlu zangasese, kodwa ngoba kwakwenzwa nguNkulunkulu, ukugezwa kwezinyawo kwaba yinto ohloniphekile kakhulu.*

*Abafelokazi nezintandane. NgokukaJakobe 1:27, uNkulunkulu ugqizelela kakhulu kulobubucayi babafelokazi (lesisichasiso sifaka abafazi abalahliwe) nezintandane (lesisichasiso sifaka abantwana babafazi abalahliwe). Loku kusho ukungabi nambusi, nakuvikeleka, nakungabi nasithunzi sikababa. Kufaka ukushiywa unganakuphepha, ungenammeli. iTestamente Elidala ligcwele ngezixwayiso kumalsrayeli zokuthi banake, bondle izintandane nabafelokazi.*

**Akufanele kutshintshe kumabandla anamuhla.**

Sonke sidinga ukuvikeleka, ukuba noma umfelokazi noma yintandane yikona ukuswela ukuvikeleka. Ngazi abantu ababenezikhathi ezinzima ekululameni ekubeni wumfelokazi noma yintandane. Njengabazalwane, kufanele simele inhliziyo kaNkulunkulu ezintandaneni nakubafelokazi. Inhliziyo Yakhe wukubabheka, ukubanikeza ubuntofontofo obukhethekile sibondle. uNkulunkulu uyisiphephelo sabo, Ungumvikeli. Uma uke waba yilenhlobo “yesiboshwa”, kufanele wazi ukuthi uNkulunkulu uthi ku NgokukaJakobe 1:27 ukukhonza koqobo, “inkolo” yoqobo nokumesaba uNkulunkulu kufaka ukubonakalisa inhliziyo Yakhe yothando nokunakekela izintandane nabafelokazi. Lesi yisilandiso esimqoka esivela kuNkulunkulu, futhi kufanele wazi ukuthi Ukuthanda kangakanani nokuthi uyanaka ngawe!

**“Endaweni Engcwele lapho ahlala khona uNkulunkulu unguBaba walabo abangenababa, nomahluleli wabafelokazi” (Amahubo 68:5).**

***Umamoni*** - ukuthembela ezweni, kwabanye abantu, noma ngabe yini kuzidingo zakho, kunoNkulunkulu.

***Hlambalaza*** - baningi abantu abahlanjalaziwe, ngokobulili nangezinye izindlela.

***Ukuzenzisa ngenye into enkulu.***

***Ukungaxoleli kungokunye okukhulu.***

***Ezinye izitha wukuzibona unecala***, isono sesimilo, isono sobulili, ulaka, ukuhleba, ukuthukuthela, ukungathembeki nokungazibambi, kuningi kuyaqhubeka.

***Injwayelo*** - Kuningi ongakubala, kepha konke kuvala indawo yothando lukaNkulunkulu noMoya Ongcwele.

***Abaningi babanjwe yiziqalekiso ezivamile.*** Loku kufaka ukungakhoni ukukhombisa uthando noma ukulunga, ingqondo yobugqila, ube ngumuntu oncena abantu, ube ngophelele noma owenza lokho okwakha lona ozwa kungathi wuwe. Eziningi zalezizinto zizibonakalisa ebuhlotsheni obungasibo noma ebuhlotsheni obulimele, ukungakhoni ukuphila ngokuthula, ukuhluleka ukwenela. Kufaka ukuchubeka kobuchaka, ukugula nezinye izinto eziningi.

***Ubuthakathi noma ukuphatha abanye kabi.*** Ungaba ngohlushwayo noma ngohluphayo. Icala namahloni ngokwenzeka, uJesu usinika isiqalo esisha usula konke okwenzeka.

***Nanoma, ngikholwa ukuthi kukodwa okuvame kakhulu wukungamukeli.***

### ***Isahluko 3 - Iziboshwa Ezweni Lesithembiso***

Ngikholwa ukuthi ukungamukeli kuyimpande yamakhulu-khulu ezinkinga. Sidinga ukwemukelwa okungenamincele kubazali bethu uma sisebancane, Ukuphuka kobuhlobo nawo baba bethu kuyimvama ebanga ukugqilazeka kuzidakamizwa nezinye izinjwayelo.

Sidinga ukwamukela kuzimbangi, nakubalingani, etc. Kuzinhlango zanamuhla, abantu abalimele badlulisela ukonakala kwabanye ngokungamukeli abanye bese kudlulela kunzalelwano nenzalelwano. Singeke sanika uthando uma nathi singakalutholi. 1NgokukaJohane 4:19 uthi, "Sinothando ngoba Yena wasithanda". Ikhambi likaNkulunkulu ngokungamukelwa likabili:

**1) Wathwala ububi bethu Kuye, utsalwa 53:3, uthi, "wayedeleliwe, washiywa ngabantu, umuntu wokuhlupheka, akathathwanga nto yalutho. Iona abantu babengafuni ukumbheka, engathandwa, engasinto yalutho".**

**2) Yena osimukela ngothando olungenamincele! KwabaseEfesu 1:6, uthi, "Ukuze kutuswe inkazimulo yomusa Wakhe asiphe wona ngesihle ngaye Othandiweyo".**

***uJesu akasihluleli lana.*** uJesu ufuna ukusikhulula. Lona kungumsebenzi Wakhe. Kodwa kufanele sithembeke kithi, silahle ukuziqhenya, silungele ukubambisana nalendlela yokulungisa ukukhululeka kwethu.

***Qhaphela ukuthi kwakuyini imbangela nempande yesisusa salobububoshwa balaba bantu.***

**"Futhi ngasho kini, NgiyiNkosi uNkulunkulu wenu. Ningabesabi onkulunkulu bamaAmorite enihlala ezweni labo. Kepha anilalalelanga Izwi Lami (Izwi)" (Abahluleli 6:10).**

**uGidiyoni uyisibonelo sethu sesiboshwa esakhululeka saphinda sakhulula nabantu bakubo!**

uGidiyoni wathela izithelo kuNkulunkulu. Wayesebenza kanzima ukwenza impilo ngamandla akhe, kepha njalo ekugcineni ahluleka, ezibhekela phansi futhi engenathemba. Ubecashe emgedeni lapho enzela khona iwayini ebalekela amaMidiyane aweza ngobuningi atshontshe isivuno sabo nemfuyo. Noma yena nabantu bakhe bezama kangakanani, abakhoni ukunqoba lesisitha. AmaMidiyane yilezozitha ezona amadlelo kaNkulunkulu zitshontshe nembewu. Ngendlela efanayo amaMidiyane anamuhla, amadimoni, atshontsha Izwi likaNkulunkulu ukuze ingazali sithelo. Qhaphela ukuthi babelinda njalo ulsrayeli aze ahlanyele imbewu yakhe, bese beza ukuzokona konke.

**Beza njengezinthethe. ulsrayeli wayelahlekelwa kakhulu.**

**Wenzani uNkulunkulu? Wenzani uGidiyoni?**

***Isifundo sokuqala engifuna sisifunde ukuthi uNkulunkulu ufundise uGidiyoni ukuzwa Izwi Lakhe!***

Bheka ubone ukuthi ubuhlobo phakathi kukaGidiyoni noNkulunkulu buhamba kusuka enkazimulweni kuya enkazimulweni. Bheka ukuthi uGidiyoni ubambisana kanjani nokuholwa wuNkulunkulu, nokuthi uNkulunkulu ubonisa kanjani umusa namandla, uGidiyoni wafunda ukuzwa Izwi likaNkulunkulu. Yilokho kuphela okwakufanele akwenze. Yiloku sonke sifanele sikwenze. Qhaphela, uNkulunkulu akathanga, "Awulalelanga imithetho Yami noma imfundiso Yami noma iziluleko Zami". Uthe, "Awulalelanga Izwi Lami. Izwi elilodwa linesiqu ukwedlula imithetho, imiyalo nezimfundiso. Izwi liyisiqu ubuso nobuso. Kunamandla ukuzwa Izwi likaNkulunkulu. Akukhathaleki ukuthi Uthini, kuphela uma Izwi Lakhe lizwakala".

**Umbuzo uthi: Ulindinga kakhulu kangakanani ukulizwa Izwi likaNkulunkulu? Uzimisele kangakanani ukulilalela.**

Isiphetho sendaba kaGidiyoni sasisentshenziswa nguNkulunkulu ukubanga ubunqobi nenkululeko kubantu, kungasi ngokukaGidiyoni kuphela. Njengoba ulsaya 61 akhombisa, wasuka ebuboshweni waya kubuPristi. Uhambe ukusuka ekuhluphekeni wayoba ngumduduzi. Uphendule okulahliwe kwakhe kwaba yitshe legugu. Wathatha indlela eya esiphambanweni, ethuneni nasekuvukeni.

Kulesisifundo siyokubona ukuthi uNkulunkulu usebenza kanjani, namanje usasebenza ukuphendula amajele abe yinkululeko. Sizokubona futhi ukuthi uGidiyoni waphendula kanjani kuNkulunkulu ukuze nathi silandele indlela yakhe ezimpilweni zethu.

**Landela indlela kaGidiyoni kuBahluleli isahluko 6.**

***6:1 Ube nikelwe ekukhonzeni izithixo zawokhokho bakhe.*** Abantu bakubo babeboshelwe ekuhluphekeni kokuswela ngaphezu kweminyaka ewu 200 bekhonza izithixo. Into yokuqala okufanele siyenze ukuxolela labo abasifake kulobo buboshwa. Ngaphandle kwalokukuxolela, kube yisenzo sentando yethu, lonke lolu hlelo lungeke lwasebenza. Uma singeke sakhona ukuxolela, ngako vuma lesa sono kuNkulunkulu ukuxolela Kwakhe kuyokusebenza phakathi kwakho.

***6:1-11 Ube cashe emgedeni wewayini ukuvimbela*** amaMidiyane ayeza njalo ngobuningi athathe sonke isivuno atshontshe nezinkomo. Noma yena nabantu bakubo bezama.

Babengakhoni ukunqoba isitha. AmaMidiyane yilezitha ezona amadlelo kaNkulunkulu zitshontshe nembewu.

***Ngokufanayo amaMidiyane anamuhla, amadimoni atshontsha Izwi likaNkulunkulu ukuvimbela thina ukuba sithela izithelo.*** Qhaphela ukuthi babelinda aze amalsrayeli atshale imbewu yawo, ngako babese hlasela bone konke. Beza njengezintethe. ulsrayeli ubelahlekelwa kakhulu.

***6:8 uNkulunkulu wakhuluma kumalsrayeli.*** Emuseni Wakhe, wakuzwa ukukhala kwamalsrayeli wathumela umphrofethi. Umusa Wakhe ungunaphakade. Umphrofethi watshela amalsrayeli ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu wabo. Owabakhipha ebugqilini nokuthi isizathu manje esibenza babeyiziboshwa futhi (manje Ezweni labo Lesithembiso) wukuthi abasalilaleli iZwi likaNkulunkulu (izwi likaNkulunkulu). Uma singa "phili" ngeZwi nsukuzonke, eqinisweni siyokuba izigqila neziboshwa kuzitha zethu. Akukho enye indlela ukugwema lokho.

***6:12 uNkulunkulu wakhuluma noGidiyoni mathupha.*** Ingelosi yeNkosi, ummeli siqu kaNkulunkulu, weza kuGidiyoni. iAmplified Bible commentary ithi loku kwakuwukubonakala kukaJesu kuTestamente Elidala. Ibiza uGidiyoni nge "Indoda enamandla yeqhawe". Kungani kusentsheziswe lawamagama kumuntu owayeziphathisa okwegwala, owayengazithembi ebhula amabele ekucasheni ukuthi izitha zingamboni? uNkulunkulu usebenza kanje ngathi; Uyakubona esizobayikho, ukhuluma ngokungekho njengokukhona (KwabaseRoma 4:17). Akabheki loku esiyikho, kodwa kulokho esiyoba yikho Kuye. Lawa ngamagama okukholwa akhulumayo.

***6:13 uGidiyoni wayethembekile kuNkulunkulu.*** Wamtshela lokho akuzwayo, "Uma uNkulunkulu enathi, manje kungani sihlupheka kangaka?" Bangingi ababuza lombuzo. Uma uNkulunkulu eluthando, kungani abantu abakahle bahlupheke? Uma ngabe ngisebenzela uNkulunkulu, manje kungani ngibe kulesikhathi esibi kanje?" Wamcela kuNkulunkulu "Iphi yonke lemilingo owawuyenzela okhokho bethu eGibhithe?" Uzizwe alahlwe nguNkulunkulu.

***6:18-21 uNkulunkulu uzibonakalise kuGidiyoni njengoNkulunkulu owenza izivumelwano.*** Wamkhomba kuGidiyoni ukuthi Yena ungubani, futhi wakhomba uGidiyoni umumo wakhe njengomlingani wesivumelwano. Ngako kaningi uNkulunkulu uphendula imibuzo yethu ngokuzikhombisa ukuthi Yena ungubani!

***uGidiyoni waletha konke ayikho kuNkulunkulu.*** uGidiyoni wathwala isiphambano sakhe. Intengo yembuzi nesinkwa esiphekwe ekhaya okwalethwa wuGidiyoni kwakwanele kumuntu osesimeni sokuswela. Akusikuphela ukuthi uGidiyoni upheke nesobho!



**uGidiyoni wasibona isiphambano sikaJesu.** Loku kudla kwakuwukudla okubizayo, kodwa uNkulunkulu wakuphendula ukudla kwesivumelwano. KuLevithiku 2:1 lenyama noma lokudla okungumnikelo kwakufanele kushiswe e-altare ngu Mpristi. Lesisenzo sokuthi ingilosi kaNkulunkulu ishise umnikelo kaGidiyoni ngesihloko senduku yayo kwakuyisibonelo sesivumelwano. Ngiyakholwa ukuthi engcondweni yesiheberu kaGidiyoni, wabona isivumelwano segazi ngalelo langa phakathi kwakhe noNkulunkulu. Ubone uNkulunkulu entshintshana ngamandla, ngegama nangesimo kanye naye.

**Isivumelwano segazi sitshintsha umndeni wakho,** igama lakho, nobundlalifa bakho. uGidiyoni wathola igama likaNkulunkulu, uNkulunkulu wathatha elikaGidiyoni. iQhawe leNdoda enaMandla: kwakuyigama likaNkulunkulu, onqotshiwe ongenamandla kwakuyigama likaGidiyoni. Batshintshana.

**6:22 uGidiyoni waqala ukumuzwa ncono manje uNkulunkulu.** Loku ukwakheka okuphelele kukaGidiyoni, kumthethe isikhathi ukwakha ubuhlobo lapho eqhubeka ezwa uNkulunkulu ekhuluma naye. Qaphela ukuthi iNkosi yamuka kuvesi 21 kepha ku vesi 23 iNkosi yakhuluma. Loku kukhombisa ubuhlobo obuqhubekayo phakathi kukaGidiyoni noNkulunkulu.

**6:23-24 Waba nokuthula kukaNkulunkulu ngenxa yesiphambano (Jehovah Shalom).** Ungaba sesimeni esibucayi kepha uma unokuthula kukaNkulunkulu uyokunqoba konke! “Vumela ukuthula kukaNkulunkulu kubuse (njengo nompempe) enhliziyweni yakho, njengoba wabizelwa ukuba mzimba munye Naye; futhi ubonge” (KwabaseKolose 3:15-isithasiso ku-Amp.Bible)

**6:25-32 uGidiyoni wayemelwe wukudiliza izithixo zasemndenini.** Emva kokwazi isiphambano sikaJesu kumele sidilize lama-altare. Isithixo yinto eyodwa; UKUZITHANDA. Loku kwedlula ukuthwala isiphambano sakho. Izithombe azivamanga namuhla njengaloku ezazingako mandulo kuTestamente Elidala. Isithixo yinoma ngabe yini ekwenza uphile ngenyama kunokuphila ngokoMoya. Uhlolo olunamandla ukuthi yini noma ubani omkhonzile? Uhlolo olunamandla ekudumiseni ukuthi wubani omlalelayo: Imicabango yakho, umzimba wakho, omuny’umuntu, noma uMoya kaNkulunkulu neZwi likaNkulunkulu? Ukuhamba enyameni (emzimbeni) wukulalela inyama yakho (imizwa yakho yemvelo) nokuhamba eMoyeni wukulalela uMoya oNgcwele neZwi likaNkulunkulu. Ukuwisa izithixo, umuntu kufanele axhumane neZwi likaNkulunkulu noMoya ONgcwele ukuze umuntu ahlukane nokulalela imizwa yakhe yemvelo.

Njengaku KwabaseRoma 12:1 emva kwawo wonke lomusa uNkulunkulu awukhombisile ekulahlekeni kwethu, emva kokunikezwa kwesiphambano nawo wonke lomusa ku KwabaseRoma isahluko 1 kuya ku 11, Ubesesho kanje,” Ekubonakaleni kwawo wonke lomusa, nikela ngomzimba wakho njengomnikelo ophilayo”. Ngamanye amazwi,

wisa izithixo zakho njengoba uGidiyoni enza. Nikela onke amandla kuNkulunkulu; mnike umzimba wakho njengesitsha sobumba esigcwele ngoNkulunkulu njengaloku uAdamu wayefanele ukuba. Vuma "ukuhluka" ngoNkulunkulu; ungalungeli lohlelo lwalomhlaba.

**6:34 Emva kokudiliza lezizithixo, uGidiyoni wagcokiswa[wamukeliswa] ngoMoya kaNkulunkulu.** Waba namandla kaNkulunkulu. uGidiyoni waba nemizwa, ukukholwa nokuphenduka azwe uNkulunkulu ayeke ukucabanga kwakhe nesimo sempilo yakhe. Uma siphenduka kuzithixo sohlangabezwa umphumela ogcwele uMoya Ongcwele empilweni yethu. Okukuqala okwenzeka wukuthi isitha saba sesihlasela. Uma siwisa lezizithixo zika moya, fanele silinde ukubonakala kwempi yoqobo.

**6:36-40 Ufunde ukuhlanganyela noNkulunkulu ngesigaba** esinamandla kakhulu sokumethemba noma kusesikhathini esinzima [mhlawumbe ngenxa yalobo bunzima].

uGidiyoni wathela izithelo kuMbuso kaNkulunkulu. Waba ngomunye omkhulu emlandweni owasindisa abantu bakaNkulunkulu. Funda kuBahluleli 7 kuya ku8:21 ngalempi. uNkulunkulu watshintsha indoda ehluliwe esesimeni esingathembisi yaba ngomkhulu emlandweni wokunqoba ngenxa yokubili: 1 Isiphambano, no 2 ngoGidiyoni ejabulela isiphambano kangaka aze athole uNkulunkulu amenze abe yikho konke empilweni yakhe, kungabi ukuthi abe ngowokuqala noma ngowesibili kuye, nokubambisana kwakhe ukudiliza lezizithixo nokuwisa izivimbo.

Ngenxa yeqiniso lokuthi uGidiyoni wayevela emndenini wezono, iziqalekiso nokukhonza izithixo, ingelosi kaNkulunkulu yaletha isiphambano kuleyondawo yomnikelo, futhi yayithi, "Akukho enye indlela kuwe mfanyana, ngaphandle kokuthi ngithathe lesosiqalekiso nalesono oza kuso. Ngamandla alesivumelwano, ngiyasisusa isono kuwe, iziqalekiso zomndenini wakho, imvama yezono zomndenini edluleliswe ngenxa yokukhonza kwenu izithixo, wena nokhokho bakho. Ngiyothatha igama lakho [ubuweni] okungukuthi 'uqalekiswe nguNkulunkulu' uyobizwa ngegama Lami, O'Qhawe Lendoda enaMandla". Ngokweqiniso ukuthi Gidiyoni kusho "umgawuli, noma umbhidlizi".

uNkulunkulu wahlangana noGidiyoni lapho uGidiyona ekhona. uNkulunkulu akamfunanga ukuba abe yiloku angasiyiko. uNkulunkulu wamkholwa. uGidiyoni wakufunda ukuthi awenzi ngamandla akho kepha ngamandla kaNkulunkulu.

Wafunda ngesithelo. Wakufunda nokuthi uyisiboshwa ezweni lesithembiso. Wakufunda nokuthi usondela kanjani kuNkulunkulu, Umfula Ogobhozayo, wafunda futhi nokuthi uNkulunkulu ungubani. Wafunda ukuHlala, ukuHamba nokuMa. Isiphetho kwaba wumphumela wesithelo kuMbuso kaNkulunkulu.

Shisekela ukuzwa Izwi likaNkulunkulu.

#### ***Isahluko 4 Ungubani uNkulunkulu***

Yenza noma ngabe yini ukulungisa impilo yakho kuze uzwe uNkulunkulu ekhuluma. Thatha isikhathi, esiningi, nesiningi isikhathi eZwini. Lalela amatheyipu, funda izincwadi ezikahle, khuluma iZwi, hlala eZwini. Yiba nesikhathi esithulile noNkulunkulu. Vama ngokulalela unciphe ngokukhuluma. Funda Umfula Ogobhozayo njengendlela yokuzwa iZwi likaNkulunkulu njalo njalo. Tshintsha lapho ukhona ngaso sonke isikhathi, hlukana nokujwayelekile.

***Vumela uNkulunkulu akhulume enhlizweni yakho!***

## **Isahluko 4**

### **Ungamazi uNkulunkulu.**

Ufuna ukuhlanganyela nawe. uNkulunkulu ufuna wena uthembele ekuxhumaneni Naye kungabi ukuthembela emisebenzini nasemithethweni yokukholwa. Ukwazi umuntu kufanele sazi ukuthi isimo sakhe sinjani. Okokuqala okufanele sikwazi wukuthi uNkulunkulu unguMdali!

Akusikuphela ukuthi unguMdali, kepha futhi Ngaye, zonk'izinto zikhona zime ngomumo zihlangene.

KwabaseKolose 1:16-17 uthi, Zonke izinto zenzwa Nguye, izinto zase zulwini, kanye nezinto emhlabeni, ezibonakalayo nezingabonwa, noma wumbuso noma amabandla noma abaholi, amandla, zonke izinto zadalwa Ngaye zidalelwa Yena. Futhi Ungaphambi kwako konke, futhi Ngaye zonke izinto zikhona".

KubaHeberu 11:3 uthi, "Ngokukholwa siyathemba ukuthi imihlaba yakhwa ngeZwi likaNkulunkulu, nokuthi izinto esizibonayo azakhwanga ngezinto ezikhona".

KubaHeberu 11:2 [Amplified Bible] uthi, Kodwa ensukwini zokugcina ukhulume kithi siqu esesimeni seNdodana, Eyakhethwa ukuba Yindlalifa nomnikazi osemthweni wazo zonke izinto, Futhi Ngaye zonke izinto zenzwa kuyo yonke indawo nazo zonke izikhathi, okusho ukuthi, Wadala, Wakhiqiza, Wakha, Wenza wabuye walungisa nohlelo lwazo [vesi 3b]... obambe nongumholi nomqondisi nomshayeli wezulu nomhlaba ngamandla eZwi Lakhe".

**Singeke sakhona ukumchaza uNkulunkulu ngoba wadala thina.**

**Kodwa nanka amanye amaphuzu ngoNkulunkulu esingawafunda embhalweni:**

- 1. Akadalwanga futhi uphila phakade. [NgokukaJohane 1:1-3 no Genesis 21:33]**
- 2. Ungumnini mandla. [NgokukaLuka 1:37]**
- 3. Konke kwaziwa Nguye. [Amahubo 147:5]**
- 4. Ukhona njalo. [Jeremiya 23:23-24]**
- 5. Ungumoya. [NgokukaJohane 4:24]**
- 6. Ukathathu, ukathathu emunye. uNkulunkulu uBaba, iNdodana, uMoya Ongcwele. [NgokukaMathewu 3:16-17, NgokukaJohane 1:1-14, 14:9-20].**
- 7. Akapheli. [Isaya 40:12-13]**
- 8. Imvelo Yakhe iluthando. [KwabaseEfesu 2:1-7, 1 NgokukaJohane 3:1 ,  
1 NgokukaJohane 4:9-10]**

#### **Isahluko 4 Ungubani uNkulunkulu**

uNkulunkulu akanathando, Uluthando. uNkulunkulu usithanda ngothando olungenamkhawulo. Uthando Lwakhe aluyi ngokuthi ulunge kangakanani noma umubi kangakanani. Lapho sifile sisesonweni, Wasithanda. Umuntu ofile angeke enze lutho kodwa anganikwa impilo! Uthando lwabantu lunomkhawulo. "Uma ukahle ngokwenele, noma wenze engikutshela khona, njalo ngizokuthanda". KuNkulunkulu akunjalo! Usithanda ngoba Uluthando. Loko kubizwa ngokuthi AGAPE,uthando olungenamkhawulo.

**9. Umumo Wakhe yisithelo sika moya esichazwa KwabaseGalathiya 5:22-23.**

**10. Akaguquki. Inhliziyo Yakhe ayibandi ishise njengeyomuntu. [KubaHeberu 13:8]**

EkaJakobe 1:17 Uchaza ukujikeleza kwesithunzi selanga njengoba ilanga lihamba emini. EkaJakobe ithi ngoJesu, akunasithunzi esijikelezayo. Ngamanye amagama, ucwebezela njalo okwenyanga ephakamileyo! Ungathembela Kuye.

**11. uJesu uyiZwi. uJesu unguNkulunkulu [NokukaJohane 1:1-2 & 14].**

**12. uJesu wazalwa yintombi ecwebileyo. [NgokukaLuka 1:26-38]. KwabaseRoma 1:3-4 uchaza ukuthi: "mayelana neNdodana Yakhe, lena ngemvelo Yayo yobuntu yayiyinzalelwano kaDavide, lena ngoMoya wobungcwele kwafungwa ngamandla ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, ngokuvuka kwakhe kwabafileyo: uJesu Krestu uyiNkosi yethu". Cabanga lapho kubuzwa uJesu eseyinganyana, ngobani abazali bakho? uJesu athi, "Kulungile, uyabona ngakwabomama wami, Ngingumndeni kaDavide, kepha ngakwabobaba wami, NgiNguye".**

**13. UMoya Ongcwele unguNkulunkulu. [NgokukaJohane 14:16-23, NgokukaJohane 16:7-15]**

**14. Kukho konke, uNkulunkulu uluthando! Uyanaka ngawe ukwedlula ukunaka kwakho ngawe.**

Izwi likaNkulunkulu likhombisa ngothando lukaNkulunkulu, nokunakelela mina nawe kumfanekiso, NgokukaLuka 15.

Akukho malusi omqondo wakhe uphilile ongashiya izimvu eziwu 99 ayofuna eyodwa elahlekile, kepha uNkulunkulu ukufuna noma ulahlekile kanjalo.

Lomfazi emfanekisweni olandelayo wayeselahlekelwe yithemba, ilobolo elalimfanele kwakungondibilishi abayishumi, walahla eyodwa. Uma angayitholi, uyoswela noma kuzofanela athengise ngomzimba wakhe.

uNkulunkulu usifunela ukuzosenza siphelele, agcwalise amathemba ethu namaphupho.

Ubaba kulomfanekiso olandelayo ume evulandini ngaphambili ulinde indodana yakhe ukubuya ekhaya. Uma embona eza kude, wenza into engenasithunzi, wagijima ngejubane

elikhulu wafika wamboza indodana yakhe ngengubo ukuthi izisebenzi zingayiboni; Akafunanga ukuba indodana yakhe ihlazeke.

#### ***Isahluko 4 Ungubani uNkulunkulu***

Imibuzo ejwayelekile ngoNkulunkulu.

Ufanele u "me kancane" ukuze uzwisise lokhu.

uNkulunkulu uyayilungiselela impilo yethu? Ngubani onamandla, yimi noma nguNkulunkulu, noma yizwe elingizungezile? Ingabe uNkulunkulu unohlobo lwabantu abazosindiswa baye ezulwini, abanye abanandlela?

**Kubili ofanele ube nakho engcondweni yakho:**

**1. uNkulunkulu wadala umuntu wamnika ilungelo lokuzikhethela ngako angeke alwe nalelo lungelo lakho.**

**2. uNkulunkulu akaphili ngesikhathi, uphila phakade. Lokhu akusho isikhathi eside, kodwa akusiyisikhathi kuphakade. uNkulunkulu wazi isiqalo esiphethweni azi nesiphetho esiqalweni.**

Kuthi ku Eksodusi naku KwabaseRoma 9 ukuthi wayiqinisa inhliziyi kaFaro. Kwakukahle kuFaro lokho? uNkulunkulu wakwazi kuqala ukuthi uFaro angeke aze Kuye, ngakho-ke, uNkulunkulu wakwazi ukumenza afanele abenenhliziyi elukhuni. Ngokweqiniso, uNkulunkulu AKAKHETHI ukwenza umuntu abenenhliziyi elukhuni. Kepha kukhona okungaphakathi kumuntu okwenza umuntu abelukhuni kuNkulunkulu lapho umuntu efulathela uNkulunkulu. Lapho ethi qha kuNkulunkulu, kunento ngaphakathi kithi eba lukhuni, kancane kancane. Ekugcineni, asisakhoni ukukhetha.

uNkulunkulu ukwazi lokhu kuqala. Ingabe kwabangwa nguNkulunkulu? Qha! Ukukhetha kukaFaro kwabanga lokho.

Uthi uNkulunkulu ku-KwabaseEfesu 2:10 impilo yethu yalungiselelwa thina kuqala. Yebo, kunohlelo empilweni yalowo nalowo, kepha kukithi ukukhetha ukuhamba kuleyondlela.

#### ***Isahluko 4 Ungubani uNkulunkulu***

uNkulunkulu ungumbusi omkhulu, Uyabusa, kepha ukwenza ngendlela yokuthi akaqindezeli ukuzikhethela komuntu, ngisho nababi abanamasu okulwa nabantu bakaNkulunkulu nenhloso Yakhe.

Ngisho amadimoni nabantu abayizitha zika Nkulunkulu basebenza basebenzela ukwenza inhloso Yakhe.

#### *Isahluko 4 Ungubani uNkulunkulu*

Amahubo 33:10 athi, "iNkosi ikuletha ezeni ukuhlakanipha kwezizwe; Iyawaphula amasu abantu. Ukuhlakanipha kweNkosi kumi phakade, imicabango yenhliziyi Yakhe kuzo zonke izizukulwane".

Amahubo 2:1-4 athi, "Kungani izizwe zibenolaka, nabantu bakhonze okungelutho? Amakhosi omhlaba azilungiselele, nababusi bahlangana ndawonye, baphika iNkosi nogcotshiwe Wayo, bathi, 'Asiphule lamabandla abo abe mabili sisuse izinqumo zabo kithi'. Lowo ohlezi esihlalweni Sakhe ezulwini uyohleka; iNkosi izobahleka".

Uma usadideke kakhulu kulokhu, khumbula nje, uNkulunkulu uphila phakade, kungasisikhathi. Uyalibona ikusasa lethu, esidlule kuko nesikuko manje, konke ngesikhathi esisodwa futhi uzimisele ukusibusisa nokusinika ulwazi kulokho. Kodwa ANGEKE asiqindezele enkululekweni yethu.

uNkulunkulu uyiLizwi, singalithemba [Yena].

Umakukhona okukodwa iZwi likaNkulunkulu elikwenza ngamandla kunezinye izincwadi, wukufakaza ngokuqondana kwezikhathi ezizayo.

Lokhu kwedlula impikiswano ngokuthi nguNkulunkulu kuphela owalibhala ibhayibheli.

Kunamavesi angu 8,352 eziphrofetho ebhayibhelini afakaza nganamuhla nangokuzayo. Elilodwa kwawayisithupha lifakaza ngezigameko ezizayo. uNkulunkulu akwenza emhlabeni ufuna thina simbone ngalezo ziphrofetho. "Yimi iNkosi: Ngizokhuluma, nalokho engizokukhuluma kuyokwenzeka. "[uHezekeli 12:25]

AmaBuddists, amaConfucianists nabalandeli bakaMohammed baneyabo imibhalo engcwele, kodwa kuleyomibhalo ubukhona besiphrofetho buyangabazeka ngokungabikhona. Ukubhidlizwa kweTire, ukuhlaselwa kweJerusalema, ukuwa kweBhabhiloni neRoma; konke kwabikezelwa kahle futhi kwafezeka njengokusho. Ukungena kukaJesu eJerusalema kwashiwo eminyakeni engamakhulu-khulu kudala ngumphrofethi uDaniyeli-KUZEKUBE NAMUHLA! Ukubunjwa kuka Israyeli njengezwe elisha ngo 1948 kwashiwo usuku nenyanga eTestamenteni Elidala.

Kuneziphrofetho ezidlula ku300 uJesu azigcwalisa ngokuzalwa Kwakhe, impilo, ukufa, nokuvuswa Kwakhe. Cabanga ngalezi ezingu 17 ezigqamileyo.



**Ukuphumelela kwazo sekuhlanganisiwe kule 17 yezibikezelo ngokuqhubekayo kuhlangana:**

Ithuba elilodwa ku 480,000,000,000,000,000,000,000,000,000, noma 480 Billion X 1 Billion X 1 Trillion.

Maqondana nalezi ezingu 300 ezafezwa ngoJesu, kuyaxaka ukucabanga ukuthi zonke leziziphrofetho zingagcwaliswa ngumuntu oyedwa ngengozi. Kukanye kuphela ngesikhathi ekubaleni lapho uba nawo zero abangu 181! Ukukunikeza ukucabanga kulobukhulu obujulile bale sibalo, cabanga ngebhola efakwe yagcwaliswa ngezicucwana [electrons] zokungabonwa [izigidi ezimbili nesigamu zenza uhlu olungalingana i-intshi eyodwa ngobude]. Manje engqondweni yakho cabanga lelibhola uma lingakhuliswa lilingane nomhlaba [universe], izigidi-gidi ezine zokukhanya-konyaka ngobude besiyingelezi [light-year] [ukukhanya-konyaka yibanga elihanjwa wukukhanya ngonyaka ngejubane elingaphezu kwe 186 wamamayela ngomzuzu]. Phindaphinda lokhu ngo 500 quadrillion [izigidi-gidi ngokuphindwe kathathu]. Kulomgqomo omkhulu kangaka wama-elektroni, susa i-elektroni elilodwa, uli "pende" bomvu bese uliphindisela kulomgqomo. Lidunge nalawa amanye ama-elektroni iminyaka eyikhulu. Mboza umuntu ubuso bese umthuma ukuba alikhiphe kanye nje kulawa amanye. Akwenzeki? Ngethuba elifanayo, uJesu Krestu waphila, wafa, wavuswa uyaphila njengamanje njengoba kusho imibhalo nge"ngozi"!

Ziningi iziphrofetho ezinye ku Testamente Elidala engingeke ngakhona ukuzibala. Kune 1,817 weziphrofetho ezizimele ezisho nge 737 wezihlokwana ezihlukene ezitholakala kumavesi angu 8,352. Lokhu kuhlanganisa 27% wayo yonke imibhalo.

ulsaya 42:9 uthi, "Bheka, okwakukhona sekudlulile, ngikhuluma ngezintsha manje; ngaphambi kokuba zenzeke, ngikwenza uzizwe".

Ungubani uJesu manje?

Kumavangeli, sibona ukuthi uJesu wayengubani esahamba emhlabeni. Wasikhombisa ubuntu bukaNkulunkulu, uBaba Wakhe. uJesu usikhombise ukuthi Yena uyimvu kaNkulunkulu esusa isono sakho nasami, owazithoba ukuzohlupheka ukufa njengesigebengu esiphambanweni okwakumele mina nawe.

Umpostoli uPawuli wakuveza ukuthi uJesu wasenzelani kithi, nanoma uPawuli angahlangananga noJesu ngenyama. Siyasibona leso sambulo ezincwadini zakhe.

Nanoma, uJesu wakhetha ukuziveza Yena ngendlela ekhethekile kuJohane.

#### *Isahluko 4 Ungubani uNkulunkulu*

Bhekisisa ku Sambulo 1 ivesi 1. Sithi, "Isambulo ngoJesu Krestu". Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu usinika lesisambulo ngoJesu ngoba azi ukuthi singeke sakhona ukumbona uJesu njengoba enjalo noma ngayiphi indlela. Bangingi abahambile Naye, bangingi abambonile efa, abanye bambone evuka, kodwa akekho okhe wambona njengoba enjalo manje. Uyisotsha, ungumahluleli, imvu, uSomandla uNkulunkulu, Usesihlalweni soBukhosi, akekho umuntu ophilayo ongamelana Naye, UnguMnqobi, Uyesabeka ebusweni bezitha Zakhe, futhi ulungele ukuvikela wena. uJohane ubefuna ukwazi konke lokhu.

Ngiyakholwa ukuthi uJesu ubonise uJohane lombono nokumduduza ngokumnika ukukholwa nethemba, ukunika ingcondo kulesimo ayekuso, ukuthi enze okufanayo kumabandla awabhalela lencwadi iminyaka eyi 2,000 eyadlula, nokwenza okufanayo kimi nawe ezimpilweni zethu namhla uma sibona zonke lezizinto ezenzeka lapho sikhona. Yincwadi ephathekayo yokukunika ubunqobi empilweni yakho.

Isimo sika Johane sasifana nesethu. Umhlaba, kuJohane, wawuhlanya. kanjalo nakwabanye bethu uyahlanya umhlaba. Cabanga nje, ube noJesu nje iminyaka emithathu, umbone enza izimanga ezinkulu, umbone ebethelwa, umbone namhla evuka. Eqinisweni, emva kokuvuka wacabanga, "manje naku ukunqoba". Wabona noMoya Ongcwele wehlela kubantu nokwakheka kwebandla lokuqala. Usungule amabandla, ubone abantu basindiswa. Ngesivini esikhulu, bonke lababafundi boqobo banyamalala abanye balengiswa esiphambanweni; kwahlangahlangana ngoPetru, abanye banqunywa amakhanda, abanye baqala ukwenza ehluke imisebenzi. Ubone umhlaba uphambana kakhulu.

uJohane yena ucishe wabulawa ngokuphekwa ngamafutha abilayo, kodwa abakhonanga ukumbulala. Manje ngalesisikhathi ubesebanjwe njengesiboshwa wagqilazwa okokugqina esiqhingini iPatmos [isichasiso = ukubulawa kwami - ugwadule olunqunu lwesiqhingi olwandle lwase Aegean]. Umsebenzi wakhe wemihla ukufahla amatshe embonini yamatshe, athwale amanye ngomhlane ehle enyuke nezintaba. Ufanele wacabanga, "Kunjani emhlabeni, kuyahlanywa? Nje bengimazi uJesu? UbenguNkulunkulu enyameni njengoba ngibhale encwadini yami yevangeli? Ibandla lifile? ngidlale ngempilo yami?" Bese ngokushesha okukhulu, BAM! Kwenzeka enye into angazange ake ayibone empilweni yakhe.

"Ngaba seMoyeni ngosuku lweNkosi ngasengizwa Izwi elikhulu emva kwami, okungathi icilongo, lithi, NginguAlfa noOmega, owokuQala nowokuGqina. Futhi, Lokhu okubonayo, kubhale encwadini ukuthumele kumabandla ayisikhombisa ase Asia: e-Efesu, naseSmirna,

#### **Isahluko 4 Ungubani uNkulunkulu**

nasePhergamu, Thiyathira, nakulase Sardesi, nakulaseFiladefiya nelase Lawodikeya. Ngase ngiphenduka ukubona lelizwi elikhululma nami. Sengiguqukile, ngabona izinti zezibani eziyisikhombisa. Phakathi kwalezizinti eziyisikhombisa ngabona Omunye ofana neNdodana yomuntu, egqoke ingubo ende kuya ezinyaweni, eboshwe esifubeni ngebhande legolide. Ikhanda Lakhe nezinwele kumhlophe njengoboya bezimvu, kumhlophe kweqhwa. Futhi namehlo Akhe afana namalangabi omlilo. Izinyawo Zakhe zifana nethusi elicolisiwe lashiswa emlilweni. Izwi Lakhe linjengenhloko yamanzi amaningi. Futhi ephethe izingelosi eziyisikhombisa esandleni Sakhe sokunene, emlonyeni Wakhe kuphuma inkemba ekhaliphile esika ngapha nangapha. Ubuso Bakhe bunjengelanga likhazimula ngamandla. Futhi lapho ngimbona, ngawela ezinyaweni Zakhe njengofile. Wabeka isandla Sakhe sokunene ekhanda lami, wathi kimi, 'Ungesabi, NgingowokuQala nowokuGqina, Ophilayo futhi, Ngafa, manje bheka, Ngiyaphila phakade naphakade, Amen. Futhi ngiphethe izihluthulelo zeHayidesi nezokufa"[Isambulo 1:10-18]

uJesu ebonakalisiwe.

Ku-Sambulo isahluko 1 uJohane ubona uJesu njengoba uJesu enjalo manje! Akasafani njengalokhu Ambona ekugcineni. UnguKrestu ovukile obonakaliswayo! Ubonakala njengo neqiniso, ufakazi othembekileyo, ovuke kuqala kwabafile, iNkosana yaMakhosi Omhlaba, Ozayo manje, futhi ongu Alfa no Omega, owokuQala nowokuGqina, uMnimandla Okhona nomaphi!

Ubonakaliswa njengozobuya azohlulela amabandla onke Akhe enomlilo emehlweni Akhe, nebhande legolide, nezinyawo ezikhazimula kuhle kwethusi elicolisiwe. Lesisahlulelo asizokona ibandla, kodwa ukuzolivikela ekubhujisweni okuzayo. UbuNgcwele yibona obuzovikela ibandla!

Ku-Sambulo isahluko 2-3 uJesu ukhuluma ngebandla, kube njalo -njalo, njengojenene wempi ekhuluma nebutho lakhe elilungisela ukuyohlasela. Ngoba kukhona impi enkulu ezokubakhona, ke-lamabandla ayisikhombisa azobhujiswa uma angazilungiselelanga, uJesu ukhuluma nalelo nalelo bandla maqondana namaphutha alo. Uwakhuthaza ukuba ame kahle kuNkulunkulu. UbuNgcwele yibona obuyosindisa ibandla!

KuSambulo 4, uJesu umema uJohane, kanye nami nawe, ukusondela eMbusweni kaNkulunkulu kuze sibone lezizehlakalo ngokubona Kwakhe. Kufanele sibone izigameko empilweni zethu ngendlela kaNkulunkulu. Singacabangisa okwasemhlabeni, nokubheka kwethu kubengaphansi uma sibheka isimo sethu, bese silahlekelwa ukubona ngendlela kaNkulunkulu.

#### *Isahluko 4 Ungubani uNkulunkulu*

Sihlezi ezulwini noKrestu, ngalokho, uMoya oNgcwele ungasinika loko kubona. Uma sibona izinto empilweni yethu ngendlela kaNkulunkulu, akonakalanga lutho.

KuSambulo 5, uNkulunkulu wuye oveza izimpi. uSathane akakhoni ukuletha izimpi kithi. Qhaphela, akekho owayengakhona ukuvula lombhalo asuse isisicilelo ngaphandle kukaJesu, njengebhubesi lesizwe sikaJuda ophinda ngaleso sikhathi abe yiwundlu likaNkulunkulu. uJesu uyibhubesi nomnqobi nonamandla amakhulu. UJesu uyilemvu, lona othatha lokhu okusizelayo. Singeke sema ezikhathini ezinzima zempilo ngaphandle kukaJesu, njengemvu, ithatha loku okusizelayo!

sifikelwa ubunzima. Kungaba isehlakalo esibi, kodwa nguJesu odonsa izitha zethu ngamakhala ukuze zize kithi bese sizishabalalisa ngegama Lakhe! Libusisiwe igama leNkosi phakade naphakade!!! Halleluyah!

KuSambulo 5-16, kunempi enkulu, kuyaxatshwana, kuyahlulelwa futhi kuyahlulwa lapho kusunjululwa lombhalo. Izinto ziyabheda, nezigameko zisuka ebubini ziya ebubini obukhulu obungamukeleki. Kodwa kulokhu, uNkulunkulu ubhekisise kulabo abazoma banqobe.

iSambulo 7:3 sibonisa abazalwane abathembekile kulendlela yokunqoba bagqotshwe isitembu nguNkulunkulu ngensindiso. Izinto ziyabheda kakhulu!

Umlando oxhunyelelweyo wenziwe ku-Sambulo 11 lapho kubonisa ukunqoba esiphambanweni kubonisa nombuso wohlelo lomhlaba ukuthi kunikwe uMbuso kaNkulunkulu neNkosi uJesu Krestu.

iSambulo 12:11 sikhombisa ukuthi uma sima kulesikhathi sempu enkulu siyosinqoba isitha ngegazi leWundlu nangeZwi likaNkulunkulu eliphuma emlonyeni wethu, kuphela uma singathandi izimpilo zethu ukwedlula ukuthanda uNkulunkulu nenhloso Yakhe.

iSambulo 17 yisambulo sohlelo lomhlaba nokukhohlakala kwalo. Sikhombisa ukubambisana phakathi komoya nepolitiki.

#### *Isahluko 4 Ungubani uNkulunkulu*

iSambulo 18 ngesinye isixwayiso kubantu bakaNkulunkulu ukuthi baphume ohlelweni "lomhlaba"ngokuba selizodilizwa futhi alithembeki. Ukudilizwa kwalelihlelo kuyakhonjiswa

KuSambulo 19 kunokunqoba, neNkosi iphindela ehashini Layo elimhlophe ukuzogcwalisa isithembiso ngokuletha isinxhephezelo Sayo. "Ngabona izulu livulekile. Ngako bheka, ihashi elimhlophe! Nalowo Ohlezi kulo wayebizwa ngokuthi Othembekile Oneqiniso. Futhi ngeqiniso uyahlulela enze impi. Namehlo Akhe afana namalangabi omlilo, ekhanda Lakhe kunemixhele eminingi. Futhi unegama elibhaliwe, Ongaziwa ngumuntu Ozazi Yena kuphela. Ugqoke izimpahla ezacwiliswa egazini, negama Lakhe libizwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu. Nempi yonke yasezulwini ilandela Yena osehashini elimhlophe, ogqoke ilineni elicolisiwe, elimhlophe lihlobile. Okuphuma emlonyeni Wakhe inkemba ekhaliphile, ukuthi ngayo uyobhubhisa zonke izizwe. Futhi Uyokubahola ngenduku yensimbi. Anyathele amavovo olaka ewayini nenthukuthelo kaNkulunkulu uSomandla. Futhi ugqoke izimpahla Zakhe, ethangeni Lakhe kulotshwe igama, NKOSI YAMAKHOSI UNGQONGQOSHE WAWONGQONGQOSHE" [Isambulo 19:11-16]

KuSambulo 20, Usathane uboshiwe; uyahlulelwa.

iSambulo 21 sibonisa uMbuso kaNkulunkulu uba ngokuphelele, iJerusalema entsha. Sibonisa ubudlelwano obukhulu noJesu njengomphumela kukho konke esesidlule kukho.

iSambulo 22 sibonisa ubuholi kulabo bantu abame banqoba kwaze kwaba sekugcineni. Nasi sithombe somfula ogobhozayo, okukhulunywa ngawo kuHezekeli 47, onezithelo nxazonke ukuphilisa izizwe, okusho abezizwe, noma abantu abangamazi uNkulunkulu. Ngolwazi lwami, ubuholi obuqotho buza emva kweziphithiphithi nokunqoba. Siba ngaphezu kwamademoni ngezimpi.

iSambulo 22 siyizwi lokukhuthaza. "Ngiyeza masinyane, bambelela uyokubusiswa. Bambelela, kuzophendulwa zonke lezinkinga neziphithiphithi empilweni yakho zibe yizibusiso".

Lesisambulo noma ukukhazimuliswa kukaJesu kufana ncamashi nalokhu uJesu akukhuluma kulaba ababili endleleni eya e-Emawuse, emva kwalokho kubafundi bakhe abangu 11, kusuka kuMose, kuMahubo nabaphrofethi ku-NgokukaLuka 24. Ngokufanayo, nanoma, lesi kwakuyisambulo esigcwele. Uma sibona uJesu akhazimuliswa ngalendlela, silungelwe ukumukeliswa uMoya Ongcwele. [NgokukaJohane 7:39].

#### ***Isahluko 4 Ungubani uNkulunkulu***

Angifuni ukuzenzisa kwangathi ngiyazi yonke lencwadi yeSambulo, angisho futhi ukuthi ngizoyifundisa yonke lapha. Angisho nakancane ukuthi ayivezi iziphrofetho ngekusasa lezwe nezehlekalo. Konke nje engikushoyo ukuthi SIYADLULELA kulokho. Ngokudingeka sikufake ezimpilweni zethu namhla. Kufanele sazi ukuthi uJesu ungubani MANJE! Ngiyakwazi nami futhi ukuthi ngo-Agosti 26 1979, ngangifunda eNcwadini yeSambulo, ngesimanga esikhulu uJesu wangisindisa wangigcwalisa ngoMoya Ongcwele. Wazibonakalisa kimi angizange ngiphinde ngifane nakuqala!

uJohane wazwisisa. Kuningi empilweni kunokuya ezulwini nokuphila impilo enhle emhlabeni. Sibizelwe ukuzolwa. Futhi uJesu uyaphila unamandla okwenza isiqiniseko sokuthi siyanqoba! Lesi yisithombe sokuba sisizwisise lapho izinto zime kabi. Kufanele sizinike indawo kuloluhlelo sazi nokuthi uNkulunkulu ukubekile lokho. Ngakho sizokhona ukuma!

Lapha kunomfanekiso wokuqala kaNkulunkulu. Akadalwanga. Ukhona njalo, akakaze angabikho. Angeke aphele ukuba khona. Unamandla onke, ukwazi konke ngoba uphila ngale kwesikhathi, uphakade. Uyalazi ikusasa ngoba kuye selenzeka. Ungowazi konke. Angayifunda imicabango yakho, wazi ozokucabanga ngaphambi kokuba ukucabange, Ukhona yonk' indawo ngoMoya Ongcwele.

UnguNkulunkulu uBaba, uJesu yindodana ebizwa nangokuthi u-Lizwi likaNkulunkulu, noNkulunkulu uMoya Ongcwele.

Ubusa kuko konke. Ungumnqobi kuzo zonke izitha. zonke izinto zisezandleni Zakhe!

Ungamethemba neZwi Lakhe noma ngabe ukusiphi isimo! uNkulunkulu uyamangalisa! Singeke saqala ukwazi ukuthi mkhulu kangakanani! Usithanda ukwedlula lokho esingakucabanga!

## Isahluko 5 Hlala



Ukuhlala kuya ngokuthi siziphethe njani futhi singobani kuKrestu. Usathane uyabulala, atshontshe asone uma ukuziphatha kwethu kungamjabulisi uNkulunkulu. Nanoma, lokhu esikucabanga ngathi, esiyikho nesikwenzayo. Sizame kakhulu ukutshintsha ukuziphatha kwethu, kodwa kusukela ekutheni sinjani. Esikucabanga ngathi [ubukeka njani] yikhona kuphela esingakutshintsha. Ukuze sibe nomfanekiso oqondile ngathi

[oqondile emehlweni kaNkulunkulu], kufanele sivuselele imicabango yethu ngeZwi likaNkulunkulu. "Ningatshintsheki nifane nalomhlaba, kepha nikhule ngokuvuselela imicabango yenu, ukuze nibe yisibonelo sobuhle nokujabula nobungcwele bentando kaNkulunkulu"(KwabaseRoma 12:2)

Uma ufuna ukuba nempilo enezithelo, uzofanele wazi ukuthi lezizigaba ezinathathu HLABA, HAMBABA, noYIMA, zisebenza kanyekanye.

Kufanele SIMELANE no sathane-[izikhali zempi-NgokukaJohane 10:10]  
Kusengqondweni kasathane ukutshontsha lembewu yakho okukhulunywa ngayo ku-Marku isahluko 4.

Kodwa singeke saHAMBABA singakafundi ukuYIMA-[ukuziphatha kwethu noma isimilo sethu-KwabaseEfesu 4:27]. Usathane uzozama ukukwenza ukuba uhambe impilo yakho ngendlela okungesiyo yakaNkulunkulu ukuze ungakhoni ukuMELANA naye ngamandla kaJesu, Yena ongcwele.

Nanoma, singeke saHAMBABA singakafundi ukuHLABA-[singobani-NgokukaLuka 6:45]. Amakholwa amaningi azama ukuhamba impilo eNgcwele ngokucabanga kwawo,lokho kuphenduka imithetho nemvume.

Loluhlobo lwempilo luyokukuvimba ukuba ubenobuhlobo obuyibo neNkosi uJesu.

Siphila esikhathini sempi yemimoya ngakho kufanele siMELANE nesitha, kodwa singeke sime ngaphandle kokuphila impilo ekahle futhi ngeke siphile impilo ekahle uma singazazi ukuthi singobani.

Kufanele sizazi ukuthi si [HLABA] kuphi ngaphambi kokuba siphile njengoba sifanele si[HAMBABA], nangaphambi kokuba sifanele si[MELANE] nosathane ezimpilweni zethu. Lokhu kuhambisana nalamavesi amathathu kuKwabaseEfesu:

### *Isahluko 5-Hlala*

Hlala-KwabaseEfesu 2:5-6,"[nanoma sasifile ngezono] senzwa saphila ngoJesu [ngomusa usindisiwe], futhi wasivusa kanye Naye wasenza sahlala naye eMbusweni weZulu ngoJesu Krestu".

Ngalelivesi, siHLEZI noKrestu embusweni; noma siyohlala Naye uma sifa sesiya ezulwini?

HAMBA-KwabaseEfesu 4:1 uthi, "Ngako-ke mina, njengesiboshwa enkosini,ngikunxusa ukuba uhambe ngendlela iNkosi ikubize ngayo".

YIMA-KwabaseEfesu 6:11 uthi, "Hlomani izikhali zonke zikaNkulunkulu ukuze nikhone ukumelana namasu kasathane".

Asifundeni ukuhlala.

Siyoziphatha maqondana nalokhu izinhliziyi zethu zisitshela ukuthi siyikho. "Umuntu okahle uletha izinto ezinhle phakathi kwezinto azibeke enhlizweni yakhe, nomubi uletha izinto ezimbi phakathi kwezinto azibeke enhlizweni yakhe. Ngoba okucitheka enhlizweni yakhe ngokuphuma emlonyeni wakhe"[NgokukaLuka 6:45]

UkuHLALA noKrestu eMbusweni kuhambisana nesiphambano Sakhe. Bheka futhi ku-KwabaseEfesu 2:5.Uthi sifile ezonweni zethu. Kukhona angakwenza umuntu ofile? Qha akukho. Umuntu ofile akadingi kufunda ukuhamba, ngisho nokuma, noma ukulahla imikhuba emibi, umuntu ofile udinga IMPILO! Umuntu ofile angeke azinike impilo, angeke azame nokuzama. uNkulunkulu usebenzise uKrestu ukusinika impilo.

Okokuqala, asichaze ukuhlala ngokomhlaba kamoya.

Izinyawo zethu ziyasibamba ukuze sime, kodwa uma sihlala sibeka isisindo sethu phezu kwesihlalo. Kuyindlela esizama ngayo ukuphumula. Kukabili sikhathele noma siphumulile. Sibeka isisindo sethu sonke kuJesu, ubuthina bonke, kanye nekusasa lethu lonke.

Ekuqaleni, uNkulunkulu wenza konke ngaphambi kokuthi enze thina. uAdamu waqala impilo yakhe ngeSabatha. Kwakufanele umuntu enzeni ngendalo kulamalanga ayisithupha? Lungakanani usizo uNkulunkulu aluthola kuAdamu ekwenzeni izulu nomhlaba? Lwalunjani usuku lokuqala luka Adamu? Kwakuwusuku lokuphumula. Funda ku Genesise 1. uNkulunkulu wenza konke ngezinsuku eziwu 5, wase udala umuntu ngosuku lwesithupha. Umuntu akazange asize uNkulunkulu. Usuku lokuqala umuntu abakhona ngalo wusuku lwesi 7, okwakuwusuku lokuphumula. Kuphela emva kokuba uAdamu esenikezwe konke waya kuyosebenza.



## *Isahluko 5-Hlala*

uNkulunkulu wasebenza, wase ephumula. Umuntu waphumula, wase esebenza.

Nali ivangeli! uNkulunkulu wawenza wawuqeda umsebenzi wensindiso. Wasithenga ebuboshweni besono nosathane wasinikeza ubudalwa obusha, ukuzalwa okusha okufaka impilo entsha enesimo sika Nkulunkulu. Akukho esingakwenza ukuthola lokhu. Kuphela esingakwenza ukungena ngokukholwa uma sizwa ngalesisipho.

Ungazizwa uhlukile noma qha, kodwa imizwa yakho ayithembeki. Kufanele ujwayele ukuthemba iZwi likaNkulunkulu ubeke imizwa yakho nokucabanga kwakho eceleni. Izigameko ezihle nezimangalisayo ziyenzeka empilweni yekholwa. Isitha usathane, uzosebenzisa imizwa yakho yakudala ebusa ingqondo yakho ukukufihlela iqiniso. Lawo ngamaqiniso, angathenjwa. Uma siqala ukumukela Izwi likaNkulunkulu njengelibusayo kithi, siyoqala ukulibona iqiniso. Ukubuswa yiZwi akwenzwa yisimo, akwenzwa yimizwa yakho, kepha kwenzwa yiZwi likaNkulunkulu. Qala uhambo ngeZwi likaNkulunkulu uzobona ukuthi ungubani!

Kukhona uhlangothi lomthetho kanye nelokukholwa ukuthi ungubani.

Uma uvuma uJesu njengeNkosi, futhi uma uNkulunkulu ahlanyela Izwi Lakhe enhlizweni yakho, ungenile ekufeni nasekuvukeni kukaJesu. Sewazi ukuzalwa kabusha. 1KaPetru 1:23 uthi, "Njengoba uzalwe kabusha, kungembewu ewonakalayo, kodwa ngembewu engonakali, ngeZwi eliphilayo likaNkulunkulu, elikhona phakade".

Ngokomthetho, sabethelwa noJesu njengokusho KwabaseGalathiya 2:20 na KwabaseRoma 6:6. KwabaseGalathiya 2:20 uthi, "Ngabethelwa noKrestu, futhi ngiyaphila; kepha akuseyimi, kepha nguJesu ophila kimi. Nokuthi lempilo engiyiphila manje enyameni, ngiyiphila ngokukholwa iNdodana kaNkulunkulu, eyangithanda yazinikela ngenxa yami".

Nanoma, singaba singalutholi lololwazi manje. kuyilapho amaningi amakholwa amasha alahleka khona. Kuphela ngoba abahlangani neqiniso ngeZwi, noma ikakhulu, bezwa lokho okungasiko Izwi lisho khona, lokho kubaqeda amandla bayeke ukukholwa. Emhlabeni, sikholwa ngokubona, kepha ngoNkulunkulu, kufanele ukholwe ngaphambi kokuba ubone.

Kufanele sazi ukuthi asibona abantu ababili, asinazithunzi ezimbili! Amanye amakholwa akhulisa lowomcabango ngenxa yolwazi labo lokwehlulwa isono. Abanye bathi ingxoxo kaPawulu kuKwabaseRoma 7 ikhombisa ukuthi kukhona impilo ezimbili kumuntu. KwabaseRoma 7 akasho lokho. Isho ukuthi umthetho wesono usebenza ngaphakathi kithi, Uma wabethelwa noJesu wazalwa kabusha, bese lemvelo yakho

## ***Isahluko 5-Hlala***

endala, lomuntu omdala usefile, ngokuthi umuntu omusha usezelwe ngaphakathi kwakho.

Kufanele sivuselele ingqondo zethu. Uma sizelwe kabusha, umoya wethu wakhwa kabusha, uma siya Ezulwini imizimba yethu yakhwa kabusha, kepha ingqondo zethu zivuselelwa njalo nje uma siphila Ngezwi likaNkulunkulu. Impendulo kulomshikashika injengoba umfundisi wethu ekumisa uma eshumayela. Uthe asiphili ihlaya, abantu ababili, kodwa kalula, "inyama" yethu iyilokucabanga okudala ebucopheni bethu nasemicabangweni yethu. Ingqondo zethu "zinokugciniwe" okudala okusibuyisela ekwenzeni kwakudala. Kufana njengesihlahla esinqunyiwe kodwa kusenamacabunga asaphilayo kuso. Umbhalo okuqiniso lokhu kusho u-KwabaseRoma 12:1-2 wona othi, "Ngakoke, ngiyinxusa bafowethu, ngomusa kaNkulunkulu, ukuba ninikele imizimba yenu njengomnikelo ophilayo, ongcwele nojabulisayo ebusweni bukaNkulunkulu, Lena yindlela yenu ngokomoya yokukhonza. Ningaguquki futhi nifane nokomhlaba, kepha khulani ngokuvuselelwa kwengqondo zenu. Ngakho niyophumelela ukuzwa nokuqiniseka ukuthi iyini intando kaNkulunkulu - ubukahle, nokuthula nentando Yakhe ephelele".

### **uJesu ubeyiso no sakho wena waba wubuqotho Bakhe.**

11KwabaseKorinte 5:21 uthi, "Owazenza waba yiso no sethu, ongasazanga isono, ukuze sibe msulwa kuNkulunkulu ngaYe".

Kwenzeka kanjani lokhu? Isivumelwano segazi senzwa empilweni yakho. Ushintsho olukhulu phakathi kwakho noJesu Kresu lwenzeka. Esiphambanweni, wathatha konke okubi nokungahambisani noNkulunkulu empilweni yakho. Ekuvukeni wakunika lonke igunya lendalo kaNkulunkulu uSomandla! Wanenza amadodakazi namadodana wakwenza wahlala Naye embusweni "ophakeme" ngaphezu kwazo zonke izitha zakho. Usathane, isitha sakho, wenza ngawo onke amandla akhe ukutshontsha lokhu ngamanga. Nanoma, uma ulazi iqiniso, futhi ume eqinisweni, uyokuba ngumnqobi! Wangena ekubethelweni kanye naYe, ekufeni kanye naYe waze wavuswa kanye naYe.

Akesibheke ukuthi uJesu ufike kanjani kulesisihlalo. Wabethelwa, wafa, wangcwatsha wavuswa. Ekuvusweni Kwakhe waba ngowokuqala endalweni entsha. Emva kokuba abafundi Bakhe nesixuku esingu 500 sabantu bambone izinsuku eziningi, wabuyela emva esandleni sokunene sikaBaba, wahlaliswa njengeNkosi nombusi womhlaba.

Manje, uma sihlezi naYe embusweni, loko kuba yisizathu sokuthi sikwenzile konke kanye naYe, ukufa, ukungcwatshwa, ukuvuswa nokunyuka saba yindalo entsha.

## *Isahluko 5-Hlala*

Kunjengokubeka uphawu encwadini, bese uhambahambisa lencwadi. Lophawu luhamba nalencwadi. Ungabuza, "Ngikwenze kanjani konke lokhu noKrestu, bengikakazalwa nokusho?"

Impendulo kulokho yiqiniso lokuthi uNkulunkulu uphila phakade, wukuthi Yena akanasikhathi. Ngako uma sizalwa kabusha, sithatha onke umlando kaJesu, akusho lutho ukuhluka kwezikhathi. Imibhalo yalokho yi:

"Kangakanani ngegazi likaJesu [lona ngomoya waphakade wazinikela engenasici nabala kuNkulunkulu] ukuhlwitha unembeza wakho emisebenzini efile ukuze ukhonze uNkulunkulu?"[KubaHeberu 9:14].

"[lokhu] umusa esanikwa wuKrestu uJesu ngaphambi kwesikhathi saphakade"[2KuThimothewu 1:9b]

Okulandelayo ngamaqiniso eZwini okufanele uzindle ngawo. Lamaqiniso ayimbewu enhle, ayozala isithelo esihle empilweni yakho.

Umoya oyingcwele ngeZwi ungakwenza njengoba unjalo ube yiqiniso kuKrestu. Kufanele umukele iZwi mathupha ulithembe njengencwadi yomthetho.

Ubelahlekile futhi ungenathemba. Lokho kusho ukuthi omunye umuntu kufanele ahambe akufune. KwabaseEfesu 2:12 [a&b] uthi, "ukuthi ngaleso sikhathi ubengenaye uKrestu,... ungenalo ithemba ungenaNkulunkulu emhlabeni".

Ubufile ngezono zakho. Ayikho indlela ngomuntu ofile, ngaphandle kokuba anikwe impilo. KwabaseEfesu 2:1 uthi, "Wase philisa wena, owayefile ngezono neziphambeko".

Legazi uJesu alichitha esiphambanweni lageza izono zakho. uthethe indawo yakho.KwabaseKolose 1:14 uthi, "Esasindiswa ngegazi lakhe, lahlanza izono". KwabaseEfesu 1:7 uthi, "Ngaye sathola ukusindiswa ngegazi Lakhe, ukuthethelelwa kwezono, ngobukhulu bomnotho wensindiso Yakhe". Leligama, "intethelelo", ngokweqiniso lisho ukuhlukanisa noma ukunqamula. Izono zethu zisusiwe kithi zafakwa kuJesu, iwundlu elingumhlatshelelo.

### **Ubusuvele "ukuKrestu" uma lezizehlakalo zenzeka.**

Wabethelwa kanye noJesu. "Ngabethelwa noKrestu; akuseyimi ophilayo, kepha uKrestu ophila kimi; nalempilo engiyiphila manje enyameni ngiyiphila ngokukholwa indodana kaNkulunkulu, eyangithanda yazinikela ekufeni ngenxa yami"[KwabaseGalathiya 2:20]

### **Isahluko 5-Hlala**

Wafa kanye noJesu. "Kanti uma sihlanganisiwe safana naye ekufeni Kwakhe, sizofana naye ngokuvuka Kwakhe"[KwabaseRoma 6:5]

Wangcwatshwa kanye noJesu. "Ngako sangcwatshwa Naye ngokubhaphathizwa ekufeni"[KwabaseRoma 6:4]. Ngoba sangcwatshwa Naye ngombhaphathizo"[KwabaseKolose 2:12]

Wenzwa waphila kanye Naye uKrestu.. Wena owafa ngeziphambeko zakho nokungasokwa enyameni, kanjalo wakuvusa waphila Naye"[KwabaseKolose 2:13]. "Nanoma sasifile ngezono zethu[uNkulunkulu] wasenza saphila kanye noJesu"[KwabaseEfesu 2,5]

#### **Wavuswa kanye noJesu. Sewuhlezi noJesu.**

"[Yena uNkulunkulu] wasenza saphila kanye noKrestu noma sasifile ngezono -- kungumusa ukusindiswa kwakho. Kodwa uNkulunkulu wasivusa noKrestu wasihlalisa Naye endaweni yoBukhosi ngoKrestu uJesu". [KwabaseEfesu 2:5,6]

Loku kungukuma kwethu ngokomthetho noNkulunkulu namuhla nesiqalo selungelo lethu lomthetho. Maqondana nomhlaba kaMoya, isihlalo sakho sikuJesu eMbusweni weZulu. Usesihlalweni sokubusa. Usathane nengqondo yakho kuzokutshela ukuthi awuhlalanga noKrestu eMbusweni waseZulwini, kodwa lokho kungamanga! Udinga ukukwazi ukuthi uNkulunkulu ukuhlalise Naye[uJesu] lapho usese yisoni!

Uyisidalwa esisha. "Ngako-ke, noma ngabe ngubani okuKrestu, uyisidalwa esisha; okwakudala sekwadlula; bheka, zonk' izinto sezaba zintsha"[2KwabaseKorinte 5:17].

Ungazibuza, kwenzeka kanjani lokhu? Muhle lombuzo. uNkulunkulu usifaka kuKrestu. "Kodwa ngenxa Yakhe ukuKrestu uJesu, owaba wukuhlakanipha okuvela kuNkulunkulu-nobuqotho nokuhlotshiswa nensindiso"[1KwabaseKorinte 1:30]. Ukuba kuKrestu kufana nokuba kubaba wakho nomama wakho njengesidoda [sperm] neqanda. Uthole ubundlalifa bomlamdo wabo njesizukulwane. Cabanga nje ukuthi uwuphawu phakathi kwencwadi. Lapho lencwadi ihanjiswa, lophawu luhamba nayo. Uma lencwadi ibekwa eshalovini, lophawu luya eshalovini. Uma lencwadi ishiswa, lophawu lusha kanye nencwadi. Uma ngesimanga lencwadi ivuselelwa iphindiselwa eshalovini, nophawu kanjalo.

## **Isahluko 5-Hlala**

Umlando wakho, nokuthi ungubani kuKrestu kungenxa yesivumelwano segazi noNkulunkulu ngoJesu ngokufa esiphambanweni nokuvuka kwakhe.

Uqondile. Ukuqonda kusho ukulunga[ukuma kahle] kuNkulunkulu. Indodana [noma indodakazi] iqondile kubaba wayo kwasekuzalweni. Uphakathi emndenini futhi unelungelo leli umakhelwane angenalo. Sifanele ngoba sizalwe kabusha, kungesiko ukuthi kukhona esikwenzile. "uNkulunkulu wamenza lona ongenasono ukuba nesono sethu, ukuze ngaYe sibe ngabalungile kuNkulunkulu"[2KwabaseKorinte 5:21]. Siqondile ngoba uNkulunkulu ufake impilo Yakhe kithi, kungasi ngenxa yokuziphatha noma ukwenza kwethu.

Umbuso kasathane kuwe uphuliwe [udilizwe]. Usathane ubebusa imvelo yakho yakudala, kepha imvelo yakho entsha ikuKrestu Yena owamngoba usathane. KwabaseRoma 6:8-10 uthi, Kepha uma safa noKrestu, siyakholwa futhi ukuthi sizophila Naye, ngokwazi ukuthi lapho uJesu evuswa kwabafuleyo, akasoze aphinde afe; ukufa akusenamandla Kuye. Ngokuba wafa, wafa esonweni kanye; kepha kulokho uyaphila, Uphila kuNkulunkulu". Uma lomhlaba wemimoya ukwenze waphila ovalweni, uNkulunkulu uzokukhulula khona manje!

### **Sidinga imvuselelo yengqondo,**

"Ngalokho ngiyinxusa bafowethu, ngomusa kaNkulunkulu. Ukunikela imizimba yenu njengomnikelo ophilayo, ongcwele nojabulisayo kuNkulunkulu--lena yindlela yenu kaMoya yokukhonza. Ningasaphendukeli ekubeni ngabohlobo lomhlaba, kepha khulani ngokuvuselela imicabango yenu. Ngalokho niyokukhona ukubona nokuba neqiniso ngokuyintando kaNkulunkulu--ubukahle Bakhe, ukulunga nenjongo ephelele"[KwabaseRoma 12:1-2

### **Nasi isithembiso sikaNkulunkulu kuwe.**

KubaHeberu 8:10 kuthi, "Lesi yisivumelwano engizosenza nendlu kalsrayeli emva kwalezo nsuku, kusho iNkosi; Ngizofaka imithetho Yami engqondweni zabo, ngiyilobe enhlizweni zabo: futhi ngiyokuba nguNkulunkulu kubo, nabo bayokuba Kimi ngabantwana".

### **Funda ku-1 NgokukaPetru 1:6-7. Lithini ngezilingo nezinhlupheko?**

Okubonakalisa ukuthi uyakholwa noma awukholwa akusi ngokuthi uzizwa kanjani. Isibonelo wukuthi kuphumani emlonyeni wakho kulomnotho wenhliziyo yakho. NgokukaLuka 6:45, Umuntu omuhle kulobuhle abubeke enhlizweni yakhe uveza okuhle. Nomuntu omubi kulobubi abubeke enhlizweni yakhe uveza okubi. Ngokuba ngalokhu akubeke enhlizweni yakhe ukusho ngomlomo wakhe".

## ***Isahluko 5-Hlala***

Okuyona ndlela kuphela yokunqoba nokuphila ezintweni ezifana nesono, uvalo, ukulahlwa, injwayelo embi, ukuzizwa ungelutho, ukuzizwa njengesehluleki, nokunye, ukumukela lawamaqiniso. Uma sikwazi ngokweqiniso ukuthi uNkulunkulu uyasithanda, ukuthi singabakhe, ukuthi usenze saba yizidalwa ezintsha, izinto zakudala sezadlula futhi sesiyakwazi nokuthi singobani kuKrestu, ukuthi sathengwa ebugqilini sanikezwa igunya lokwamukela uBukhosi, uMbuso nokunakwa nguNkulunkulu, kuyilapho siqala uhlelo lokunqoba zonke izinto ezimbi empilweni zethu.

Okulula kakhulu esingakukhumbula yisiphambano. Isiphambano sika Jesu sithatha konke okubi empilweni zethu nalokhu okuzama ukuza empilweni zethu, sikuphendule kube yisibusiso.

Yonke lenjabulo nendaba ezimnandi ukuthi singobani kuJesu akufanele kusinike ukuziqhenya, nempilo yokuzikhukhumeza. "Ngingumvini, nina ningamagatsha"[NgokukaJohane 15:5]. Ngaphandle kokuzinikela ngokuphelele empilweni kaNkulunkulu esinikwe yona, asisilutho. Asibizelwanga ukuba ngabantu abanamandla azimele. Sibizelwe ukuthembela kulempilo esinikwe yona ephakathi kithi. igatsha lingenze lutho, lizokufa, uma lingahlali lixhunyelwe emvinini. Kufanele simbathe ingubo yokuzithoba sazi futhi ukuthi ngaphandle Kwakhe asilutho! Uma ubhekisisa ku-NgokukaJohane 15, ukuhlala uthembele kusho ukuhlobana neZwi likaNkulunkulu.

### **Ungazenzi inkukhu, uwukhozi!**

Ngeliny' ilanga, iqanda lokhozi lagingqika lawela esidlekeni senkukhu. Kwazalwa ukhozi olwakhula nezinkukhu lwaziphatha njengenkukhu, kepha uma likhula labona umahluko njalo. Akukho muntu owayelapho ukulitshela ukuthi alisiyo inkukhu, kodwa ukhozi.

Uma kuba nezivunguvungu, ukhozi laligijima njalo liye endlini yezinkukhu kanye nazo izinkukhu, ukuyovikeleka, kodwa njalo ukhozi uma ligijima lwalubheka emuva ngaphezu kwamahlombe alo, libone lezizinyoni ezingajwayelekile zindiza ngasemaweni. Zazingesabi, zazingabaleki. Zilenga emoyeni amaphiko avulekile anamatele kuzo[kuzenza zifane namaphiko endizeni], zibeke ngqo esivunguvungwini noma sisekude. Zime zalinda zalinda[emoyeni], vu! Umoya wafika kuzo esikhundleni sokuba zilimale, into eyenzeka ukuba ukuvunguza kuzenze ziphapse zidlalisele phakathi kwesivunguvungu. Zaba phakathi emoyeni , nangephezu kwebanga eliwu 30,000 wamafiti ngaphezu kwesivunguvungu lapho umoya uhlobe khona.

## **Isahluko 5-Hlala**

Ukhozi lwaluvame ukuzitshela, "Awu ndoda bheka lababafo, ngiyafisa ngabe ngifana nabo".

Ngelinye ilanga ukhozi labheka PHEZULU, labona ukhozi lundiza lidlalisele phezulu emoyeni. Ngokushesha okukhulu lakwazi, "Angiyona inkukhu, ngiwukhozi. Ngibalekelani? " Lakhwela eweni, lavula amaphiko alo, lasho selindiza lidlalisele!

Mngane wami, awusiye umuntu nje, awuyona inkukhu. Wakhelwa ukuphila eMbusweni weZulu noKrestu. Bheka phezulu!

Khumbula umfanekiso womhlwanyeli ku-NgokukaMarku 4[wufunde]. Usathane uza ukuzotshontsha imbewu yeZwi likaNkulunkulu ehlanyelwe enhlizweni yakho. Namhla imbewu yokuthi wena ungubani ihlanyelwe. Kusasa, yima ngokuqina uma uzwa uphela amandla ngenxa yezimo. iZwi liyiqiniso! Izimo ziyeza zedlule.

Okucaphunwe ku Richard Wurmbrand's devotional, Ukufinyelela phezulu-May 15<sup>th</sup>. [5]

### ***"Sibangcwele ngokudla ukudla kukamoya okukahle.***

*Kusifundo sesibonelo kutholakale ukuthi izibungu ezijwayele ukuhlala emnyameni zingatshintshwa ukuyekela lenjwayelo zithande ukukhanya. Njalo nje uma zibuyela ebumnyameni, zihlangana nokushaywa wugesi, kuthi- ke njalo uma ziya ekukhanyeni, zithole ukudla okuningi. Ngokuya kwesikhathi, lezizidalwa 'zaba yizibungu ezintsha', ukusebenzisa ukuphawula kwebhayibheli. Okuphambene nenjwayelo yohlobo lwazo, kusukela ngaleso sikhathi kuya phambili zathanda ukukhanya kunobumnyama. Kwase kuthi lezizibungu zabalawa zajutshwa zaba yizicucwana zafakwa ekudleni, okwanikezwa lezi ezinye izibungu zohlobo lwazo: kwase, bheka, lezi zibungu zatshintsha injwayelo yazo. Zanda, ngokunikezwa kwazo inyama yalezizibungu ezinenjwayelo entsha, iRibonucleic acid [RNA], okwakungena ezingqondweni zazo. Zaxwaya ubumnyama zakhetha ukukhanya njengalezidalwa ezazidla. Izifundo sibonelo zenziwe nangezinye izilwane.*

*Uma ufuna ukuba ngumuntu omusha, umuntu ongcwele nomsulwa, dlani uJesu. Waba yinyama ukuze abe wukudla kwakho kwemihla ngemihla"*

## **Isahluko 5-Hlala**

*Esiphambanweni, uJesu athatha ku-MaHubo 22:6 "Kepha mina ngiyimpethu"*

### **Strong's concordance[2] isichasiso sempethu:**


*"08438 elwt towla' [to-law]. Kusuka ku 03216; TWOT-2516b; nmAV-okubomvu klebhu 34, impethu 8, okububende-insikazi 'coccus ilicis' 1b] okubomvu klebhu, okububende, okubomvu klebhu 1b1] lopende owenzwa ngomzimba owomisiwe wempethu yensikazi "coccus ilicis"*

*Lapho insikazi yohlobo lwesibungu esibomvu klebhu ilungele ukuzala umntwana wayo, inamathelisa umzimba wayo esiqwini sesihlahla, izinamathelise ngokuqina nokwanomphela ukuthi kayisoze yehlukane nesiqu sesihlahla. Kanjalo lamaqanda ewakhipha ngaphansi kwesisu sayo avikelekile kuze kuchamuseleke izibungwana ezincane nazo ziqale impilo yazo. Lapho unina efa, lamanzana abomvu apende umzimba namacala esihlahla. Emizimbeni efile yezibungu zezinsikazi ezibomvu, lopende oyisipesheli obomvu klebhu watholakala.*

*Isithombe esihle kangaka ngoJesu, efa okhunini, esulela igazi Lakhe elihle ukuze "alethe amadodana amaningi ekukhanyeni" [KubaHeberu 2:10]! Wasifela, ukuthi siphile ngaye!"*



## Isahluko 6 Hamba



Singeke sahamba ngaphambi kokuba sime.

Uma singahamba ngaphambi kokuba sizame ukuma, isitha sethu si "zosidla njengesidlo sasemini".

Nayi imibhalo elekelelana nalokhu. "Hlomani zonke izikhali zikaNkulunkulu ukuze nibe namandla okumelana namaqhinga kasathane. Ngokuba asibambene negazi nenyama, kodwa sibambene nemibuso, namandla, nababusi bezwe balobu bumnyama, nabawomoya bobubi emkhathini." [KwabaseEfesu 6:11-12]

"Ukuze singahlulwa ngusathane; ngokuba asisibo abangawazi amacebo akhe" [2KwabaseKorinte 2:11].

"Ningamniki usathane indawo" [KwabaseEfesu 4:27]

"Kumelwe futhi ukuba abe nobufakazi obuhle kwabangaphandle, funa ayele esihlabeni sikasathane" [1KuThimothewu 3:7].

"Basanguluke, baphume ogibeni lukasathane ababanjwe nguye ukuba benze intando yakhe" [2KuThimothewu 2: 26].

"Qondani, nilinde. Isitha senu, usathane, siyahamba njengebhubesi elibhodlayo sifuna esingamgwinya" [1KaPetru 5:8]

Kusobala kulombhalo nakweminye eminingi, ukuthi ngisho nathi makholwa singaba sesandleni sika sathane nabasizi bakhe, ngendlela eziningi ezahlukene. Lemibhalo ikhombisa ukuthi ukuziphatha kwethu nempilo yethu kungaba nendlela yokunika usathane ilungelo lokusilimaza.

Ukunqoba kwethu usathane nezimo kungaphumelela kuphela ngendlela yethu yokuhamba. Sidinga isimilo sikaJesusu empilweni zethu ukuze siphephe. Uma sizama ukwenza empilweni zethu ngesimilo esidala, sesinqotshiwe empini kamoya. Nanoma, uma sihamba esimilweni sikaNkulunkulu, bese isitha sibona uJesusu kuphela kungabi yithi. Khumbula, isitha kasinandawo kuJesusu. uJesusu wamehlula usathane.

### ***Isahluko 6-Hamba***

KwabaseEfesu 4:1 uthi, "Ngakho mina siboshwa eNkosini ngiyanincenga ukuba nihambe ngokufanele ukubizwa enabizwa ngakho"

Sifanele sikwenze kubesobala kusifundo "Hlala" ukuthi isimilo sethu siveza ukuziphatha kwethu, nokuthi impilo yobukholwa ayiqali ngoku"hamba". Ngamanye amagama ukwenza kwethu, nanoma ngabe yini esingayenza noma esingayibonakalisa. Ububele esingene ngabo, nobubele yibona obuyosiyisa phambili!


Konke kumaqondana nomsebenzi kaJesu ophelisiwe esiphambanweni eKhalvare nalokhu akubonakalisa lapho nokuthi saba ngobani ngenxa yesiphambano.

INKosi yasenzela konke thina. Ihlezi esihlalweni nathi sihlezi kanye Nayo. Sabethelwa, safa, sangcwatshwa, savuswa sanyuka kanye Naye futhi sesihlezi kanye Naye emkhathini. KwabaseEfesu 2:6 uthi, "Wasivusa kanye Naye, wasihlalisa kanye Naye embusweni wezulu kuKrestu Jesu".

Nanoma, impilo yobukholwa ayipheleli lapho. Impilo yethu yobukholwa wubuhlobo phakathi kwabantu ababili, uNkulunkulu nathi. Ubuhlobo abenzeki ngokuphazima kweso, budinga isikhathi. Kuyilapho kuba nenkinga kumakholwa amaningi. Abafuni ukuthatha isikhathi, sokuveza ukuzinikela kwabo nokugcina lobubuhlobo buphila futhi bunamandla kuNkulunkulu. KwabaseRoma 12:1-2 ukwenze kwaba sobala ukuthi ngalobububele bukaNkulunkulu obuyisimanga kufanele nathi siphendule ngokuzinikela njengomhlatsshelo, okuwukumsebenzela kwethu. Uma senza njalo sivuselela imicabango yethu ukusuka kulempilo yakudala bese kubonakala njengesithembiso esikwenzayo, futhi sibonakalisa intando kaNkulunkulu empilweni zethu.

Ukuhamba ngokufanele endleleni kaNkulunkulu kuhambisana nesiphambano sethu. NgokukaLuka 9:23 uthi, "Wayesethi kubo bonke, uma umuntu ethanda ukuza emva kwami, makazidele, athabathe isiphambano sakhe imihla ngemihla, angilandele".

## Isahluko 6-Hamba



Khumbula, ubuhlobo bethu noNkulunkulu yisivumelwano segazi. Kudinga inhlangothi ezimbili nokufa okubili ukuze lesisivumelwano siqine.

Kunenhlobo ezahlukene zezinto okufanele sikhethe kuzo nsukuzonke. kumayelana nothando lwethu, ukuthi sisondele eduze noma siyaqhela kuNkulunkulu.

a. Khetha esimilweni: Sithi yebo noma qha ekutshontsheni, emangeni, ekukhohliseni, ekujoleni, ekuhlebeni nokuningi? Silalela Izwi, noma inyama yethu?

b. Izilingo nezihlupheko: Sithi yebo noma qha ekuthembeni Izwi likaNkulunkulu kunokusenzekelayo? Siyalithemba Izwi noma inyama yethu?

c. Ubukhosi: Sithi yebo noma qha ebukhosini buka Jesu noMoya Oyingcwele? Sithi yebo noma qha ebusini uNkulunkulu asibekele bona, njengothisha, abaholi bamabandla, amaphoyisa, abazali, njalonjalo.? Uma ungakhoni ukulalela lona okuphetha, ngakho suka. Uma bakucela ukuthi wone, ngako ungabalaleli. uNkulunkulu uzokuvikela ngisho kubabusi ababi.

d. Izwe: Sithi yebo noma qha ezweni? Izwe lingumbusi kamoya njengo Mbuso kaNkulunkulu. 1NgokukaJohane 2:15-16 uthi ukulangazelela ukuthokozisa inyama, ukuphanga izinto ngengqondo nokuba neqiniso ngonakho ko "mhlaba" [inkanuko yenyama, inkanuko yamehlo, ukuziqhenya empilweni]. Njalo nje uma sikhetha okunye kwalokhu, siba kude kuNkulunkulu.

Asisimsulwa, kodwa singahamba siphile ngokuphenduka.

Siyohluleka ngezikhathi nezikhathi, kepha uNkulunkulu usinika ukusixolela okumsulwa, kwangathi asikaze sone. 1NgokukaJohane 1:9 uthi, "Uma sivuma izono zethu, Uthembekile futhi ukahle ukusixolela izono zethu, nokusigeza kukho konke ukungalungi".

uNkulunkulu uyazi ukuthi iningi lethu liyahluleka kepha lingaqondanga ukuhluleka, kodwa ngoba siyizigqila zokunye. Usizo lwakhe akusi ukusishaya, kodwa ukuza kithi asitshela ukuthi singobani Kuye, ngethemba elizokwenza ukuba sidonsekele Kuye kakhudlwana.

Ungabi njengoEsawu. Ubeyiwele noJakobe. uEsawu, ngokubheka ubengemubi kunomfowabo wewele uJakobe. uJakobe ubengumkhohlisi, ke- lapho uNkulunkulu

## ***Isahluko 6-Hamba***

wangenela futhi ngamandla amakhulu wanika ubuzibulo kuJakobe, nakuba uJakobe ubengemuva nasesibe lethweni sikanina. uEsawu wadelela ubuzibulo bakhe, ecabanga ukuthi abuyona into enkulu, wabuthengisela uJakobe ngesitsha sesobhe.

Kodwa ekuhambeni kwesikhathi lapho ezama ukuphenduka, wangasakhoni. Sinelungelo lobuzibulo bukamoya lapho sizalwa kuNkulunkulu, lokhu kuyisixhwayiso kithi ukuba singabudeleli. Singagcina sifana noEsawu, owahluleka [KubaHeberu 12:16]

### **Ukuhamba emoyeni.**

KwabaseGalathiya 5:16 uthi, "Kepha ngithi: Hambani ngoMoya, khona aniyikufeza izinkanuko zenyama".

KwabaseRoma 8:1 uthi, "Kanjalo akusekho ukulahlwa kwabakuKrestu Jesu, abangahambi ngenyama kodwa ngomoya".

Ukuhamba ngomoya kuyinto elula, kodwa indlela ehlukile yokuphila nelula engiyaziyo yokulunga kuNkulunkulu nsukuzonke. Kuwuhlu oluhamba kanje:

1. Uyaqhubeka ukubheka eZwini likaNkulunkulu [isibuko] futhi ucele uNkulunkulu ukuba akukhombwe ukuthi uphile kanjani. Cela Yena, ufune ukuthi ngabe yini isimiso sempilo yakho. Ungathatha kanje, sithi ungaqambi amanga, uphathe kahle abangane bakho ngothando, ulalele abazali bakho nothisha, uphathe abafowenu nodadewenu ngokulunga, ungasakwazi, ungazifuneli okwakho, ungathukutheli, xolela njalo noma ngabe kunjani, njalo njalo.

2. Uphokophelele ukuphila lempilo uNkulunkulu afuna uphile yona, wazi ukuthi kuphela nguNkulunkulu ongakuhambisa kulempilo efunwa yiNkosi.

3. Uma uhluleka, futhi uzohluleka, thembeka kuwe ngokuphelele, kuNkulunkulu nabanye onabo. Phenduka [jika] ngokushesha. Isithembiso wukuthi uma siphenduka [sijika] uMbuso weZulu ususondele, noma usufikile kithi.

4. Vuma isono sakho kuNkulunkulu. 1NgokukaJohane 1:9 uthi, "Uma sivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kuko konke ukungalungi".

5. Vuma lokhu Izwi likaNkulunkulu lisho khona ngesimo sakho ngendlela ehambisana neZwi, isibonelo, KwabaseGalathiya 2:20 usho kanje, "Akuseyimi ophilayo, kepha uKrestu uphila kimi; kodwa ukuphila engikuphilayo kalokhu enyameni ngikuphila ngokukholwa, okungukukholwa yindodana kaNkulunkulu eyangithandayo yazinikela ngenxa yami".

## ***Isahluko 6-Hamba***

6. Kanjalo uma uqhubeka ukuziphatha ngalendlela ukuziphatha kwakho okudala esonweni kuqala ukushabalala. Umusa kaNkulunkulu uba ngaphezu kwakho ukunikeze isimilo sikaNkulunkulu kunesimilo sakho esidala.

7. Umusa ukhona esonweni sakho. Awubimuhle kuNkulunkulu ngezinto ozenzile, ngako ukuthembeka kwakho kusekhona lapho, kuphela kunokungcola kukho.

Lapho usahamba emoyeni, uNkulunkulu uveza umusa wakhe ngamaphutha akho, asuse isijeziso sesono esasifanele usihlupheke, akunike isibusiso owawungasilindanga.

8. Akusho ukuthi umusa uza ngoba sewonile, futhi nokuthi uNkulunkulu ukunika isibusiso owawungafanele ukusithola, kodwa lomusa owamukelayo eqinisweni ungamandla asusa isono [noma lenkinga obunayo] owawulwa naso kwasekuqaleni. Bheka kuZakariya 4:7 yena othi, "Ungubani wena ntaba enkulu? Phambi kukaZerubabele uyakuba yithafa; uyakukhipha itshe eliyinhloko ngokumemeza ukuthi, 'Umusa mawube kulo!'" uNkulunkulu ukhuluma "umusa" esimeni sakho, ngisho nentaba iyakhwesha!

uDavide wayebizwa ngendoda esenhlizweni kaNkulunkulu, ngisho nanoma esephinge noBatisheba wabulala u-Uriya. Ungazithola usesimeni esinjalo. Uma kunjalo, ufanele ukhumbule ukuthi uDavide akavumanga kuphela isono sakhe kuNkulunkulu, kodwa njengoba kulotshiwe ngokuphenduka kwakhe ku-Mahubo 51, ucele uNkulunkulu ukuba amnike inhliziyu emsulwa nokuba avuselele umoya okahle ngaphakathi kwakhe. uNkulunkulu uyazi iqiniso uma ufuna ukutshintsha ufane noDavide akwenza.

### **Izwi liyasahlulela. Ufanele ubheke esibukweni.**

KaJakobe 1:23-25 uthi, "Ngokuba uma umuntu engolizwayo izwi engesiye olenzayo, lowo ufana nomuntu obuka ubuso bakhe bemvelo esibukweni; 24 ngokuba uyazibuka, amuke, akhohlwe masinyane ukuthi wayengonjani. 25 kepha obukisisa emthethweni ophetheleyo wenkululeko nohlala kuwo, engesiye ozwayo nje akhohlwe, kodwa engowenzayo asebenze, lowo uzakuba ngobusisiweyo ekwenzeni kwakhe".

Izwi likaNkulunkulu lingumahluleli wethu njengesibuko singumahluleli wethu. Siyasibheka sisitshela iqiniso ngokulungile nokungalungile. Kodwa singakubona ukungqola ebusweni bethu, sikwazi, singakunaki sikhohlwe ngakho. EkaJakobe isitshela ukuthi singenza okufanayo uma sibheka Izwi likaNkulunkulu. Singakubona esifanele sikwenze, kepha sihambe kwangathi asikaze sakubona. Uma lomuntu olalelayo ebusisiwe, ngako lona ongalaleli uqalekisiwe.

### **Ukulalela Izwi kuyinto enamandla kakhulu!**

## ***Isahluko 6-Hamba***

1. Kona uku"thatha isiphambano sakho," kuqedelela isisvumelwano sakho segazi kukubeke ngaphansi kwezandla zokunaka zikaNkulunkulu.

2. Lokho kumsusa ngokuphelele usathane ezintweni zakho. Uyolokhu ezama ukukulimaza, izinto ezimbi ziyobonakala zenzeka, kodwa soze zakulimaza. NgokukaMathewu 7:24-27 uthi, "24"Ngalokho yilowo nalowo owezwa lawa mazwi ami, awenze, uyakufaniswa nendoda ehlananiphileyo eyakha indlu yayo phezu kwedwala. 25 Layithela imvula, kwafika izikhukhula, kwavunguza imimoya, yayishaya leyondlu; kepha kayiwanga, ngokuba yayisekelwe yidwala. 26 Kodwa yilowo owezwa lawa mazwi ami, angawenzi, uyakufaniswa nendoda eyisiwula eyakha indlu yayo phezu kwesihlabathi. 27 Layithela imvula, kwafika izikhukhula, kwavunguza imimoya, yayishaya leyondlu, yawa, kwaba kukhulu ukwa kwayo!"

3. Kulungiselela ingunaphakade yakho. Uma uqhubeka ulalela, noJesu uqhubeka njalo ngokukunika Umoya Wakhe abuye azenze abe yiqiniso kuwe. Futhi, kubakhona okwenzeka ngaphakathi kwakho emva kwesikhathi okukuhlukanisa nokwasemhlabeni kukwenze ube seduze noJesu. Uma ufika eZulwini, uyokuba nesihlalo eduze Kwakhe ngunaphakade!

4. Njalo kunesinxephezelo ekulaloleni Izwi Lakhe. NgokukaJohane 14:23 usitshela ukuthi isinxephezelo sethu ubukhona Bakhe kithi. uJesu usiholela ebukhoneni Bakhe lapho siyokwazi ingunaphakade, siba ngabahlanganyeli bemvelo engcwele!

5. Uba yisigqila salowo omlalelayo, Kungaba nguJesu noma ngomunye okhona? KwabaseRoma 6:16 uthi, "Anazi yini ukuthi lowo enizinkela kuye ukuba nibe yizinceku zokumlalela, niyizinceku zakhe enimlalelayo, noma ezesono kube ngukufa noma ngezokulalela kube ngukulunga, na?"

Ukuthembeka kuNkulunkulu akukho ekwesabeni ukuthi uzokulimaza uma ungamlaleli; kusekubeni neqiniso lokuthi uyamthanda Yena futhi ufuna ukumjabulisa. NgokukaJohane 14:21 uthi, "Lowo ozwa imiyalelo Yami futhi ayilandele, unguloye ongithandayo Mina. Lowo othanda Mina uzothandwa nguBaba, nami ngizomthanda ngizibonakalise kuye."

Uma ufuna ukubona ukuthi ngubani othanda uNkulunkulu, bhekisisa ukuthi ngubani oyeka eyakhe indlela ukuze alalele uNkulunkulu!

Manje ake sibheke esibukweni, [Uyacelwa ukuba ubuyele ku-Uhlolo lukamoya kusahluko Umfula ogobhozayo.]

## Isahluko 7

### Yima

Ukewathenga into esitolo yangasebenzi ngendlela yakhona wasuzama ukuyibuyisela emuva esitolo? Yilokhu amakholwa amaningi akwenzayo.

Bayazizwa lendaba ezimnandi bangalindi isikhathi esanele ukuze babone iqiniso empilweni zabo, baphindisela indaba ezimnandi njengento engasebenzanga!



Kwesinye isikhathi kunzima ukukholwa iqiniso esingeke silibone noma silizwe ngemizwa yethu eyisihlanu yemvelo. Kungeke kwaba khona mpumelelo ngaphandle komzukuluzuku.

Kufanele sazi ukuthi siphila endaweni yesitha. Inhloso yesitha ukugcina abalahlekile babe ngalahlekile baye esihogweni. Inhloso yaso ngamakholwa ukuwahehela embusweni wasemhlabeni nohlelo lwawo lwemali, imidlalo, amandla, udumo, njalo njalo.., ukuze amakholwa angaboni ukuthi angaphila eMbusweni ophakeme, uMbuso kaNkulunkulu. Usathane akasebenzisi "okubi" ngaso sonke isikhathi ukusilinga, kwesinye isikhathi usebenzisa izinto e"zikhale" zasemhlabeni ukusitshontsha eMbusweni kaNkulunkulu. Usathane usebenzisa izimo nemicabango ukusikholisa ukuthi asiHLALANGA noKrestu, nokuthi singaHAMBI njengoba ehamba nokuthi siyeke ukuzama nokuMA ezithembisweni. Siyizindlalifa eMbusweni kaNkulunkulu, manje kungani siphile njengalabo bantu abangezona?

Ukumelana namaqhinga kasathane.

KwabaseEfesu 6:11 uthi, "Hloma ngazo zonke izikhali zikaNkulunkulu ukuze ukhone ukumelana namaqhinga kasathane."

Manje siyakuzwisisa ukuhlala [singobani kuKrestu], kanye nokuHamba [ukuphila impilo efanele inkosi], silungele impi kamoya, ebizwa ngokuthi ukuMa.



## Ukunqoba

phezu kwesitha!  
Uhluliwe usathane

Indlela kaNkulunkulu yokunaka zonke izidingo zakho wukukunika isithelo kulembewu Yezwi. Isu likasatane lokuvimba lesithelo wukutshontsha lembewu noma/wukwenza ingazali isithelo. Ukuma yisinyathelo esiphelele ekuzaleni imbewu empilweni yakho. UkuMA kwalabo kuphela abakhonile ukuHLALA noku HAMBABA. Ukuma kusho ukubambelela ekuzithobeni, ekuthembekeni, ekuqiniseleni, nokukhuluma amazwi okukholwa nanoma isimo sibhekeka sisibi kanjani noma wena uzizwa ungasakhoni. Lokhu kusho ukwenza lokho okufunde ekuHlalani nasekuHambeni nsukuzonke.

### **Nayi indlela okusebenza ngayo:**

uJesu wayefundisa abafundi bakhe kuNgokukaMarku isahluko 4. Wabatshela ukuthi isimanga [akusiso esinye sezimznga, kodwa isimanga] soMbuso kaNkulunkulu sikulomfanekiso. Wababuzisa kuvesi 13, "Wayesethi kubo, 'Aniwazi lomfanekiso na? Manje niyoyazi kanjani yonke imifanekiso?'" uJesu wasebenzisa lomfanekiso womlimi njengesibonelo sembewu ehlanyelwayo, ukuchaza nokwambula isimanga sezwe elingabonakali. NgokukaMarku 4:9-11 uthi, "Wayesethi kubo, 'Loyo onezindlebe zokuzwa, makezwe.' kwathi lapho eseyedwa, labo ababenaye, nabafundi bakhe abayishumi nambili, bambuzisa maqondana nalomfanekiso. Wayesethi kubo, 'Nina ninikezwe ukwazi imfihlo yoMbuso kaNkulunkulu. Kepha kulabo abangaphandle, konke kuyimifanekiso nje.'"

### **Umbuso kaNkulunkulu wonke usebenza njengalomfanekiso.**

uNkulunkulu uhlanyela imbewu yeZwi Lakhe enhlizweni zethu [akubhekwa simo senhliziyo zethu]. Lenhlanyelo imele zonke izinhloso zika Nkulunkulu empilweni zethu, kusukela ekuzalweni kabusha, kuya ekugcwalisweni ngoMoya, kuye ekuphilisweni emzimbeni nasengqondweni, kube wukunothiswa, isilethe ebuhlotsheni boqobo empilweni, nakho konke uNkulunkulu asidalele khona. Konke kusebenza ngembewu yeZwi ehlanyelwe.



**NgokukaMarku 4:14-20 uthi, "Umhlanyeli uhlanyela Izwi.** Lena yilena ewele eceleni kwendlela. lapho izwi lahlanyelwa khona. Lapho bezwa, usathane uza ngokushesha athathe lelizwi elihlanyelwe enhlizweni zabo. Lena yilena ngokufanayo iwele emhlabathini onamatshe; yilabo, uma bezwa izwi, balimukela ngokushesha bejabulile. Kepha abanazimpande kwabona, balimukela okwesikhashana. Kuthi emva kwesikhashana lapho kufika izinhlopheko nezilingo ngenxa Yezwi. Bacasuke kalula. Lena yilena ewele emeveni; labo uma bezwa Izwi, kuthi ubuhle basemhlabeni, nokudukiswa yimicebo, kungene nenkanuko yezinye izinto zasemhlabeni, kuvimbe Izwi, libe lingasakhoni ukuzala isithelo. Lena yilena ewele emhlabeni omuhle, abazwa Izwi balimukele, bazale izithelo, eyodwa izale amashumi amathathu enye ayisithupha, enye ikhulu lezithelo".

**Qaphela ukuthi usathane utshontsha Izwi.** Lesi yisona kuphela isikhali usathane asisebenzisa kubantu; ukutshontsha Izwi noma ukusenza singaliboni Izwi [2KwabaseKorinte 4:4]. Noma ngabe ngubani ongamukela Izwi likaNkulunkulu, uzosindiswa aye ezulwini. Noma ngabe ngubani oyomukela akholwe Izwi likaNkulunkulu, uyokwenzwa apheleliswe, izidingo zakhe ziyofezwa, nempilo yakhe iyohleleka kahle. Usathane akakhoni ukulimaza lowo okholwa Izwi likaNkulunkulu. Uloku ezama ukubalinga, uyakhona ukwenza izimpawu kubo ezenza kwangathi Izwi alinaqiniso, kodwa soze akulimaze uma uzinikele ngokuphelele Ebukhosini Bezwi, obunguJesu woqobo!

Sohlala njalo sidinga ukunqoba ubunzima, kodwa siyohlula siqobe. Lendlela esinqoba ngayo, umphumela, kungumsebenzi kaNkulunkulu. Kuvamile ukuthi izinto zingasebenzi njengamasu ethu. Nanoma kanjani, singamethemba Yena kuzo zonke izinto!

**Uma usathane angakhona ukukwenza wenze njengemvelo yakho endala [yenyama] neyomhlaba, angazitshontsha izithembiso zika Nkulunkulu kuwe.**

kwabaseGalathiya 5:19-21 uthi, "Manje imisebenzi yenyama isibonakalisiwe, okuwubufebe, ubuphingi, ukungcola, inkanuko, izithixo, ubuthakathi, inzondo, ukulwa, umona, inthukuthelo, ukuphikisana, ukwahlukana, ukukholwa okungesiko, umhawu, ukubulalana, ubudakwa, ubuminzi, nobunye ububi obunjalo; ngalokho ngakuxhwayisa kwakudala, njengoba ngasho kwasekuqaleni, ukuthi labo abenza into ezinjengalezi abasoze bawubona uMbuso kaNkulunkulu". [Imbewu Yezwi elizala isithelo empilweni yakho]

Kanje, ngendlela elula, enjengoyomntwana ekubhekeni izikhali zikamoya, 'ke sibheke usathane nalesikhali sakhe esisodwa nokuthi senza njani lapho ahlasele.

## **Isahluko 7-Yima**

Ukuma, noma izikhali zikamoya, azibekelwanga abagcotshwa bakaNkulunkulu asebehambe noNkulunkulu iminyaka engamashumi amabili. Qha, zibekelwe wonke umntwana kaNkulunkulu; noNkulunkulu ukwenza kube lula kithi ukusebenzisa lezizikhali ngamandla nangentando Yakhe. Akudingekile ukuthi sibe ngompetha. Khumbula, uNkulunkulu unika umusa kwabalungile. KaJakobe 4:6 uthi, "Kepha unika umusa owanele. Ngalokho uthi, uNkulunkulu uyabengqaba abazaziyo, kepha unomusa kwabazithobile".

### **Kunendlela uNkulunkulu ayisebenzisayo ukuletha intando Yakhe emhlabeni.**

Ukuguqula izinkinga zethu zibe yizibusiso kuthatha isikhathi kuthathe nokubekezela kwethu ekubambeeleni esithembisweni nanoma kungasathembisi.

KuNgokukaLuka 19:11-13 abafundi Bakhe bacabanga ukuthi uMbuso kaNkulunkulu uza emhlabeni khona manje, ngangokuthi zonke izinkinga zabo ziyokupheliswa ngosuku olulandelayo. Wafundisa abafundi Bakhe isifundo enzela mina nawe

"Kuthe lapho bezwa lezi zinto, waphinda washo omunye umfanekiso, ngokuba babe seduzane nase Jerusalema, nangokuthi abafundi babecabanga ukuthi uMbuso kaNkulunkulu usuzokwehla khona manje. Ngakho-ke wayesethi, Kwakukhona indoda ehloniphekileyo eyahamba yaya ezweni elikude ukuyokwamukela ubukhosi, yayizophinda ibuye. Yayisibiza izisebenzi zayo eziyishumi, yabanikeza opondo abayishumi, yayisithi kubo, lindani ngize ngibuye" [NgokukaLuka 19:11-13].

Wabatshela ngomfanekiso wenkosi eyaya ezweni elikude ukuyomukela ubukhosi iphinde ibuye ngokushesha. Yabiza izisebenzi zayo yanika loye naloye isamba semali engalingana imiholo yezinyanga ezine [opondo abayishumi]. Wabatshela ukuba bahlale aze abuye. Iningi labo alihloniphanga izwi layo.

### **Kwaba nenhlobo ezine zabantu mhla ibuya.**

1. Iqembu lalabo abaphikisana nezwi layo bangafuni ukutshelwa unoma ngabe wubani ababulawa lapho ibuya.

2-3. Iqembu lalabo abahlala noma abasebenzile bahweba ngalemali. Mayelana nokuphumelela kwabo, banikezwa enye imali futhi baphiwa ubukhosi ngaphezu kwamanye amadolobha amaningi.

4. Iqembu lalaba abangazange basebenza ngoba becabange ukuthi lenkosi ingumuntu okhohlakele ozobajezisa lapho ibuya. Kubo akubanga ukuthi bangatholi zipho kuphela kodwa nemali yenkosi yathathwa kubo. Yisebenzise noma lahlekelwa yiyo!

## **Isahluko 7-Yima**

Lisho ukuthini leligama hlala? Leligama hlala lisho ukwenza umsebenzi, ukuhweba noma ukwenza inzuzo. Ukusebenza uma silinganisa kusho ukuthatha into engasebenzanga noma ukusebenzisa okungasebenzanga, ukulungise kubeyigugu noma kusebenziseke kulethe inzuzo uma ukuthengisa. Kusho ukuguqula noma ukutshintsha into uyenze ibe nenzuzo. Lokhu kusentshenziswa ebhayibhelini kuchaza abantu abenza umsebenzi, abafuya izinkomo nezinye izinhlobo zomsebenzi ongaba muhle noma mubi.

KuZaga 3:13-18 uthi, "Ubusiwe umuntu othola ukuhlakanipha, nomuntu othola ukuzwisisa. Ngokuba inzuzo [okuthengisayo noma onakho] kukho incono kunesiliva, futhi kukhiqiza ukwedlula igolide elicolisiwe; kuhle ukwedlula itshe lerubi; nazo zonke izinto ongazifisa zingelingani nakho".

**Kufanele siguqule izinkinga zethu zibe yinzuzo.** Masithathe lokungalungi kwenkinga senze umsebenzi kuze kuthi ngakho ukungalungi kulethe izibusiso. Elinye igama lalokho, ukuxolela, okusho ukuguqula into ekubeni yisitha ibe ngumngane.

**Lemali lena inkosi yanika izisebenzi zayo yayiyinxenye yempahla yayo.** Ngiyakholwa ukuthi impahla Yayo ngamandla ayo okuvuka lawo eyasinika wona ngoMoya Ongcwele. uJesu akanazo izinto ezimbi angasinika zona, nanoma sinezinqumo ezingaphelele okudingeka kuzo ukusebenza kwamandla esiphambano Sakhe. Ngiyavuma, ukuthi lokhu yikhona asinika kona. Singabona lezinhlupheko kwangathi zivela esitheni, futhi ngendlela eziningi ezahlukeni kunjalo, kodwa uJesu ufuna sizibone njengezinto ezingalungisiwe Nguye njengezinqumo zethu ezingaphelelanga. Sivumela amandla akhe okuvuka ukuguqula izitha zethu zibe ngabangane, incithakalo yethu ephenduke itshe legugu, iziqalekiso zethu ezaphenduka izibusiso.

KwabaseKolose 1:20 uyakufakaza lokhu, njengoba ethi, "Ngoba ngaYe ukuxolela [ukuzihlobanisa] zonke izinto kuKuye, Ngaye, noma yizinto zasemhlabeni noma yizinto zasezulwini, ngoba wenza uxolo ngegazi Lakhe esiphambanweni".

### **NgokukaMathewu 25 wambula lesisimanga.**

Umfanekiso wamaThalenta. NgokukaMathewu 25:14 unika umfanekiso ofanayo njengo NgokukaLuka 19. Umnini wahamba, washiya imali emva kepha ezobuya.

Izintombi ezihlakaniphileyo neziyiziwula: NgokukaMathewu 25:1 usitshela ngeziyisihlanu eziyiziwula ne 5 ezihlakaniphileyo. Umehluko lana wukuthi lezi eziyiziwula azizange zilinde isikhathi esanele lapho umkhwenyana eshiywe yisikhathi esithembisweni sakhe. Izintombi eziyiziwula aziphathanga amafutha anele ukulinda isikhathi esanele.

Ubuntombi busho ukuthi bagcina izono zabo zihlanziwe phambi kweNkosi. Ngalokho bonke babengamakholwa. Umahluko wukuthi uhlakaniphile noma uyisiwula. Ukuhlakanipha ukuzwa Izwi likaNkulunkulu. Isibani kuyokuba Izwi likaNkulunkulu [Amahubo 119 & Izaga 6:23] amafutha kube wuMoya ongcwele. Uma konke lokho kuhlangukiswa kuba ukuqiniseka, ukuzithoba, amandla okubambelela nezithelo zikamoya. Kanjalo bayazi ukuthi Inkosi yabo iyeza ukuzobasindisa nanoma lonke ithemba seliphelile kubantu. Bayokubambelela kulokhu uJesu akuthembisile nanoma kwenzekani. Inkosi izokubuya manje, kulesimo sakho ukuzoguqula izinkinga zibe yizibusiso. Lezintombi ezihlakaniphileyo ziyayazi iNkosi yazo. Ngiyabezwa bethi, "Anginandaba nanoma ngabe akasheshi, uhloniphekile futhi uzithobile, uyokwenza akuthembisile. Soze wangilahla noma wangishiya". Izintombi ezihlakaniphile zahlala zibambelele kuNkulunkulu naseZwini Lakhe nakuMoya ongcwele ngendlela ephakeme ngokuthi kwakungekho okungabasusa lapho.

### **Manje kuyini lokho kuhlakanipha?**

Ukuhlakanipha wukwazi nokuncika eqinisweni lesiphambano sika Jesu ukuthi sathatha bonke ububi nakokonke sakuguqula isibusiso. Umthetho wasemhlabeni [gravity] uthi konke okuya phezulu kufanele kubuye phansi. Umthetho womoya wokuphila okuKrestu uJesu [KwabaseRoma 8:1] uthi konke okubi kunqotshiwe, manje sekuyibusiso, Uma ukholwa. Ithi futhi akusekho ukwahlulelwa uma uhamba ngokoMoya, njengoba sesichazile.

Ukuhlakanipha ukwazi ukuthi zonke izinto zahlanjululwa ngesiphambano. Kungabi ngabantu bodwa, kodwa zonke izinto. "Futhi Ngaye owenza ukuthula ngegazi esiphambanweni Sakhe, kwaxolisa uBaba ukuhlambulula zonke izinto Kuye ngenxa Yakhe, noma izinto zasemhlabeni noma izinto zasezulwini". [KwabaseKolose 1:20]

Ukuhlambulula yigama elinamandla. Strong's concordance [2] ikubiza ngo "ukubuyisela emuva ububona bokuthula." Kuchazwa njengo "ukulungisa, ukwenza into ibuye isebenze, noma ukuletha ukuthula phakathi kwamaqembu noma imibono emibili eyahlukene". [Vines Bible Dictionary](#) (3) ikuchaza "ukuguqula ukuxabana kube wubungane". Isiphambano sikaJesu siguqula zonke "izitha" zethu, noma zingaba ngabantu, amadimoni, izimo, ukugula, ukuswela, noma ngabe yini, kube ngumngane. Lokhu ukuhlakanipha! uKrestu wabethelwa!

2KwabaseKorinte 5:18 uthi, "Konke lokhu kuvela kuNkulunkulu, owasihlambulula Kuye ngoKrestu wasinikeza ubuholi bokuhlambulula"

## *Isahluko 7-Yima*

Lobu ubuholi bethu emhlabeni, ukuthatha zonke izitha zethu empilweni zethu, sizicwilise egazini nesiphambano sikaJesu Krestu, siziguqule zibe ngabangane. Ngingakutshela ngeZwi likaNkulunkulu nangolwazi lwami, ukuthi lokhu kuyiqiniso, kuyasebenza, uma ungakhona ukuma.

Ukuhlakanipha ukwazi ukuthi igazi likaJesu lamehlula usathane. Kusho ukuthini ukumehlula usathane? Lisinika kanjani igazi likaJesu amandla? "Ngokuba abantwana banegazi nenyama, wahlanganyela nabo ekubeni ngumuntu ukuze kuthi ngokufa Kwakhe anqobe lowo onamandla ngokubulala--okusho ukuthi, usathane--akhulule labo empilweni yabo abayizigqila zokwesaba ukufa".[KumaHeberu 2:14-15]

"Manje uma safa noKrestu, siyakholwa futhi ukuthi sizophila kanye Naye. Ngoba siyazi ukuthi kusukela uKrestu wavuswa kwabafuleyo, angeke asafa futhi; ukufa kwaqedwa amandla esiphambanweni"[KwabaseRoma 6:8,9].

Leligama, qeda lichazwa ku Strong's concordance[2] kanje:

1]Ukungabi namandla, ukungasebenzi, ukungakhoni, ukungenzi lutho.

1a] Ukwenza umuntu noma into ingasabi nekhono lokwenza lokuqhubeka.

1b] Ukuqeda umfutho, imfundiso, amandla.

Mzukwana uJesu nawe nami avuswa ekufeni, sazalwa kabusha njengenhlobo entsha engasabuswa wusathane. Akasenamandla kithi. Sinamandla kuye.Usathane wasebenzisa onke amandla akhe kuJesu esiphambanweni, uJesu wavuswa emva kwalokho. Usathane akasenawo amanye amandla okuwasebenzisa. Uphelwe ngongakusebenzisa nezikhali.

Usenawo amandla kwabangakhohla, futhi angasamkhohlisa nokholwayo, kodwa uma silazi iqiniso, angeke asakhona ukusilimaza futhi. Njengalokhu esineqiniso ngakho, akasenamandla. Uma sima eqinisweni, konke usathane akwenzayo kungukusikhohlisa nje kuphela. Usathane akanamandla kulendalo entsha; lokho kufaka wena nami!

"Futhi uyinhloko yomzimba, ibandla; ungowokuqala nezibulo kubo bonke abafuleyo, ukuze abe namandla kukho konke"[KwabaseKolose 1:18]

**KuJobe isahluko 28 kukhombisa ukuthi ukuhlakanipha kutholakala ekuhluphekeni.**KuJobe 28:12 uthi, "Kepha kuyotholalaphi ukuhlakanipha? futhi iphi indawo enokuqonda?"

## **Isahluko 7-Yima**

Impendulo, ngiyethemba, kukhomba ukuthi lapho inyama yethu ifa, uma singena ezindaweni ezimnyama "zokufa", kuyilapho singathola ukuhlakanipha koqobo. EkaJobe 28:22 uthi, "Ukubhujiswa nokufa kuthi, ngezindlebe zethu sizwile amahemuhemu akho". Izaga 11:2 zisekela lokho lapho zithi, "Uma ukuziqhenya kuza, kuza nehlazo: kepha kwabazithobayo kukhona ukuhlakanipha".

**Lona ngumbhalo wempilo.** Kufanele sikwazi ukuthi sikuphi kuwo. Kuzokwenza sikuzwisise ukuhlupheka. Yebo, uJesu uzoza lapha emhlabeni ngelinye ilanga, kodwa uzokuza kuwe manje futhi, ukuzoguqula izinkinga zakho zibe yizibusiso.

Isibonelo esihle saloluhlobo lokunqoba nguDaniyeli emphandwini wamabhubesi, kuDaniyeli isahluko 6. uDaniyeli ubelandela uNkulunkulu ngokuphelele yingakho ehlaselwa yizitha zikaNkulunkulu. Ekubeni avikelwe emphandwini wamabhubesi, wanqoba emphandwini wamabhubesi. Isiphetho kwaba wukuthi izitha zakhe zahluleka.

"Njengokulawula kwenkosi, lamadoda aqamba amanga ngoDaniyeli amthwesa icala, inkosi yawabiza, alethwa, ase aphonswa emphandwini wamabhubesi, kanye nemindeni yawo yonke. Kuthe besengakafinyeleli endaweni ephansi yomphandu, amabhubesi abahlangabeza abaphula onke amathambo badliwa. Kwase kuthi inkosi uDariyusi wabhalela bonke abantu, izizwe, nabantu bezilimi ezahlukene kulo lonke izwe: 'Ukuthula makwande kini! Ngikhipha isiyalezo esithi kuyo yonke indawo yombuso wami bonke abantu bahloniphe futhi bakhonze uNkulunkulu kaDaniyeli. Ngokuba unguNkulunkulu ophilayo futhi ophila phakade; umbuso wakhe soze waphela, ukubusa kwakhe soze kwaphela. Uyatakula futhi uyasindisa; wenza izimpawu nezibonakaliso emazulwini nasemhlabeni. Usindise uDaniyeli emandleni amabhubesi'. Ngakho uDaniyeli waduma esikhathini sombuso kaDariyusi kuze kube sesikhathini sombuso kaKoresi umPhereshiya" [uDaniyeli 6:24-28]

Ngiyangabaza ukuthi uDaniyeli ngabe waduma, nokuthi izitha zakhe zazinganqotshwa uma ngabe akangenanga emphandwini wamabhubesi.

### **Ingabe senzani ngesikhathi sokulinda?**

Ukuma kudinga senze okuthile, akufanele silinde nje. KumaHeberu 6:12 kuthi, "Asifuni ukuba nivilaphe, kepha nifane nalabo ababayizindlalifa zesithembiso ngokukholwa nokuzithoba".

Kufanele sibugcine "ubuthina." Kusho ukuthi, sifanele sihlale sihlanzekile phambi kweNkosi. Kufanele singasivumeli isono ukwenaba, sifanele sivume izono zethu ukuze zihlanzwe kuNkulunkulu nakubantu.

## **Isahluko 7-Yima**

Ngiyakholwa futhi ukuthi ibhayibheli lisifundisa ukuthi ngalesisikhathi sokulinda, sifanele sisebenzise Izwi likaNkulunkulu njengenkamba. KwabaseEfesu 6:17b uthi, "Inkamba kaMoya yizwi likaNkulunkulu."

KumaHeberu 3:1 kusitshela ukuthi, "Ngakho-ke, bazalwane abangcwele, enihlanganyela ukubizwa kwasezulwini, qaphelani umPhostoli nomPristi omkhulu wesivumo sethu uJesu Krestu." uJesu uthatha ukuvuma kwethu akuyise kuBaba njengomPristi Omkhulu, noBaba abese ekubona lokho kufezeka, kuphela uma kungeZwi likaNkulunkulu. Nesitha naso sithatha ukuvuma kwethu kuso, okuphika iZwi, sifeze lokho okushiwo yithi.

Uma iZwi likaNkulunkulu livunywa bese kuthandazelwa umuntu noma isimo, linamandla! uJesu wenza konke ngeZwi Lakhe. uJesu uyiZwi. uJesu usinike imvume yokusebenzisa lelo liZwi kwangathi nguYe olishoyo!

NgokukaJohane 1:1-3 uthi, "Ekuqaleni kwakukhona uLizwi, lelo liZwi lalinoNkulunkulu, kanti leloliZwi lalinguNkulunkulu, ekuqaleni Yena wayenoNkulunkulu. Konke kwadalelwa Yena, ngaphandle Kwakhe ngisho nokukodwa okukhona kwakungeke kwabakhona."

Lapho amalsrayeli aziswa ngomkhosi wephasika ku-Eksodusi 12, batshelwa ukuba bagcobe igazi lewundlu elimsulwa eminyango yabo ukuze ingelosi yokufa [idimoni] "lidlule" ingabalimazi bona. uJesu uyiwundlu likaNkulunkulu, ke- nathi singagcoba igazi Lakhe eminyango yethu neyesibathandayo nalabo esibathandazelayo. Kanjani?

iSambulo 12:11 sithi, "Nabo uqobo lwabo bamnqoba ngegazi leWundlu nangezwi lobufakazi babo, futhi abakuthandanga ukuphila kwabo kwaze kwaba sekufeni."

Amazwi omlomo wethu ayakuligcoba igazi. Bhekisisa ku-Eksodusi 12 ukuthi njalo - nje uma igazi lewundlu lisesitsheni, alenzi lutho. Kodwa uma kuthathwa ihisophi, licwiliswe egazini, bese libhecwa emnyango, kuyilapho uNkulunkulu nedimoni bebona igazi. Ihisophi wutshani obuyikhula elijwayelekile obumganamsebenzi. Ke- namazwi omlomo wethu abhekeke kwangathi awalutho olungakanani, kodwa uma siwacwilisa eZwini likaNkulunkulu [elinguJesu uqobo] siwasebenzise njengegazi, uNkulunkulu uyawabona ngisho nosathane uyawabona.

**Uma sikhuluma iZwi likaNkulunkulu, uJesu uliyisa kuBaba amcele Kuye ukuthi lisebenze.**

NgokukaJohane 16:23 uthi, "Kusuka ngalelo langa aniyikucela lutho kimi, ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, Noma ngabe yini enizoyicela kuBaba ngegama Lami, nizokuphiwa yona"

Manje- ke singangena ekuphumuleni sivumele iZwi lenze umsebenzi.

KumaHeberu 4:1 uthi, "Ngakho-ke, isithembiso sibekiwe sokungena ekuphumuleni Kwakhe, masisabeni ukuthi kungabikho abangafinyeleli ekungeneni kukho".

KubaHeberu 4:12 uthi, "Ngoba iZwi likaNkulunkulu liyaphila futhi linamandla libukhali kunenkemba esika ndawo zombili, lihlaba ngisho ukuhlukanisa umphefumulo nomoya, namalunga kanye nomnkatsha, lihlolisisa imicabango kanye nenhloso zenhliziyi."

**Izingelosi ziqala ukusebenza lapho zizwa iZwi likaNkulunkulu.** Amahubo 103:20 athi, "Bongani uJehovah nina zingelosi Zakhe, nina maqhawe anamandla enenza okweZwi Lakhe nilalela ukukhuluma kweZwi Lakhe."

**Ayabaleka amadimoni!** Amahubo 149:5-9 uthi, "Abalungileyo mabathabe ngobukhosi, ukumphakamisa uNkulunkulu makube semlonyeni wabo, nenkemba esika nhlangothi zombili esandleni sabo, ukuba benze impindiselo kubo abezizwe nezijeziso kubantu[kumele izitha zethu zikamoya], babophe amakhosi abo ngamaketanga nabadumileyo babo ngezibopho zensimbi, bafeze phezu kwabo isahlulelo esilotshiweyo; kuludumo kubo bonke abangcwele Bakhe,Haleluya!

**Akasakhoni ukuma futhi usathane.**

KungokukaLuka 10:19 uthi, Ngininike igunya lokunyathela izinyoka nawofezela niwahlule onke amandla esitha; akukho okuyonilimaza nina."

**Isitha sinqotshiwe ingakaqali impi.** uJoshuwa 11:18-20 uthi, "uJoshuwa walwa isikhathi eside nawo onke lawa makhosi. Ngaphandle kwamaHivi wona ayehlala eGibiyoni, akukho nesisodwa isizwe esenza ukuthula nesizwe sama Israyeli, zonke lezo zizwe zabahlangabeza ngempi. Ngokuba kwakunguNkulunkulu uqobo owenza izinhliziyi zalawa makhosi [isitha] zibe lukhuni ukuba bahlasele amaIsrayeli, ukuze uIsrayeli azibhubhise nya zonke lezizwe, azishabalalise [isitha] angabi nazwelo, njengoba uNkulunkulu akuyala uMose. "

Qhubeka ucabange ngeyakho inkinga enkulu. Manje cabanga noma bheka esithembisweni seZwi likaNkulunkulu. Ketha khona manje. Yikuphi okungaguquka, futhi yikuphi okungaguquki?



## **Isahluko 7-Yima**

"Abantu mabakubonge, Nkulunkulu; zonke izizwe mazikudumise. Umhlaba uyakuthela isithelo sawo, futhi uNkulunkulu, uNkulunkulu wethu, uzosibusisa." [Amahubo 67:5,6].

### **Uhlelo 2-Igazi nomlilo**

Manje ngoba usuthole isiqalo esikahle, usuzodinga amandla okuqedelela lomncintiswano.

Ohlelweni lokuqala lwalencwadi, kulezahluko zokuqala eziyisikhombisa, Sifunde ukuthi kunethemba kulabo bethu abangatholi ithemba o"hlelweni lomhlaba." Sathola ukuthi singaphenduka [singatshintsha] ukusuka ekuthembeni umhlaba, uMbuso kaNkulunkulu uyoba usilindile ukusimukela [ukhona phakathi kwethu]

Sifunde ukuthi uJesu wafundisa encwadini kaMarku 4:11 isimanga soMbuso kaNkulunkulu sibonakala emfanisweni womhlanyeli. Wafundisa ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyimbewu, izinhliziyi zethu ziyinhlabathi, umphumela kuyokuba yisithelo.

Isithelo siyoguqula isimo sethu sibeyisimo sika Jesu, siyokwanelisa izidingo zethu empilweni, sisithumele ukuya ezweni elifayo silethe ubufakazi besithelo nempilo yaphakade kubantu.

Sifunde ngezigaba eziningi ngohlelo lwembewu ephenduka isithelo soqobo.

#### **Nansi indikimba kaKhula noma Yifa:**

- 1] Kufanele siphendukele eMbusweni kaNkulunkulu, neZwi, ukuze sithole- ISITHELO.
- 2] Kufanele sazi ukuthi singasondela kanjani kuNkulunkulu-okungu-MFULA OGOBHOZAYO.
- 3] Kufanele sazi ukuthi singaphuma kanjani noma sihlale kanjani ngaphandle kokuba -YIZIGQILA EZWENI LESITHEMBISO.
- 4] Kufanele sazi kancono ngesimo sikaNkulunkulu-UNGUBANI UNKULUNKULU.
- 5] Kufanele sizazi ngeqiniso ukuthi singobani kuJesu-HLALA.
- 6] Kufanele sithathe isiphambano sethu sihambe ngokuthembeka eZwini-HAMBA.
- 7] Sifundile esifundweni sokuMA ukuthi kukhona isitha sikamoya esiphikisana nalo lonke lolu hlelo, usathane nabalandeli bakhe okungamadimoni nobubi. sifundile ukuthi sidinga ukubekezela nesibindi sokuma kuze kufike isithelo. Eny' indlela yokukusho kahle yile, sifanele silinde iNkosi ukuza igcwalise isithembiso. "ukuze ningavilaphi, kepha nilandele labo ngokukholwa nokubekezela abazuza lokho okuthenjisiwe" [KubaHeberu 6:12]

## Isigaba sesibili-Igazi nomlilo

Ngiyambonga uNkulunkulu uma ulimukele loluhlelo esilinikezwa yiZwi likaNkulunkulu. Uma ukwenzile, uzodinga amandla empilweni yakho okuqedelela loluhlelo ukuze ubone ukuvela kwesithelo empilweni yakho.

Njengoba ngisho nezitshalo zidinga amanzi nomquba ukuze zibe namandla okuzala isithelo, nathi sidinga amandla. Isigaba sesibili simiselwe ukukunceda ukuze uzwisise ukuthi ungawathola kanjani lawamandla.

### Impilo yethu kuKrestu ayisiyisifundo, kepha umncintiswano womjaho.



Kukahle ukuqala umjaho, kepha kufanele sikwazi ukuthi sizoqeda kanjani. Bangingi abaqalayo kodwa bangawuqedi. Sidinga amandla okuqeda umjaho ngoba hleze singawuqedi. KubaHeberu 12:1 uthi, "Ngakho-ke ngokuba sijikelezwe yifu elikhulu lobufakazi, masilahle bonke ubunzima nesono esisigqilazayo, lapho sizogijima ngokubekezela lomjaho esibekelwe wona."

Umbhalo usitshela ukuthi lamandla esiwadingayo atholakala ku:

1. Esiphambanweni noma egazini likaJesu. "Ngokuba umbiko wesiphambano uwubuwula kwababhubhayo, kodwa kithi esasindiswa ungamandla kaNkulunkulu"[KwabaseKorinte 1:18]

2. Amandla asindisayo kaNkulunkulu. "Futhi lapho eseza, usathane wamlahla phansi, wamhlukumeza. Kepha uJesu wamkhuza umoya ongcolile, wamphilisa umntwana, wambuyisela futhi kumzali wakhe. Lapho bonke bamangala amandla kaNkulunkulu angaka" [NgokukaLuka 9:42a].

### **Isigaba sesibili-Igazi nomlilo**

3. Ukugcwaliswa koMoya Ongcwele. "Kodwa niyakwamukeliswa amandla lapho uMoya Ongcwele unehlela; futhi niyakuba ngofakazi Bami eJerusalema, nakulo lonke iJudiya neSamariya, nasekupheleleni komhlaba" [Izenzo 1:8]

uNkulunkulu akasishiyanga sodwa okwezintandane lapha emhlabeni ukuba sizondle size sife bese siya ezulwini. Ungowenzayo. Unendlela ayisebenzisayo yokusodla lapha khona manje, kodwa baningi abangayiboni lendlela Yakhe. "Soze nganishiya njengezintandane [abanganababa]; Ngiyeza kini"[NgokukaJohane 14:18]. Lapha uJesu wayekhuluma ngokuza kukaMoya ongcwele. Ezahlukweni ezilandelayo siyokhuluma ngokuthi uMoya ongcwele unamandla kangakanani okusivikela singabi yizintandane, labo abangenababa okungekho ncedo lwabo emhlabeni.

Isiphambano sikaJesu yisona esanqoba usathane sanika mina nawe ubunqobi.Lawo ngamandla. Uma sisebenzisa iqiniso lesiphambano lisinika amandla. Nanoma ngivuma, ukuthi iqiniso lesiphambano angeke lisebenze ngokuphelele empilweni zethu ngaphandle kwalamandla ashiwo ku-Izenzo 1:8, ukugcwaliswa koMoya ongcwele.

Isibonelo, amandla okusebenzisa amalambu endlini asuka kumshini wokuphehla okunguwona owakha ugesi[umlilo]. Ungema buqamama ubheke isixhumaniso sikagesi obondeni usithande ukwazi nokuthi sinomlilo[ugesil] kuso, kodwa kudingekile ukuba uxhumanise intambo yelambu kwesobondeni ukuze nawe uthole ukukhanya.

Kuzahluko ezimbalwa ezilandelayo sizobheka kulendlela ezintathu zokuletha amandla esezibaliwe ngaphezulu. Siyothola okuyiqiniso ngamandla esiphambano, futhi sithole ukuthi ungakwenza kanjani ukuba kusebenze empilweni yakho. Siyobhekisisa insindiso nokuthi ungakhululeka kanjani. Okokugcina sikhulume ngokubhaphathizwa ngoMoya ongcwele nokuthi ukwengeza kanjani amandla ngaphakathi.

## Isahluko 8

### Ukugijima umjaho

Esahlukweni sethu sokugcina sasikhuluma ngokuma, nesidingo sokubambelela njengesithako esinamandla sokholo nasekuzaleni isithelo. Lesisahluko siphinda sigqizelele ekudingekeni kokubambelela [ukunamathela]. Umbhali wencwadi yamaHeberu unikeza isixwayiso esiphilile kuwo wonke amakholwa ukuthi:

1. Siphakathi komjaho, umjaho odinga ukubambelela okuqinile.
2. Sisekubhujisweni okukhulu uma singabambeleli size siwuqede lomjaho.
3. Uma siwuqeda lomjaho kunomklomelo omkhulu osilindile.

Ngamany' amazwi, "Khula noma Yifa."

KumaHeberu isahluko 6 kukhulunywa ngokusuka emiyalweni yokuqala kaKrestu kuye endleleni yobundlalifa besithembiso ngokukholwa nokubambelela. Lesisahluko futhi sigqizelele ekutheni uma singabambeleli "singawa," besesifaka indodana kaNkulunkulu ehlazweni elikhulu. Ngokuba soze ngakhona ukuchaza konke umbhali ayenako engcondweni yakhe, kodwa kubhekeka kukuningi!

#### **KumaHeberu isahluko 12 kuchazwa ngokusobala ngesixwayiso!**

"Ngakho-ke nathi futhi, lokhu sinefu elingaka lawofakazi elisihaqileyo, masilahle konke okusindayo nesono esisithandela kangaka kithi, sigijime ngokubekezela kulokhu kuncintisana esikumiselweyo, sibheke kuJesu, umqalisi nomphelelisi wokukholwa kwethu, owathi esikhundleni sentokozo ayibekelweyo wathwala isiphambano engalinaki ihlazo, wahlala ngakwesokukunene sesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu " [KumaHeberu 12:1-2]

"Niqaphelise kungabikho osilelayo emseni kaNkulunkulu, funa kumile impande imbe ebabayo, inixube, kungcoliswe abaningi yiyo. Kungabikho oyisifebe noma odumazayo njengo-Esawu owathengisa ubuzibulo bakhe ngesidlo sinye nje. Ngokuba niyazi ukuthi, nokuba ngasemuva ethanda ukudla ifa lesibusiso, waliwa, ngokuba akalitholanga ithuba lokuphenduka, noma ekufunisisa ngezinyembezi" [KumaHeberu 12:15-17].

#### ***Isizathu sokuba kukhulunywe ngo-Esawu lapha kungoba kuyafana nesikuphilayo namuhla***

u-Esawu kwakunefa elimqondile. Sinefa elisiqondile. Njengoba ezahlukweni ezimbili zokuqala kukhombisa, samukela ifa lokuphila phakade likaNkulunkulu ngokukholwa nangezithembiso Zakhe ezikhula ezinhlizweni zethu njengembewu. Okufanele sikunake wukuthi kunesikhathi sezilingo, nezinhlopheko ngesikhathi sokuhlanyela imbewu nokuzala isithelo.

### **Isahluko 8-Amandla okugijima umjaho**

Lesosigaba sesikhathi sibizwa ngokuthi "Umjaho." Inkanuko ka-Esawu yenyama yathi, "Nje siyini lesithembiso nefa, ngifun'ukudla, manje." Uma singaqaphelisisi kahle singaba necala kuNkulunkulu lokuthi, "Sengikhathele ngalenhlopheko, ngikhathele ukulinda, angeke ngisakhona ukubekezela kuya phambili, manje ngiyayeka! Lento yokukholwa ayisebenzi." Ukulahla ithemba kunjengo-Esawu emukela ucezwana lokudla, elanelisa inkanuko yenyama yemvelo yakhe kuphela.

Kuyamangalisa ukuthola nokuthi u-Esawu akatholanga leyonhlobo yesishibo aye funa sona. Emibhalweni engenhla kuthiwa u-Esawu wayefuna inyama ebomvu noma isobhe lenyama ebomvu. Kepha uJakobe wamnika isobhe lwe-lethisi noma isobhe lwemifino. Akusi kuphela ukuthi u-Esawu walahlekelwa ifa lobuzibulo lodwa, kepha ngisho "nenkanuko yenyama yakhe" akaze yanela kulelo sobhe lwemifino!

"Wathi u-Esawu kuJakobe, ngicela unginike lona lelosobhe lwakho ngiyafa yindlala'. khona manjalo igama lakhe latshintshwa wabizwa ngokuthi ungu-Edomi."

"Wayesethi u-Esawu, 'Bheka, ngiyafa yindlala; lobu buzibulo bami bunginceda ngani?"

"Ngakho u-Jakobe wayesemnika lelo sobhe lwemifino; wadla waqeda ngokuliphuza lelosobhe, wasukuma, waqubeka nempilo yakhe. Ngaleyo ndlela u-Esawu walahlekelwa ubuzibulo bakhe empilweni" [uGenesis 25:30,32,34].

KuThestamente Elidala, njengesithunzi sokubonakalisa uJesu, onke amazibulo esilisa anelungelo lokuzalwa ukuba nguMpristi nenkosana kubo bonke. Ubuzibulo buyilungelo lokuba yinkosi noMpristi. u-Esawu walahlekelwa yilokho. Singalahlekelwa ubukhosi bethu nobuPristi uma singacaphelisisi kulomjaho,

#### **Isixwayiso.**

uEsawu akakhonanga ukuguqula emva kwalesisehlakalo, futhi siyayalwa ngaloluhlobo lokuziphatha ukuthi lingasingenisa ebuhlungwini obukhulu.

Siyaxwayiswa futhi kakhulu ukuthi masithembele emuseni kaNkulunkulu ukuze singangeni ebuhlungwini.

KumaHeberu 12:12-15 [Amplified bible] uthi, Ngakho-ke, bamba ubenamandla uqondise lezandla zakho ezixegayo ezibuthakathaka ezilengayo, uqinise nalamadolo akho axegayo.

13 Uhlukanise wenze kubemsulwa kubonakale kuhlobile, izindlela eziqondile ngezinyawo zakho [yebo, zenze ziphephe futhi ziqonde kube yizindlela ezijabulisayo eziya endleleni elungileyo], ukuze lamalunga angenamandla nabuthakathaka angahlukaniswa kumalunga awo, kodwa alapheke aphile.

### ***Isahluko 8-Amandla okugijima umjaho***

14 sebenzela ekwenzeni ukuthula nabo bonke abantu, ufune ukubusiseka nobungcwelengoba ngaphandle kwalokho akekho[angeke] ongayibona iNkosi

15 Lwela ukubona ingomuso uhlale ucapele ukuthi niphathana kanjani [omunye komunye]. ninakane ukuze kungabikho owayo lapho nohluleka ukufinyelela emuseni kaNkulunkulu [umusa Wakhe ongasentshezela nesibusiso sika moya], ukuze kungabikho impande embi [amagqubu, ukudabuka, noma inzondo] evelayo ilethe izinkinga nesihluku esihlukumezayo, futhi lapho iningi liyokonakala lingcole ngaleyompande--

Lapho "sigijima lomjaho" kunezikhathi lapho sizwa amadolo ethu kamoya nezandla kungacinanga kubuthakathaka kuxegaxega. lapho kusenza sifikelwe wukuphelelwa ngamandla sifise ukuyeka. Umbhalo usitshela ukuthi kukhona okufanele sikwenze. Umsebenzi wethu wuku "bambelela, ukubamsulwa nezindlela ezikahle" ukuze izinyawo zethu zikamoya namalunga kamoya angahlukaniswa afe kodwa aphile. Ngakho lokho kusho ukuqiniseka komusa kaNkulunkulu.

**Yini lokho okwenza sizwe amalunga ethu kamoya afikelwe wukhlukana?** yiyona ndlela uNkulunkulu asikhuza ngayo. Bheka lamavesi kuMaHeberu 12, usengakafiki esixwayisweni sezitho namalungu kamoya.

"Phezu kwalokho, sinabo obaba bethu benyama abasifundisile ngokusiqondisa, sabahlonipha. Sihlulwa yini ukuzimisela sihloniphe kakhulu ubaba womoya nomphfumulo na?" [KumaHeberu 12:9]. uNkulunkulu uzama ukusifaka endleleni azokhona ukusibusisa kuyo. Singahle sidinge indlela yokulungiswa lapho sihamba khona ezosibeka kude nokona, kude nezihibe size sihambe endleleni ekhanyayo. Kanjalo sizodinga ukutshintsha isimilo. Kungaba ukuxolela, wukupha, ukuthembeka kuhulumende ngokuqondene naye, ukukhokhela izikwelede nentela, ukuhlukana nesithixo esithile, ukutshintsha indlela empilweni nasezintweni esizenza njalo, njalo njalo.

Sizenza kanjani izindlela ezihlobile emoyeni ukuqinisa umusa kaNkulunkulu kithi? Eqinisweni akusiko esingazenzela thina ngemizamo yethu; ngokwethu angeke saenzela umusa kaNkulunkulu.

#### **Kungenzwa kanje.**

"Izwi Lakho liyisibani ezinyaweni zami nokukhanya endleleni yami" [Amahubo 119:105]

"Ngokuba wena wenze iNkosi, yaba yisiphephelo sakho, ngisho ophezu kukho konke abe yinqaba yakho; Akukho okubi okungakwehlela, ngisho nesifo endlini yakho.

### ***Isahluko 8-Amandla okugijima umjaho***

Ngokuba uyakulawula izingelosi zikuvikele, ukukugcina kuzo zonke izindlela zakho. Ziyokukuthwalela phezulu ngezandla zazo, ukuze ungaqhuzuki ngonyawo lwakho entsheni"[Amahubo 91:9-12,KJV]

Ukuhlala unamathele eZwini likaNkulunkulu ngomoya ongcwele kuyokwenza izindlela zakho zikhanye. KuZaga 3:5-6 uthi futhi uma "sazi" iNkosi ngokukholwa iyokusiqondisa izindlela zethu.

**Nazi izibonelo zeqiniso zabantu abalahlekelwa yithemba.**

**Kuvame kakhulu lapho kuba nezinkinga eziningi , noma injabulo enkulu.**

**Isibonelo 1-izinkinga eziningi.**Kukhona indoda engiyaziyo "eyalahla ithemba." Ayilahlanga ithemba ngokuphelele kuNkulunkulu, ngakho yacabanga, kodwa ayizange ikholwe ukuthi "indaba yokukholwa" iyasebenza ngokweqiniso. Izinhlupheko nokuzingelwa kwanda, nembewu wayithatha usathane njengoba kulotshiwe ku-NgokukaMarku 4:17, lapho kuthi, "akunazimpande kubo , kanjalo babamba okwesikhashana. Ngokuhamba kwesikhathi , lapho ukuhlupheka nokuzingelwa kwanda ngenxa yeZwi, ngokushesha bavele balahle ithemba"

Umpfumela kwaba wukuthi emoyeni aphelelwe ngamandla, waba kude noNkulunkulu nakho konke okokukholwa, ngisho nokuya esontweni. Wagcina ngokushada nomuntu owamnciphisela ukuhamba noMoya ongcwele. Emva kweminyaka wangena ekuguqukeni okumangalisayo waphenduka. Lendoda enhle lena izokuya ezulwini mhla ifa kodwa impilo yayo emhlabeni ayibanga mnandi.

**Isibonelo 2-uthando lwenjabulo nento zalomhlaba.**Lesi sibonelo sinokwenzeka kakhulu kwabashadile abangena ekukholweni, abazama ukuyikhonza iNkosi, kodwa izinto zalomhlaba, injabulo yemali enobuntfontofo obunelisayo. Futhi bangene ibandla lephentekhosti, kepha batholakala bephikana nokusebenza kukaMoya ongcwele. Bayavukelana, benza okubi kwabanye abantu bakaNkulunkulu, bangamahlubuka empela. abanye angisabazi kepha ngiyakholwa akubahambeli kahle ngisho namanje. KungokukaLuka 17, kusukela kuvesi 26, uJesu uxwayisa kakhulu mayelana nezinto ezifana, nokugana, ukudla nokuphuza. Eqinisweni akukho bubi kulezizinto, yilokhu okuhambisana nakho okunobungozi.

"Manje lena yilena ehlanyelwe phakathi kwameva; yilabo abalizwayo Izwi, kuthi ubumnandi balomhlaba, ukukhohliswa yingcebo, nenkanuko yezinye izinto eyangena yacindezela Izwi, langasabi nasithelo" [NgokukaMarku 4:18-19].

### ***Isahluko 8-Amandla okugijima umjaho***

**Isibonelo3-isithelo sobubi.** Kukhona izixuku zabantu kungabayishumi nambili kuya ku-shumi nanhlanu abadiliza ibandla ngokuziphatha kwabo okunganaNkulunkulu noma izenzo zabo ezimbi. Lapho ibandla libiza uMshumayeli ozithobile ukuzovala lelibandla, laseliqala ukukhula njalo. Lokhu kwalithukuthelisa lelidlanzana labantu, ngokuvamile basebegcwele ububi. Bazama okwesibili ukulibulala ibandla ngokuza ngaphambili bengabiziwe, ukuzohlabelela. Bathanda njalo ukuhamba-hamba phakathi kwenkonzo benze kwangathi bayaphrofetha, bathikameze umshumayeli. Okokugcina ibandla lafanela ukubaxosha, laxhumana nenkantolo yesigodi kanye nenduna. Ukuhamba kwesikhathi emlandweni wabo, bayeka ukukholwa njengoEsawu, ba"dla isitsha sabo sesobho," babamuncu.

#### **Kulungile, ake sibheke manje umklomelo.**

Njengoba umbhali wencwadi yamaHeberu athi, "Kodwa, bathandekayo, kukhona izinto ezinhle ngaphambili ngani, yebo, izinto ezilandela ukusindiswa, noma sikhuluma kanje"[KumaHeberu 6:9]

#### **Ukugijimela umqhele womjaho.**

"Bonke abancintisanayo bayazithiba ezintweni zonke. kodwa lapho bakwenzela ukuzuza umqhele ophelayo, kepha thina sikwenzela ukuzuza umqhele ongapheliyo"[1KwabaseKorinte9:25]

"Kusukela ugcine umyalo wami wokuzithiba ngesizotha, nami ngiyokukuvikela ezikhathini ezilukhuni eziyokubakhona emhlabeni ukuzolinga bonke abahlala kuwo. Ngizobuya masinyane. Bамbelela kulokho onakho, ukuze kungabikho okuthathela umqhele wakho" [Isambulo 3:10,11-NIV]

#### **Lombhalo ongenhla wawulobelwe ibandla laseFiladefiya.**

Ibandla limele lawomakholwa uKrestu angawatholanga phutha futhi kuyilabo abangahlangananga nokuhlushwa kwenyama njengebandla lase Smirna. ukunqoba kwabo kuhambisana nokwamukeliswa umqhele, umklomelo, ubukhosi, kuzinto ezithile Embusweni kaNkulunkulu. Qaphela ukuthi uJesu uxwayisa ngokuthi banawo lomqhele, kodwa uma bangabambeleli uzobalahlekela.

#### **Umqhele ungumklomelo.**

#### **Uyini lomqhele?**

Umqhele umele ubukhosi nobundlunkulu. Uma "siqeda lomjaho" samukeliswa ubukhosi bukamoya. Ukuqeda lomjaho, ngeny' indlela kusho "ukunqoba." Kuso leso sikhathi sokubambelela uNkulunkulu uba ekunqobela okuthikameza umoya neziqalekiso empilweni yethu nasemisebenzini yethu.



## **Isahluko 8-Amandla okugijima umjaho**

Kungaba isiqalekiso sendabuko ukuthi abantwana bethu abasakhoni ukubambelela. Kungaba futhi yisiqalekiso sendlazana labantu abazokhululwa ngokuzwa Indaba Ezimnandi [Ivangeli] ngezindlebe namehlo avulekile.

### ***Ukubusa phezu kwani?***

Lomfanekiso ku-NgokukaLuka 19 ngesicebi esashiya izisebenzi zaso nomsebenzi okwathi uma sibuya ukubheka ukuthi basebenze kanjani kusinikeza inhliziyi kaJesu ngalendaba yokugijimela umklomelo emjahweni.

"uJesu wathi: "Indoda ehloniphekile esizweni yaya ezweni elikude ukuyozithathela ubukhosi iphinde ibuye. Ngakho yabiza eziyishumi kuzisebenzi zayo yazinika amamina[opondo] ayishumi. 'Sebenzisani lemali, 'washo njalo, 'ngize ngibuye'" [NgokukaLuka 19:12,13,NIV].

"Wenze kahle, sisebenzi sami esihle! washo njalo umqashi waso.'ngoba uthembekile ezintweni ezincane,ngikunikeza amadolobha ayishumi ukuba uwabheke'"[NgokukaLuka 19:17,NIV].

***Liyini idolobha?***Leligama idolobha ngesiGreki lithathwe emagameni asho ukukhuliswa endaweni yakho yokuzalwa, lokho kuyindawo lapho uhlopheka khona, lapho kungenakuthula nokuzwana. Lendawo lapho ubukhona ngaphambi kokuzalwa kwakho kabusha.[phenduka].uNkulunkulu ufuna ukusisusa kulendawo yethu yokuzalwa asiyise endaweni yakaNkulunkulu, iJerusalema elisha, eMbusweni kaNkulunkulu.

Ukwenza lokho ngokwenza kube khona osinqobelayo, kuba khona osigijimela lomjaho ukuze athole ubukhosi bukamoya bokusikhulula. Kuyafakazelana naku-KwabaseKolose 1:24 othi, "Manje ngiyathokoza ngokuhlopheka kwami ngihlophekela nina, ngokugcwalisa lokho okusileleyo osizini lukaKrestu enyameni yami ngenxa yomzimba Wakhe, owuyibandla" [KwabaseKolose 1:24]

### ***Kungaphezu kwethu.***

Kufanele sazi ukuthi lomqhele osimele ubaluleke kakhulu ukwedlula okwethu nemizwa yenjabulo. Lenzuzo esimele inesisindo engcondweni kaNkulunkulu naseMbusweni Wakhe kangokokuthi ifanele isinike isibopho esinamandla sokuqeda lomjaho noma ngabe sizizwa kanjani. Njengoba ake washo udadewethu eNkosini ngesikhathi esisand' ukudlula wathi, "Lenzuzo iyasilwela kunomphumela wokuphelelwa yithemba."

### ***KwabaseFilipi 4:1kwakungelinye lamadolobha kaPaulu.***

"Ngakho-ke, bazalwane bami abathandekayo nabalangazelelayo, [kubantu bedolobha laseFilipi] ntokozi yami nomqhele wami, yimani eNkosini niqinile kanjalo, bathandwa.[KwabaseFilipi 4:1].

***Khonamanjalo lomjaho udlula ukuba ngowakho kuphela, uphinde futhi ube ngawe uqobo.***

Simelane namaqhinga kasathane, bambelela ngobuqotho uqede lomjaho lapho imbewu yethu isamila. Ukuphelela kokholo lwethu akusiwuku "sindiswa komphefumulo wethu" kuphela, njengoba sixoxile esahlukweni sangemuva, kuphinda kulethe lesosibonakaliso sokukhona empilweni ngalokho simthembele kona uNkulunkulu. Mhlawumbe kwakuwukwelashwa enyameni, hleze ezimalini, mhlawumbe ngengane edukileyo, umshado odinga ukuphiliswa, njalo njalo.

**Manje ngoba usuyawubona umklomelo, uthini ngomjaho?**

Umjaho yilenxenywe empilweni yethu lapho sifanele sihlangane nobunzima uma sisamile eZwini likaNkulunkulu ngento uNkulunkulu asinikeze yona ngokukhuluma iZwi Lakhe kithi. Imbewu yahlanyelwa mhla Ekhuluma, manje "lomjaho" yilesikhathi lapho imbewu ifanele ukukhula ize izale isithelo. Ukubambelela kuNkulunkulu ngalesi sikhathi kungumjaho. Ukungalahli ithemba lapho imicabango yethu isibangela imisindo emjahweni. Lomjaho awusiwukweqa, kungukugijima.

KumaHeberu 12:22-24 kusitshela ngokuthi sesifikile (isikhathi esedlule) emandleni oMbuso kaNkulunkulu, kuJesu negazi Lakhe. Lokhu kusinikeza umcabango wokuthi uma nje kalula sihlala duzane, ubuhlobo obusondelelene noJesu futhi singaphelelwa yithemba, sizophumelela. uJesu waphumelela, konke esifanele ukukwenza ukubambelela Kuye sonke isikhathi size sibone ukunqoba kubonakala empilweni zethu.

"Kepha usufike entabeni iSiyoni futhi eNhlokodolobha likaNkulunkulu ophilayo, iJerusalema laseZulwini, emhlanjini wezingelosi ezingenakubalwa, embuthanweni jikelele nasebandleni lezibulo elilotshiwe eZulwini, kuNkulunkulu umahluleli wako konke, emimoyeni yabantu abakahle abenzwa kahle, kuJesu umlamuleli womthetho omusha, nasegazini elifafazwa likhulume izinto ezingcono kunezika Abeli." [KubaHeberu 12:22-24]

**KubaHeberu 12:22-24 kukhombisa ukuthi sinikwe amandla njengesipho esivela kuNkulunkulu sokuqedelela lomjaho.**

Sinokubhaphathizwa emoyeni ongcwele, esiphambanweni, uJesu umlamuleli wethu, izingelosi, nokuningi okunamandla okukhonjiswayo, kuhlanganiswe nokusindiswa.

***SinoJesu. lokhu "ukwenza" kwethu, okubonakalayo.***

"Ake sibheke kuJesu, umlobi nomqedeleli wokukholwa kwethu, Yena lona ngenjabulo eyayibekwe ngaphambi Kwakhe wathwala isiphambano, wahlambalaza amahloni, kuWuye lona ohlezi phansi esandleni sokunene eMbusweni kaNkulunkulu"

## ***Isahluko 8-Amandla okugijima umjaho***

[KubaHeberu 12:2]. Leligama bheka lisho "ukususa amehlo kukho konke uwabhekise kokunye."

### ***Ukubhaphathizwa eMoyeni ongcwele.***

### ***Sidinga amandla nesimilo sikaNkulunkulu ukuze sinqobe izitha zethu zikamoya.***

Umoya Oyingcwele ubizwa ngokuthi ngumduduzi, lokhu ngesiGreeki kuthiwa parakletos[*menyiwe, bizelwe nganxanye, ikakhulu ukubizelwa ukuzonceda, lowo omela omunye kumahluleli, umphenduleli, ummeli, umsizi ngakwezomthetho, umlamuleli, lowo okhulumela omunye komunye, umngeneleli.*]

Mandulo, kubagijimi bamaGreeki iparakletos[umduduzi] kwakuwumngane womgijimi oqala ukugijima eceleni komgijimi ngesikhathi sokugcina ebangeni lokuphelela njengomkhuthazi. Uyokuxoxoxa naye amkhuthaze aphinde futhi ahambisane nokunyathela kwezigi zakhe ekugijimeni ukususa ingcondo yakhe ebuhlungwini bokugijima akubo. Umoya ongcwele uba nathi ngesikhathi sokugijima njengomngeneleli, umduduzi, umkhuthazi, okukanye njengommeli.

### ***Isiphambano.***

Leligazi lokufafazwa emthethweni omusha lisikhumbuza ukuthi sabethelwa kanye noKrestu, kepha uphila impilo Yakhe kithi.

Ukuntshintshelana.

Ngesiphambano noMoya ongcwele singatshintsha imithwalo, siphenduke esonweni, silahle indabuko yenyama siqede umjaho. Nanoma kuzodinga ukwazana kwanjalonjalo noNkulunkulu. Kuzodinga ukuphenduka njalonjalo esonweni nasenkanukweni yenyama. Kuzodinga ukumelana nobubi ngeZwi likaNkulunkulu emilonyeni yethu.

Izimo nomhlaba ogcwele ububi kuyozama njalo ukukuqeda amandla kukuncusele ekulahleni ithemba ngoNkulunkulu. Khumbula lokhu; ukuthi uma unoNkulunkulu, ungalahli ithemba uzophumelela!

***Insindiso.***"Nakhu manje, okungaphezu kwalokho," Insindiso isho ukususwa kwezinto ezinyakazissiwe, njengezinto ezenzwa, kuthi lezinto ezinganyakaziswanga zihlale."[KubaHeberu 12:27].

KubaHeberu isahluko 13 sikhonjiswa eminye yemiyalo yokuziphatha ukuze siqhubeke nomjaho.

### ***uPawulu waqeda.***

"Ngikulwile ukulwa okuhle, ngiqedile ibanga, ngigcinile ukukholwa"[2KuThimothewu 4:7]

Icaphunwe ku God calling<sup>4</sup>

Duze nomphumela- Undasa 13

*Emjahweni akusibuhlungu uma usaqala, ngisho noma usugijime ibanga elide. Kodwa kuyilapho usubona isiphetho lapho inhliziyo, imizwa, ukubekezela, nezinyama emzimbeni zisindwa ngaphezu kokubekezela komuntu, cishe kube ngukuphelela kwamandla.*

*Kanjalo, nakuwe manje amehlo akho aseyabona ukuphumelela, kudinga ukhale okokugcina Kimi. Awuboni ngani imizwa yakho nenhliziyo kulesisikhathi sekushaya kanje, kusho ukuthi cishe usuligijimile ibanga lakho. Yima isibindi, yima isibindi. Yizwa iZwi Lami lokukunika amandla. Khumbula njalo ukuthi ngiseduze nawe, ngikuqhubela ekunqobeni.*

*Emlandweni waseZulwini, imibiko ebuhlungu kakhulu eyalabo okukhulunywa ngabo abagijima kahle umjaho wabo, abazinhliziyi zamaqhawe aqinile, abagijime bawubona umphumela, owokunqoba, ithemba labo laseliyashabalala. Kuyilapho zonke izithunywa zasezulwini, zikhala zimemeza ukuthi sebaseduze nasekupheleni komjaho, ukuthi bafake amandla okugcina, kepha bawa, abakaze bazi kwaze kwaba sezinsukwini zokwambulwa, lapho bezwa ukuthi basebeseduze nokunqoba.*

*Uma ngabe balalela Mina kulokukuthula lokhu Mina nani nobabili nihlangana nami kukho. Ngabe bazi. Kufanele kube khona indlebe elalelayo, nalelo liZwi elincane elikhulumayo.*

### **Florence Chadwick.**

Ngisakhumbula ngo1952 lapho ngibukela iTV, ngabona umhlambi omkhulu u Florence Chadwick enza umlando wokuhlamba eqe iCatalina channel eSouthern California.

*Kuthathwe ku Wikipedia, the free encyclopedia.*<sup>5</sup>

*Ngo1952, uFlorence ubengowesifazane wokuqala ukuzama ukuhlamba 26 wamayela phakathi kweCatalina Island nomncele wosebe lolwandle lweCalifornia. Lapho eqala lolu hambo olungumlando, ubekakwe yizikebhe ezincane ezibheke imikhomo zilinde ukumvikela nokumnceda lapho ekhathala noma evelwa yingozi.*

---

<sup>4</sup>AJ. Russell God calling: Barbour and company, Inc.. Uhrichsville, OH., 1989, Ikhasi 43

<sup>5</sup>[http://en.wikipedia.org/wiki/Florence\\_Chadwick](http://en.wikipedia.org/wiki/Florence_Chadwick)

## ***Isahluko 8-Amandla okugijima umjaho***

Ihora emva kwehora uFlorence ehlamba, kodwa emva kwamahora ayishumi nanhlanu, isibhukubhuku, senkungu enamandla sahlasele. uFlorence waqala ukungabaza ukuphumelela kwakhe, lapho wayesetshela umama wakhe, owaye ekwenye yemikhunjana, wathi akasaboni ukuthi usazokhona ukuya phambili. Wahamba elinye futhi ihora ngaphambi kokuthi acele ukuba atakulwe. Lapho esehlezi esikebheni, uFlorence wabona ukuthi umise ukuhlamba sekusele i-mayela elilodwa nje ukufika emnceleni wogu lweCalifornia, isiphetho sohambo lwakhe. uFlorence echaza uthi wayengasakhoni ukubona umncele wosebe lolwandle ngoba kwakunenkungu ekhasa phansi. ayengasakhoni ukubona inhloso yakhe.

*Emva kwenyanga ezimbili, uFlorence wabuyela emanzini ukuzozama umsebenzi wakhe futhi. Kwahluka ngalesisikhathi. Wahamba ukusuka eCatalina Island ukuya ogwini lwe California ngendlela eqondile ama-mayela angu-26. Isibhukubhuku senkungu efanayo neyokuqala sahlasele, kodwa uFlorence waphumelela ngoba ethi lapho ehlamba, engcondweni yakhe kwakunomfanekiso wosebe lolwandle. Akaze walahlekelwa ukubona ngoba wayephokophelele kulowo mfanekiso wosebe anawo, ngakho ngaleyondlela, wafinyelela enhlosweni yakhe.*

## Isahluko 9

### Isiphambano

**Ake sibhekise amehlo ethu esiphambanweni nasegazini likaJesu.**

Amakholwa asekhulume ngesiphambano sikaJesu iminyaka eyizinkulungwane, yebo eqinisweni bancane kakhulu abahambisana nokusho kwaso ezimpilweni zabo. Sebebaningi kakhulu abazwile ngegazi likaJesu, kepha abasengakazi ngokuphelele ubumqoka Balo nokuthi Lisho ukuthini.

KuJohane isahluko 6, uJesu wabona isixuku sabantu abahluphekile, futhi ngokubahawukela wabasuthisa ngesimanga sezinkwa nezinhlanzi. Lokhu kwaba kukhulu kulabantu. Kwabakukhulu ngempela ngendlela yokuthi bakhetha ukumlandela uJesu yonk' indlela kuze kube ngale kwechibi, becabanga ukuthi hleze abadlise ngesinye isimanga futhi.

uJesu wenqaba ukwenza esinye isimanga esifana naleso futhi ngosuku olulandelayo. Watshela abantu ukuthi unekhambi laphakade lokwelapha ukuswela. Wabaluleka ukuthi ukuqeda ukuhlupheka kwabo kufanele kube ngesivumelwano segazi. Kufanele baphuze igazi Lakhe babuye badle inyama Yakhe. Abaningi akwabaphatha kahle, becabanga ukuthi ubacela ukuba baphenduke amazimu badle umzimba wakhe uqobo. Wase ubatshela ukuthi bayophatheka kabi uma engabashiya bangasamtholi ukudla Kuye.

uJesu wabe esetshintshela ekwenzeni kukaMoya, wathi, "Ngumoya ophilisayo; inyama ayisizi ngalutho. Lamazwi engiwakhulume kini angumoya futhi awukuphila" [NgokukaJohane 6:63]. Wayesho ukuthi uma ufuna ukuba yilungu egazini nase moyeni kaNkulunkulu, konke kwenze ngendlela Asho ngayo. Funda lendaba ku-NgokukaJohane 6.

Ukusindiswa kwethu kuyo yonke inhlobo "yokuswela" empilweni kutholakala esivumelwaneni segazi noNkulunkulu. Isiphambano negazi likaJesu kumele isivumelwano segazi.

**Usathane umele khona ukusilinga nokusivimba kulamandla eqiniso lesiphambano.**

Usathane uzama ngawo onke amandla akhe ukufihla lombiko weqiniso lesiphambano. KwabaseGalathiya 3:1-3a uthi, O nina maGalathiya angaqondiyo! Ngubani onoloyileyo nina enalotshelwa phambi kwamehlo enu umfanekiso kaJesu Krestu ebethelwe esiphambanweni na?"

## ***Isahluko 9-Isiphambano***

KwabaseGalathiya 3:10 uthi, "Bonke abalandela umthetho baqalekisiwe, ngokuba kulotshiwe ukuthi: 'Baqalekisiwe bonke abangahambi ngakho konke okulotshwe encwadini yomthetho."

uPaulu wayetshela abazalwane baseGalathiya ukuthi badukiswe ngusathane ukubaba ngakholwa yisiphambano kodwa babheke entweni ezimbili:

1. Okomthetho. Ukuphila ngomthetho bangaphili ngobuhlobo noJesu.
2. Amandla enyama yabo noma indabuko. Bazama ukukwenza ngamandla abo.

Ubuthakathi ngamandla usathane azama ukuwasebenzisa nokunenza futhi anifake ngaphansi kombuso okungewona. Lowo mbuso ngowokuqindezela nokusebenzisa. ngaleyondlela, amaGalathiya eyefakwe ngaphansi kombuso wedimoni elabakhohlisa ngokuthi imvelo yabo [inyama] nemithetho yiyona ndlela yokujabulisa uNkulunkulu. Lokhu kwakuvimba ivangeli leqiniso namandla esiphambano.

Uma ngabe wena ungasathane, uJesu ukwehlule ukukwehlula esiphambanweni, futhi unolwazi lokuthi abantu bakaNkulunkulu bangalingeka ukuthi bangazi ngokwehlulwa kwakho nokunqoba kwabo , ungenze njani?

Ungafafaza amanga athi, "Kufanele nigcine yonke lena mithetho ukuze uNkulunkulu animukele, futhi kufanele kube wuwe owenza yonk' into uNkulunkulu ayifunayo kuwe. Akunasidingo sokuthi wazi ngamandla esiphambano negazi likaJesu. Lokho kuyimithetho nje eminingi yesiko lenkolo." Kungamanga nje afanayo nawelendoda eyisicebi sombusi osemusha owakhohliseka ku-NgokukaMathewu 19. Yifune lendatshana uyifunde.

uPawulu waphatheka kabi ngalemfundiso waze washo into eyiqiniso lempela ku-KwabaseGalathiya 1:8 eyikuwukuthi, "Kodwa ukuthi noma ngabe thina noma ingilosi evela ezulwini izoshumayela ivangeli elihlukile kunalokhu esikushumayela kini, makaqalekisiwe loyo."

*uMpostoli uPawulu wayeshumayela kuphela ngesiphambano nje.* Mayelana naku-Kwabase Galathiya 6:14-15, uPawulu wakukhombisa ukuthi ukugcina imithetho akusiyo into okufanele ishukumayelwe. Kulokho, uPawulu washumayela ngesiphambano, esaletha ukuzalwa kabusha.


Usathane uthatha isikhathi sakhe esiningi elwa ukusivimbela iqiniso lesiphambano ngoba limele isivumelwano segazi phakathi komuntu noNkulunkulu.

### **Isiphambano yisona esanqoba usathane.**

Sizobheka ezintweni ezimbili esivumelwaneni segazi:

1. Umthetho wokushintshana.

2. Ukukholana.



1. Okokuqala, sizokhuluma ngomthetho wokushintshana. wona onenxenye ezimbili, umthetho wobundlalifa nomthetho wokumelana.

uNkulunkulu wabeka imithetho ngaphambi kokubeka isiqalo somhlaba, leyo mithetho yaba isiqalo sokutshintshana. Yomibili isebenza ngegazi. futhi yona yakha umthetho wokushintshana.

**1. Umthetho wokutshintshana esivumelwaneni segazi. Sizoletha lenxenye ezimbili.**

**Okokuqala lapha Inxenye 1-A Umthetho wobundlalifa.**

uNkulunkulu wadala uluntu wenza impilo yabasegazini. Ku-Levithikhusi 17:11 uthi, "Ngoba impilo yenyama isegazini. Ngikunikile lokho e-altare ukwenza inhlawulo yemiphefumulo yenu." NgokukaJohane 6:56 uthi, "Lowo odla inyama Yami aphuze igazi Lami uhlala Kimi nami ngihlala kuye."

**Sithola izibusiso neziqalekiso njengefa kokhokho bethu.** Ku-Eksodusi 34:6-8 uthi, "Lapho iNkosi yadlula ngaphambi kobuso bakhe [uMose] yamemeza yathi: iNkosi! iNkosi uNkulunkulu! Enomusa nelungileyo,



engasheshi ukuthukuthela, evamile ebuhleni naseqinisweni, eyenza umusa kuzinkulungwane, exolela ukungalungi neziphambelo nesono, engalibali ukujezisa, ehambela ububi bawoyise kubantwana, nakubantwana babantwana, kuze kube sesizukulwaneni sesithathu nesesine." Lapho uMose wagijima waguca phansi emhlabathini wayibonga iNkosi. Lenkulumo izwakala kwangathi iyatekula. Angakwenza kanjani uNkulunkulu ukuthi abe exolela kanti futhi angayeki ukujezisa?

Sidala izibusiso kanye neziqalekiso ngezono zethu. KwabaseRoma 6:23 uthi, "Ngokuba inkokhelo yesono wukufa, kepha isipho sikaNkulunkulu impilo yaphakade ngoJesu Krestu iNkosi yethu." KwabaseGalathiya 6:7 uthi, "Ningadukiswa, uNkulunkulu akasona isiwula. Lokho umuntu akutshalayo, yilokho futhi azokuvuna."

### **Utholakalaphi umthetho wobundlalifa? emzimbeni noma emphefumulweni?**

Kokubili. Yingakho abantu bafana nabazali babo. Lenxenywe engabonakali ezuzwa emoyeni idida abantu abaningi. Kukhona inxenywe ezimbili kumuntu ezingazuza ubundlalifa emoyeni noma emndenini.

NgokukaJohane 3:5-6 uthi, "uJesu waphendula, Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, Ngaphandle kokuba umuntu azalwe ngamanzi nangomoya, angeke angene eMbusweni kaNkulunkulu. Lokho okuzelwe ngenyama kuyinyama, kanti lokho okuzelwe ngomoya kungumoya?"

Lempilo esiyiphilayo. Lempilo ithwele ukubukeka nokwakheka komzimba. Impilo kaMoya. Impilo kaMoya yilena ethwele ubundlalifa bezibusiso neziqalekiso.

Lokho kubukeka kungekuhle, kepha sikhona isixazululo. Isixazululo yileNdaba Ezimnandi!

### **Inxenywe 1-B Umthetho wokumelana.**

Isibonelo. Umthetho wesisindo sasemhlabeni wenza indizamshini ibuye phansi emhlabeni. Kodwa uma indizamshini igijima ebaleni layo ngejubane elikhulu kakhulu omunye umthetho uyangenelela uchithe owasemhlabeni umthetho; lowomthetho ngumthetho wokuphakamisa. Ngendlela efanayo, umthetho wokumelana uchitha umthetho wobundlalifa.

Lomthetho lona usho ukuthi abantu bangazalwa emndenini othile, ukusuka emlandweni walowomndeni bangathola izibusiso neziqalekiso njengefa labo, kodwa iziqalekiso zingaguqulwa. Izizwe eAfrika, naseAmerika, isiko lamaNdiya nezinye izizwe zaseAsia, bazama njalo ukufuna indlela yokutshintsha noma ukuthengiselana ngezibusiso noma iziqalekiso nabanye abantu.

### *Isahluko 9-Isiphambano*

Bathengiselana ngezikhali, izimpahla, nezinye izinto ezimqoka njengophawu lokuthi bayazwelana futhi bangavikelana kuze kube sekufeni. Kweminye imindeni yaseAfrika, uma umndeni wamukele ingane okungeyona yokuzalwa kuwo, ubaba kulomndeni uzohlaba isilwane bese kuthi lengane iboshwa isikhunjana esincane esandleni ukwenza lengane ibe ngeyakhe.

Kusukela endulo, abantu babephuza igazi lesilwane esihlatshelwe onkulunkulu [amadlozi], ukuze bafane nonkulunkulu [nedlozi].

Ngaphambi kwesiqalo somhlaba, uNkulunkulu wakulungiselela ukubethelwa kukaJesu okuhambisana noMoya ongunaphakade, okusho ukuthi umthetho wokumelana wawukhona ngaphambi kokuba kube khona umuntu. Isambulo 13:8b uthi, ....encwadini yokuphila kweMvu eyabulawa ekusungulweni komhlaba."

Isibonelo esihle somthetho wokumelana kwakuyiPhasika. Eksodusi 12:13-14 uthi, "Futhi leligazi lizoba wuphawu kini ezindlini enikuzo. Kuyothi lapho ngibona leligazi, ngizodlulela ngaphambili. Futhi nesijeziso angeke siwele kini lapho ngibhubhisa ezweni laseGibhithe. Kanjalo lolosuku liyokuba yisikhumbuzo kini. Niyolugcina njengomkhosi weNkosi kuzo zonke izizukulwane zenu. Niyokulenza libe wumkhosi osemthethweni njalonzalo." Impilo yewundlu, imelwe yigazi lalo, yayingummeli wezibulo emndenini. Kwafa iwundlu esikhundleni sengane yezibulo. Iwundlu lephasika lalifanele lingabi nasici, lifanele libemsulwa.

Yisona lesizathu sokuthi uJesu kwakufanelwe azalwe yintombi -nto, engangcoliswanga yinzalelwana kaAdamu. Okuyiyona ndlela angaba yiwundlu lethu lephasika elingenasici elimsulwa. uBaba Wakhe kunguNkulunkulu, umama Wakhe nguMariya. Uphelile ukuba nguNkulunkulu futhi uphelile ukuba ngumuntu. Ungu Adamu wesibili, akanasono, futhi ukulungele ukuthwala isono sethu.

Lokhu kuchaza lehlala [ekhasini langemuva] kuEksodusi 34:6-8. Yiyona ndlela eyodwa uNkulunkulu angayisebenzisa ukwelulela umusa kubantu aphinde angayeki izono zabo zingajeziswanga, wukuba ajezise uJesu, iwundlu elimsulwa likaNkulunkulu esikhundleni sabantu.


uNkulunkulu wakusho kwasekuqaleni ukuthi umthetho wokumela uzosebenza esivumelwaneni esisha. uJeremiya 31:29-34 uthi, "Kulezo zinsuku abasayikusho futhi ukuthi, Obaba badla isivini esibabayo, yingakho amazinyo engane zabo abuthuntu. Wonk' umuntu uyobulawa yisono sakhe. Wonk' umuntu odla isivini esibabayo, amazinyo akhe ayakuba buthuntu. Bheka, ziyeza izinsuku, isho iNkosi, lapho ngiyokwenza isivumelwano esisha nendlu Israyeli, futhi nendlu kaJuda,

kungasabi njengesivumelwano engasenza nawokhokho lapho ngibakhipha ngesandla Sami

## Isahluko 9-Isiphambano

ezweni laseGibhithe; labo abasiphula isivumelwano Sami, nanoma ngangingumyeni kubo, isho iNkosi;kodwa lesi kuyakuba yisivumelwano engiyokusenza nendlu kalsrayeli: Emva kwalezo nsuku, isho iNkosi, Ngiyokufaka umthetho Wami ngaphakathi kwabo, ngiwulobe enhlizweni zabo; futhi lapho ngiyokuba nguNkulunkulu wabo, bayokuba ngabantu Bami.Abasayukufundisa muntu ngomakhelwane, nomuny' umuntu ngomfowabo, ukuthi, Yazi uNkulunkulu; ngokuba bonke bayakuNgazi, ukusuka kwabancane kuya kwabakhulu kubo, kusho iNkosi. Ngoba ngiyoxolela ukungalungi kwabo, futhi izono zabo ngingeke ngisazikhumbula."

Umthetho wokumelana ungatshintsha impilo kaMoya.Isivumelwano segazi singatshintsha ubundlalifa emndenini.



KwabaseGalathiya 2:20 uthi, "Ngabethelwa noKrestu, kodwa ngiyaphila;kepha akuseyimi, nguKrestu ophila kimi.Futhi lempilo engiyiphila manje enyameni, ngiyiphila ngokukholwa yiNdodana kaNkulunkulu, eyangithanda mina yazinikela ngenxa yami."

### *Isahluko 9-Isiphambano*

Isaya 53:4-5 uthi, "Kuyiqiniso Wabuthwala ubuhlungu bethu, Wathwala usizi lwethu; Yebo, sambheka eshaywa, elinyazwa nguNkulunkulu, eqalekiswa.

Kodwa Walimalela izono zethu; wahlukunyezwa ngenxa yokungalungi kwethu; intengo yokuthula kwethu yawela Kuye; futhi ngemivimbo Yakhe thina saphiliswa. Sonke sasinjengezimvu silahlekile; saphenduka, loyo naloyo wakheth' eyakh' indlela; 'ke iNkosi yathwesa Yena konke ukungalungi kwethu."

#### **Sekukade abantu bezama ukuguqula impilo zabo zikamoya ngokusebenzisa igazi.**

Amasiko amaningi abantu asasebenzisa igazi, nanoma, lokhu akusebenzi kwasanhlobo ngokuba babhekene nalempilo ekhona. Bangahawukelana, kodwa akukho ngaphakathi kubo okungatshintsha noma okutshintshile; umoya wabo usalokhu unjalo. KumaHeberu 9:13-14 uthi, Igazi lezimbuzi nelezinkunzi nemilotha yamathole okufafazwa ngakho labo abangcolile emoyeni kubahlambulula kuphela ingaphandle labo. Kangakanani ke, lapho, okungenzwa yigazi likaJesu, loyo ngomoya waphakade wazinikela Yena ongenasici kuNkulunkulu, ukuhlambulula imicabango yethu ezintweni eziholela ekufeni, ukuze sidumise uNkulunkulu ophilayo!" Ziningi izindlela okungezona ezisentshensiswa yimihambo namasiko alabo abasasele emuva.

Yini okutshintshwa yisivumelwano segazi noma isiphambano kithi? Kwasinikani? Kwamnikani uJesu?

#### **Okokuqala, kwanika uJesu konke esiyikho. Wafa ukufa kwesilelesi ngoba thina sasingabahlubuki.**


Sonke sasingabahlubuki nezoni phambi kukaNkulunkulu ngaphambi kokuba asisindise. Isono sika Adamu no Eva kwakuwukhulubuka [i.e. ukungamlaleli uNkulunkulu neZwi Lakhe]. Sazalelwa ekhulubukeni noma esonweni.

KwabaseEfesu 2:1-6 uthi, "Futhi wakwenza waphila, wena owawufile ngeziphambeko zakho nezono, kuzo owawuhamba ngendlela yalomhlaba, ngendlela yenkosana yamandla omoya, lomoya osebenza manje kubantwana abangalaleli; kulabo esasiphila nabo ezikhathini ezedlule, enkanukweni yenyama yethu, sigcwalisa inkanuko yenyama neyemicabango yethu, lapho ngokuzalwa sasingabantwana bolaka. Kodwa uNkulunkulu, ovamile ngomusa, ngoba ngothando Lwakhe olukhulu asithanda ngalo [nanoma sasifile esonweni] wasenza saphila kanye noKrestu [ngobubele usindisiwe], wasivusa wasenza sahlala Naye endaweni yasezulwini ngoKrestu uJesu."

**Indaba ngoBharabhasi.** NgokukaMathewu 27:16 kuthiwa uBharabhasi kwakuyisiboshwa esiyingozi. Zazizintathu iziphambano eGolgotha.

### *Isahluko 9-Isiphambano*

Ezimbili ngapha nangapha, zombili zazenzele iziphulamthetho. Sasenzelwe bani lesi esiphakathi, uJesu? Qha, sasenzele uBharabhasi. uJesu wathatha indawo yakhe. uIsaya 53 uthi uJesu wathatha indawo yethu.



uIsaya 53:4-6 uthi, "Kepha wabuthwala ubuhlungu bethu, wathwala nosizi lwethu; sambheka elinyazwa, eshaywa nguNkulunkulu, futhi eqalekiswa. Kodwa wayelimala iziphambeko zethu; wahlukunyezwa ngenxa yokungalungi kwethu; intengo yokuthula kwethu yawela Kuye; ngemivimbo Yakhe thina saphiliswa. Sonke sasinjengezimvu silahlekile; saphenduka, loyonaloyo akhetha indlela yakhe; kepha uNkulunkulu wathwesa Kuye konke ukungalungi kwethu sonke."

#### ***Okwesibili, kwasinika konke uNkulunkulu ayikho nanakho.***

Okubalwe lapha ngokunye kwezinguquko uJesu asenzele zona ukuthi sijabule ngazo. [Bheka okungahambisani!] Okunye kwakho yizisindo, okunye yizono. Isisindo yinto ekuqindezelayo, umthwalo, othwese wona ngomunye [KubaHeberu 12:1]. [Eziningi zalezizibonelo zithethwe ezifundweni zikaDerek Prince.]

1. uJesu wajeziselwa ukuthi sisindiswe [uIsaya 53:4-5, KwabaseEfesu 4:32, KwabaseKolose 2:13]
2. uJesu walinyazwa ukuba thina siphole [uIsaya 53:4-5, NgokukaMathewu 8:16-17, 1EkaPetru 2:24]
3. uJesu wenzwa isono ngenxa yezono zethu ukuze thina siqondiswe ngeQiniso Lakhe [uIsaya 53:10, 2KwabaseKorinte 5:21]. Ukubaneqiniso kusho ukuma kahle kuNkulunkulu [KwabaseRoma 3: 22, KwabaseRoma 4: 6, KwabaseRoma 10: 10].

### *Isahluko 9-Isiphambano*

4. uJesu ufe ukufa kwethu ukuze thina sihlanganye Naye empilweni Yakhe. Inkokhelo yesono ukufa [KwabaseRoma 6:23, KubaHeberu 2:9, NgokukaJohane 8:52]

5. uJesu wenzwa isiqalekiso ukuze thina samukele isibusiso [KwabaseGalathiya 3: 13-14, uDuteronomi 21: 22-23, uDuteronomi 28:1-13]

#### **Ezinye zeziqalekiso:**

Ukulahlekelwa yingcondo noma ukuphuka emoyeni.

Ukugulela futhi noma ukuba nezifo -ikakhulukazi izifo zofuzo.

Ukuphiindaphinda ukuphunza noma inkinga zabafazi.

Ukonakalelwa ngumshado noma umndeni - ukushada nomuntu ongafanele.

Ukuhlala njalo ungenayo imali elingene, ikakhulu lapho kubonakala ukuthi imali

uyayenza

Ukuvelelwa yizingozi njalonjalo.

Ukuzibulala noma ukufa okungajwayelekile.

Injwayelo, njengotshwala nezidakamizwa.

Ukungabambisani nomthetho.

Injwayelo engasikahle yocansi.

Ukusebenzisa amandla esiphambano kuyokusindisa kulezizinto nakwezinye iziqalekiso. Zilungiselele!

6. uJesu waqiniselela ekusweleni ukuze thina sihlanganye Naye emnothweni Wakhe. [2KwabaseKorinte 8:9 no 9:8] ukunotha okulingene ngokwanelisayo nje; ukunotha ngokwedlula ukwanela ukuze nathi sikhone ukubusisa abanye. uJesu wayelambile, omile, angagcokanga, eswele esiphambanweni.

7. uJesu wathwala ihlazo lethu ukuze thina sihlanganye Naye eNkazimulweni Yakhe [NgokukaMathewu 27:35-36]

KubaHeberu 2:10 kuthi uJesu uletha abantu abaningi eNkazimulweni [kungasisehlazweni]

Singamukela ukugcwala koMoya Ongcwele. uMoya Ongcwele uyaliguqula ihlazo.

Ukuhlukumezwa ngokwecansi kuletha ihlazo.

Siqala ukucabanga njengesigqila nenxa yehlazo.

## *Isahluko 9-Isiphambano*

Sibanezinkinga zokuzazi ngenxa yehlazo.

8. uJesu waqinisela lapho elahlwa ukuze sibe nokumukeleka kuBaba [NgokukaMathewu 27:45-51]. uBaba wafihla ubuso Bakhe kuJesu wamlahla emlahlela thina. KwabaseEfesu 1:6 uthi uBaba usemukele.

Abantu balambeke ukumukelwa, ukuzizwa banelikubo, njengokuthi bawulutho komunye umuntu. uJesu ongakunikeza lokhu kuphela. Ibandla Lakhe yindawo eyikhaya. Abantwana badinga ukwamukelwa ngubaba. Uthando malubonakaliswe sobala. Ukuhlukana kubanga ukungamukelani [ulsaya 54:6]. uJesu ufe ngenhliziyo ebuhlungu. "Amukelanani, omunye komunye, bese, njengoba uJesu wanemukela, ukuze udumo luye eNkosini" [KwabaseRoma 15:7]. uNkulunkulu usimukela sisezingeni lesoni [KwabaseEfesu 1:3-6]

9. uJesu wahlukaniswa noBaba ngokufa ukuze thina sizijabulise ngobukhona bukaNkulunkulu ngunaphakade [NgokukaMathewu 27-46, ulsaya 53:8, KubaHeberu 10:21-22, EkaJuda 24, KwabaseKolose 1:27, KabaseEfesu 3:16-20]. Isidingo sethu semicabango sanelisiwe. Ukugcwala kukaMoya Ongcwele kuyatholakala ukusinika ubukhona bukaNkulunkulu [Izenzo 1:8].

10. "Umuntu wethu omdala" [imvelo yesono] wabulawa Kuye, ukuze lomuntu omusha [imvelo kaJesu] aphile ngaphakathi kwethu [KwabaseRoma 6:6, KwabaseGalathiya 2:20].

Ukuxolelana ngezono kudingekile kakhulu, kodwa ukuzibeka kude nomuntu owonayo kudingekile kakhulu.

11. uJesu ulibonile usizi lwethu wabuye wathwala izinhlupheko zethu ukuze sibe nokujabula nentokozo [ulsaya 53, ulsaya 35:10, ulsaya 51:11]

Ukufa kothandiweyo, ukulahlekelwa ngokuthile, ukuzwa kwangathi kukhona ingozi ezayo, ukuhlala ngokudabuka nobuhlungu kungaletha ukulahlekelwa yithemba empilweni, noma kucabangise umuntu ukuzibulala. Umoya Ongcwele usilethela injabulo.

### ***Isahluko 9-Isiphambano***

12. UJesu wawugcina umthetho ukuze thina siphile ngobubele [KwabaseRoma 7:6 no 8:1-4, KwabaseEfesu 2:8-9, KwabaseGalathiya 3:1-3]. Ukuphila ngokomthetho kunika inyama amandla [1KwabaseKorinte 15:56]. Kuholela ekudangaleni, ekuhlulekeni, enjwayelweni, ekulahlweni, nasekuhlubukeni.

13. uJesu wahlukunyezwa ukuze thina sibe nokuthula [ulsaya 53:5, KwabaseFilipi 4:7]

14. uJesu akanakwanga ukuze thina sibe nesithunzi. Wathengiswa ngentengo yesigqila [NgokukaMathewu 26:15,1KaPetru 1:18].Lentengo uNkulunkulu asikhokhelele yona kithi isenza sibe nesithunzi.

15. uJesu wagqilazwa yizwe, ukuze sisindiswe ezweni kulesisikhathi samanje esibi [KwabaseGalathiya 1:4 no 6:14].Izwe labethelwa kithi nathi sabethelwa ezweni.

16. Ububi banqotshwa. uJesu [wabukeka ] wahlupheka enqotshwa ngusathane ukuze thina sijabule ngokumnqoba usathane.

#### **Isiphambano sasinganakuvinjwa.**

Samhlubula samnqoba usathane nabo bonke ububi obabukhona ezweni, ngisho nalobo ubi obubhekeka kwangathi buyakusondeleleka. Nanoma ngabe yini ohlangana nayo, kufanele kuguquke kube yisibusiso. KwabaseKolose 2:14-15 uthi, "[uJesu]" wasula yonke lemibhalo yemithetho eyayilwa nathi, [wonke lomthetho wokuthi usathane ufanele enze ububi kithi] owawuqondiswe kithi, wawususa endleleni yethu, wawubethela esiphambanweni. Wahlubula ababusi nabomthetho [amadimoni nosathane] , wabonisa ngabo kwabha! enyathela phezu kwabo." Bheka futhi ku-NgokukaMarku 16:15-19 na KwabaseRoma 6:9.

**Zonke izinto zabuyela esimeni sazo ngenxa yesiphambano.** Kungasi kuphela abantu, kodwa zonk' izinto. "Futhi Ngaye wenza uxolo ngegazi esiphambanweni Sakhe, kwamjabulisa uBaba wabuyisa zonk' izinto Kuye Ngaye, noma izinto zasemhlabeni noma izinto zaseZulwini" KwabaseKolose 1:20].



### *Isahluko 9-Isiphambano*

"Ukubuyisana" yigama elinamandla. kuStrong's Concorde [2] lichazwa kanje "Ukuletha ukuthula esimeni okwakuyiso kwakuqala." kuchazwa ngoku "lungisa," ukubuyisela esimeni sokusebenza, ukuletha uxolo phakathi kwemibono ephikisanayo noma izinhlangano."

Vines Bible Dictionary [3] ikuchaza njengoku "ukutshintsha kusuka ebutheni kuye ebuhlobeni." Isiphambano sika Jesu sithatha zonk' izitha zethu, noma zingabantu, amadimoni, izimo, ukugula, ukuswela, konk' okubi kube wumngane wethu.

2KwabaseKorinte 5:18 uthi, "Konke lokhu kuvela kuNkulunkulu, owasibuyisa Kuye ngoKrestu wase esinika inkonzo yokubuyisana." Lona ngumsebenzi wethu emhlabeni; ukuthatha zonk' izitha zempilo yethu, sizicwilise egazini nasesiphambanweni sikaJesu Krestu, siziguqule abangane. Ngingakutshela ngeZwi likaNkulunkulu nangolwazi lami ukuthi lokhu kuyiqiniso. Kuyasebenza uma ukumela.

Ungenza kanjani ukuthi inzuzo yesiphambano ibe yiqiniso kuwe? Ungenza njani ukuze ube nobuhlobo noNkulunkulu? Kufanele uthwale "isiphambano sakho".

#### **Abantu bawabhekela phansi amandla okuzikhethela thina.**

Lokhu ngokwesibili okunamandla kakhulu emhlabeni wonke jikelele, kulandela amandla kaNkulunkulu. "Futhi wathi kubo bonke, uma kukhona ofuna ukungilandela, akazidele athwale isiphambano sakhe mihla yonke angilandele.

Ngoba onke ozama ukuzuza impilo yakhe uyolahlekelwa yiyo, kodwa onke oyolahlekelwa impilo yakhe ngenxa Yami, uyokuyizuza. Ngoba umuntu utholani uma ezuzisa umhlaba wonke kepha alahlekelwe wuye, abhubhe?" [NgokukaLuka 9:23-25]

Nali uhlolo lokuzimisela kwakho ukuthatha isiphambano sakho. Phawula kuyo yonke imisho ngo yebo noma qha.

Ungasebenzi lenamisho ngaphandle kokucabanga nokuzimisela. Lena yindaba enzima yokufa nokuphila. Ungaqambi amanga kuNkulunkulu; futhi ungazikhohlisi wena. Kungabangcono udlule lapha ungalwenzi loluhlolo uma ungazimisela.

### *Isahluko 9-Isiphambano*

- Ngizimisele ukuba neqiniso ngesimo sami [isisindo noma isono]-iqiniso eliphelele!
- Ngikhathele ngemithwalo yami noma isono ngifuna ukukhululeka.
- Ngikhathele ukuzama ukwenza impilo ibe kahle ngokwami. Ngiphendukela Ezwini likaNkulunkulu ukuze kube nesithelo, ngendlela Yakhe.
- Ngiyaphenduka, [ngihamba ngeny' indlela] futhi ngicela uNkulunkulu ukuba angincele.
- Ngiyazifulathela izinto zalo "mhlaba."
- Ngiyakholwa lokhu Izwi likushoyo ngoJesu ukuthi wathwala imithwalo yami nesono.
- Ngenza uJesu iNkosi [umnini] nginquma isinqumo sokumlandela ngezwi lakhe noMoya Wakhe.
- Ngishintshisa intando yami ngentando kaNkulunkulu. Ngiyabaxolela labo abangizwisa ubuhlungu.
- Ngishintshisa ingcondo yami ngengcondo kaNkulunkulu.
- Ngishintshisa imicabango yami ngemicabango kaNkulunkulu.
- Ngizimisele ukuhlangana nokuhlukunyezwa futhi angeke ngaba namahloni ngoJesu.
- Ngizimisele ukuphuma emhlanjini futhi nginganaki ngokuthi bathini ngami.
- Ngizimisele ukuthembeka ngalokhu enginakho esandleni sami manje.
- Ngiyophila ngeZwi Lakhe mihla yonke ngibe nesikhathi esiningi kulo.
- Ngizoqhubeka ngokukholwa ngihambe noJesu neZwi njengeNkosi yami. Ngiyokwenza kube semahlombe ami ukuthatha isikhathi ngakha ubuhlobo noNkulunkulu.
- Ngiyophikisana nawo onke amanga kasathane, nanoma kungathatha isikhathi eside kangakanani.
- Ngiyophuma emhlanjini ngilahlekele kuNkulunkulu.
- Ngiyolahla ukuzazi kwami ngalokho abantu bakucabangayo ngicele uNkulunkulu anginike konke Anakho .

***Isahluko 9-Isiphambano***

----- Ngiyothatha isikhathi esihle noJesu onk' amalanga. Ngiyothululela inhliziyoyami Kuye ngokukhulu ukuthembeka.

**Mukela manje. Asishintshane ngezinto khona  
manje**



**Umlayezo:**

Uma uphawule ngo YEBO kukho konke ngaphezulu, ngakho qhubeka. Uma ungaphendulanga ngoYEBO, ngakho kufanele ucele uNkulunkulu ukuba ashintshe inhliziyi yakho. Angakwenza lokho.

1. Ngakho phawula imisho egcwaliseka kuwe.
2. Bheka imibhalo bese uyisho ngomlomo wakho.
3. Yilobe epheshaneni elincane ubusuyifund' uphimisele kakhulu mihlayonke.

Manje mbonge uJesu ngalokhu asekwenzele khona WENA.

**Inxenye 2. Manje sizosebenza ngobuhlobo esivumelwaneni segazi.**

Ngiyakholwa ukuthi iningi labantu eqinisweni alibuzwisi ubuhlobo. uNkulunkulu wakha onk' umuntu nesifiso sobuhlobo. Sonke siyabulangazelela, kepha asizwisi okuyiyonayona ndlela yokungena kubo nokubukhombisa. Abantu banobuhlobo obudukisayo ngendlel' eziningi.

Iningi labantu, uma bacabanga ngobuhlobo, bacabanga ngokulalana. Ucansi yinxenye encane [futhi umphumela] yeziny' inhlobo zobuhlobo, akusi yilokhu okuqondiwe njalo.

***Ubuhlobo njengengane.*** Odokotela bathole ukuthi uma amaswane angabi nobuhlobo, angafa. Ngisho sisesezingane sakheke sadinga ukuba nobuhlobo nabazali bethu. Kuyinto elangazelelwayo; kuwukwenza kukaNkulunkulu. Banging abazali abalimaza abantwana babo empilweni ngokungabaniki ubuhlobo. Babafundisa ukuthi ukugonwa nokukhala akunto ekahle. Babafundisa ukungabonisi abakuswelayo, bengazi ukuthi abakuswelayo kuyoziveza ngendlela engalungile ngokuhamba kwesikhathi. Sonke sidinga ukususwa ngubaba. Izinjwayelo [utshwala, izidakamizwa] ezimbi eziningi zitholakala ukusuka ebuhlotsheni obuphukile nobaba.

## *Isahluko 9-Isiphambano*

**Ubuhlobo bezithandani.** Kuvamile ukuthi sizuze ubuhlobo nezithandwa zangomuso lapho sisashela, kodwa emva komshado siphathane njengezigqila. Okuncono wukuthi siqhubeke singeze ubuhlobo nokuthintana.

**Ubuhlobo noNkulunkulu.** uNkulunkulu ufuna ubuhlobo nathi. Usinike Isihlabelelo sezihlabelelo noma Isihlabelelo sikaSolomoni njengesibonelo salokhu. Bheka kumavesi 2:14, 7:13 naku 8: 6-7. NgokukaLuka 10:39 usitshela ngoMariya owathatha isikhathi ehlezi ezinyaweni zikaJesu, elalela iZwi Lakhe. uJesu wakubona lokhu kukuhle kakhulu impela!

**U buhlobo bakheka ngamazwi, ukuhlangana kwamehlo esikhathini lapho abantu bekanye.**

Ukukhetheka ngesinye sezinqumo esakha ubuhlobo. Inhlangano zombili fanele zazi ukuthi akukho owesithathu phakathi kwazo. Fanele bazi ukuthi bakhethekile nokuthi omunye uyanaka ngomunye. Abanye bakubiza ngokuthi ukuba neso elilodwa. Ubuhlobo bomshado bufana nje kahle nobuhlobo bethu neNkosi yethu.

**Ubuhlobo budinga isikhathi sokukhuluma esanele nasokulalela esanele.** Kubekhona isifiso sokuthatha isikhathi nomunye. Yenza njengesibonelo ngalomfazi owayephethe umfume we-alabaste kuNgokukaMarku 14:3. uJesu wacabanga ukuthi loluhlobo loku"lahla" kwakungasikho ukulahla eqinisweni. Wathi kuyinxenye yeNdaba Ezimnandi nokuthi lelivangeli maliveze isenzo esinjengalesi.

**Ubuhlobo budinga ukuphuma emhlanjini.** Budinga ukulahlekela komunye umuntu. LoMbusi weSicebi esasisesesisha ku-NgokukaMathewu 19 sasingabufuni ubuhlobo noNkulunkulu, kuphela esasikufuna yinkolo. Wayefuna ubucebi bakhe kakhulu ukwedlula ubuhlobo noNkulunkulu. Bheka umahluko ngoBathimewu owayengaboni ku-NgokukaMarku 10:46. Wayenakho naye athembele kukho. Ngaphezukwalokho walahla isambatho sakhe sobuceli wakholelwa wathembela ekuzilahleni ngokuphelele kuJesu .

**uMose wayefuna ubuhlobo noNkulunkulu.** uMose, lapho kwakusha khona isihlahla, wabuzwa ubukhona bukaNkulunkulu. Ngokuhamba kwesikhathi ku-Eksodusi 33 wamkhalela kuNkulunkulu ukuba ambonise inkazimulo Yakhe futhi. Wayefuna ukubona inkazimulo kaNkulunkulu noma kanjani. Sidinga ukulahlekela eNkosini sifele kuJesu, kuze singasanaki ngathi noma lokho abantu bakucabangayo ngathi.

**AmaHubo 91 achaza indawo esithekile yoMkhulu- kakhulu phezulu.** Isihlabelelo sikaSolomoni 2:14 sikhuluma ngendawo efanayo esithekile njengendawo yobuhlobo lapho abantu ababili babonana ubuso ngobuso bexoxisana.

## **Isahluko 9-Isiphambano**

Labantu abangu 120 kuZenzo isahluko 2 babezinikele bona, bazilahla bona ngenxa yobukhona Bakhe.

**"Yada" yigama eliqinile lobuhlobo.** Ku-Genesis 4:1 uthi uAdamu wamazi kuEva wayesekhulelwa. Leligama ukumazi lisho yada, igama lesiHeberu elisho ukwazana ngezinga lobuhlobo. Liyasentshenziswa futhi ku-Zaga 3:4-5 lapho lisho ukumazisa Yena ngazo zonke izindlela zethu futhi uyosiqondisa endleleni zethu. Leligama ukumazisa livela ku-yada. uJesu wathi ku-NgokukaJohane 17:3 implo yaphakade ingukumazi [yada] Yena kanye noBaba.

Ubuhlobo bakho noNkulunkulu nesithandwa sakho akuholele ekwakheni ubunye, Ababili eqinisweni bayatshintsha babengoyedwa. uJesu watshintsha wabayisono enzela thina, thina singashintsha sibe munye kanye Naye.

**Sifanele siphume emhlanjini.** Thatha isiphambano sakho kumabandla, abangane, umndeni, amasiko nokuziqhenya. Khonza iNkosi ngokuzithoba, nangokuyazi, ugobe ngaphambi kwaKhe

Esifundweni somful' ogobhozayo sithathe isiphambano sethu kuzono zokungaziphath, entandweni yethu nasekuhlakanipheni kwethu. Lokhu kuya ngokujula kuzo zontathu izindawo. Ukumelana namahloni esiphambano, ulahlekele kuNkulunkulu.

Uma uNkulunkulu asungula ubuhlobo, okwethu okusimele ukumdumisa. Ungcwele, ungcwele [Isambulo 4:8-11]

Ku 1Samuweli 1-2 uHannah wazilahlela ekuthotshisweni futhi eqinisweni wathotshiswa ngoba wayelambele uNkulunkulu. Wayesephelele yithemba. Lomfazi owathinta inxenye yengubo Yakhe wathotshiswa, kodwa wayesephelele yithemba [NgokukaMathewu 9:20]

### ***Ubuhlobo yisu likaNkulunkulu lokudlulisela isivumelwano segazi.***

Ubuhlobo bufaka ukushintshana ngamazwi phakathi kwabantu ababili. Kufaka ukulalela omunye. Khumbula uJesu akusho kubantu ku-NgokukaJohane 6:63. "Wumoya ophilisayo, inyama ayilethi lutho. Lamazwi engiwakhuluma kini angumoya futhi ayimpilo" [NgokukaJohane 6:63].

Sizijwayeza ubuhlobo noNkulunkulu ngokunika Yena amazwi ethu nangokuthatha iZwi Lakhe. Lokhu kuzenzela kona ukuhambisa njalo igazi lesivumelwano lize kithi.

### ***Akufanele sizenze amazimu ngokuzisika emikhonweni yethu ukuze sibe nesivumelwano segazi noNkulunkulu!***

Amazwi ayisigijimi sokukhulumisana phakathi kokwemvelo nakomoya emihlabeni. Amazwi aqukethe "igazi likaMoya".

## ***Isahluko 9-Isiphambano***

Okuyiyona kuphela indlela isivumelwano segazi singenziwa phakathi kwabantu ababili, omunye abe esezweni likamoya omunye abe esezweni lendalo, kungamazwi kuphela.

KuNgokukaLuka 4:4, “uJesu wamphendula kuye, ethi, kulotshiwe ukuthi ‘akusinkwa sodwa esingaphilisa umuntu, kodwa ngalo lonke iZwi likaNkulunkulu.”

KubaHeberu 4:12 uthi, “Ngalokho iZwi likaNkulunkulu liyaphila futhi linamandla libukhali ukwedlula inkemba esika nxa-zonke, lihlaba ngisho nasekwahlukaniseni umoya nomphefumulo, ngisho namalungu nomkantsha, futhi lihlolisisa imicabango nenhloso zenhliziyi.”

**uJesu uyileloZwi.** Ubekhona futhi uyibhuloho. KuNgokukaJohane 1:1-3 uthi, “Ekuqaleni kwakukhona iZwi, leloZwi lalinoNkulunkulu, lalinguNkulunkulu leloZwi. WayenoNkulunkulu ekuqaleni. Zonke izinto zadalwa ngenxa Yakhe, futhi ngaphandle kwaKhe akukho nokukodwa okukhona okwakungabakhona.”

KuNgokukaJohane 15:7 uthi, “Uma uhlala Kimi, namaZwi Ami ahlala kuwe, uyocela ongakucela, futhi uyokunikwa khona.”

KuNgokukaJohane 8:51 uthi, “Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, uma umuntu egcina iZwi Lami, soze wabhubha.”

### **Amandla kaNkulunkulu aseduze kwethu!**

KubaseRoma 10:8-11 uthi, “Kodwa kusho ukuthini na, ukuthi? ‘[iZwi, liseduze kwakho, ngisho emlonyeni nasenzizweni yakho’];lokho yilezwi leqiniso esilishumayelayo; Ngoba uma uvuma iNkosi uJesu, ukholwe enhlizweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafuleyo, uzosindiswa. Ngoba ngenhliziyi umuntu uyakholwa kube ngukulunga, futhi ngomlomo avume kube ngukusindiswa. Ngoba uthi umbhalo, ‘Onke othembele Kuye kayikudumala.’”

“Ngoba ngamazwi akho uyakwahlulelwa, futhi ngamazwi akho uyakuhlala”[NgokukaMathewu 12:37].


Yiba nesikhathi noNkulunkulu unike iZwi Lakhe ukubusa. Lokho kuyokukulethela kokubili, ubuhlobo nokutshintshana!

### **Sifuna izinto zenzeke ngokushesha. uNkulunkulu uthi ufuna sibe nokubekezela.**

uJesu wabunqoba bonke ubuhlungu esiphambanweni, kepha inkohliso inamandla. Usathane uyokwenza konke okusemandleni akhe ukuba atshontshe lokho okuzayo kuwe. Uyokuphumelela uma unokubekezela ume!

**Izikhali ziyadingeka. Azitholakali kalula!**

Siyathandaza, siyadumisa, futhi sima ezithembisweni zeNkosi,  
“Haleluya,Siyabonga Jesu,ukusisindisa thina!”



**Kuthatha isikhathi kanye nokuthembeka kwakho futhi.** Ezikhathini eziningi, ukwamukeliswa inzuzo yesiphambano kuhlenganiswe nezikhathi zokulingwa, ukubekezela neziny’ indlela zokuhlupheka engcondweni, lapho uzwa kwangathi uNkulunkulu soze akuphumelelise kulesimo okuso.

uJakobe 1:2-4 uthi, “Bafowethu, thatha konke ngenjabulo uma ungena emilingweni eyahlukahlukene, wazi ukuthi ukuzanywa kokukholwa kwakho kwakha ukubekezela. Kepha nika ukubekezela kusebenze ngobumsulwa bako, ukuze wena ulunge futhi upheleliswe, ungasweli lutho.”

KuNgokukaLuka 8:8 kanye no 15 uthi, “Enye imbewu yawela emhlabeni omuhle yase imila, yazala izithelo ngamakhulukhulu. Kwathi lapho esesho lezi zinto, Wadabuka, Onezindlebe zokuzwa, makakuzwe lokhu.[15] Kepha leyo ewele emhlabeni omuhle yilabo, abathembekile nabanenhliziyi enhle, abathe ukulizwa Izwi, baligcina ngokubekezela laze lathela isithelo.”

KuSambulo 12:11 uthi, “Futhi bamehlula kuye[omubi] ngenxa yegazi lewundlu, nangezwi lobufakazi ngemilomo yabo. Futhi abathandanga izimpilo zabo kuya ekufeni.”

**Ukulinda kuyasihlambulula kithi.**

1kuPetru 1:6-7 uthi, “Nifanele nijabule kakhulu kukho konke lokhu, nanoma manje okwesikhashane niyodabukiswa yizilingo nokuhlupheka,ukuze ubuqobo bokholo lwenu buhlolwe, lokhu kuhle kakhulu kunegolide elonakalayo ngoba lingadlulanga emlilweni lalungiswa.Loku kulingwa kokholo lwenu kuqonde ukuveza udumo nenkazimulo nenhlonipho lapho uJesu Krestu uMhlengi wethu sonke abonakaliswa.”



**Isiphambano siyiqiniso eliphelele, kepha amanga anamandla.**

Sidinga ukuhlakanipha. Ukuhlakanipha kuwukwazi nokubambelela eqinisweni lokuthi isiphambano sikaJesu samunca bonke ububi nakho konke okwenzakalayo ukuze kube yisibusiso. Umthetho womhlaba [gravity] uthi konke okuya phezulu kufanele kubuye phansi. Umthetho wokutshintshana nomthetho kaMoya wempilo kaKrestu uJesu [KwabaseRoma 8:1] uthi bonke ububi banqotshwa manje sekuyisibusiso kuphela, Uma ukholwa.

**Ukuhlakanipha kuwukwazi ukuthi igazi likaJesu lamnqoba usathane.**

“Ngokuba abantwana bayinyama negazi, Naye waba ngumuntu ukuze ngokufa Kwakhe ashabalalise loye obambe amandla okufa—usathane, umdukisi—akhulule labo izimpilo zabo zazigcilizwe wukwesaba ukufa” [KubaHeberu 2:14-15].

**Kufanele sitshintshe izinkinga zethu zibe yinzuzo.**

Kufanele sithathe lokhu okubonakalayo ezinkingeni zethu sisebenze ngakho kulethe isibusiso. Elinye igama lalokho ukuxolelana, okusho ukuthi ukutshintsha into ebizitha ibe ngumngane.

**Ukulindela uNkulunkulu ngumbhalo wempilo.**

Kufanele sizazi ukuthi sikuphi embhalweni. Lokho kuzokwenza ukuhlupheka kuphatheke. Yebo, uJesu uzobuya emhlabeni ngeliny’ ilanga, kodwa uzoza kuwe khona manje ukuzoguqula izinkinga zakho zibe yizibusiso. Ulsaya 64:4 uthi, “Ngokuba kusukela ekuqaleni komhlaba abantu abezwanga noma bamukele ngendlebe, futhi neso alimbonanga uNkulunkulu ngaphandle kwaloyo osebenzela ukumlinda Yena.”

**Sinasiqiniseko sini ukuthi lokhu kuzosebenza?**

Ukuvuka Kwakhe kuyisiqiniseko sethu. Uma uJesu engavuswanga, ubungeke ube nalo ithemba. Iqiniso lokuthi uvukile kwabafuleyo lihlangene nokubonakala kwezinkinga zakho, ukuthi soze zakulimaza uma uzimisele ukuba yisithunywa sotshintsho kuNkulunkulu.

**uJesu uyisiqiniseko sethu.** Sinasibindi sini sokuthi sokwamukeliswa isithembiso esibhekeka sinzima ukugcwaliseka? Wafunga ngaYe mathupa! KubaHeberu 6:15-20 kusikhombisa ukuthi uNkulunkulu wangena esifungweni sokuthi Yena soze aqambe amanga. Akusi wukuthi usinike isithembiso kuphela, kodwa ngaphezu kwalokho wafunga,

okusho khona ukuthi wathi, “Ngiyafunga empilweni Yami nangempilo Yami ukuthi ngizosifeza lesisithembiso engisenzayo. Bамbelela kuso ubalekele ethembeni leZwi. Lelithemba liyisisekelo ofanele ubambelele kulo, futhi lihlala ebukhoneni Bami.”

## Isahluko 9-Isiphambano

Lesi yisibindi sethu. Yikho esazingakho ukuthi izithembiso zikaNkulunkulu ziyokwenzeka. uNkulunkulu wafunga ngaYe, ngokuba angenaso esinye isidalwa esingaphezulu angafunga ngaso. Wathi uma singagcwaliseki lesi sithembiso, wathi Yena uzofa. Yebo wafa, ngoJesu esiphambanweni. uJesu wathatha isiqalekiso sethu ukuze thina sithole konke ayikho nako konke anakho. Ngitusa onke umfundi ukuba afunde KubaHeberu isahluko 6 ngalengqikithi yendaba.

### Ukuvuka kukaJesu yisiqiniseko sethu!

#### Nayi indlela elula yokukhumbula yonke lendaba ngaphandle kokuhlupheka



KuEksodusi isahluko 4, uMose wayengenasiqiniseko ngalomsebenzi uNkulunkulu ayemnike wona. uNkulunkulu wamtshela ukuba alahle linduku ayeyiphethe esandleni sakhe. Uma ekwenza lokho, yaphenduka inyoka. Ngako uNkulunkulu wamtshela ukuba ayithathe futhi lapho yabuyela ekubeni yinduku yakhe futhi. Lona nguwo onke lombiko uhlangene. Lenduku iyiliZwi. LeloliZwi futhi nguJesu owaba yisono sethu esiphambanweni [inyoka] Lapho uMose ephakamisa lenyoka embi, yaphenduka yaba yiZwi noma isibusiso. uJesu wabumunca lobobubi enyokeni wabenza baba yisibusiso.

Ngenxa yesiphambano sikaJesu singaba neqiniso ngabo bonke ububi esibuthinthayo ukubuguqula bube yisibusiso. NgokukaMarku 16:18- futhi niyokubamba izinyoka soze zanilimaza kodwa ziyophenduka usizo kini.



Induku-izwi-uJesu



yaba yisono-inyoka



uma sithinta  
ububi,buphenduka izwi,

# Isahluko 10

## Insindiso

Umoya ongcwele ngamandla kaNkulunkulu esisindiswa ngawo empilweni zethu. "Kwathi lapho eseza, usathane wamhlaha phansi, wamhlukubeza. uJesu wasewukhuza lomoya omubi, wayiphilisa ingane, wayinikeza kubaba wayo futhi. Bonke ababelapho bamangala amandla angaka kaNkulunkulu" [NgokukaLuka 9:42, 43a].

Ethestamenteni elisha, umoya ongcwele ubizwa kakhulu ngokuthi Umunwe kaNkulunkulu. "Kodwa uma ngxosha amadimoni ngomunwe kaNkulunkulu, kusho ukuthi –ke umbuso kaNkulunkulu usufikile kini" [NgokukaLuka 11:20] . Ujesu ukubeke sobala ukuthi uxosha amadimoni ngomoya ongcwele.

Izitha zethu zikamoya zivame futhi zithanda ukuvimba amakholwa ekugijimeni umncintiswano onempumelelo noNkulunkulu ngokufafaza amanga angelutho kumakerstu. Ngakho ngokujwayelekile amakholwa athweswa isono nemithwalo ngusathane namadimoni akhe. Siyavumelana ukuthi ikholwa lingeke "laphathwa" idimoni, Kodwa ngiyakwazi ukuthi lingacindezelwa noma lidukiswe yidimoni. Akusho lutho ukuthi idimoni lihlala kuphi empilweni yekholwa; okumqoka kakhulu ukuthi sifanele sazi ngawo [amadimoni] ukuze siwasuse empilweni zethu, nanoma ngabe aphi nendawo emizimbeni yethu.

### **1.Yini amadimoni nomoya omubi, futhi ungubani usathane?**

a. Usathane ubeyingilosi enkulu –uLusifa. Ubephethe kwezokudumisa uNkulunkulu. Njengokusho kuka-Ezekiyeli 28 neminye imibhalo, ubengumgcotshwa omkhulu, eqinisweni wayenzwe waba nomculo phakathi emzimbeni wakhe. Wayekhona ensimini yase –Edeni kanye no-Adamu no-Eva. Wayemuhle impela. Waphiwa ikhono elikhulu kwezohwebo nokudayisa. Nguyenena uqobo owadala indlela yokuziganyisa ngokwenza abanye izingqila. Uyaziqhenya kakhulu, uzibona ngisho nobuhle bakhe. Uhlakaniphe kakhulu futhi uyiqili. Futhi uhlala ehlelekile.

b. uLusifa waphendukelana noNkulunkulu wathatha inxenye yesithathu 1/3 yezingilosi. Wazihlela ngohlelo lwempi ukuba zibe njengombuso mbumbulu kaNkulunkulu [ KwabaseEfesu 6]

c. Usathane manje uyinkosana yomhlaba [NgokukaJohane 12:31].

d. Abanye bathi amadimoni yizingelosi ezawa, abanye bathi yimimoya eyalahlekelwa imizimba yayo mhlawumbe ngezikhathi zasendulo ko-Adamu [pre-Adamic race], noma mhlawumbe kokhokho bethu. Imibhalo ayisiqondisi ngalezizinto. Nomakanjani , izingilosi azikaze zenzelwe ukuhlala kubantu.

## **Isahluko 10-Insindiso**

Ngiyakholwa ukuthi kungahle kube khona kokubili: leyo mimoya eyayizingilosi esebusa nosathane manje, naleyo mimoya eyalahlekelwa imizimba yayo esehlala kubantu manje. Anginaqiniso, lokhu yimicabango nje. Nomakanjani, leso sifaniso kasimqoka neze. Leligama idimoni yigama elisuselwe ku-“daimon, loko okusho ukuthi “ukwazi” noma “onolwazi”.

e. Isimilo sayo yonke lemimoya esikhulume ngayo lapha ingcolile kakhulu. Isichazimazwi i-*Vines\_Dictionary* [3] sithi, amadimoni yizithunywa zikamoya eziyizithixo. Lesithixo kwasona asisilutho, kodwa sonke isithixo sihlanganiswe nomoya omubi kuso odukisela abantu ezithixweni, ngokukhonza nemihlatshelo yawo, 1 KwabaseKorinte 10:20-21; Isambulo 9:20. Asakaza amaphutha kubantu, futhi azimisele ukudukisa amakholwa, 1KuThimothewu 4:1. Njengemimoya edukisayo adukisa abantu ukuze bacabange ukuthi ngemikhathi yawo bangaxhumana nezidalwa esezafa. Lokho akwenza ngaphansi kukasathane, amadimoni anemvume yokufaka izifo emizimbeni yabantu, NgokukaLuka 13:16. Njengoba angcolile afaka abantu imicabango engcolile, NgokukaMathewu 10:1. Ahluke ngamazanga okukhohlisa, NgokukaMathewu 12:45. Ayokudukisa ababusi bezizwe ukuba ekugcineni kwalezi zikhathi bakhethe ukulwa noNkulunkulu noKrestu wakhe, Isambulo 16:14.”

### **2. Enzani amadimoni?**

Njengokusho kukaNgokukaJohane 10:10 ayabulala, atshontshe futhi one. Konke akwenzayo kuwela ngaphansi kwalezizinhloso ezintathu.

a. Ukubulala. ukubulala kwawo kuhambelana nokubhubhisa kwaphakade, futhi nokufa kuyo lempilo lena esiyiphila manje.

b. Ukutshontsha. Ayizitshontshi. Atshontsha intando kaNkulunkulu kuwe. Atshontsha iZwi likaNkulunkulu enhlizweni yakho. Atshontsha ubusha bakho, ukuphileka, ukuthula, nezinto zakho onazo.

c. Ukona. Ayayona impilo. Ayona ngezidakamizwa nokugula. Adiliza imindeni. Ayidiliza ngodlame, nokunukubezwa koncansi nezifo ezibulalayo njenge AIDS.

### **3. Azigwalisa kanjani izinhloso zawo kumuntu?**

a. Ayakhohlisa [NgokukaMathewu 4:1]. Inhloso wukukuhlukanisa noNkulunkulu ngokukwenza kwangathi uzimele.

b. Akhuluma nemicabango yakho [2KwabaseKorinte 10:4]

c. Acaphela isimo sakho [2KwabaseThesalonika 2:9]

d. Atshontsha iZwi ukuze amakholwa alahleke angatheli isithelo [NgokukaMarku 4].

## *Isahluko 10-Insindiso*

e. Akhohlisa abantu ukuthi bakholwe ukuthi amadimoni nemimoya emibi akukho. Ngokujwayelekile asebenzisa abantu ababhekeka belungile benganacala, kwezinye izikhathi amakholwa. Sengike ngahlangana nabantu emabandleni abakhohliswe ngamadimoni, abake bangitshela ukuthi amadimoni nakho konke okwamandla omkhathi akusiyiqiniso. Bafakaza ukuthi ububi yinto nje abantu bazenzelayo.

f. Akusekela ukuthi wone ukuze abe namandla empilweni yakho uJesu abenamandla amancane kuwe. Inkokhelo yesono wukufa [KwabaseRoma 6:23]

g. Anamanga, athwesa abangenacala icala [NgokukaJohane 8:44 naku 2KwabaseThesalonika 2:9-10]. Bamthwesa noJesu icala bathi unamadimoni. “Ngoba uJohane weza angadli angaphuzi, bathi, Unemimoya emibi” [NgokukaMathewu 11:18]. “Nababhali abehla bevela eJerusalema bathi, unoBelzebule, ukhipha amadimoni ngalengosana yobubi” [NgokukaMarku 3:22]

h. Athatha similo somthetho wenkululeko kohluphekayo basinikeze umqindezeli.

i. Anika abantu amandla okusebenzisa amandla abo. Umculo weRock, ukuma kwezinkanyezi [horoscope], nezibikezelo zenhlanhla, njalonjalo.

j. Ahlupha abantu empilweni, emizweni nasengcondweni.

k. Agqilaza asebenzise umuntu kungentando yakhe.athatha amandla entando yomuntu, ukucabanga kwakhe nemizwa yakhe, akhone ukwenza imisebenzi yawo ngalomuntu. Enza umuntu abe namanga akholwe ngamanga awo.

l. Abusa ngokungemthetho, aphikisana nomthetho weqiniso.

m. Usathane unemisebenzi-mbumbulu eminingi kaNkulunkulu. Akalona iqiniso, akukho akudalayo, kuphela uyalingisa akhohlakalise lokho uNkulunkulu akwenzayo.

n. Usathane ubizwa ngokuthi nguBelzebule, okusho ukuthi inkosi yezimpukane. Izimpukane ziphaphela esilondeni nje, lokho yikona qobo amadimoni akwenzayo. Ahamba afunana nabantu abalimele; abantu abanomoya wokwenqaba nje kalula, abese ehlala kubo. Impendulo wukuthi uvumele ukwelashwa kukaNkulunkulu okungaphakathi kwakho owanikezwa kona nguJesu.

### **Izenzo-mbumbulu usathane azisebenzisayo:**

Usathane uyakhona ukwenza into eyisimanga yenzeke. Wenze amanye amakholwa ukujabulela imisebenzi yamandla akhe. Wenza abanye babe nokwesaba izimangaliso baze balahlekelwa umsebenzi ogcwele kaMoya Ongcwele.

Ziningi izindlela zokuhlola esingazisebenzisa ukuhlolisisa umsebenzi kaMoya Ongcwele kunomoya omubi nowamadimoni. 1KwabaseKorinte 14:33 ukhuluma ngomoya odidayo [odukisayo]

uMoya Ongcwele awenzi indida [circus]. uMoya Ongcwele ukhona ukuzokwenza uJesu abe yiqiniso kithi. Umsebenzi kaMoya Ongcwele uhambisana njalo nemibhalo. uMoya Ongcwele udumisa uJesu uqobo kungasi “ngomunye uJesu” [2KwabaseKorinte 11:4]. Izinkolo nemilingo akuvumi ukuthi uJesu wazalwa yitshitshi, nokuthi ubenguNkulunkulu enyameni, nokuthi ubenguYe kuphela iNdodana kaNkulunkulu, nokuthi wavuswa kwabafileyo. Lokhu nguwona mugca ohlukanisayo [1NgokukaJohane 4:2-3]

#### **4. Ezinye izibonelo zokusindiswa nokuthi amadimoni asebenza kanjani.**

a. uJesu uxosha idimoni ngokukholwa kukanina. [NgokukaMark 7:29]

b. Indoda eyayinedimoni yase Gadara yasindiswa, lapho amadimoni adlulela ezingulubeni [NgokukaMark 5:1-20]

c. KuNgokukaMathewu 9:32-33 isimungulu saqala ukukhuluma emva kokuba likhishiwe idimoni.

d. KuNgokukaMathewu 10:7 uJesu wanika abafundi baKhe amandla okukhipha amadimoni.

e. KuNgokukaMarku 9:17-29 lomoya wokungakhulumi wawukulendodana kwasebuncaneni bayo.

f. Incwadi yeThestamente Elidala inezinhlobo zezithunzi zokuthi idimoni lisebenza kanjani. Bheka ku-AmaHubo 10,56,59,64 nakwamanye amaningi. Ezinye izibonelo ezinhle yizimpi eziku-Thestamente Elidala, Izizwe nabantu njengo Jezebeli noBhalamu. Funda lezizindatshana bese ubheka amadimoni kuzitha zikalsrsyeli.

#### **5. Amadimoni athola kanjani isibambelelo empilweni yakho.**

a. Ngesono sakho. Lonk' uhlobo lwesono linika amadimoni amandla, kodwa esinye esikhulu kakhulu ngubufebe. Isenzo sobufebe sihlanganisa abantu ababili ngokomoya ngendlela ebaluleke kakhulu.

b. Isono sohlanga. Amadimoni alandela imindeni ngenzalelwano, futhi kuyilapho anemvume yokufaka isifo esifanayo noma isiqalekiso emindenini [lowo ngumthetho wobundlalifa]. Inkolo zamadimoni zisukela ekukhonzeni okwakhonzwa ngokhokho ukudlulisela iziqalekiso noma ekuholeni imindeni yabo. Akhohlisa abantu, ngisho

### ***Isahluko 10-Insindiso***

namakholwa, ukuthi bakhokhele okuthize kunyanga-mthakathi ukuze baphephe. Abanye baze ngisho bathenge namanzi okuphuza[athakiwe] noma impahla, loko kube yindlela yokukholwa kwabo ukuthi bayokwamukeliswa izibusiso nokuvikeleka. Labo bantu bakholwa ukuthi ngokuthintana nokuxhumana nemimoya yalabo abangasekho bayokubusiswa futhi babe nokuvikeleka kokubi.

## *Isahluko 10-Insindiso*

Ngokweqiniso, kuvela okungalindelwe. Baphenduka iziboshwa kulesitha sempilo zabo, usathane!

Imicimbi eminingi njenge Mardi Gras e-Amerika yenzelwa ukubhebhethekisa iziqalekiso ezifundeni. Kwesiny' isikhathi inhlango zemindeni ziyasentshenziswa ngamadimoni ukubhebhethekisa iziqalekiso. Ivudu [voodoo] namanye amasiko konke kunemicimbi yako. Iziqalekiso zohlango yisona senabelo nendlela enamandla amakhulu amadimoni ahamba ngayo. Imimoya yohlango ivame kakhulu ukusentshenziswa kwabasebancane emindenini njengesiko lomndeni. Lesi yisikhathi lapho kungabonakala kahle ubumbuka. Uma angaphumeleli lapho, ayophinda futhi azame ngokuhamba kwesikhathi.

Lesisixwayiso ngesalabo abafunayo ngempela ukukhululeka, ukukhululeka kwangempela. Qaphela labobantu emndenini abazenza kwangathi bakahle kangangokuthi bazama ukubusa nokuhola impilo yakho, noma impilo yabantwana bakho. Ngingafakaza kwamina kulokhu. Qaphela ukuthi uvumela uMoya Ongcwele, nombhalo wawo ogcotshiwe ngokomthetho, ukuba ubuse impilo yakho neyabantwana bakho.

c. Isono emhlabeni. Lomhlaba ugcwele ngesono esikhuthaza imisebenzi yamadimoni.

d. Ukusindwa, noma ukucindezeleka ongakuthola komunye umuntu. Indlela ejwayeleke kakhulu ukusentshenziswa ngamadimoni ukonwa kwecansi lapho umuntu esemusha okuyolimaza impilo yakhe yonke. Ukusindwa akubi yisono osenzile, kodwa ukucindezelwa ngomunye ngesono sakhe.

e. Ngesithixo empilweni yakho. Isithixo kungaba noma ngabe yini oyibona ibaluleke kakhulu ukwedlula uNkulunkulu. Kungaba wumuntu, noma injwayelo, isiko, noma mhlawumbe isonto lakho. Lokhu kufaka izidakamizwa kanye notshwala.

f. Ukuvukela umbuso. Uma umuntu angazinikeli kuJesu njengeNkosi yakhe, lowo muntu, njengephutha, uyokubuswa ngokunye okukhona. Usathane wamdukisa u-Eva, u-Eva wadukisa u-Adamu. U-Adamu wayanelungelo lokumbusa usathane kodwa akakwenzanga. u-Eva, ngenxa yalokho, wenza okungemthetho no-Adamu wangalisebenzisi ilungelo lakhe lokubusa likaNkulunkulu. Isono sohlango sikhombisa ukuthi ilungelo [ubukhosi] nesono kukanye-kanye. Ngokusobala, bobabili babefanele ukuthobela Izwi likaNkulunkulu [Isihlahla sokuphila]

g. Amakholwa angabasengozini. Uma siba namadimoni ngaphambi kokuba size kuJesu, kufanele kube nesikhashana eside ngaphambi kokuba sithole insindiso. Abanye abayitholi insindiso ngenxa yokuthi abafuni ukuveza konke kwasemuva kuJesu.



## **Isahluko 10-Insindiso**

Ngokusobala ikholwa alisoze “lakhwelwa” yidimoni, kodwa lingadukiswa. Akusho lutho noma singasebenzisa waphi amagama, ukhwelwe, udukiswe, ucindezelwe noma kanjani. Kepha okudingekile wukuthi sazi ukuthi singayisusa kanjani lemisebenzi yawo empilweni zethu.

Lombhalo lona usikhombisa ukuthi sisesengozini noma sesikholwa. “Kepha umoya usho ngokucacile ukuthi ngezikhathi zokugcina abanye bayakuhlubuka ekukholweni, benaka omoya abadukisayo nezimfundiso zamadimoni” [1KuThimothewu4:1] “Zibambeni nihlale niphapheme, isitha senu usathane sizingela njengebhubesi elilambile lifuna lowo elingamdabula limudle” [1KaPetru 5:8] “Kepha nginokwesaba ukuthi njengo-Eva wadukiswa yinyoka ngokuhlakanipha kwayo, ngakho kanjalo nani nengcondo zenu ningadukiswa ekuthembekeni kwenu nasekuzinikeleni kwenu kuKrestu. Ngalokho uma umuntu eza kini eshumayela uJesu okungesuye lowo Jesu esimshumayelayo, noma uma umukeliswa umoya okungesiwo lowo owawumukelayo Kuye, noma elinye ivangeli kunaleli olamukele, ube usulithatha kalula kanjalo” [2KwabaseKorinte 11:3,4]

Abanye bathi igazi likaJesu livikela amakhholwa. Ngithi Yebo futhi Qha. Legazi lisivikela kuphela uma singamakhholwa athembekile. “....labo abakhethwe ngokwaziphambili kukaNkulunkulu uYise, ngokungcwelisa kukaMoya kukho ukulalela nokufafazwa ngegazi likaJesu Krestu: Makwandiswe kinina umusa nokuthula” [1KaPetru 1:2] Amakhholwa ayayidinga insindiso.

### **6. Yini ongakwenza.**

Uma usathane adukisa u-Eva no-Adamu ukuba bone, wathola indlela yokubusa lonke uluntu emhlabeni. Usathane unamandla ukwedlula umuntu nje. Njalo-nje uma kungasentshenzwanga kwaqedwa ngesono, usathane uyabusa. uJesu wathwala izono zethu esiphambanweni wahlawula ecaleni lethu. Uma silazi lelo qiniso sisebenzele ekuthembekeni kulo, sizokhululeka kusathane namadimoni akhe.

Insindiso ayisho kanjalo sonke isikhathi ukuthi uhlukunyezwe ngokubekwa izandla ngodlame, noma lokho sekujwayelekile futhi kwenzeka kakhulu. Zikhon’eziny’ izindlela. Singazisindisa thina.

- a. Thembeke. Vuma [hlanza] izono zakho. Zama ukubaneqiniso nokuthembeka noma kanjani. Uma uqamba amanga uvuma ukuthi usathane ubaba wakho.
- b. Hlukana nanoma ngabe yini owake wayenza noma wayiphila ehambisana namadimoni: umculo, okuhambelana nobufebe[porno], iTV, amabhayisikopo, uphuzo oludakisayo, amasiko, ukuma kwezinkanyezi zokuzalwa, quija boards [umdlalo okhulumayo oxhumanisana nemimoya emibi], izangoma noma abapholofithi, umdlalo wamaphepha [cards game], nokunye njalo-njalo.

## *Isahluko 10-Insindiso*

c. Hlukana nanoma ngabe yiziphi izibopho zobuhlobo ezihambisana nokudluliselana kweziqalekiso. Singayithanda imindeni yethu ngaphandle kokungenelela eziqalekisweni zayo.

d. Hlala eduze noJesu ngomthandazo, iZwi Lakhe, khetha abangane, nezinhlalo zamabandla. Zigcine njalo ucabanga izinto zikaNkulunkulu. Ingcondo kuyilapho impi ilwa khona.

e. Yiba lula kukho konke uNkulunkulu afuna ukukusindisa kukho. Langazelela ukubamsulwa ungamkhetheleli uNkulunkulu, Unendlela eziningi angakukhulula ngazo. Inhloso Yakhe ukukhulula wena [NgokukaLuka 4].

f. Kwesinye isikhathi abantu bayasindiswa emadimonini bese kuthi bona bangazigcwalisi ngeZwi likaNkulunkulu nempilo engcwele. Kuzehlakalo eziningi lamadimoni abuya kasikhombisa kube kubi impela. Kubalulekile ukuthi uthole imiyalo kaNkulunkulu emva kokuba usindiswe. “Uma umoya omubi uphumile kumuntu, uhamba ezindaweni ezomile ufuna ukuthola ukuphumula. Lapho ungayitholi, uthi, ngizobuyela endlini yami engaphuma kuyo. Kuthi lapho ubuya umoya omubi, uthole indlu ishanelwe futhi ihlotshisiwe. Bese uhamba umoya omubi uyolanda abanye omoya ababi abayisikhombisa ababi ukwedlula wona, uma befika lapho, bahlale khona. Isimo salowo muntu siba sibi ukwedlula sasekuqaleni” [NgokukaLuka 11:24-26]

Nanoma, ikhona indlela ephephile nesebenzayo yokusindiswa. Izwi likaJesu lixosha usathane ku-NgokukaMathewu8:16. Lingenza okufanayo nakuwe. Nami kwamina ngiyayifakazela lendlela. Uma ucitha umgqomo ngaphambi kokuba uwugcwalise, akuphindi kube nengozi yokuthi kube khona indawo engacashisa okunye okungadingeki. Kanjalo futhi, uma uzigcwalisa ngeZwi likaNkulunkulu, kungabi kuphela ngokukhishwa kwamadimoni, akuphindi kube khona indawo lapho amadimoni angahlala khona ngoba kuneZwi.

“Lithe seliyoshona ilanga, kwalethe Kuye abaningi ababanjwe ngamadimoni. Wayixosha leyomoya yamadimoni ngeZwi, waphilisa bonke abagulayo” [NgokukaMathewu 8:16]. Ukuzigcwalisa ngeZwi kuyoxosha onke amadimoni empilweni yakho.

Ngifisa manje ukunxusa wonke umfundi ukuba acabange ukuzinikela kulendlela. Noma ungakholwa ukuthi unazo izinkinga, impela awazi ngokweqiniso.

Yenza lokhu nje. Cabanga enhlizweni yakho ukuzigcwalisa ngeZwi likaNkulunkulu ligobhoze. Zithele ngeZwi noma ngayiphi indlela ongakhona ukwenza ngayo. Funda imibhalo, lalela okucoshiwe [tapes] khumbula njalo iZwi ngengcondo, malihlale emlonyeni wakho, lisho njalo ubusuku nemini. Lihloniphe iZwi. Mawenze lokho elikushoyo. Kanjalo iZwi liyoxosha yonk’ imimoya engalungile empilweni yakho.

## *Isahluko 10-Insindiso*

- g. Gcwaliswa ngoMoya Ongcwele ukuze ube namandla okunqoba [Izenzo 1:8]
- h. uJesu usinike amandla nelungelo lokuxosha amadimoni [NgokukaMarku 16:17]
- i. Singwabona amadimoni empilweni yethu uma sihlala eduze noJesu njalo. Akusikho konke ukugula noma ububi okuza namadimoni. Izinkinga empilweni noma izindlela zokuphila kungaletha ukugula noma ububi. Ukuziphatha kabi kungaba “inyama” yethu. Nanoma, uma ngabe kukhona inkinga eyayekwa yangaxazululwa ingawangenisa amadimoni. Kufanele siqaphele ukuziphatha okuphoqelelayo, imikhuba esingekke sakhona ukuyikhawula, inkanuko, uvalo nokucindezelwa yimizwa. Ungavumeli ukudangala kwenhliziyo kuye phambili ngaphandle kokuthola uncedo. Ungayibekezeleli imizwa yokuzibulala, yokona noma ukubulala. Ungazami ukufihla imizwa yobungqingili [homosexual] nokulalana okungemthetho, ngisho nokuzilala wena. Thola uncedo!

### **7. uNkulunkulu wabushabalalisa ububi.**

Kusho ukuthini ukuthi, uNkulunkulu wambhuqa usathane? Lisinika kanjani igazi likaJesu amandla?

“Njengoba abantwana banegazi nenyama, Naye waba ngumuntu ukuze ngokufa Kwakhe ambhuqe lowo onamandla okubulala---okusho ukuthi, usathane--- ukuze akhulule labo impilo zabo zonke ziboshwe ebugqilini bokwesaba ukufa” [KubaHeberu 2:14,15]

“Manje uma safa no Krestu, siyakholwa futhi siyophila kanye Naye. Ngoba siyazi ukuthi njalo ngoba uKrestu wavuswa kwabafuleyo, angeke asafa futhi okwesibili; ukufa akusenasabelo Kuye. Lokufa owakufa, wafa kanye esonweni afela bonke abantu; kepha lempilo ayiphilayo, uphila kuNkulunkulu. Ngendlela efanayo, zibale nawe ufile esonweni kodwa uphila kuNkulunkulu ngoKrestu uJesu” [KwabaseRoma 6:8-11].

Lawamavesi asho ukuthi usathane “washabalaliswa.” Kusho ukuthini lokho eqinisweni? Kodwa manje ubhekeka kwangathi uyazulazula wenza umsebenzi wokushabalalisa abanye.

Ukushabalalisa kusho ukwenza amandla akhe angabi namsebenzi. Wakwenza kanjani uJesu lokho? Usathane usalokhu egijima ezulazula eshabalalisa abanye. Lapho uJesu evuswa, Waba yizibulo lesizwe esisha. uJesu wafaka imvelo entsha kuwe lapho azalwa kabusha futhi. Lemvelo lena ingaphezulu kukasathane namadimoni akhe. Usathane namadimoni sebevele babulala imvelo yokuqala ka-Adamu, ngoJesu esiphambanweni. Usathane namadimoni abasenamandla kulesizwe esisha, konke nje abangakwenza ukuqamba amanga kithi.

### *Isahluko 10-Insindiso*

Lapho uJesu evuswa, amadimoni awabanga namandla Kuye. uJesu ufake lempilo leyo kuwe.

Leligama shabalalisa[destroy] licazwa kanje ku-Strong's concordance;

1] Ukungabinamandla, ngasebenzi, nganyakaziyo, ngasebenziseki

1a] Ukwenza umuntu noma into ingasabi nasizo ukuya phambili.

1b] Ukuqeda umfutho, isithunzi, namandla.

Nasi isibonelo esihlekisayo esingasiza ukuba sikhumbule sibone nesithombe sokuthi "ukushabalalisa" kusho ukuthini.

Masenze kwangathi wena uyikati. Nenja enkulu, emele usathane, iyakuhlupha lenja, ikugijimisa njalo, ikwenza uhlale ucashile, itshontsha nokudla kwakho ikulimaze nesikhumba sakho. Ekugcineni, iyakubulala lenja.

Kuthi ngokuphazima kweso, ngamandla ayisimanga esingajwayelekile, wena, lelikati, uvuswe kwabafileyo. Kulesisikhathi awuselona ikati, kodwa uyibhubesi! Manje yona leyanja iyeza, uma ikubheka iyabaleka ngoba iyazi ukuthi ungayibulala! Lenja manje isishabalalisiwe [ukwenza umuntu noma into ingasabi namsebenzi, ukuyenza ivilaphe, ingasasebenzi, ingasanyakazi, ingasabi namfutho, namfundiso, namandla]!

Cabanga manje, lenja iza nesu. Iza kuwe ikutshela ngokuthi wena useseyikati awulona ibhubesi. Kuyoba njani lapho lenja ikukhohlisa uze wena uziphathise okwekati? Yikhona lokhu lenja engusathane ikwenza kumakholwa amaningi.

Manje cabanga ukuthi uJesu uyile "kati" elafa. Kodwa ngaphambi kokuba afe, ube "zithwele" ethwele mina nawe esivandeni iGetsemane. Lapho efa wavuswa, Waba yizibulo kwabafileyo. Uma sizalwa kabusha, sibangamabhubesi nathi.

"Futhi uyinhloko yomzimba, ibandla, Ungowokuqala nezibulo kwabafileyo, ukuze abe namandla kukho konke" [KwabaseKolose 1:18].

Kufanele sihlale sibheke kuJesu naseZwini ukuze sihlale naleqiniso enhlizweni zethu. Uma silahlekelwa yilokho kuqaphela, siyodukiswa kalula yilamanga asemhlabeni sibe sengozini yokulahlwa.

## **8. Ukwazi uJesu yikhona okudingekile**

“Akusibo bonke abathi kimi, ‘Nkosi, Nkosi,’abayikuwubona uMbuso weZulu, kepha labo abenza intando kaBaba oseZulwini. Abanengi bayosho Kimi ngalolosuku, ‘Nkosi, Nkosi, asiphrofethanga egameni Lakho, futhi ngegama Lakho sixosha amadomoni senza nezimanga?’Lapho ngiyakubatshela ngokusobala, ‘Anginazi nina. Sukani kimi nina babi!” [NgokukaMathewu 7:21-23].

Lokhu okulandelayo kuthathwe ku “They shall expel demons”, ikhasi 215, Umlobi Derek prince.[4]

### **Umthandazo wensindiso.**

1.Qiniseka wena ngokukholwa kwakho kuKrestu. “Nkosi Jesu Krestu, ngiyavuma ukuthi uyiNkosi yami.Nkosi Jesu Krestu, ngiyakholwa ukuthi uyindodana kaNkulunkulu futhi uyona ndlela kuphela yokuya kuNkulunkulu – ukuthi wafel’ izono zami esiphambanweni wavuswa ukuze zixolelwe izono zami ngithole ukuphila okuphakade.”

2.Zithobe. “Ngiyalahla konke ukuziqhenya nokuzikhulwa nakho konke ukuzikhukhumeza okungaveli Kuwe. Awungifanelanga umusa Wakho ngaphandle kokuthi wafela mina esiphambanweni.”

3. Vuma noma ngabe yisiphi izono osaziyo. “Ngiyazivuma zonke izono zami Kuwe angifihli lutho.” [Zibale manje uzisho]

4. Phenduka kuzo zonke izono. “Ngiyaphenduka kuzo zonke izono zami. Ngiyazifulathela ngibheka Kuwe, Nkosi, umusa Wakho nentethelelo.”

5.Xolela bonke abanye abantu. “Ngentando yokukhetha kwami, ngiyabaxolela bonke abake bangona noma bangiphosisela. Ngihlukana nalo lonke ulaka, konke ukuphindisela kwenzondo.” [Kubale konke ukusho ngomlomo.]

6. Hlukana namasiko nazo zonke izinkolo-mbumbulu. “Ngihlukana nakho konke okwakungihlanganisa nesiko noma nenkolo okungeyona. Ngiyayicitha yonke imisebenzi yomubi, usathane nayo yonke imisebenzi emibi empilweni yami. Ngiyazivuma zonke izono zami futhi ngihlukana nayo yonke imisebenzi yamasiko nezono njengento embi ebusweni Bakho, kuwe Nkulunkulu wami othembekile noNgcwele. Ngihlukana nakho konke okungihlanganisa namasiko awokhokho nemisebenzi yawo.” [Manje kubale ngakunye ngakunye ukusho ngomlomo wakho]

7. Zilungiselele ukukhululwa kuzo zonke iziqalekiso empilweni yakho. “Nkosi Jesu, Ngiyakubonga ngokuthi esiphambanweni wenzwa waba yisiqalekiso, ukuze mina ngisindiswe kuzo zonke iziqalekiso ngibe yindlalifa ezibusweni zikaNkulunkulu. Ngihlukana nazo zonke iziqalekiso ezivela ngawokhokho bami. Kuleso simo ngicela ungenze ngikhululeke, ungimukele ngithole insindiso Yakho engiyidingayo”.

***Isahluko 10-Insindiso***

8. Yima noNkulunkulu. “Ngizimisele ukuma Nawe Nkosi, ukumelana nosathane namadimoni akhe. Ngiznikele Kuwe, Nkosi, futhi ngiyamphika usathane. Amen!

9.Xosha. “Manje ngisho kunoma ngabe yiliphi idimoni elizama ukuzuza impilo yami. [Khuluma nawo ngqo.] Ngininxusa ukuba nisuke kimi khona manje. Egameni likaJesu, Ngiyanixosha, Hambani! Ngiyathandaza ukuthi noma ngabe wumuphi umoya omubi noma isenzo esibi enginaso, noma esakhe sangiqindezela noma sangibamba mina, masishabalaliswe noma sisuswe kimi. Ngizinikela mina, umzimba wami, imicabango yami, isithunzi sami, imizwa yami, ngizinikela mina wonke kuJesu Krestu ukuba abe yiNkosi yami noMsindisi wami. Ngithandaza konke lokhu egameni likaJesu elinamandla, ngiyakholwa ngisindisiwe”.

## ISAHLUKO II

### Ukubhabhathizwa ngoMoya Ongcwele

KuNgokukaLuka 3:16 uJohane umbhaphathizi wathi, “Nginibhaphathiza ngamanzi, kepha omkhulu kunami uyeza futhi yena uyokunibhaphathisa ngoMoya Ongcwele noMlilo”.

Maningi amakholwa angaziboni lezinto ezimqoka uJesu azisho kubafundi bakhe kuNgokukaJohane isahluko 14, 15 no16. Ubekwazi ukuthi Yena uzobulawa, ngisho nokuthi uzovuswa kwabafuleyo aphinde aphile futhi. Ekwazi nokuthi uzohamba okwesibili abese uthumela uMoya Ongcwele ukuzothatha indawo Yakhe.

Wakusho konke lokhu ngoba azi ukuthi singazizwa singenaBaba uma singasoze sabubona[sabazi] ubukhona Bakhe.“Soze nganishiya njengezintandane [abangenaBaba]; Ngizoza kini” [NgokukaJohane 14:18].

Watshela abafundi Bakhe ngaphambi kokuba anyuke ukuthi bazokugcwaliswa ngoMoya Ongcwele. “Ngokuba uJohane ubenibhaphathisa ngamanzi, kepha phakathi kwezinsukwana ezimbalwa nizobhaphathiswa ngoMoya Ongcwele” [Izenzo 1:5]. “ Lapho niyakuba namandla uma uMoya Ongcwele unehlela; futhi niyakuba ngofakazi Bami eJerusalema, nakulo lonke iJudiya neSamariya, nakuwo wonke umhlaba namaphethelo awo” [Izenzo 1:8]

Wabazisa ukuthi bangakhathazeki ngokubashiya Kwakhe. Wachaza nokuthi uMoya Ongcwele uzothatha indawo Yakhe umenze abeyiqiniso[uJesu, uNkulunkulu] kubo. Funda lokhu uJesu akusho kubo ku-NgokukaJohane 14:16-26

**uJesu wabatshela ukuthi uMoya Ongcwele uzokumenza abe yiqiniso kubo. Ngiyakholwa ukuthi lokhu kuyiqiniso elibalulekile ngombhaphathiso kaMoya Ongcwele.**

“Uma umeluleki wenu eza, loyo engiyokunithumelela yena ukusuka kuBaba, umoya weqiniso ovela kuBaba, ozofakaza Ngami”[NgokukaJohane 15:26].

“Kepha nginitshela iqiniso: ukunishiya Kwami kunilethela okuhle. Ngaphandle kokuba ngihambe, umeluleki angeke aze kini; kepha uma ngihamba, Ngizokunithumelela Yena” [NgokukaJohane 16:7].

**uJesu wabatshela lababafundi Bakhe ukuthi uzobuya masinyane.**Ukwenzile!Ubuye kubo njengoMoya Ongcwele. uMoya Ongcwele noJesu akubona ababili abehlukene, bamunye, kepha ngeziqu ezahlukile. uMoya Ongcwele uyakhona ukuhlala phakathi kwabantu, lapho uJesu ubengumzimba owodwa nje vo.

### *Isahluko 11-Ukubhabhathizwa ngoMoya Ongcwele*

**Abafundi Bakhe bathola izifundo ezimbili ngoMoya Ongcwele.** Abafundi Bakhe bempela bamukeliswa uMoya Ongcwele kuKrestu ovusiwe ku-NgokukaJohane 20:22. Nanoma labo bafundi futhi ababanga notshintsho olubonakalayo ngesimilo kwaze kwaba yilapho bamukeliswa uMoya Ongcwele ngoKrestu onyukile ngosuku lwephentekhosti ku-Izenzo isahluko 2.

A. Ukuvuswa Kwakhe ngosuku lwesonto, NgokukaJohane 20:22.

uKrestu ovusiwe.

Ephefumulelwe umoya.

Umphumela kwaba wukuphila.

B. Usuku lwesonto lwephentekhosti, Izenzo 2:4.

Ukrestu onyukile nokhazimulisiwe.

Wehlisa umoya.

Umphumela kwaba ngamandla.

Lesixuku sika120 ku-Zenzo isahluko 2 sazidela, sanyamalala ebukhoneni bukaNkulunkulu. Babethembekile kuJesus. Basebenzisa isikhathi sabo banikela ngamazwi abo kubuhlobo noJesus. Basebemukeliswa amandla aguqula impilo zabo, amandla okufakaza, amandla okunelisa zonke izidingo zabo, amandla okudlulisela imfundiso yabo nakwezinye izindawo, namandla okwazi ngobuhlobo nobungane noKrestu okhazimulisiwe nsukuzonke.

uJesus manje akusewuye leyandoda eyayihamba phezu kolwandle lwaseGalile, noma leyandoda eyahlushwa esiphambanweni, noma lendoda eyavuswa nje, kepha manje usehlukile! Akekho umuntu ophilayo kuleli owakhe wambona uJesus kulesimo akuso manje, ngaphandle kuka Johane esihlengeni sasePatmos owaloba encwadini yeSambulo. Bheka kuSambulo isahluko 1.

Abafundi Bakhe bathola ulwazi lwalokho esifanele nathi ukukufunda ekukholweni kwethu. Lapho uJesus ebuyela ezulwini okwesibili ku-Zenzo isahluko 1. Wathola isikhundla esisha sikaKrestu onyusiwe, kungasi kuphela ukuthi unguKrestu ovusiwe. uJesus wasuka emhlabeni njengesidalwa esivusiwe, kepha wabuya futhi ngoMoya Ongcwele njengesidalwa esiphakeme esinamandla angaphezu kwawo wonke amandla akhona, njengalowo onyukele esandleni sokudla sikaNkulunkulu nokhazimulisiwe Wakhe.

Qaphela lokhu, abafundi Bakhe abazange balila ku-Zenzo isahluko 1-3 njengokwenzeka encwadini ka-Johane lapho uJesus ebethelwa. Manje, lapho ebashiya, bakwemukela njengezwi lesithembiso lokuthi uzokushesha abuye futhi ekwesinye isimo.



***Isahluko 11-Ukubhabhathizwa ngoMoya Ongcwele***

Akuthathanga zinsuku zingaki emva kokuhamba Kwakhe, wabuya njalo enguMoya Ongcwele, lapho bagcwaliswa.

Kwasekuthi, njalo baqhubeka nokuphila impilo zabo nobundlelwano noJesu kwangathi usenabo [ukhona phakathi kwabo].


**Ukubhabhathiswa kusho ukucwiliswa[ukungeniswa].**

Okokuqala sibhabhathizwa ngamanzi bese manje sibhabhathiswa ngomlilo. Umlilo ungubukhona Bakhe. Uma sibhabhathiswa ngamanzi singena[uhlobo] ekufeni, siyadabukiswa, kodwa lamanzi awangeni ngaphakathi kwethu asibulale. Ngokwangaphandle lokho. Ukubhabhathiswa ngoMoya Ongcwele nguMlilo kaNkulunkulu ophila ngaphakathi kwethu. Yithina esizikhethelayo. Singakhetha intando yethu phezu kobukhona Bakhe ukulawula impilo zethu. Yena ufuna ukubulala impilo yethu endala ngomlilo. uNkulunkulu wathembisa uNowa ukuthi soze aletha uzamcolo futhi, kodwa umlilo wodwa. Amadimoni awabulawa ngamanzi kodwa ngomlilo.

**Sifanele ukugcwalisa kaningi?** Amabandla amaningi akakuzwisisi kahle lokhu bese alahlekelwa iphuzu elimqoka. Kasiyona imiphongolo ezimele emelwe ukugcwaliswa ngokungenayo, njengamanzi esitsheni athelwa enkomishini. Uma bekunjalo, ngakho hleze sizodinga ukugcwaliswa njalo njalo ngoba mhlawumbe kungenzeka siyavuzwa [sibhobokile].

Sixhunyelwe bese simukela  
uMoya Ongcwele  
Uma senza uJesu iNkosi

Uma sigcwaliswa ngoMoya Ongcwele,  
isivimbo siyasuswa  
nempilo kaJesu egcwele igobhoza ngaphakathi  
kwethu



NgokukaJohane 15 uthi uma saxhunyelwa kumthombo njengegatsha emvinini. Akudingekile ukuthi ugcwaliswe futhi, kodwa kuba wukuthi uxhunyelwe njalo emvinini. Lamanzi omvini [ukudla]amele uMoya Ongcwele, uJesu ungumvini kepha thina singamagatsha. Sifanele sihlale

### *Isahluko 11-Ukubhabhathizwa ngoMoya Ongcwele*

Emvinini. uJesu uthi ukuthembela eZwini Lakhe yikhona okusenza sihlale. Ukubhabhathiswa ngoMoya Ongcwele wukucwiliswa kuNkulunkulu lapho sixhunyelwe Kuye njengomvini negatsha. Ukudla Kwakhe kugobhozela kithi, nathi siba sixhunyelwe uma sihlala Kuye.

**Wukugcwaliswa okungakanani okwanelisayo?** Ku-NgokukaLuka 6:45b uthi, “Ngoba ngokugcwala kwasenzizweni umlomo uyasho”. Kwamina siqu, ngiyawuthanda lomcabango wokuthi uMoya Ongcwele ugobhoza emlonyeni wami ukukhombisa ukuthi ngigcwele ngawo enhlizweni yami!

Sekwaba kuningi ukuxakeka nokudideka ngombhabhathizo kaMoya Ongcwele. Abanye bakhuluma ngeziphosho zikamoya ukuthi yizona ezibalulekile abanye bathi qha, yizilimi ezibalulekile. Abanye bathi ukubhabhathizwa kukulungiselela ukusebenza, loko kusho ukuthi uma sifisa ngokoqobo ukumkhonz’ uJesu sifakaze ngamandla, sidinga ukugcwaliswa ngoMoya Ongcwele. Qha, abalahlekanga nalabo, bonke banakho abakuzuzayo, kodwa angikholwa ukuthi bayisithinta isisusa senjongo yokugcwaliswa ngoMoya Ongcwele.

#### **Kwenzekalani manje ngeziphosho zikaMoya?**

Ngizwa ngikholwa ukuthi sifanele siyeke ukunikwa kweziphosho kumamukelisi wazo. Mina mathupha ngibe neziningi zaleziziphosho zisebenza empilweni yami izikhathi ngezikhathi, kepha qha akubanga yizo zonke.

**Ngiyakholwa ukuthi ukukhuluma ngezilimi kuyisiphosho esibalulekile futhi esinamandla.** uNkulunkulu akakusebenziseli nje ukubonisa, kodwa okubaluleke kakhulu wokuthi uzisebenzisa ukubamba imicabango yethu kuze kusebenze Yena. Encwadini Ka-Jakobe 3:4-5 uthi, ulwimi lunjengesigwedlo sesikebhe sona esisincane kangaka kodwa sihambisa isikebhe sonke nokungaphakathi kwaso. Uma ufuna ukunika uJesu isigwedlo sempilo yakho, mnikeze ulwimi lwakho. Lokho kuyokwenza kabusha imicabango yakho, thandaza intando kaNkulunkulu emsulwa, wenqabe usathane. Ukuthandaza ngezilimi ngasese izikhathi ezinde kunamandla kakhulu. Kungivezele izimanga empilweni yami. Kunesifundo esiphelele salokhu ohlelweni lwe –ISOB esibizwa ngokuthi “uMoya Ongcwele nolwimi”.

Ngikubona kungalungile kulabo bantu asebemukelise iziphosho ukuba benze labo abangenazo bazizwe kwangathi kukhona okungalungile ngabo eNkosini. Futhi akukuhle ukuthi labo abangenazo basole labo abanazo. uJesu, encwadini ka-NgokukaMathewu 12:31, wathi ukukhuluma ngokuphikisa lokho uMoya Ongcwele ukwenzayo yiyona ndlela eyiqiniso lokuthi wena soze wazimukeliswa empilweni yakho. Ukweyisa uMoya Ongcwele wokuthi izinto ezenzwa wuwo uthi kazilona

### ***Isahluko 11-Ukubhabhathizwa ngoMoya Ongcwele***

iqiniso likaMoya Ongcwele. Uma ungenasiqiniseko, kulungile, kodwa qaphela unqakhulumi kabi, ngaphandle kokuthi uneqiniso futhi unobufakazi bokuthi ngempela yimisebenzi yamanga kasathane. Kuncono ukuhlala umsulwa kunokuzisola kamuva!

Angakwenza kanjani uJesu ukukufeza konke athembisa ukusenzela khona uma Yena siqu angelona iqiniso kithi? uMoya Ongcwele wenza uJesu abe yiqiniso kithi ukuze zenzeke lezo zinto ezathenjiswa encwadini ka-Isaya 61.

uNkulunkulu ufuna ukusikhulula ekuboshweni okuyizinhlobo-nhlobo ezahlukene. Nanoma, inhloso Yakhe akusiwusikhulula nje kuphela. Injongo Yakhe yokugcina ukusinika inkululeko yokuba singene Ebukhoneni Bakhe sihlanganyele kanye Naye, lokho okuyophetha ngokuzala izithelo empilweni yethu naseMbusweni kaNkulunkulu.

1. Sikhululwa ebugqilini ukuze.....
2. Sikhone ukuzijabulisa Ebukhoneni futhi sithele izithelo.

Encwadini ka-Eksodusi, uNkulunkulu wasebenzisa uMose ukukhulula abantu bakhe u-Israeli ebugqilini ku-Faro eGibhithe. "Yeka abantu Bami bahambe, ukuze benze imihlatshelo Kimi ehlane" [Eksodusi 5:1<sub>b</sub>]. Ukukhululwa kwabo eGibhithe kwakungesiyo injongo ephelele, injongo kaNkulunkulu kwakuwukuba bazizwise Ebukhoneni Bakhe ehlane lapho "bayokwenza imihlatshelo Kuye," noma ngamany' amazwi, ukuyohlanganyela Naye Ebukhoneni Bakhe.

#### **1. Ukukhululwa ebugqilini.**

uJesu walandisa ngo-Isaya 61 encwadini ka-NgokukaLuka 4:18 lapho azisa injongo ngomsebenzi Wakhe. uIsaya 61 uqala ngoJesu esho ukuthi umoya weNkosi umgcobele ukuzoletha izindaba ezimnandi kulabo abahluphekileyo, abalinyaziwe nabaphukelwe izinhliziyiyo. uJesu ubikezela ukukhululwa kwezizigqila, ukuvulwa kwamajele kulabo ababoshiwe, ukwelapha abaphukelwe yizinhliziyiyo abikezele "Unyaka omukelekayo weNkosi" noma "Unyaka wenkululeko" [isikhathi lapho izizigqila ziyohamba ngokukhululeka]. Waqhubeka ngokusho okuningi umsebenzi Wakhe ozokufeza.

Usho nokusho ukuthi leziziboshwa nabahluphekayo bayoguqulwa nokuthi bayokuba yimithombo yeqiniso, babenamandla nokuma okukahle noNkulunkulu. Washo nokuthi kasoze basindwa wusizi nokulila, kepha bayokugcwaliswa ngenjabulo.

Walandelisa ngokusho nokuthi lezondawo ezidilikile ziyokwakhwa kabusha. Ngamany' amazwi, izimpilo zalabo abamoshakele ziyokuvuselelwa, njengo Nehemiyah [ogama lakhe lisho umduduzi noma uMoya Ongcwele] owavuselela izindonga zeJerusalema ezaziwisiwe yisitha.

Ngaphezu kwalokho, wathi zonke izidingo zabo ziyokunakekelwa futhi bayophenduka abaNkuli bakaNkulunkulu, noma abamele uNkulunkulu. Bayokuba sebayophenduka, abasindisi babanye babakhulule.

u-Isaya 61 ehlangene uthi, uJesu uyokuguqula abantu ukusuka ebuboshweni kuya ebuPristini ngokusebenzisa uMoya Ongcwele. Yikho lokhu esasikhuluma ngakho kusasahluko 1 salencwadi, ukuthi sizozala izithelo kuwo omathathu amagumbi ethu empilo; isimilo, nezidingo kanye nemisebenzi yethu kwabanye. Ukusuka ebuboshweni kuya ebuPristini.

Isayah 61:1-7 uthi,

1."Umoya kaNkulunkulu uphezu Kwami, ngoba uNkulunkulu ungigcobile ukuzobikezela izilokotho ezinhle kwabaswelayo; Ungithume ukuzopholisa abanhliziyo buhlungu, ukuzomemezela inkululeko kwababanjiwe, nokuvuleka kwamajele kwabavalelwe;

2. Ukuzobikezela ngonyaka omuhle weNkosi, nosuku lapho uNkulunkulu esiphindiselela khona; Ukuzoduduza bonke abalilayo.

3. Ukuzoqinisa labo abalilayo e-Siyoni, ukuzobanika ubuhle emlotheni, amafutha enjabulo ekulileni, Izambatho zendumiso kunomoya osindwayo; Ukuze babizwe ngemithi yeqiniso, izitshalo zikaNkulunkulu, ukuze Akhazimuliswe"

4. Futhi bayokwakha kabusha konke okumoshakele, Bayokuvusa kabusha konke okwachithwa, balungise nalawo madolobha awile, nayo yonke inchithakalo yezizukulwane ezadlula.

5. Izihambi ziyokuma ziluse imfuyo yakho, namadodana abezizwe ayokuba ngabalimi bakho nababheki besivini sakho..

6. Kepha nina niyokubizwa ngabaPristi bakaNkulunkulu; Bayokunibiza ngezisebenzi zikaNkulunkulu. Niyokudla umcebo wabezizwe, futhi ngenkazimulo yabo niyokuziqhenya.

7. Esikhundleni sehlazo lenu niyokwamukeliswa udumo oluphindaphindiwe, futhi kunokuthi nixakeke niyokujabula ngalokho eninako. Ngakho-ke ezweni labo niyokunotha; Injabulo engapheli iyokuba ngeyenu"

### *Isahluko 11-Ukubhabhathizwa ngoMoya Ongcwele*

uJesu uthembise ukusenzela sonke lokhu, kepha akasekho lapha emhlabeni futhi. Wathumela omunye umduduzi, uMoya Ongcwele, ukuzothatha indawo yakhe. uMoya Ongcwele yiwona osebenza ukufeza lezozithembiso kithi manje. Singeke sazibona zonke lezizithembiso uma singathintananga noJesu ngoMoya Ongcwele.

**Sidinga ukuthi uJesu abe yiqiniso kithi.** Kufanele sixhumane noJesu ngamandla ukuze sibone lezozithembiso zenzeka empilweni yethu njengoba u-Isaya 61 esho. Uma kunezinto ezingahambi kahle empilweni yethu, uma singamuzwa uJesu ekhuluma nathi, konke kuyolunga!

Uma siyiziboshwa, noma siswela, sinenhliziyi ezidabukileyo siphelwe nayithemba, akufanelanga silinde size sife ukuze siye ezulwini lapho sikholwa ukuthi siyophumula; sidinga ukuphumula khona MANJE! Singakuthola manje kuyo lempilo, kodwa kufanele sibe nokuxhumana noNkulunkulu. Ufanele abe yiqiniso kithi. Ufanele abe ngaphezu kwenkolo, Ufanele abengaphezulu kwemithetho yamabandla ethu, Abe ngaphezulu kwamazwi ombhalo [nakuba abaluleke kangaka]. Kufanele sixhumane noJesu ophilayo ngendlela efanayo neyabafundi Bakhe lapho esesenabo emhlabeni, nangendlela efanayo lapho ebashiya emhlabeni, njengokulotshiwe eNcwadini yeZenzo.

Ku-BaseEfesu 3:18-19 uthi, “Ukuze nibe namandla niqine nikhone ukubamba nifumbathe kanye nabo bonke abangcwele, ukuba nolwazi lwalolothando, ukuthi buyini ububanzi nokujula nokuphakama nobude balo, ukuze ube nolwazi ngempela, ngokwenzeka kini, uthando lukaKrestu, olwedlula lonke ulwazi olungenamfundo: ukuze nigcwaliswe ngokuphelele ngaphakathi ngakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu, nibe nokunotha okukhulu Ebukhoneni bobuNgcwele, nibe ngumzimba ogcwaliswe kahle waphuphuma ngoNkulunkulu uqobo Lwakhe.”

**uNkulunkulu waba yiqiniso kuJakobe ku-Genesis 28.** uJakobe wezwa ukunambitha uBukhona bukaNkulunkulu, ukusuka lapho akazange asakhona ukwenza ngaphandle Kwabo! uGenesis isahluko 28 amavesi u 10-17 asitshela ngolwazi lukaJakobe lapho ephupha ngesikhwelo esihlanganisa izulu nomhlaba. uJakobe wavuka ngosuku olulandelayo ekuseni wakha i-Altare khona lapho walibiza ngokuthi i-Bheteli, indlu kaNkulunkulu. Wathatheka kakhulu ngubudlelwano noNkulunkulu. uNkulunkulu waba yiqiniso kuye. uJakobe ubefana nami nawe. Wayedinga ukuguqulwa ezindaweni eziningi. Ngesimilo sakhe wayekhohlakele kakhulu. Okwakuyiyona ndlela kuphela uNkulunkulu angamguqula ngayo, kwakuwukumdonsa aze amthande. uNkulunkulu wazibonakalisa kuJakobe. uJakobe wavele wazifela ngaYe wamthanda, wamlandela impilo yakhe yonke.

### ***Isahluko 11-Ukubhabhathizwa ngoMoya Ongcwele***

Emva kwesikhathi, njengoba behamba kanye, uJakobe watshintshwa ngokuphelele, uJakobe waba ngu-Israyeli.

Ngesikhathi uJesu angena empilweni yami, ngaba yisiboshwa sangempela sikaMoya. Kwakukhona imimoya emibi elawula impilo yami. Lapho ngibona uJesu encwadini yeSambulo njengoJesu onyusiwe, umnqobi nomsindisi. Ngaphenduka indoda egcwaliswe yaphuphuma ngoMoya Ongcwele. Lokhu kwenzeka ngezi 26 ku-Agasti 1979. uJesu waba yiqiniso kimi njengalendoda engakhelene nayo. Wakhuluma nami futhi walalela uma ngikhuluma. Ubenami ngaso sonke isikhathi ebuhlungwini nasezinkingeni zami. Lapho abantu bahlekisa ngami, wayengiduduza. Lapho abantu bezama ukungigqilaza, wayengifundisa iqiniso elingikhululayo. Futhi ngokushesha, njengoba esho u-Isaya isahluko 10:27 ekubeka kanje, ugcobo lwenza “intamo” yabayinkulu kangangokuthi ijokwe lobuboshwa langasangilingani [labalincane]

Kancane-kancane, uJesu akangikhululanga kuphela kumadimoni ayengilawula angenza isiboshwa sawo, kodwa ngisho nakumadimoni ayesethole “ikhaya” kimi. Njengoba njalo ngihlanganyela noJesu eZwini nasemthandazweni, ngangikhala ngingakhoni ngisho nokuzibamba, izinyembezi eziningi namfinyila kuphuma emzimbeni wami. NgokukaLuka 11:24 uthi amadimoni aphuma kumuntu asezula endaweni ezomile, afuna ukungena kulendawo “ethambile” futhi. Indawo ethambile, indawo yawo yemvelo, ikumuntu owakhiwe ngamanzi amaningi. Loluhlobo lokusindiswa lwaqhubeka kuwo wonke amasonto ezinyangeni ezimbalwa, mhlawumbe iminyaka, ngingeke ngakhumbula kahle.

Njalo ngokuhamba kwesikhathi, ngakhululeka ezintweni ezimbi eziningi ezazingigqilaza. Isimilo sami saya ngokutshintsha saba ngumfanekiso kaJesu. Izidingo zami zaya ngokugcwaliseka. uNkulunkulu wanginika uhlobo lwakhe lomfazi nomndeni.

Emva kweminyaka eminingi ngikhona ukuzibamba, uNkulunkulu uzewangenza ngaba ngumholi, njengoba kuthenjisiwe ku-Isaya61. Umnyango uNkulunkulu awusebenzisa kulokhu kungakha ngokaMoya Ongcwele. Owenza uJesu abeyiqiniso kimi. uJesu wenza onke lomsebemzi: uMoya Ongcwele waba yilesithunywa ngaphakathi kwami esaxosha konke uNkulunkulu angazwani nakho.

### **2.Ukuzizwisa eBukhoneni Bakhe uphinde uzale izithelo.**

Emva kokukhululwa ebugqilini, uNkulunkulu ufuna ukuba sazi uBukhona Bakhe noMbuso Wakhe. uMoya Ongcwele wenza uMbuso kaNkulunkulu ube yiqiniso kithi kulempilo esiyiphilayo. Ngikukhuthaza ukuba uvule ibhayibheli lakho ku-MaHeberu isahluko 12 wenze isifundo ngalencwadi.

### *Isahluko 11-Ukubhabhathizwa ngoMoya Ongcwele*

Qhaphelisisa ukuthi indikimba yalesisigaba, KumaHeberu 12, ikhuluma ngokugijima umjaho, kodwa iphinda ikhulume ngokususa zonke izisindo nesono. “Ngakho-ke njengalokhu singanyelwe yifu elingaka lawofakazi, masilahle konke ukusindwa nesono esisithandela kangaka, sigijime ngokuzithoba lomjaho esimiselwe wona” [KumaHeberu 12:1]

Lesahluko sihamba size sikhulume ngeqiniso leJerusalema lasezulwini, elibizwa ngokuthi Mt.zion [Intaba iSiyoni inhloko-dolobha kaNkulunkulu ophilayo [uMbuso kaNkulunkulu]. Ngokwenzeka nje, ususe zonke izono nezisindo, ungene kulo lonke loluhlelo oluchazwa KumaHeberu 12 lapho kunayonke lendlela yokwenza uMbuso kaNkulunkulu ubeyiqiniso empilweni zethu.

Masihlolisiseni lokho umbhali wencwadi yamaHeberu ayezama ukukusho kulabobantu ngokugijima umjaho, ukukhululeka ezisindweni nasesonweni, ukuze uMbuso kaNkulunkulu ube yiqiniso kithi.

1.KumaHeberu 12:2-4 sitshelwa ukuba sime ngokubekezela. Sikubekezelele ukuphikiswa, nokungazwisiswa, nokuhlukunyezwa sime ngokuzibamba okukhulu lapho uJesu esahlanyela imbewu ezothela isithelo ezinhlizweni zethu.

2.KumaHeberu 12:5-11 sitshelwa ukuthi uNkulunkulu uzosivivinya, kungabi ukusilimaza, kepha ukusilungisa njengamadodana namadodakazi ngothando lokuba sizuze. Eqiniseni siyakudinga ukuvivinywa nguNkulunkulu. Sinezindawo ezicashile esingasoze sazibona thina.

uJakobe ubeyigovu engumuntu ongahloniphi. uNkulunkulu wamvivinya kuzo zonke lezo zimo waze washintsha ngisho negama lakhe ukusuka kuJakobe kuye ku-Israyeli, ukusuka kuMphambi [Umlumbi] kuya kohambisana noNkulunkulu.

Kufanele sibone isimo sethu ukuthi sisentshenzwa nguNkulunkulu ukuze kuthi lapho sisebenza ngaso, sibe yisimilo esitshintsha siye kwesikaNkulunkulu. Lokhu akusho ukuthi uNkulunkulu usilethela izimo ezingalungile empilweni zethu. Akakwenzi lokho; usathane okwenzayo. Yiba neqiniso kulokho, nanoma, ukuthi uNkulunkulu usebenzisa lezo zimo ukusikhulisa size sibe ngumfanekiso Wakhe. uNkulunkulu usebenzisa iZwi Lakhe ukusivivinya, kodwa kunezindawo enyameni yethu endala ezifanele ukudluliswa ekulingweni lapho ziyoshiswa ziphele nya.

3.KumaHeberu 12:12 no 13 sitshelwa ukuba sifune ukuthula kunobungcwele, engaphandle kwakho singeke sayibon' iNkosi, noma iNkosi angeke yaba yiqiniso kithi.

4.kumaHeberu 12:14 sitshelwa ukuba sifune ukuthula nobungcwele, ngaphandle kwalokho, hleze noNkulunkulu angeke aba yiqiniso kithi.



### *Isahluko 11-Ukubhabhathizwa ngoMoya Ongcwele*

5. KumaHeberu 12:15 sitshelwa ukuba sifune umusa sibalekele ubumuncu. Siyatshelwa futhi ukuthi singafani no-Esawu owalahlekelwa ubuzibulo bakhe wangasaphinde wakhona ukuphenduka.

6. Manje, nawu umklomelo. Funda KumaHeberu 12:18-29. Usufikile [inkathi eyadlula] entabeni iSiyoni, umbuso kamoya, uMbuso kaNkulunkulu. Kuyilesikhathi samanje, kungasi ngesikhathi esizayo. uNkulunkulu ufuna thina siphile ngamandla oMbuso weZulu, khona manje, njengoba sisesemhlabeni. Eqinisweni singaphila manje “ngesikhathi esizayo.” iSikhathi soMbuso [KumaHeberu 6:5], kepha kufanele sigwaliswe ngoMoya Ongcwele ukuze sikubone lokhu. Uyakusho lokhu ukuthi intaba iSiyoni, noma uMbuso kaNkulunkulu, unamagumbi amaningi.

a. Okokuqala, nguNkulunkulu Ophilayo. uMoya Ongcwele usanceda ukuba sikhone ukuhlanganyela noNkulunkulu Ophilayo manje ngoba elapha kanye nathi.

b. Okulandelayo, yiJerusalema laseZulwini. uMoya Ongcwele usanceda ukuba sikhone ukuhlala eMbusweni kaNkulunkulu, njengeqiniso, manje.

c. Bese, kukhulunywa ngezingelosi. Akufanelanga sibheke kakhulu ezingelosini, kepha kufanele sazi ukuthi zikhona la zimele ukulwela thina kodwa zisebenza ngeZwi likaNkulunkulu.

d. Singenile ebandleni lezibulo, uJesu, labo abayizakhamuzi zasezulwini. Lokhu kugcizelela ukuthi sifanele sigxile ekubeni ngabalikhohwayo ibhayibheli, abagcwaliswe ngoMoya weBandla.

e. Kukhulunywa ngoNkulunkulu uMahluleli evesini lika 23. Ngiyathokoza ngoba uNkulunkulu unguMahluleli wami, ngoba lokho kwenza uMsindisi wami abewuMahluleli wami futhi! Akangilahli, uyangiluleka ukuze ngiphenduke ngibe nempumelelo. uNkulunkulu futhi ungumahluleli wesitha, usathane. Wamfumana eyisehluleki. uNkulunkulu uzothola wena useqinisweni afumane usathane eyisehluleki kuzo zonke izilingo zempilo.

f. KumaHeberu 12: 23 kukhulunywa ngemimoya yabasindisiwe esenyukele ezulwini. Angikholeli ekuxhumaneni nemimoya yabagcotshwa asebafa baya ezulwini ngaphambi kwethu, kodwa ngiyakhohwa ukuthi bayasibona. Sibhekiwe sihalaliselwa yilo lefu lawofakazi. Ubufakazi babo bokukholwa yilokhu esikubonayo.

g. KumaHeberu 12:24 kusitshela ngokuthi sinoJesu njengoMlamuleli wesivumelwano segazi. Makabongwe uNkulunkulu ngalokhu. uJesu akenzi isivumelwano segazi nathi kuphela, kepha wavuswa kwabafuleyo ukuze abe nguMlamuleli ngisho nasekufeni, isiqiniseko salesivumelwano. Uma senza amaphutha, uJesu uyangenelela asisize size siphenduke sizivume izono zethu. UnguMlamuleli wethu, uMmeli wethu. Uba neqiniso eliphelele ukuthi siyanqoba.

### *Isahluko 11-Ukubhabhathizwa ngoMoya Ongcwele*

h. KumaHeberu 12:25 siyaxwayiswa ukuthi uma sithatha loluhlelo ngokuzimisela, ngoba uma singalinaki noma siqaba lesisipho sigcina siphelele esimeni esibi kakhulu.

i. KumaHeberu 12:26-28 sitshelwa ukuthi uNkulunkulu unyakazisa konke emhlabeni nasezulwini, ukuze kuthi lezo zinto okufanelwe ukuthi zisuswe zisuke, kuthi lezo ezime zaqina, zime eMbusweni kaNkulunkulu, zisinde kulokho kunyakaza zibambebele.

j. Okokugcina KumaHeberu 12:29 sitshelwa ukuthi uNkulunkulu unguMlilo oqothulayo. uMlilo oqothulayo nguMoya Ongcwele. Wona uza ukuzosisindisa kukho konke okunyakaziswayo, kukho konke okufun'ukusalela okwendalo endala, inyama yethu nemvelo yesono.

#### **Singenze njani ukubambisana noNkulunkulu?**

- 1. Kufanele simlambele uNkulunkulu ukuze abe yiqiniso kithi.** Laba abayi-120 ekamelweni elingaphezulu kwakuyisixuku esincane sabantu leso uJesu azibonakalisa kuso ngosuku lokuvuswa Kwakhe. Kwakucishe kunabantu abangu-500. Kwenzekani ngalaba abanye angazibonakalisanga kubo? Mhlawumbe babenganantshisekelo eyanele, mhlawumbe babenokuzazi, [beziqhenya] noma bebambebele kakhulu kumindeni yabo noma kumisebenzi yabo. Noma benamahloni ukuthi bazothini abantu ngabo. Khumbula lokhu, laba abangu-120 babehlekwa futhi bephikiswa. Kusho lokhu, laba abangu-120 babebambene futhi benenhloso eyodwa.
- 2. Kufanele sihambisane neZwi ukuze siqobe.** Isivumelwano segazi asenzwa ngegazi kepha ngeZwi. Ubuningi beZwi onabo busho ubuningi begazi onalo, isimilo sikaJesu onaso ngamandla okususa isono onaso, amadimoni akasabi namandla, konke kusukela ebuningini boMoya Ongcwele onawo. “Ngokuba loyo othunywe nguNkulunkulu ukhuluma amazwi kaNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu akaniki umoya ngokulinganisela” [NgokukaJohane 3:34]
- 3. Kufanele sikulindele ukulahlwa ngamabandla ethu ngisho nemindeni.** NgokukaLuka 12:49-52 uthi, “Ngize ukuzoletha umlilo emhlabeni, ngifisa kakhulu ukuthi ngabe usuyavutha! Kepha nginombhabhathiso engifanele ngidlule kuwo, ngikhathazekile kakhulu ukuze ufezeke! Nicabanga ukuthi ngize ukuletha ukuthula emhlabeni? Qha, ngisho kini, kodwa ukuhlukana. Kusukela manje kuyokuba khona abayisihlanu emndenini owodwa abahlukene phakathi, abathathu kwababili ababili kwabathathu”
- 4. Sifanele singabi namfihlo kuJesu futhi sithembe Yena.** NgokukaLuka 11:11-12 usho kanje, “Uma indodana icela isinkwa kunoma ngabe ngubani wenu ongubaba, ungayinika itshe na? noma icele inhlanzi uyinike inyoka esikhundleni senhlanzi? Uma icela iqanda uyinike ufezela?”

Uma nina ke, nobubi benu nikhona ukupha izipho ezinhle kubantwana benu: Kuyokuba njani kuNkulunkulu onguBaba ukupha uMoya Ongcwele kulowo owucelayo.

**5.uMoya Ongcwele uyakuhlonipha kakhulu ukuphenduka.** Uyathanda njalo ukubonakala uma silahla izono zethu, sihlukana nezindlela zasemhlabeni, nokuziqhenya nobuvila. KuZenzo 26:18 Kuthiwa, “Ukuze kuvuleke amehlo abo baphenduke ebumnyameni baye ekukhanyeni, nokusuka emandleni kaSathane baye eMbusweni kaNkulunkulu, ukuze bamukele ukuhlanzwa kwezono babe yizindlalifa nabanye abagcotshwa ngokukholwa Mina”.

**6.Simukela uMoya Ongcwele ngokukholwa.** Ukukholwa ini? Ujesu wakhuluma ngokugcwaliswa kukaMoya Ongcwele ku-NgokukaJohane 7:38-39, “Loyo okholwa Yimi, njengokusho kombhalo, ‘esiswini sakhe kuyokugobhaza imifula yamanzi aphilayo.’ [Kepha washo lokhu ngoMoya, ukuthi labo abakhulwayo Kuye bazomukela: ngokuba uMoya Ongcwele ubusengakehliswa, ngoba uJesu usengakakhazimuliswa]” Ngakho uJesu ubefanelwe ukukhazimuliswa ngaphambi kokuba sibe nokukholwa sithole uMoya Ongcwele njengokugobhoza komfula. Kusho ukuthini ukukhazimuliswa? Ukukhazimuliswa kusho into ebonakaliswayo eneqiniso ebonakaliswa sobala. Kufana nokususa indwangu evale into engakabonwa ukuze abantu baqale ukuyibona. KuNgokukaJohane 17:4-5 uJesu ubethandaza kuBaba wathi, “Ngikukhazimulisile emhlabeni, ngiwuqedile umsebenzi owawunginike ukuthi ngiwenze. Manje-ke Baba ngikhazimulise Wena, ngenkazimulo yoqobo ebenginayo ngikuwe, izwe lingakabikho.” Ujesu wabonakalisa uBaba kubantu, manje sekuyisikhathi sikaBaba ukuba abonakalise uJesu uqobo lwakhe

**Wakhazimuliswa kanjani uJesu?** Khumbula, inkazimuliso wukubonisa iqiniso ngomuntu noma into. NgokukaLuka 24:13-27 Ujesu ubekhuluma namadoda amabili endleleni eya-Emawuse. “Wathi, uKrestu ubengamele yini ukuhlupheka ngalokho, ukuze angene enkazimulweni Yakhe na? ‘ Ukusukela ku-Mose nabaPhrofethi bonke, wakuchaza konke okombhalo ngaYe” [NgokukaLuka 24:26-27]. Lawa madoda ajabula kakhulu kwathi lapho bathola abafundi Bakhe abayi11 baqala ukubachazela lokho uJesu akubonakalisile kubo. Ngokushesha okukhulu uJesu lona ovusiwe wazibonakalisa kubo bonke waqhubeka. “Wathi kubo, ‘Nganitshela ngisesenani: Konke kufanele kugcwaliswe okubhaliwe ngami encwadini yomthetho ka-Mose, abaPhrofethi namaHubo.’ Wayesevula imiqondo yabo ukuze bazwisise imibhalo. Wathi kubo “Kulotshiwe ukuthi uKrestu uzohlushwa abulawe avuke ngosuku lwesithathu” [NgokukaLuka 24:44-46]. Wabanika isambulo esimkhazimulisayo ukusuka kuMose, aMahubo nabaPhrofethi. Ithi kuvesi 45 kuAmplified

### ***Isahluko 11-Ukubhabhathizwa ngoMoya Ongcwele***

Version, “Wabavula ngokuphelele imiqondo yabo ngokubhaliwe.” Ubekhuluma ngezincwadi zikaMose eziyisihlanu, incwadi yabaPhrofethi namaHubo.

Emva kwalokho usuku lwePhentekhosti lafika babhajathiswa ngoMoya Ongcwele nomlilo!

**uNkulunkulu wazikhazimulisa kuMose:** *Ku-Genesise* njengomdali, nembewu yomfazi. Wazibonakalisa ukuba ngumandisi wembewu entsha ngesivumelwano segazi ukuba avale isono sokuwa kwenzalelwane ka-Adamu.

*KuEksodosi* wazibonalisa Yena njengonika umthetho, nanjengewundlu lokudlulisela kumthetho owaphulwa. Nguye owavula ulwandle olubomvu empilweni zethu, ukusikhulula ebuboshweni basemhlabeni.

*KuLevitikusi*, ungumenzi wesivumelwano segazi, nosicelayo ukuba sithathe isiphambano sethu siphile ngobugcwele.

*Ku-Numeri*, ungumondli ogwadule lempilo yethu, uyisinkwa [Manna] sethu esivela ezulwini namanzi avela etsheni.

*Ku-Duteronomi*, ungosisindisayo eziqalekisweni zomthetho.

**Wazikhazimulisa kuMahubo:** kuMahubo ungumelusi wethu nonguye esingakhalela kuye ngenhliziyo zethu, ongeke wasilahla njengoba wakwenza ku-Davide.

**Wazikhazimulisa ngabaPhrofethi:** *Ku-Isaya* ungumsindisi wabahluphekayo nothwala izono nezinkinga zethu.

*Ku-Joweli*, Ubonisa isithembiso sokubhabhathiswa ngoMoya Ongcwele, nanoma, ngaphambi kwesithembiso ku-Joweli isahluko 2, ubonisa isidingo ubungcwele obulandela isithembiso. Wababonisa futhi lokho engakubona mina mhla ngisindiswa wakugcwalisa futhi lokho okwakushiwo encwadini yeSambulo nokwaboniswa kuDaniyeli no Hezekeli.

*Ku-Hezekeli 37*, nguyena onika amathambo ethu omileyo ukuzalwa kabusha noMoya Ongcwele. Kuzahluko 38 no 39, unqoba izitha zethu. Kuzahluko 40 – 42, usibonisa iThempeli likaNkulunkulu, ukuze sazi ukuthi sibizelwe ukuba nobuhlobo noNkulunkulu.

*Ku-Hezekeli 43*, wababonisa ubungcwele bomxhele, neTebenekeli likaNkulunkulu lapho ahlangukhona nomuntu njengaku Sambulo 21. Kuzahluko 44-46, usincusa ukuba sizingcwelise ukuze sibhabhathiswe ngoMoya Ongcwele.

### ***Isahluko 11-Ukubhabhathizwa ngoMoya Ongcwele***

*Ku-Hezekeli 47*,njengaku Sambulo 22, nguyena obhabhathisa ngoMoya Ongcwele, wona owenza umfula ugobhozele ngaphandle kwethu uye-olwandle olufile lwabantu, ukuze abantu benzwe baphile ngoNkulunkulu.

*Ku-Hezekeli 48:35*, Igama Lakhe ngu “uNkulunkulu ukhona,” ngakho eJerusalema laseZulwini kuhlala abantu Bakhe.

*Ku-Daniyeli* isahluko 1-6, uzibonakalisa ukuba ngulowo osicela ukuba sibe emhlabeni kepha singabi ngabomhlaba. Unathi ngisho emlilweni ovuthayo nase mphandwini wamabhubesi empilo zethu.

*Ku-Daniyeli isahluko 7*, uzibonakalisa njengowasendulo onika amakhosi ubukhosibo kunqoba. Kusahluko 8 no 9 lezizimpi zifaniswa nezimpi kuSambulo.

*Ku-Daniyeli* isahluko 10:5, ubonakalisa uJesu onyukile ngokunqoba njengaku-Sambulo. Isahluko 10 no 11 kukhombisa izimpi.

*Ku-Daniyeli 12*, usitshela ngesidingo sokuMA, ngoba isitha sifuna ukuqeda amandla abanye. Manje bheka ku-Daniyeli 12:12. Ngoba labo abayokuma kuze kube sekugcineni, bayoba ngabanqobi.Yilokho engakubona mhla ngisindiswa ngigcwaliswa ngoMoya Ongcwele ngo1979!

*Ku-Thestamente elisha*, uJesu wazibonakalisa njengemvu yakwaNkulunkulu esusa zonke izono zomhlaba. Wasumbulula inkinga ye-Thestamente Elidala elithi uNkulunkulu unomusa uxolela izono, kodwa ahambele izono zawoyise kubantwana kusizukulwane sesine [Ku-Eksodosi 34:6-7].

Wazibonakalisa Yena njengeNdodana kaNkulunkulu,njengeZwi likaNkulunkulu,njengeqiniso, impilo nendlela!

Wazibonakalisa Yena njengoMesiya ozobuya okwesibili njengeNkosi eMbusweni.

*Ku-Johane 14-16*, Wazibonakalisa Yena njengoMoya Ongcwele ozohlala kubafundi Bakhe.

*Ku-NgokukaLuka 24 naku-Zenzo 1*, uJesu watshela abafundi Bakhe ukuba bazingcwelise bahambe balinde kuze kufike isithembiso. Lena yinxenye yethu: Ukuthembeka, ubungcwele nokuzidela.

***Isahluko 11-Ukubhabhathizwa ngoMoya Ongcwele***

Umthandazo. Nkosi Jesu, iZwi likaNkulunkulu lithi unesifiso sukungigcwalisa ngoMoya Ongcwele, ukuze mina Nawe sibe banye. Ngikulambeke, nobukhona Bakho empilweni yami. Nkosi Jesu, ngiyakholwa yiZwi Lakho. Ngiyavuma Kuwe ukuthi ngifuna konke onakho kimi. Yiza Nkosi Jesu, ngibhabhathise ngoMoya Ongcwele nomlilo. Ngivulekile futhi ngizimisele ukumukela lomlilo empilweni yami. Ngiyalahla futhi ngiyaphenduka kuzo zonke izono zami empilweni yami. Ngiyabaxolela bonke abangonile. Ngizinikela kuwe njengomhlatshelo ophilayo. Uyingamele impilo yami, zithathele yona. Ngikunikeza onke amalunga ami, umlomo, ulwimi, izandla, izinyawo, izindlebe namehlo nakho konke engiyikho nenginakho.

**Thatha konke!**



*Isengezo A-Uhlu lwezifundo ngeISOB*

*Uhlu lwezifundo ngeISOB ezitholakala  
kuma CD ROMnge Windows naku Apple  
computers. Lezi zifundo ziyatholakala naku  
Website yethu  
<http://www.isob-bible.org/>*

*Khula noma Yifa*

- 01 Khula noma Yifa ekuzaleni isithelo*
  - 02 Iziboshwa ezweni lesithembiso*
  - 03 Umfula ogobhozayo-[izoqhutshwa ngendlela ejwayelekile]*
  - 04 Ungubani uNkulunkulu*
  - 05 Hlala*
  - 06 Hamba*
  - 07 Yima*
  - . Khula noma Yifa isigaba sesibili*
  - [Igazi nomlilo]*
  - 08 Amandla okugijima umjaho*
  - 09 Ukusindiswa-Amadimoni*
- 

*Ungubani uNkulunkulu*

- 01 Ukusondela ekumazini uNkulunkulu wethu oyisimanga*
  - 02 Ubuthathu Bakhe*
  - 03 uNkulunkulu uBaba*
  - 04 uNkulunkulu uBaba-2*
  - 05 uNkulunkulu ungumuntu wesivumelwano*
  - 06 Ukuzala kwentombi emsulwa*
  - 07 Ukuzala kwentombi emsulwa-2*
  - 08 Ungubani uJesu manje?*
  - 09 Ukuzifihla kukaNkulunkulu*
  - 10 uNkulunkulu uYizwi*
  - 11 Amandla ezwi likaNkulunkulu*
  - 12 Ukuhlonipheka kweZwi*
  - 13 Umsuka wokukhanya kweZwi likaNkulunkulu*
  - 14 uKrestu idwala*
  - 15 Isibikezelo sebhayibheli - igama likaJesu*
  - kuTestamente elidala*
  - 16 uNkulunkulu nguMoya Ongcwele*
  - 17 uMoya Ongcwele nolwimi*
  - 18 Ukubhabhathiswa ngoMoya Ongcwele*
- 

*Hlala*

*Izifundo zoyedwa*

- 01 Umfanekiso wokuhlala- Ukuhlala noKrestu*
- 02 Umusa*
- 03 Ubuwena*
- 04 Uthando olunamandla*
- 05 Wathengwa ebuboshweni*
- 06 Ukuhlengwa*



- 07 *Watshelewa ngubani?*
  - 08 *Ukwelashwa kwemizimba yethu*
  - 09 *Isisusa*
  - 10 *Ukunqoba phezu kwesono*
  - 11 *Ukwesaba*
  - 12 *Unembeza onovalo*
  - 13 *Amandla okuqeda umjaho-Isiphambano*
  - 14 *Ngena ekuphumuleni Kwakhe*
- 

*Hamba*

- 01 *Umfanekiso wokuhamba*
- 02 *Ukuhlubuka*
- 03 *Isicebi esisesisha – ukungcwelisa*
- 04 *Awunasikhathi noNkulunkulu*
- 05 *Ukukholwa*
- 06 *Ukuxolela*
- 07 *Izwe*
- 08 *Iqiniso/Zakah*
- 09 *Iqiniso isahlulelo sokufa*
- 10 *Iqiniso*
- 11 *Amandla*
- 12 *Ukuphenduka*
- 13 *Ukufunda ibhayibheli*
- 14 *Imikhuba yasezulwini*
- 15 *Bona okungabonwa*
- 16 *Ukuba yisisebenzi*
- 17 *Qala ngabany'abantu kuqala*
- 18 *Hlonipha ngomzimba wakho*
- 19 *Vumelana noNkulunkulu*
- 20 *Bheka inhliziyo yakho*
- 21 *Okweshumi – ezomnotho*
- 22 *Umthandazo*
- 23 *Sebenzisa ubundlalifa bakho*
- 24 *Hamba ngomoya*

- 25 Zidele  
26 Amazwi akho  
27 Thandaza – Ukholo  
28 Ukuhlubuka  
29 Uzwelo  
30 Yiba nguwe  
31 Ukungabaza  
32 Uthando  
33 Ukudumisa  
34 Ukuqomisa  
35 Udumo – Iculo Elisha  
36 Abangane bakho  
37 Hlanganyela nabakholwayo  
38 Ukubhabhathiswa  
39 Ukwahlulelwa  
40 Ukona umusa  
41 Ukuzila
- 

*Yima*

- 01 Ibandla lokwahlulela lomhlaba nezulu  
02 Izikhali zegazi  
03 Indlu yenkantolo  
04 Ukuthula ungasanyakazi  
05 Isambulo  
06 Umbhalo  
07 Izinkinga  
08 Uvalebekile  
09 Lapho usathane ehlezi khona  
10 Kungabi yintando yami  
11 Usathane, amadimoni, nobubi, nokusindiswa
-

---

*Isivumelwano segazi*

- 1-Ukukholwa noma igazi?
- 2-Umusa njengefa
- 3-Okuningi ngesivumelwano segazi
- 4-uKayini no abel
- 5-uNowa wathola umusa
- 6-uAbram wathola umusa. KuGenesisise 12-14
- Umholi wokuzifundela wena ngomusa,umusa
- nesivumelwano segazi Ingxenye 2-Umfanekiso ngoGenesisise 12-14
- 7-Abram-Genesisise isahluko 15-Umsele onegazi!
- 8-Genesisise isahluko 17-Ukuphendula kwethu esivumelwaneni
- 9-Abraham Genesisise isahluko 22- Isivumelwano segazi siyaziphula iziqalekiso
- 10- Uke waba yisigqila kodwa ungazi? U-eksodusi isahluko 1-5
- 11- Ungakuthatheli phansi ukujula kobuhlobo
- 12- Kungaba impilo yakho inezivunguvungu? Sebenzisa igazi lephasika
- 13- Ngubani umfalisti wakho ongasokwanga? Yilempilo oyicabangayo
- 14- Impi ngalokhu okucabangayo
- 15- Ukusuka eLo Debar kuya eJerusalema
- 16- ulsaya 53 –Igazi lokugcina lacithwa nguJesu

---

*Ukwelashwa ngaphakathi*

*Lezizinhlobo zibizwa ngokuthi Ukwethulwa Ebugqilini ngeISOB zitholakala kuma-video angu 15 nge-DVD.*

- 1 – Isibonakaliso sokulashwa ngaphakathi.-
- 2– Wenqatshwa.... Kodwa “Ubaba ukumukela ngothando”
- 3 –Kungani uNkulunkulu akukhulule ebuboshweni?
- 4 – Ukulila – isigaba esijulile sokuthembeka nokubayiqiniso
- 5 – Ungeke wakhululeka ngaphandle kweZwi
- 6 – Ungeke wakhululeka uma ungazazi ukuthi ungubani!
- 7 – Ungeke wakhululeka uma ungaphili ngeqiniso lobuwena
- 8 – Ungeke wakhululeka uma ungawzi amaqhinga kasathane

- 9 – Ukuxolela yikhambi lokwelapha langaphakathi  
10 – Ungeke wakhululeka uma ungaphili ngokukholwa  
11 – Ukwahlulelwa  
12 – Izibopho zomphefumulo  
13 – Imihuzuko, amanxeba, ukuphumelela  
14 – Ukuzibukela phansi nobumqoka benhloso  
15 –Inhloso yokuphila
- 

*Ukukhumuka*

- 01 Ukukhumuka  
02 Amazimu  
03 Iqiniso  
04 Usizi  
05 Ubuthakathi  
06 Ukungabi namahloni  
07 Phenduka enyameni  
08 Ukuxolelana nokubi 1  
09 Ukuxolelana nokubi 2  
10 Ukuxolelana nokubi 3  
11 Amandla  
12 Ukulingwa  
13 Izibonakaliso  
14 Isikhundla sobuphathi [Ubufundisi]  
15 Ukuhlukumeza  
16 Incwadi kaJohane & Izaga

*International School of The Bible-*

*Marieta, GA. U.S.A.*

*[770] 565 – 8736 growordie@isob-*

*bible.org*

OKOKUGCINA

- 
- <sup>(1)</sup> Nee, Watchman. *Sit, Walk, Stand*. Wheaton, IL: Tyndale House, 1977
- <sup>(2)</sup> *The new Strong's Exhaustive Concordance of the Bible*. Nashville, TN: Thomas Nelson Publishers, 1995
- <sup>(3)</sup> Vine, W.E. *Vine's Complete Expository Dictionary*, Atlanta, GA: Thomas Nelson Publishers, 1996
- <sup>(4)</sup> Prince, Derek. *They shall Expell Demons*. Grand Rapids, MI: Chosen Books, 1998
- <sup>(5)</sup> Wurbrand, Richard. *Reaching Toward The Heights*. Bartlesville, OK: Living Sacrifice Book company, 1979
- <sup>(6)</sup> Nee, Watchman. *God's Plan and the Overcomers*, Wheaton, IL: Tyndale House, 1979
- <sup>(7)</sup> Nee, Watchman. *A Table in the Wilderness*. Wheaton, IL: Tydale House, 1965